| English TERM | POS | Definition | Examples | isiZulu TERM | POS2 | isiZulu Definition | isiZulu Example |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| abandon | verb | to stop doing something or being involved in an activity or piece of work, especially before it is completed | Have they just postponed this project, or abandoned it altogether? | shiya/yeka | verb | ukuma ukwenza into ethile noma ukubamba iqhaza emsebenzini othile, ikakhulukazi ngaphambi kokuba uphothulwe. | Ngabe sebeyihlehlisile yini le projekthi na noma bavele bayishiya/bayiyeka kanjalo nje esithubeni? |
| abandon | verb | to stop having an idea or thinking in a certain way | He urged us to abandon the idea. | lahla | verb | ukuma ukuba nomqondo othile noma ukucabanga ngendlela ethile. | Balahla imigomo yabo yokuba amadlelandawonye. |
| ability | noun | the state of being able to do something | This spell checker also has the ability to automatically point out some grammatical errors. | ikhono | noun | ikhono lokwenza okuthile | Lesi sihloli sesipelingi sinekhono lokuthola ngokuzenzakalelayo amaphutha athile wegrama. |
| abnormal | adj | different from what is normal, ordinary or expected, often in a way that seems strange, worrying, wrong or dangerous | The number of chromosomes is abnormal. | okungajwayelekile | adj | yinto ethile noma umuntu othile owehlukile kulokho okwejwayelekile, okuvamile noma okulindelekile, imvamisa lokhu kuba ngendlela esuke yehlukile, ikhathaza noma inobungozi. | Ababambiqhaza kulolu cwaningo bedluliselwa kungoti owelapha indlebe, ikhala kanye nomphimbo ukuze ayokala ubungako obungajwayelekile endlebeni. |
| absolute | adjective | not allowing for other opinions | Her view on the morality of people's actions is absolute. | phelele | adjective | ukungavumeli imibono yabanye | Umbono wakhe ekuziphatheni kwezenzo zabanye abantu uphelele. |
| absolutise | verb | make something absolute | The danger of people who follow one particular ideology is that they absolutise the ideas in it and consequently accept no other ideas as valid. | yenza kuphelele | verb | ukwenza okuthile kuphelele | Ingozi yabantu abalandela umbono othile wukuthi benza leyo mibono ibe ngephelele futhi ekugcineni bangamukeli eminye imibono njengefanele. |
| absolutism | noun | attitude that meaning is immutable and things are therefore unconditionally valid | The absolutism in her approach to religious issues scares many people. | ngokuphelele | noun | isimo sokuthi incazelo ingengaphenduki nokuthi izinto ziba ezingalungile ngokungenamibandela | Ukuba ngokuphelele endleleni yakhe yezindaba zenkolo kwethusa abantu abaningi. |
| absorb | verb | to take new information into the mind and learn and understand it | Without any prior knowledge or a printed text at our disposal, it was difficult to absorb all the information he presented on nuclear fission. | munca | verb | ukuthatha ulwazi olusha ulufake emqondweni bese ulufunda uphinda uluqonde. | Njengoba sasingenalo olunye ulwazi lwaphambilini futhi singenawo nombhalo obhalwe phansi phambi kwethu nje, kwakunzima kakhulu ukumunca lonke ulwazi asethulela lona olwalumayelana nohlelo lwenuzi. |
| absorb | verb | to hold someone's attention or interest completely | He recently finished the work that had absorbed him for almost two years. | hlaba umxhwele | verb | ukuthatheka ngento ethile noma ukuba nentshisekelo ngokupheleleyo. | Wayehlabeke umxhwele ngencwadi ayeyifunda kangangokuthi akaze ezwe ngisho izwi elilodwa nje kulokhu engangikusho. |
| absorb | verb | find something so interesting that you do not pay attention to anything else | She was completely absorbed in her book and didn't hear a word I said. | gxila | verb | thola into ethakazelisa kakhulu kangangokuthi awunaki enye into | Wayegxile kakhulu encwadini yakhe futhi akazwanga nelilodwa igama engilishilo. |
| abstract | adj | existing as an idea, but not as a physical thing. | Love is regarded as an abstract idea. | okusemcabangweni | adj | yinto engumcabango nje kuphela, okusho ukuthi yinto engaphatheki futhi ongeke uyikhombe. | Uthando luthathwa ngokuthi luwumqondo osemcabangweni. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| abstract | noun | a short summary | The abstract of the article summarises the main findings. | umongo | noun | iqoqa elifushane. | Umongo walo mbhalo uqoqa amaphuzu amakhulu atholakele. |
| abstract | verb | to infer abstract meaning from something | The knowledgeable reader can abstract certain universal truths from a good literary text. | okungaqondakali | verb | ukuthola umqondo entweni ethile | Umfundi onolwazi angakwazi ukuthola amaqiniso avamile embhalweni othile. |
| abstract | adjective | existing as an idea, but not as a physical thing | Love is regarded as an abstract idea. | okungaqondakali | adjective | kuwumbono okhona, kodwa hhayi njengento engokoqobo | Uthando lubhekwa njengombono ongoqondakali. |
| abstract | noun | summary of the major aspects of an academic paper | The abstract at the beginning of a long academic article is useful if you want to know if the article is relevant to you. | isandulela | noun | isandulela sezingxenye ezinkulu zephepha lezemfundo | Isandulela esisekuqaleni kwe-athikili ende yezemfundo siwusizo uma ufuna ukwazi ukuthi i-athikili iyakufanela yini. |
| abstraction | noun | (the process of formulating) general ideas from concrete data | The thematic motifs of a text are an abstraction, ideas that readers are able to infer from the concrete textual data. | ukwakha imibono | noun | (inqubo yokwakha) imibono evamile kusuka emininingwaneni ethenjwayo. | Amavesi aphindaphindwayo wesihloko sombhalo ayinqubo yokwakha imibono leyo abafundi abangakwazi ukuyithola kusula emininingwaneni yombhalo othenjwayo |
| accelerate | verb | to make a process happen faster or sooner than expected | Game-based learning can accelerate the transfer and application of knowledge. | sheshisa | verb | ukwenza uhlelo oluthile lwenzeke ngokushesha noma ngokuphazima kweso kunendlela obekulindeleke ngayo. | Ukufunda okususelwe emidlalweni kungasheshisa ukwedlulisa kanye nokusetshenziswa kolwazi. |
| accept | verb | to consider something valid | Although many physicists could accept Niels Bohr's quantum theory as valid, Einstein refused to do so. | yamukela | verb | ukucabangela into ethile njeyamukelekayo | Nakuba ososayensi abaningi bamukela i-quantum theory ka-Niels Bohr njengevumelekile, u-Eintstein wenqaba ukuvumelana nayo. |
| accept | verb | to believe something to be true | Jim Martin accepted Halliday's ideas on Systemic Functional Grammar. | vuma | verb | ukukholwa yinto ethile ukuthi iliqiniso. | UJim Martin wayivuma imicabango kaHalliday maqondana neSystemic Functional Grammar. |
| accept | verb | to agree with or approve of someone or something | The head of the department accepted her resignation. | amukela | verb | ukuvumelana noma ukwamukela umuntu othile noma into ethile. | Inhloko yomnyango yayemukela incwadi yakhe yokwesula emsebenzini. |
| acceptability | noun | the extent to which something can be believed or agreed upon | Despite many physicists' enthusiasm for Niels Bohr's quantum theory, Einstein doubted its acceptability. | ukwamukeleka | noun | izinga into ethile engakholelwa noma kuvunyelwane ngalo | Naphezu komdlandla wososayensi abaningi mayelana ne-quantum theory ka-Niels Borh, u-Einstein wangabaza ukwamukeleka kwayo. |
| acceptable | adj | that people can agree with or accept | Cohabitation has become more socially acceptable today. | okuthandekayo | adj | lokho abantu abangavumelana ngakho noma bakwamukele. | Ukukipita sekuyinto esithandeka nje emphakathini esikhathini sanamhlanje. |
| acceptable | adj | that can be allowed | These noise levels are acceptable within the office. | okwamukelekile | adj | lokho okungavunyelwa/ okuvumelekile ukuba kwenzeke. | Amazinga omsindo amukelekile ngaphakathi ehhovisi. |
| acceptable | adjective | that people can accept or agree with | Cohabitation has become socially acceptable. | kuyamukeleka | adjective | lokho abantu abakwamukelayo nabavumelana ngakho | Ukuhlalisana sekube yinto eyamukelekayo emphakathini. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| acceptable | adjective | what is accepted or believed to be true or correct | Einstein did not acknowledge Niels Bohr's view on quantum particles as an acceptable theory. | kuyamukeleka | adjective | lokho okwamukelekayo noma okukholelwa njengokuyiqiniso noma okulungile | U-Einstein akazange amukele umbono wolwazi ka-Niels Borh we-quantum particles njengombono owamukelekayo. |
| acceptance | noun | when you accept or believe that something is right or true | Einstein's critical attitude to Niels Bohr's quantum theory is in stark contrast to many physicists' enthusiastic acceptance of it. | ukwamukela | noun | lapho wamukela noma ukholelwa ukuthi okuthile kulungile futhi kuyiqiniso | Umbono ongemuhle ka-Einstein nge-quantum theory ka-Niels Bohr wehluke kakhulu ekwamukelweni kwawo okunamandla abanye osayensi. |
| accepted | adjective | what is approved of and/or regarded as normal or correct | This type of legislation is globally accepted practice. | kwamukeliwe | adjective | lokho okwamukweliwe futhi/noma okubhekwa njengokuvamile noma okufanele | Lolu hlobo lomthetho lungumkhuba awumukeliwe emhlabeni wonke. |
| access | noun | the opportunity to use or gain entry to a place or a building | The only access to the laboratory is through that door. | intuba | noun | ithuba lokusebenzisa noma lokukwazi ukungena endaweni noma esakhiweni. | Intuba okuyiyona kuphela engakufaka elabholethri ingena ngalowaya mnyango. |
| access | verb | the right, privilege or opportunity to use something or approach someone | Students must have access to a good library. | finyelela | verb | ilungelo, noma ithuba lokusebenzisa into ethile noma lokukhuluma nomuntu othile. | Abafundi kufanele bakwazi ukufinyelela kumtapowolwazi omuhle. |
| access | verb | to find or retrieve information from a storage device, such as a file | She accessed three different databases to find the information. | thola | verb | ukuthola noma ukudiliza ulwazi ulususa kwinto ethile ebeligcinwe kuyo, okungaba yinto efana nefayela. | Wakwazi ukuthola izigcinalwazi ezintathu ezahlukene ukuze athole ulwazi ayelufuna. |
| access | verb | to be able to get into a place or use something | In order to access the protected collection of a library, one must first ask for leave. | finyelela | verb | ukukwazi ukufinyelela indawo noma ukusebenzisa okuthile | Ukuze othile akwazi ukufinyelela iqoqo elivikeliwe lomtapo wezincwadi, kufanele acele kuqala isikhathi sokuphumula. |
| accessible | adjective | that can be reached easily | Items housed in the Main Building are accessible whenever the Library is open to the public. | finyeleleka | adjective | kungafinyeleleka kalula | Izinto ezitholakala e-Main Building ziyafinyeleleka noma nini lapho Umtapo wezincwadi uvulekile emphakathini. |
| accessible | adjective | approachable and friendly, with whom one can communicate comfortably | There are two accessible assistants in our university library who are happy to help students find their resources. | ngeneka | adjective | umuntu ongenafayo futhi onobungane, ongaxoxisana naye ngokukhululekile | Kukhona abasizi ababili abangenekayo emtapweni wethu wezincwadi wasenyuvesi abakujabulelayo ukusiza abafundi ngezinsiza zabo. |
| accommodate | verb | to take someone or something into consideration | Educators accommodate learners with poor reading ability by providing activities that are within their ability. | siza | verb | ukubhekela omunye umuntu noma enye into. | Othisha basiza abafundi labo bafundi abangakwazi kahle ukufunda ngokuthi babanike imisebenzi esezingeni labo nabazokwazi ukuyenza. |
| accommodating | adjective | willingness to fit in with somebody's wishes or needs | The true scientist always tries to think accommodatingly from other points of view. However, such an accommodating way of thinking is very rare. | ukuvumelana nezimo | adjective | ukuzimisela ukwenza ngokwezifiso noma ngokwezidingo zomunye umuntu | Usosayensi wangempela uzama njalo ukucabanga ngokuvumelana nezimo neminye imibono. Nokho, indlela enjalo yokucabanga ngokuvumelana nezimo ayijwayelekile. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| accommodation | noun | an agreement that satisfies everyone | Your accommodation of other people's views requires that you look at things from their perspective. | ukuvumelana nabanye | noun | isivumelwano esanelisa wonke umuntu | Ukuvumelana kwakho nemibono yabanye abantu kudinga ukuthi ubheke izinto ngombono wabo. |
| accompany | verb | to go with something or someone | The plagiarism declaration must accompany all written work submitted while you are a student of the university. | phelezela | verb | ukwenzeka nenye into, ukuhambisana nento ethile. | Isifungo sokuthi umsebenzi awuwukopelwanga kufanele ukuthi siphelezele wonke umsebenzi oye wawubhala wabe usuwuthumela enyunivesi ngenkathi usengumfundi khona. |
| accordance | noun | in agreement with or as determined by | The dismissal of the employee was effected in accordance with a fair procedure. | imvumelwano | noun | ngokuvumelana nokuthile. | Ukuxhoswa kwaleso sisebenzi kwenziwa ngokwemvumelwano nenqubo yokwenza izinto ngokungavuni luhlangothi. |
| according to | adjective | in agreement with | According to the requirements for a Baccalaureus Degree, you have to pass two more subjects. | ngokuvumelana | adjective | ngovumelana nokuthile | Ngokuvumelana nezimfuneko ze-Baccalaureus Degree, kufanele uphumelele kwezinye izifundo ezimbili. |
| account | noun | a report of something which has been put into own words | His presentation is a faithful account of the author's view. | incazelo | noun | umbiko wokuthile uwusho ngamazwi wakho | Iphrezentheshini yakhe ingumbiko othembekile wombono wombhali. |
| accumulate | verb | to gradually obtain more of something | Some students enrol for a course simply to accumulate credits towards their degrees. | qongelela | verb | ukuthola kancane kancane into ethile ize ibe ningi. | Abanye abafundi bayaye babhalisele izifundo ezithile ngenhloso yokuthi bafuna ukuqongelela amaphuzu abo ukuthi athi uma esehlangene bakwazi ukuthola ijazi eliphelele lasenyunivesi. |
| accumulate | verb | to increase gradually in number or quantity | As evidence accumulates against the corrupt city manager, he desperately tries to defend himself. | didiyela | verb | ukukhula kancane kancane ngobuningi. | Ubufakazi obuye badidiyelwa buveze ukuthi ezinye izinto ezinoshukela ongabonakali ngaphakathi kuzo ziyingozi kakhulu ukwedlula ushukela uqobo lwawo. |
| accumulated | adjective | gathered together | The accumulated evidence gathered by the Hawks, was enough to prosecute the corrupt director of the company. | qoqiwe | adjective | kuqoqiwe | Ubufakazi obuqoqwe i-Hawks, kade banele ukuze kumangalelwe umqondisi wenkampani okhohlakele. |
| acknowledge | verb | to accept, admit or recognise. | Permission to use the material is gratefully acknowledged. | yazisa | verb | ukwamukela, ukuvuma noma ukuhlonopha. | Imvume yokusebenzisa lo mbhalo siyazisa ngentokozo enkulu. |
| acknowledge | verb | to recognise, accept, admit something | Prof. Crous and dr. Andrews, who have often disagreed in public, eventually acknowledged that they completely misunderstood each other. | yamukela | verb | ukwazisa, ukwamukela, ukuvumelana nokuthile | USol. Crouse no-Dkt Andrews, ababejwayele ukuphikisana emphakathini, bagcine bamukele ukuthi ngempela kade bengaqondani. |
| acknowledge | verb | accept and mention (with gratitude or appreciation) | The competent researcher will acknowledge the contributions of other researchers in her academic articles or dissertation. | yazisa | verb | vuma futhi yazisa (ngokubona noma ukwazisa) | Umncwaningi onolwazi uzokwazisa ukunikela kwabanye abacwaningi kuma-athikili wakhe wezemfundo noma kwiziqu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| acknowledged | adjective | recognised as good, important, valid or trustworthy | Our physics professor is an acknowledged authority on the subject of nuclear physics. | nolwazi | adjective | kubhekwa njengokufanele, okubalulekile, okuvumelekile noma okwethenjwayo | USolwazi wethu wesayensi unolwazi olunzulu ngesayensi yenuzi. |
| acknowledgement | noun | the recognition of something as good or important | An important characteristic of researchers who do not fear competition from other researchers, is the acknowledgement of contributions of fellow scholars in their bibliography, their articles or their dissertations. | ukwamukela | noun | ukuvuma ukuthi okuthile kuhle futhi kubalulekile | Isici esibalulekile sabacwaningi abangesabi ukuncintisana nabanye abacwaningi, ukwamukela ukunikela kwabanye abacwaningi kuhla lwabo lwezincwadi, kuma-athikili wabo noma eziqwini zabo. |
| acknowledgement | noun | acceptance of the truth or existence of something | The company's acknowledgment of financial slip-ups has provoked fierce criticism. | ukwamukela | noun | ukwamukela iqiniso noma ukuba khona kwento ethile | Ukwamukela kwenkampani ukungaphathi kwahle kwabo ezezimali kuye kwavusa ukugxekwa okunolaka kakhulu. |
| acquiesce | verb | to allow something to happen, although you do not like it | Victims of gang violence will not acquiesce in the early release of convicted gang members. | vumela | verb | ukuvumela ukuthi okuthile kwenzeke, nakuba ungakuthandi. | Izisulu zobugebengu beqembu lezigelekeqe ngeke zivumelana nokukhululwa kwangaphambi kwesikhathi kwamalungu weqembu lezigelekeqe aboshiwe. |
| acquiescence | noun | (reluctant) acceptance | The government's acquiescence in the continued use of weapons of mass destruction is intolerable. | ukuvuma | noun | ukuvuma (ngokunqikaza) | Ukuvuma kukahulumeni nokuqhubeka nokusetshenziswa kwezikhali eziwushayabhuqe ngeke kubekezelwe. |
| acquiescent | adjective | tending to allow or accept something, even if you do not like it | They were generally speaking apolitical and acquiescent, or ready to defer to authority. | ukwamukela | adjective | ukuvamisa ukuvumela noma ukwamukela okuthile, ngisho noma ungakuthandi | Ngokuvamile babekhuluma ngokungabi nesithakazelo kwezepolotiki futhi noma ngokwamukela ngokunqikaza, noma ukudlulisela kwabanegunya. |
| acquire | verb | to get, gain (especially by deliberately doing something for a certain amount of time) | Learners read to gather information and acquire new knowledge. | thola | verb | ukuzuza, ukufunda ikhono elisha noma umkhuba omusha. | Abafundi bafunda ukuze bahlanganise ulwazi bese bethola ukuqonda okusha. |
| acquire | verb | to get, obtain (especially through hard work or effort) | Dr. Krige obtained all his degrees at the University of Pretoria. | thola | verb | ukuthola, ukuzuza (ikakhulukazi ngokuzikhandla noma ngomzamo omkhulu) | UDkt. Krige wathola zonke iziqu zakhe ENyuvesi yase-Pretoria. |
| acquired | adjective | that has been obtained or gained | Dr. Krige recently added a BCom degree to his already obtained degrees. | tholiwe | adjective | okutholiwe noma okuzuziwe | UDkt. Krige usanda kuthola futhi isiqu se-BCom eziqwini zakhe asezitholile kakade. |
| acquisition | noun | the act of learning or developing a skill | Study at university is not merely the acquisition of new knowledge; it is also about developing certain values and dispositions. | ukumunca | noun | isenzo sokufunda noma sokuthuthukisa ikhono. | Ukufunda enyunivesi akusikhona nje ukumunca ulwazi olusha; kodwa kumayelana nokuthuthukisa amagugu athile kanye nezinhlelo. |
| acquisition | noun | obtaining something after hard work and effort over a long period of time | The acquisition of a degree is an important event in the life of any student. | ukuthola | noun | ukuthola okuthile ngemva kokuzikhandla nomzamo onzima phakathi nesikhathi eside | Ukuthola isiqu kuyinto ebaluleke kakhulu ekuphileni kwanoma yimuphi umfundi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| acronym | noun | the first letters of a group of words that are read together as one word | UNISA is an acronym for University of South Africa. | isifinyezo | noun | amagama wokuqala weqoqo lamagama afundwa njegama elilodwa | I-UNISA isifinyezo se-University of South Africa. |
| adapt | verb | change to suit new circumstances or a new environment | University courses have to adapt to the needs of the marketplace. | ukuhlangabezana | verb | ukushintsha imiqondo yakho noma ukuziphatha kwakho ukuze ukwazi ukubhekana nesimo esisha ngempumelelo. | Izifundo ezenziwa enyunivesi kufanele ukuthi zihlangabezane nezidingo zezindawo zokukhangisa ngemisebenzi. |
| adaptation | noun | change or adjustment to meet a new goal or adapt to a new environment | The doctoral student must make adaptations to his first chapter, because certain aspects are not congruent with the wording in his title. | ukujwayela | noun | ukushintsha noma ukujwayela ukuze uhlangagabezane nomgomo omusha noma ujwayelane nendawo entsha | Umfundi wesiqu sobudokotela kufanele enze izinguquko esihlokweni sakhe sokuqala, ngoba izingxenye ezithile azihlangani namagama wesihloko sakhe. |
| adapted | adjective | changed to make it more suitable for a specific purpose or situation | After two weeks the student presented his lecturer with an adapted version of his first chapter. | kushintshiwe | adjective | kushintshiwe ukukwenza kufanelane kangcono nenjongo noma nesimo esithile | Ngemva kwamaviki amabili umfundi wanikeza uthisha wakhe inguqulo eshintshiwe yesihloko sakhe sokuqala. |
| additional | adjective | added to what was expected or to what was agreed upon | Additional imports of American beef are planned to meet rising demand. | kwengeziwe | adjective | kwengezwe kulokho obekulindelekile noma lokho okukade kuvunyelwane ngakho | Kuhlelwa ukuthunyelwa okwengeziwe kwenyama yenkomo yase-Melika ukuze kuhlatshangezwane nesidingo esiphezulu. |
| adequate | adj | having the qualities or resources needed to perform a task | This test is adequate for measuring students' preparedness for studying through medium of English. | okwanele | adj | ukuba namakhwalithi athile noma izinto ezidingekayo ukuthi kwenziwe umsebenzi. | Lesi sivivinyo sanele ukuthi singakwazi ukukala ukulungela kwabafundi ukuthi bafunde zonke ezinye izifundo ngolimi lwesiNgisi. |
| adequate | adjective | good enough for a specific purpose | This test is adequate for measuring students’ preparedness for studying through medium of English. | kwanele | adjective | kwanele injongo ethile | Lesi sivivinyo sanele ukuhlola ukulungela kwabafundi ukufunda ngolimi lwesiNgisi. |
| adequate | adjective | as much as is needed or desired | In the course of researching customer needs, it was discovered that few families have adequate life insurance. | kwanele | adjective | ngokudingekile noma ngokufiselekayo | Esifundweni sokucwaninga ngezidingo zamakhasimende, kuye kwatholakala ukuthi imindeni embalwa kuphela enomshuwalense wokuphila owanele. |
| adhere | verb | to stick to something | The paint will adhere to any clean surface. | namathela | verb | ukuhla kwinto ethile. | Lo pende uyonamathela kunoma iyiphi indawo ehlanzekile. |
| adhere to | verb | to obey or follow a set of principles, a course of action, or rules | A great statesman knows when to depart from traditions and when to adhere to them. | landela | verb | ukuhlonipha noma ukulandela isethi yemigomo ethile, isenzo esithile, noma imithetho. | Umholi omkhulu uyazi ukuthi kunini lapho kufanele ahlubuke khona kwisiko futhi kunini lapho kufanele alilandele khona. |
| adjust | verb | to alter, change or regulate in order to conform to a standard or to perform a function | Educators must adjust to the characteristics and learning needs of students. | melana | verb | ukushintsha, ukuguqula ukuze kukwazeke ukuthi kuhambisane nezinga noma ukwenza umsebenzi othile. | Othisha kufanele ukuthi bakwazi ukumelana nezici kanye nezidingo zabafundi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| adjustment | noun | an alteration made to achieve a desired outcome or result | The doctoral student has to make adjustments to her first chapter, because certain aspects are not congruent with the wording in her title. | ushintsho | noun | ushintsho olwenziwa ukuze kufinyelelwe umphumela ofiselekayo | Kuye kwadingeka ukuthi umfundi wobudokotela enze ushintsho esihlokweni sakhe sokuqala, ngoba izingxenye ezithile azihambisani namagama wesihloko sakhe. |
| administer | verb | to organise, provide or apply formally and correctly | The examination was administered fairly. | enza | verb | ukuhlela, ukuhlinzeka noma ukwenza into efanele ngendlela efanele noma engavuni luhlangothi. | Isivivinyo senziwa ngokungavuni luhlangothi. |
| admit | verb | to agree that something is true | The motor manufacturer admitted to tampering with the carbon emission tests. | vuma | verb | ukwamukela ukuthi into ethile iliqiniso. | Umakhi wezimoto wavuma ukuthi kukhona lapho ayiphazamisa khona imoto ngenkathi yakhiwa. |
| advantage | noun | something that puts you in a favourable position | It is to the advantage of all students if they regularly review their lecture notes instead of only looking at them shortly before a test or exam. | zuzisa | noun | okuthile okukubeka esimweni esihle | Kuzuzisa bonke abafundi uma bebuyekeza njalo amanothi wabo wesifundo kunokuba bawabheke nje kafushane ngaphambi kwesivivinyo noma ukuhlolwa. |
| advantageous | adjective | having an advantage | It is advantageous for a student to review lecture notes regularly, as preparation for the exam is less exhausting. | zuzisayo | adjective | ukuzuza | Kuzuzisa umfundi ukuthi abuyekeze njalo amanothi wesifundo, ngoba ukulungiselela ukuhlolwa akukhathazi kakhulu. |
| advocate | verb | to speak, plead or argue in favour of | She is an advocate for women's rights. | khuluma | verb | ukumela, ukuncengela noma ukusho into ehambisana nalokho. | Ukhulumela amalungelo abantu besifazane. |
| advocate | noun | someone who speaks, pleads or argues in favour of something | She is an advocate for women’s rights. | ummeli | noun | okhulumela, onxusela noma ophikisana ngokuvuna okuthile | Ungummeleli wamalungelo wabesifazane. |
| advocate | verb | to speak, plead or argue in favour of something | He advocates the training of farmers in modern pest control methods. | mmelela | verb | ukukhuluma, ukunxusela noma ukuphikisana ngokuvuna okuthile | Ummelela ukuqeqeshelwa kwabalimi ngezindlela zesimanje zokulawula izinambuzane. |
| affect | verb | to have an influence (up)on | The purity of the samples can significantly affect the results of the experiment. | thinta | verb | ukuba nomthelela entweni ethile. | ubumsulwa abamasampula kungenzeka buthinte kakhulu imiphumela yalokhu kuhlola. |
| affect | noun | strong emotion, especially in relation to how it influences thinking and behaviour | The scale measures positive and negative affect towards refugees. | ukuthinteka | noun | umoya, ikakhulukazi maqondana nokuthi ngabe imicabango kanye nokuziphatha kuwuthikameza kanjani umoya. | Isikali sikala ukuthinteka okuhle kanye nokubi kwababaleki. |
| affirmative | adjective | being in consent with a statement or request | His affirmative answer to the question was a great relief to all of us. | ukuvuma | adjective | ukuvumelana nesitatimende noma isicelo | Impendulo yakhe yokuvumelana nombuzo kwaba usizo kakhulu kithi sonke. |
| aggregate | noun | a whole formed by combining separate things | Although the candidate succeeds in two of his subjects, he fails in the aggregate. | okuhlanganisiwe | noun | ukuhlanganiswa kwezinto ezahlukene | Nakuba umfundi ephumelele ezifundweni zakhe ezimbili, akuphumelanga lapho sekuhlanganisiwe. |
| aggregate | noun | a sum total of many different things taken together | The aggregate of all the changes made radically changed the image of the organisation. | inani | noun | isamba sezinto ezingini ezahlukene uma sezihlangiswe ndawonye. | Inani lazo zonke izinguquko ezenziwe lashintsha ngokunamandla isithombe senhlangano. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| agitate | verb | to protest or argue in public for something you want, especially a political or social change | The student union agitated for better living conditions. | ukulwa | verb | ukuphikisa ngokungafanele esidlangalaleni ngento oyifunayo, ikakhulukazi ngoguquko lwezepolitiki noma lwezenhlalo. | Inyunyana yabafundi yayilwela izimo zokuphila ezingcono. |
| algorithm | noun | originally only a mathematical way of calculation, but the meaning has expanded to include a broader definition, viz. a step-by-step approach to tasks and problem solving | A manual for mechanics will contain different algorithms for different tasks. | i-algorithm | noun | ekuqaleni kwakusho indlela yokubala izibalo, kodwa manje incazelo isiye yahlanganisa incalezo ebanzi, ngokwesibonelo, indlela yesinyanthelo ngasinye yokubhekana nemisebenzi kanye nokuxazulula izinkinga | Imenuwali yomakhenikha izoba nama-algorithm ahlukile yemisebenzi ehlukahlukene. |
| algorithmical | adjective, adverb | making use of algorithms | algorithmic learning, methods | i-algorithmical | adjective, adverb | ukusebenzisa ama-algorithm | ukufunda kwe-algorithm, izindlela |
| algorithmisation | noun | the real execution of the different steps | When training inexperienced mechanics, the algorithmisation of complex tasks is essential for their skill development. | i-algorithmisation | noun | inqubo yokwenziwa kwangempela kwezinyathelo ezahlukahlukene | Lapho kuqeqeshwa omakhenikha abangenalo ulwazi, ukwenza inqubo ye-algorithmisation yemisebenzi eyinkimbinkimbi kubalulekile ukuze babe nekhono. |
| allege | verb | to state something as a fact without giving proof | Oppenheimer (2015: 14) alleged that Balmain (2010) contrived the results of his research. | sola | verb | ukusho into njengeqiniso yize ungenabo ubufakazi balokho. | U-Oppenheimer (2015: 14) usola ukuthi uBalmain (2010) waziqambela yena ngokwakhe imiphumela yophenyo lwakhe. |
| allege | verb | to claim that something is the matter without having proof | In his main argument, he alleges that the symptoms of the patient are typical of depression. | mangalela | verb | ukumangelela okuthile ngaphandle kobufakazi | Empikiswaneni yakhe eyinhloko, wamangalela ukuthi izimpawu zesiguli ngokuvamile zibonisa ukucindezeleka. |
| alleged | adjective | of which the truth has not yet been proven | The alleged offence is said to have happened on Friday night. | mangalelwe | adjective | lapho ukuba yiqiniso kungakafakazelwa | Kuthiwa icala elimangalelwayo lenzeke ngoLwesihlanu ebusuku. |
| alleged | adjective | who is thought to be guilty | The police are on the outlook for the alleged murderer, but as yet have not enough evidence to prove his guilt. | omangelelwe | adjective | lowo okucatshangelwa ukuthi unecala | Amaphoyisa afuna umbulali omangalelwe, kodwa okwamanje awanabo ubufakazi obanele bokufakazela ukuthi unecala. |
| alliterate | verb | to repeat the same sound or letter in order to create a special effect | Notice how the w-sound alliterates in: White is the world of old-fashioned woe … | yenza ifanamsindo | verb | ukuphinda umsindo noma uhlamvu olufanayo ukuze wenze umthelela othile | Qaphlela indlela umsindo ka-z ozwakala ngayo kokulandelayo: Zimbili izinto engizicela kuwe … |
| alliteration | noun | the repetition of the same sound or letter at the beginning of adjacent words | In poetry alliteration occurs at the end but also within lines of poetry. | ifanamsindo | noun | amagama aqala ngohlamvu olufanayo noma umsindo ofanayo | Enkondlweni ifanamsindo ivela ekupheleni kodwa futhi naphakathi nemiggqa yenkondlo. |
| alliterative | adjective | containing words that begin with the same sound or letter | The w sound in the words WHITE and WONDER is alliterative. | kunefanamsindo | adjective | kunamagama aqala ngomsindo noma uhlamvu olufanayo | Umsindo ka-z emagameni athi ZUZA futhi ZULA uyifanamsindo. |
| allocate | verb | to distribute according to a plan | Seats are allocated according to the proportion of votes gained. | aba | verb | ukusabalalisa ngokulandela uhlelo oluthile. | Izihlalo zabiwa ngokulingana namavoti atholakele. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| allocate | verb | to decide to use something for a certain purpose | When choosing the best candidate for an academic position, different weights are allocated to aspects like academic qualifications, research experience and teaching ability. | khetha | verb | ukukhetha ukusebenzisa okuthile ngokwenjongo eqondile | Lapho kukhethwa isisebenzi esizofanelekela isikhundla sezemfundo, kuhlanganiswa izici ezahlukahlukene ezingxenyeni ezifana neziqu, ulwazi locwaningo kanye nekhono lokufundisa. |
| allocation | noun | decision to use something for a certain purpose | When choosing the best candidate for an academic position, the allocation of different weights to aspects like academic qualifications, research experience and teaching ability play an important role. | ukukhethwa | noun | isinqumo sokusebenzisa okuthile ngokwenjongo eqondile | Lapho kukhethwa isisebenzi esizofanelekela isikhundla sezemfundo, ukukhethwa kwezici ezahlukahlukene ezingxenye ezifana neziqu, ulwazi locwaningo kanye nekhono lokufundisa kudlala indima ebalulekile kakhulu. |
| allude | verb | to mention something or someone briefly or indirectly | It is only possible to allude briefly to the conclusions that he has attained in treating the various problems. | thinta | verb | ukusho into ethile noma umuntu othile ngamafuphi ngokungaqondile. | Kuyinto engenzeka ukuthinta kancane nje kwisiphetho afinyelele kuso ngenkathi esebenza izinkinga ezahlukene. |
| allusion | noun | a brief or indirect reference to someone or something | Spencer makes frequent allusions to the New World. | izwi elibhekiswe kothile | noun | yinto ethile emfushane okuqondwe ngayo ukuchaza umuntu noma into ethile. | USpencer uvame ukwenza amazwi abhekiswe kwiNew World. |
| alter | verb | to cause to change or make different | The holocaust significantly altered the course of history. | shintsha | verb | ukwenza ukuthi kushintshe; ukwenza umehluko. | Ukubulawa kwabantu abaningi kwawushintsha kakhulu umgudu womlando. |
| alternate | verb | to put two things, one after the other, in a repeated pattern | The effective student alternates hard work with regular relaxation and enough hours of sleep. | shintshanisa | verb | ukubeka izinto ezimbili, zilandelane, ngokwephethini ephindekayo. | Le ndaba emfushane ishintshanisa izingqikithi zothando nokufa. |
| alternate | verb | to do or happen in turn | Most novelists alternate between dialogue and description. | shintsha | verb | ukwenza noma kwenzeka ngokushintshana | Ababhali bamanoveli abaningi bashintsha phakathi kwengoxo kanye nencazelo. |
| alternating | adjective | in turn | Brick-building patterns in alternating straight and wavy lines lend a playful character to walls. | ukushintshana | adjective | ukushintshana | Amaphethini wokwakha ngezitini ngokushintshana ngemigqa eqondile kanye netshekile kwenza udonga lubonakale lukhangisa. |
| alternation | noun | repeated rotation | Meaningful alternation in teaching tasks should alleviate the boredom that lecturers sometimes experience in teaching their subject. | ukushintshana | noun | ukuzungeza okuphindaphindiwe | Ukushintshana okuqondakalayo emisebenzini yokufundisa kufanele kunciphise isidina othisha ababa naso ngezinye izikhathi lapho befundisa. |
| alternative | noun | one of two options | You can write an essay; the alternative is that you answer twenty short questions. | okunye | noun | okunye kwezinketho ezimbili | Ungase ubhale indaba; okunye kwalokho ukuthi ungase uphendule imibuzo emfushane engamashumi amabili. |
| alternative | adjective | offering the choice between two things | The students have the choice of an alternative assignment. | ongakukhetha | adjective | ukukhetha phakathi kwezinto ezimbili | Abafundi bangakwazi ukukhetha esinye isabelo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| alternatively | adverb | in the alternative | You must write a full-length essay; alternatively you can answer 20 short questions. | kungenjalo | adverb | okunye | Kufanele ubhale indaba ephelele, kungenjalo ungase uphendule imibuzo emifushane engamashumi amabili. |
| ambiguity | noun | the state of having more than one meaning | The lecturer clarified any misunderstandings and ambiguity by giving individual feedback. | ubumbaxambili | noun | isimo sokuba nemiqondo engaphezulu komqondo owodwa. | Uthisha wasenyunivesi wacacisa noma ngabe yikuphi ukungaqondi kanye nobumbaxambili ngokunikeza incazelo yokusebenza komuntu ngamunye. |
| ambiguity | noun | something that is not clear because it can be interpreted in different ways | The lecturer clears up misunderstandings and ambiguities through individual feedback. | ukungaqondakali | noun | okuthile okungaqondakali ngoba kungase kuchazwe ngezindlela ezahlukene | Uthisha ucacisa ukungezwani kanye nokungaqondakali ngokunikeza umbiko umuntu ngamunye. |
| ambiguous | adj | having more than one meaning | This statement is ambiguous, because it can be interpreted in two different ways. | okumbaxambili | adj | ukuba nomqondo ongaphezu kowodwa. | Itemu elithi "indle" libonisa ubumbaxambili bezendawo ngoba imingcele ayichaziwe kulo. |
| ambivalence | noun | simultaneous presence of conflicting wishes or feelings | Because of the ambivalence in his mind, he cannot make a decision on the matter. | ukungqubuzana kwemibono | noun | ukuba khona ngesikhathi esifanayo kwezifiso noma imizwa engqubuzanayo | Ngenxa yokungqubuzana kwemibono engqondweni yakhe, akakwazi ukuthatha isinqumo mayelana nodaba. |
| ambivalent | adjective, adverb | regarding the simultaneous existence of opposite wishes or feelings | I feel ambivalent about the matter, because I understand the positive and the negative aspects of it. People do not always understand my ambivalent feelings. | ukuba nokungqubuzana kwemibono | adjective, adverb | mayelana nokuba khona ngesikhathi esifanayo kwezifiso noma imizwa engafani | Nginombono ongqubuzanayo ngalolu daba, ngoba ngiqonda kokubili izingxenye ezinhle nezimbi zalo. Abantu abaqondi njalo imizwa yami yokungqubuzana kwemibono. |
| amend | verb | to change a law, agreement or document slightly | The agreement was amended to apply only to senior members. | chibiyela | verb | ukushintsha kancane nje umthetho, isivumelwano noma idokhumenti. | Isivumelwano sachitshiyelwa ukuze sisebenze kumalungu amadala kuphela. |
| amend | verb | to make minor changes in order to be more accurate | Researchers amend their initial hypotheses if their experiments refute them. | lungisa | verb | ukwenza izinguquko ezincane ukuze kunembe nakakhulu | Abacwaningi balungisa imibono yabo engenasisekelo yasekuqaleni uma kuwukuthi ukuhlola kwabo kuyaphikisana. |
| anachronism | noun | an error in chronology in which a person or thing is placed in the wrong historical time | It’s an anachronism when a soldier in a WWII film talks to his fiancé on his cellphone. | iphutha ekunembeni kwesikhathi | noun | iphutha ekunembeni kokulandelana kwezenzakalo lapho umuntu noma into ibekwa esikhathini esingalungile emlandweni | Kuyiphutha kuya ngokunemba kwesikhathi lapho isosha efilimini Yempi Yezwe II lixoxa nentombi yalo kumakhalekhukhwini. |
| anachronistic | adjective | incompatible with the time in which something happens | The soldier’s cellphone conversation in the film about World War II is anachronistic. Such an anachronistic scene detracts from the authenticity of the events. | kunephutha ekunembeni kwesikhathi | adjective | akuhambisani nesikhathi okuthile okwenzeka ngaso | Ingxoxo kamakhalekhukhwini yesosha efilimini emayelana Nempi Yezwe II inephutha kuya ngokunemba kwesikhathi. Isiqephu esinjalo siphazamisana nokunemba kwezenzakalo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| analogous | adjective | similar to something else | The functions of the human heart and those of a pump prove to be analogous to each other. They perform analogous functions. | ukufana | adjective | kufana nokuthile | Ukusebenza kwenhliziyo yomuntu nokushaya kwayo kuyinto efanayo. Kwenza imisebenzi efanayo. |
| analogy | noun | drawing a comparison in order to show a similarity between two things | One may find analogies with one's own emotions and feelings in another person's poetry. | ukufanana | noun | ukuthatha izinto ezifanayo bese ziyaqhathaniswa ukuze kuboniswe ukufana phakathi kwezinto ezimbili. | Kusengenzeka ukuthi uthole ukuthi kunemizwa efanayo kwizinkondlo zakho kanye nemizwa efanayo futhi kwizinkondlo zomunye umuntu. |
| analogy | noun | something that is comparable to something else in significant ways | There is an analogy between your own emotions and the feelings expressed in someone else's poems. | ukufana | noun | okuthile okufana nokunye ngezindlela eziphawulekayo kakhulu | Kukhona ukufana phakathi kwemizwelo nemizwa evezwe enkondlweni yomuntu othile. |
| analyse | verb | to break up a whole into the parts of which it was composed and identify relationships among the parts | The students must analyse a chemical compound in order to identify it. | hlaziya | verb | ukunqamula noma ukuhlakaza into ethile ibe yizingxenye eziyakhele bese uhlonza ubudlelwano phakathi kwezingcezu lezo. | Abafundi kufanele ukuthi bahlaziye i-chemical compound ukuze bakwazi ukuyihlinza. |
| analyse | verb | to examine something methodically in order to explain it | You analyse a text if you examine its parts separately. | hlaziya | verb | ukuhlaziya okuthile ngokuhleleka ukuze ukuchaze | Uhlaziya umbhalo uma uhlola izingxenye zawo ngokwehlukile. |
| analytical | adjective | making use of analysis | Your thinking is analytical if you prefer to analyse separate parts.` | hluzekile | adjective | ukuhluzeka | Ucabanga ngendlela ehluzekile uma ukhetha ukuhlaziya izingxenye ngokwehlukile. |
| anecdotal | adjective, adverb | by means of stories | The speaker has an anecdotal style, because he loves anecdotes. | ukulandisa | adjective, adverb | ngokuxoxa izindaba | Isikhulumi sinesitayela esilandisayo, ngoba sithanda izindatshana. |
| anecdote | noun | short, entertaining narrative that is usually true | The famous speaker alternates his serious argument with anecdotes from his life. | indatshana | noun | ukulandisa, okujabulisayo ngokuvamile okuyiqiniso | Isikhulumi esidumile sishintshashintsha ingxoxo yaso engathi sina ngokulandisa ngokuphila kwaso. |
| annual | adj | calculated over the period of one year | The annual income of a top CEO in South Africa is more than one million rand. | kwangonyaka | adj | ukuchaza ubuningi noma ubungako obuyisilinganiso okubalwe ngaphezu kwesikhathi esithile sonyaka. | Imali engenayo ngonyaka Kwizikhulu Eziphethe Izinkampani eNingizumu Afrika ingaphezulu kwesigidi samarandi ngonyaka. |
| annual | noun | a magazine or book that is published once a year and that has the same title, but different content | The *Modern Scientist* is an annual which appears in December every year. | unyakanye | noun | iphephabhuku noma incwadi eshicilelwa kanye ngonyaka ehlala inesihloko esifanayo kodwa iqukathe izinto ezehlukene ngaphakathi. | Iphephabhuku i-*Modern Scientist* wunyakanye ophuma njalo ngoZibandlela unyaka nonyaka. |
| annual | noun | a magazine or book that is published once a year with the same title but different content | Modern Scientist is an annual published in December. | minyaka yonke | noun | imagazini noma incwadi enyatheliswa kanye ngonyaka enesihloko esifanayo kodwa okuqukethwe okuhlukile | I-Modern Scientist inyatheliswa minyaka yonke ngoDisemba. |
| annual | adjective | happening once every year | She'll be getting her annual pay increase this month. | kanye ngonyaka | adjective | kwenzeka kanye ngonyaka | Kule nyanga uzokhushulelwa umholo wakhe okwenzeka kanye ngonyaka |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| anomaly | noun | something that differs from what is usual, normal or expected | With his introverted nature, he was an anomaly in his exuberant family. | into ejwayelekile | noun | into eyehlukile kunaleyo ejwayelekile noma elindelekile. | Phela lowo njengoba simazi ukuthi ungumuntu ozithulelayo nje, wavela waba yinto eyejwayelekile nje emndenini wakhe onomdlandla. |
| anthropological | adjective | relating to anthropology | Anthropological studies today focus on all types of communities and use, among others, qualitative research to verify findings. | okwesayensi yokuhlalisana kwabantu | adjective | kuhlobene nesayensi yokuhlalisana kwabantu | Ucwaningo lwesayensi yokuhlalisana kwabantu lugxile kuzo zonke izinhlobo zemiphakathi bese phakathi kwezinye izinto lusebenzisa ucwaningo lwekhwalithi ephezulu ukuqinisekisa lokho okutholakele. |
| anthropology | noun | systematic study of the origin and evolution of human beings, the organisation of social and cultural relationships, human behaviour, variations between different people, how the evolutionary past of homo sapiens influenced its social organisation and culture, etc. | Anthropology is a global discipline today, while earlier it was more limited to Europe. There are branches such as biological, cultural, linguistic and social anthropology. | isayensi yokuhlalisana kwabantu | noun | ucwaningo lwendabuko nokuziphendukela kwemvelo kwabantu, ukwakheka kobudlelwano bezenhlalo nesiko, ukuziphatha komuntu, ukwehlukana phakathi kwabantu abahlukahlukene, indlela isikhathi esedlule sokuziphendukezela kwemvelo kwabantu esithonye ngayo ukwakhekha kwezenhlalo nesiko, njjl. | Namuhla isayensi yokuhlalisana kwabantu iyisifundo sembulunga yonke, kuyilapho ekuqaleni sasitholakala eYurophu kuphela. Kukhona amagatsha ahlukahlukene afana nesayensi yezomzimba, yezosiko, yezolimi, kanye neyezenhlalo. |
| anticipate | verb | to regard something as probable or likely | The results are not as favourable as anticipated. | lindela | verb | ukuthatha into njengento okungenzeka yenzeke noma esemathubeni okuthi ingenzeka. | Imiphumela yona ayimihle njengendlela elindelwe ngakhona. |
| anticipate | verb | to logically foresee events that might happen in the future | Using textual clues, a good reader anticipates what will happen later in the text and then formulates hypotheses. | lindlela | verb | ukubona ngokwengqondo izenzakalo ezingase zenzeke esikhathini esizayo | Esebenzisa amacebiso angokombhalo, umfundi ofanelekile ulindela lokho okungase kwenzeke ngokulandelayo embhalweni bese akha umbono ofanele. |
| anticipatingly | adverb | in anticipation | The strategic reader reads anticipatingly as she formulates hypotheses using the available text clues. | ngokulindela | adverb | ngokulindela | Umfundi oyingcweti ufunda ngokulindela njengoba akha imibono esebenzisa amacebiso wombhalo atholakalayo. |
| anticipation | noun | the action of expecting something | Anticipation of what happens next in the text is accompanied by hypotheses based on the available text clues. | ukulindela | noun | isenzo sokulindela okuthile | Ukulindela lokho okuzolandela embhalweni kuhambisana nombono osuselwe emacebisweni wombhalo atholakalayo. |
| anticipatory | adjective | containing, expressing or revealing anticipation | The anticipatory reading action is very effective. | ukuveza ukulindela | adjective | kuqukethe, kucacisa noma kuveza ukulindela | Isenzo sokufunda ngokuveza ukulindela siyaphumelela kakhulu. |
| antonym | noun | a word which means the opposite | BACK is the antonym of FRONT. | umqondofana | noun | igama elisho okuphambene nalokho | INGEMUVA lingumqondofana LAPHAMBILI. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| apparent | adj | easy to see or understand | It is apparent that many users of African languages seem to prefer being educated in English because of the perceived benefits that still accompany the language. | kuyacace | adj | okulula ukukubona noma ukukuqonda. | Kuyacaca ukuthi abantu abaningi abasebenzisa izilimi zomdabu zase-Afrika bakhetha ukuthi bafundiswe ngesiNgisi ngenxa yemihlomulo okukholakala ukuthi ikhona uma umuntu efunde ngesiNgisi. |
| apparent | adjective | easy to notice | The discomfort of the young researcher was apparent, because he began to blush when the journalist approached him. | okubonakalayo | adjective | okulula ukukubona | Ukungakhululeki komncwaningi osemusha kwakubonakala, ngoba waqala ukuba namahloni lapho intatheli isondela kuye. |
| appeal | noun | a formal request to an authority for a decision to be changed | He made an appeal to the court to shorten his sentence. | ukwedlulisa isinqumo | noun | isicelo esisemthethweni esibhekiswe kwabasemagunyeni ngenhloso yokuthi kushintshwe isinqumo. | Wedlulisa isinqumo enkantolo ecela ukuba imehlisele isigwebo. |
| appeal | verb | to make a formal request to some authority for a decision to be changed | The student appealed to the council against the decision to expel him. | dlulisa isinqumo | verb | ukwenza isicelo esisemthethweni usibhekiswe kwabasemagunyeni ngenhloso yokuthi kushintshwe isinqumo. | Umfundi wasedlulisela emkhandlwini isinqumo sokuthi makaxoshwe esikoleni. |
| appeal | verb | to persuade somebody to do something on the grounds that it is fair and reasonable to do so | Disagreements can only be resolved if we appeal to principles of justice. | landela | verb | ukuncenga umuntu ukuthi enze okuthil ngaphansi kombandela wokuthi leyo nto ifanele futhi iphusile ukuthi angayenza. | Ukungaboni ngaso linye kungasonjululwa kuphela uma silandela imigomo yobulungiswa. |
| appeal | verb | make an urgent public request | The teachers' union appealed for programmes at all schools to teach learners to swim. | isicelo | verb | ikwenza isicelo esiphuthumayo sobala | Inyunyana yothisha yenza isicelo sokuthi kube khona izinhlelo kuzo zonke izikole zokufundisa abafundi ukubhukuda. |
| conclusion | noun | an opinion you reach after thinking about all the information | The judge has reached a conclusion and will deliver her verdict next week. | isiphetho | noun | umbono ofinyelela kuwo ekugcineni ngemuva kokucabanga ngalo lonke ulwazi. | Ijaji selifinyelele esiphethweni futhi selizokwethula isinqumulo salo ngesonto elizayo. |
| conclusion | noun | an opinion you reach after considering all the information | The anecdotal conclusion of his lecture was greeted with loud applause. | isiphetho | noun | isiphetho osifinyelelayo ngemva kokucabangela lonke ulwazi | Isiphetho esingenabufakazi sesifundo sakhe samukelwa ngokushaya ihlombe okuphezulu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| conclusion | noun | the completion and finalisation of something | The conclusion of a dissertation requires nerves of steel because there is so much detail to be finally checked. | isiphetho | noun | ukuphetha noma ukuqedela okuthile | Ukuphetha indatshana kudinga ukuthi ube nomoya ophansi nakuba kunzima ngoba kunolwazi oluningi kakhulu okufanele luhlolwe. |
| conclusion | noun | an opinion you reach after thinking about all the information | In consequence of his poor class attendance and incomplete class mark, I have arrived at the conclusion that he is not interested in study or may be struggling with personal problems. | isiphetho | noun | umbono owufinyelelayo ngemva kokucabangela lonke ulwazi | Ngenxa yokwehluleka ukuba kuwo wonke amakilasi wakhe ngisho nokuphothula uphawu lwakhe lwekilasi, ngifinyelele esiphethweni sokuthi akanaso isithakazelo ocwaningweni noma unezinkinga zomuntu siqu. |
| conclusion | noun | an opinion you reach after considering all the information | Professor Mohapi is impressed with his student's essay in which the problem statement is well motivated and the student comes to a clear conclusion of his argument. | isiphetho | noun | umbono owufinyelelayo ngemva kokucabangela lonke ulwazi | USolwazi Mohapi ujabule kakhulu ngendaba yomfundi wakhe lapho isitatimende esiveza inkinga siye sasekelwa kahle futhi umfundi ephethe kahle ingxoxo yakhe. |
| concrete | adjective, adverb | in a concrete (physical) way | Without concrete thinking, full understanding of many academic words is impossible. | okwethenjwayo | adjective, adverb | ngendlela (engokoqobo) ethenjwayo | Ngaphandle kokucabanga okunobufakazi, ukuqonda ngokugcwele amagama amaningi wezemfundo akunakwenzeka. |
| concretise | verb | to make concrete | Students must concretise concepts using examples. | ukwenza kube okunobufakazi | verb | ukwenza kube okwethenjwayo | Abafundi kufanele benze imibono ibe ethenjwayo besebenzisa izibonelo. |
| concur | verb | agree with somebody or something | We concur with the decision. | vumelana | verb | ukuvumelana nomunye umuntu noma nento ethile. | Siyavumelana nesinqumo soMnyango Wezezimali sokuthi kwenziwe ngcono kwizicelo ezifakwe ngamaqembu ezepolitiki ukuthi achaze umsebenzi wepolitiki ohlobene namaqembu enhlalakahle nalabo abangenele ukhetho. |
| concurrent | adj | occurring at the same time | The artist's work was displayed in three concurrent exhibits. | ngasikhathi sinye | adj | okwenzeka noma okuqhubeka ngesikhathi esifanayio. | Kunemicimbi emithathu yomculo eyenza ngasikhathi sinye lapha edolobheni. |
| condemn | verb | disapprove of something or someone very strongly | The international community condemned the acts of violence in the country. | gxeka | verb | Ukubonisaukungahambisani ngokunamandla nento ethile noma ukugxibha. | Umphakathi wamazwe omhlaba uzigxeke kakhulu izenzo zodlame ezenzeka kuleli lizwe. |
| condemn | verb | to give judgement against something or someone | One can easily condemn the actions of others without regard to their circumstances. | ukulahla | verb | ukwahlulela okuthile noma othile | Othile angakwazi ukulahla kalula izenzo zabanye ngaphandle kokucabangela izimo zabo. |
| conduct | verb | to perform or carry out | The university conducted a survey into student responses to the newly implemented fee structure. | enza | verb | ukwenza noma ukuqhubeka nomsebenzi othile. | Inyunivesi yenza ucwaningo ngezimpendulo zabafundi mayelana nohlelo olusha lwezimali oseluqalisiwe. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| conduct | noun | the way a business, campaign or activity is organised or managed | There is growing criticism of the conduct of the pharmaceutical companies in the Third World. | ukuziphatha | noun | indlela ibhizinisi, umkhankaso, umsebenzi, njll. ohlelwe ngakhona noma ophethwe ngakhona. | Kunokugxeka okukhulu ngendlela izinkampani zemithi eziziphethe ngayo Ezweni Lesithathu. |
| confer | verb | exchange thoughts on something | The two judges conferred with each other and agreed that the man should be sentenced to life in prison. | hlangana | verb | ukuba nenguyazana yomhlangano ukuze nikhulume ngento ethile. | Amajaji amabili ahlangana ase evumelana ukuthi le ndoda kufanele ukuthi igwetshwe udilikajele. |
| confer | verb | to give an honour, degree, title, etc. to someone | A doctorate in engineering was conferred on him in 1998. | thwesa | verb | ukunika inhlonipho, ijazi lemfundo, isibizo, njll. kumuntu othile. | Wethweswa ijazi lobudokotela kwezobunjiniyela ngonyaka ka 1998. |
| confer | verb | to officially give someone a degree, title, etc. | A doctorate in engineering was conferred on him in 2019. | nikeza | verb | ukunikeza othile isiqu, isikhundla, njll. | Wanikezwa isiqu sobunjiniyela ngo-2019. |
| confine | verb | to place limits on | Reading problems are not confined to school dropouts. | ukubekwa | verb | ukubeka imikhawulo entweni ethile; nqinda. | Izinkinga zokufunda azibekiwe kulabo abashiye phansi esikoleni kuphela. |
| confine | verb | to prevent something from spreading beyond a particular place or group. | Health officials have confined the foot and mouth epidemic to Kwazulu-Natal. | gcina | verb | ukuvikela into ukuthi isabalale ngaphezu kwendawo ethile noma kweqembu elithile. | Izikhulu zezempilo zikwazile ukugcina isifo samatele siKwaZulu-Natali kuphela. |
| confine | verb | to prevent something from spreading beyond a particular place or group | Two firefighters managed to confine the fire to the living room. | vimbela | verb | ukuvimbela okuthile ukuthi kungasabalali ngale kwendawo noma kweqembu elithile | Abacimbi bomlilo ababili bakwazi ukuvimbela ukuthi umlilo uphelele kuphela egumbini lokuphumula. |
| confirm | verb | to say, or show with facts or evidence, that something is definitely true | Further genetic tests confirmed the diagnosis. | qinisekisa | verb | ukuthola amandla njengobufakazi obusha noma amaqiniso amasha. | Okunye ukuhlolwa kofuzo kuye kwaqinisekisa ukugula okukhona. |
| confirmation | noun | the action of confirming something | The official confirmation of prof. Schroeder's appointment as dean was not a surprise to us. | ukuqinisekisa | noun | isenzo sokuqinisekisa okuthile | Ukuqinisekiswa okusemthethweni kokukhethwa kukaSol. Schroeder njengomphathi akuzange kusimangaze. |
| confirmation | noun | reinforcement or proof with new evidence or facts | Confirmation of your statements by citing facts and examples is essential if you want to convince people. | ukuqinisekisa | noun | ukuqinisekisa noma ubufakazi bolwazi noma amaqiniso amasha | Ukuqinisekisa izitatimende zakho ngokucaphuna amaqiniso nezibonelo kubalulekile uma ufuna ukukholisa abantu. |
| conflict | verb | to be completely different from each other | These results conflict with earlier findings. | shayisana | verb | ukwehluka kakhulu entweni ethile, noma ukuphikisa into ethile. | Le miphumela iyashayisana nemiphumela yaphambilini. |
| conflict | noun | a situation where people are in serious disagreement | Managing and resolving conflicts over natural resources may define global peace and security in the 21st century. | ingxabano | noun | isimo lapho khona abantu benokungavumelani okunzima impela. | Ukukwazi ukulawula kanye nokusombulula izingxabano ngezinto zemvelo kungenzeka kuchaze ukuthula komhlaba kanye nokuphepha kwikhuluminyaka lama-21. |
| conform | verb | adapt to something | Some students feel the pressure to conform and not to be different. | ukufana | verb | ukuba yinto efanayo noma ukuhambisana nokuthile. | Abanye abafundi bayayizwa ingcindezi yokufana ukuze bengehluki kwabanye. |
| conform | verb | to obey a law, rule, etc. | New drugs must conform to the standards of the Medical Research Council. | hambisana | verb | ukuhlonipha umthetho, isiqondiso, njll. | Imithi emisha kufanele ukuthi ihambisane nezimiso ze-Medical Research Council. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| conform | verb | to comply with laws, rules or standards | Students often tend to conform about dress and hairstyle, because they want to feel like they are part of the group. | vumelana | verb | ukuthobela imithetho, iziqondiso noma izimiso | Ngokuvamile abafundi bavumelana nendlela yokugqoka nezitayela zezinwele, ngoba bafuna ukuzizwa sengathi bayingxenye yeqembu. |
| conforming | adjective | behaving according to certain social standards | Conforming behaviour is typical in young people. | vumelana | adjective | ukuziphatha ngokuhamisana nezimiso ezithile zezomphakathi | Ngokuvamile ukuziphatha kokuvumelana kutholakala kwabasebasha. |
| conformity | noun | compliance with laws, rules or standards | In a community there is always a certain degree of conformity to the norms of a particular system. | ukuvumelana | noun | ukuvumelana nemithetho, iziqondiso noma izimiso | Emphakathini kuhlale njalo kukhona izinga elithile lokuvumelana nemikhuba yohlelo oluthile. |
| congruence | noun | correct ratio of the parts or elements to each other | In a well-designed academic text, there is always thematic congruence between all the parts of the text. | ukuhlangana | noun | isilinganiso esifanele sezingxenye noma izici zazo ngazinye | Embhalweni wezemfundo oklanywe kahle, kuhlale njalo kukhona ukuhlangana phakathi kwazo zonke izingxenye zombhalo. |
| congruent | adjective | fitting together | Students who plan their academic essay well will ensure that the title is congruent with the introduction and conclusion. | ukuhlangana | adjective | kuhlangana ndawonye | Abafundi abahlela kahle indaba yabo yezemfundo bazoqinisekisa ukuthi isihloko sihambelana nesingeniso nesiphetho. |
| congruent | adjective | in agreement with each other | In a well-thought-out academic text, all the parts are thematically congruent, because everything is relevant to the student's theme. | ukuhlangana | adjective | ukuvumelana | Embhalweni wezemfundo ocatshangelwe kahle, zonke izingxenye zihlanganiswe kahle, ngoba yonke into ihambisana nesihloko somfundi. |
| connect | verb | to join together | A conjunction connects two main sentences or a main sentence and a clause. | ukuhlanganisa | verb | ukuxhumanisa. | Ibhuloho elihamba abezinyawo lixhuma ikhempasi enkulu nekhempasi eseningizimu nekhempasi. |
| connect | verb | establish a link between people or things | In his dissertation he attempted to connect the economic and cultural dimensions. | xhumana | verb | ukwenza ukuthi kube nokuxhumana phakathi kwabantu, kwezinto, njll. | Kwi-dissertation yakhe wazama ukuxhumanisa izinhlaka zezomnotho kanye nezamasiko. |
| connect | verb | to join together meaningfully | Experienced students know how to connect the content of the lecture to the theory. | xhumanisa | verb | ukuhlanganisa ngendlela enengqondo | Abafundi abanolwazi bayayazi indlela yokuxhumanisa okuqukethwe kwesifundo nokucatshangelwayo. |
| connected | adjective | belonging together | Experienced lecturers know lecture content and subject principles are connected to each other. | kuxhunyanisiwe | adjective | kuyahambisana | Abafundisi abanolwazi bayazi ukuthi okuqukethwe kwesifundo kanye nezimiso zesihloko kuxhumene. |
| connecting | adjective | joining different things or aspects together | A clumsy writing style is often caused by the absence of linking words or connecting phrases. | ukuxhumanisa | adjective | ukuhlanganisa ndawonye izinto ezahlukene noma izingxenye | Isitayela sokubhala okuxakile sibangelwa ukungabi khona kwamagama noma imisho ehlanganayo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| connecting | noun | making connections between | An experienced lecturer frequently stresses the connecting of facts with subject principles. | ukuhlangana | noun | ukwenza ukuhlangana phakathi | Ngokuvamile umfundisi onolwazi ugcizelela amaqiniso ahambisanayo ngezimiso zesifundo. |
| connection | noun | a relationship between things | Experienced lecturers always indicate in their lectures the connection between lecture content and broad subject principles. | uxhumano | noun | ubudlelwano phakathi kwezinto | Njalo abafundisi abayizingcweti babonisa ezifundweni zabo uxhumano olukhona phakathi kokuqukethwe kwesifundo nezimiso zesifundo ezinzulu. |
| connection | noun | a relationship between things | The connection between the main sentence and the clause is established by a conjunction. | uxhumano | noun | ubudlelwano phakathi kwezinto | Uxhumano phakathi komusho oyinhloko kanye nomushwana lutholakala ngesihlanganiso. |
| connotation | noun | idea or feeling which is associated with a word, apart from the literal meaning | Words have a cultural and emotional meaning or connotation, in addition to their literal meaning or denotation. | incazelo | noun | umbono noma umuzwa ohlobene negama, ngaphandle kwencazelo engokoqobo | Amagama anencazelo engokwesiko noma engokomzwelo, ngaphezu kwencazelo noma isisho sawo esingokoqobo. |
| connotative | adjective | suggesting a secondary meaning in addition to the primary meaning | The connotative meaning of CAT in our house is woolly angel. | okusikiselwayo | adjective | ukusikisela incazelo yesibili ngaphezu kwencazelo eyinhloko | Incazelo esikiselwayo yokuba khona KWEKATI endlini yethu isho ibhadi. |
| consensual | adjective | created by agreement between parties | A consensual agreement was reached between the struggling academics to better manage resources in the future. | ukuvumelana | adjective | isivumelwano phakathi kwamalungu ahlukene | Kwafinyelelwa isivumelwano phakathi kwabafundi abathwele kanzima ukuze baphathe kahle izinsiza esikhathini esizayo. |
| consensus | noun | general agreement | There is no consensus among scientists on the causes of breast cancer. | isivumelwano | noun | isivumelwano esivamile | Asikho isivumelwano phakathi kososayensi mayelana nalokho okuyimbangela yomdlavuza wamabele. |
| consent | verb | to respond favourably or give an affirmative reply to | Since she is of age, her parents do not have to consent on her behalf. | vuma | verb | ukunika impendulo ebonisa ukuhambisana nesimo esithile; ukuphendula ngendlela ebonisa ukuthanda. | Njengoba vele ngokweminyaka yakhe usekhulile, asisekho isidingo sokuthi abazali bakhe kube yibona abavuma egamemi lakhe. |
| consent | noun | permission to do something | You have to obtain informed consent from the respondents before the empirical part of the research can commence. | imvume | noun | imvume yokwenza into ethile. | Kufanele ukuthi uthole imvume lapho ovumayo enolwazi ngento ayivumayo ngaphambi kokuba uze uqale ukwenza ucwaningo. |
| consent | noun | agreement about something | By common consent, the board decided to ban rock music from the campus. | imvume | noun | isivumelwano mayelana nento ethile. | Ngemvume yawo wonke umuntu, ibhodi yabe isithatha isinqumo sokuwumisa umculo we-rock ekhempasini. |
| consequence | noun | a result of something | An immediate consequence of the Cold War in Russia was that military spending was cut dramatically and quickly. | umphumela | noun | umphumela wento ethile. | Umphumela owenzeka ngokushesha Ngempi Yomhlaba Ebandayo eRashiya kwaba ukuthi ukusetshenziswa kwemali kwezamasosha kwanqanyulwa ngendlela engakholakali kanye nangokushesha okukhulu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| consequent | adj | happening as a direct result of an event or situation | Rainforest destruction, and the consequent damage to the environment are now of primary concern in Central Africa. | ngemuva kwalokho | adj | okwenzeka ngenxa yomphumela wesigameko noma womthelela othile. | Ukufa kwamahlathi, kanti nokulimala kwemvelo ngemuva kwalokho yizinto eziyithinta kakhulu i-Afrika. |
| consider | verb | to think about or give attention to something that you are discussing or studying | After the open discussion between the lecturer and her students, she does consider some of their suggestions. | bheka | verb | ukucabanga ngento ethile noma ukunaka into okuxoxwa ngayo noma okufundwa ngayo. | Ngemuva kokubheka ucwaningo lwalokho okubhaliwe okuhlongozwa ukuthi kubhalwe ngakho, ikomidi locwaningo lathatha isinqumo sokukwemukela. |
| consider | verb | to think about | How do you consider this problem? | cabangela | verb | ukucaba ngakho | Ucabangani ngale nkinga? |
| considerable | adjective | quite long | He was on study leave for a considerable time. | isikhathi eside | adjective | cishe isikhathi eside | Uthathe ilivu yokufunda yesikhathi eside. |
| considerable | adj | large in number or amount or extent or degree | They received a considerable amount of money from the company to fund the project. | okubanzi | adj | okubanzi ngokwenombolo noma ngokwenani noma ngokokwenzeka. | Bathola inani elibanzi impela lemali elalivela enkampanini ukuthi kufakwe izimali kule projekthi. |
| considered | adjective | which has been tought about or given attention to | Our wise professor always gives his considered opinion only after deep thought. | kucatshangelwe | adjective | okucatshangelwe noma okunakiwe | USolwazi wethu ohlakaniphile njalo usho umbono wakhe ocatshangelwe ngemva kokucabanga kanzulu ngawo. |
| consist | verb | made up of. | Porcelain consists primarily of clays, feldspar or flint, and silica. | ukwakhiwa | verb | sakhiwe. | Isakhiwo se-porcelain sakhiwe wubumba, olunye udaka olwaziwa nge-feldspar kanye nosilika. |
| consist | verb | made up of | Porcelain consists primarily of clays, feldspar or flint, and silica. | qukethe | verb | kuqukethe | Ngokuyinhloko ubumba olumhlophe luqukethe ubumba, i-feldspar noma insengetsha, ne-silica. |
| consistency | noun | the quality of always behaving in the same way | Temperament can be described as the general consistency with which an individual reacts to certain situations. | into efanayo | noun | Izingabunjalo lokuhlala njalo uziphatha ngendlela efanayo. | Ukwenza into efanayo ekusebenziseni izinkathi kubaluleke kakhulu kwisigaba sokwenza embikweni waselabholethri. |
| consistency | noun | how thick, smooth or firm a substance is | The lump had a rubbery consistency. | okuqinile | noun | ukuqina kwento ethile, ebushelelezi noma eqinile kodwa ebe ingamanzi phakathi. | Igqubu leli liye laba nobukhulu obuthile obuqinile. |
| consistency | noun | that which arises logically from what has preceded | Academic essays must attest to consistency regarding style and presentation. | okungashintshi | noun | okufana nalokho osekwedlule | Indatshana yezemfundo kufanele ibe nesitayela nokwethulwa okungashintshi. |
| consistent | adj | be in agreement with something | The results of the research are consistent with the hypothesis. | okuvumelanayo | adj | okuvumelana nokuthile. | Imiphumela yalolu cwaningo iyahambisana naklokho obekuvele kucatshangelwa. |
| consistent | adj | always behaving in the same way, and continuing for a period of time | Government departments must be consistent in what they communicate. | ukuhambisana | adj | ngaso sonke isikhathi okuziphatha ngendlela ethile futhi okuqhubeka isikhathi eside. | Iminyango kahulumeni kufanele ukuthi ihambisane kulokho exhumana ngakho nabantu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| consistent | adjective, adverb | in agreement with something | The lecturer assesses his students' assignments in a consistent manner, because he consistently works with the same assessment criteria. | ukungashintshi | adjective, adverb | ngokuvumelana nokuthile | Umfundisi uhlola izabelo zabafundi bakhe ngendlela engashintshi, ngoba njalo usebenzisana nesigaba sokuhlolwa esifanayo. |
| constant | adj | uninterrupted in time and indefinitely continuing | The lecturer's constant encouragement motivate the students to succeed. | okungaguqukiyo | adj | okungaphazamisekile ngokwesikhathi futhi okuhlala njalo kuqhubeka. | Ukukhuthaza okungaguquki kukathisha kwabanika ugqozi abafundi ukuthi baphumelele. |
| constant | noun | a thing, quantity or value that always stays the same | In the world of business the only constant is a drive for profit. | ukuqina idolo | noun | into, ubuningi noma inani okuhlala ngaso sonke isikhathi kufana. | Ezweni lamabhizinisi ukuqina idolo yikhona okwenza inzuzo. |
| constituent | noun | one of the parts that combine to form a whole | Reading comprises of various constituents, such as basic decoding of information as well as comprehension. | ingxenye | noun | enye yezingxenye zento ezihlanganisa into ethile ukwenza into ethile ehlangene. | Ukufunda kuhlanganisa izingxenye eziningi kakhulu ezifaka phakathi ukuvula ulwazi oluthile kanye nokuqonda. |
| constituent | adjective | a voting member of an organisation | Mrs. Motsa is one of six constituent members of the organisation. | abamele | adjective | ilungu elivotayo lenhlangano | UNkz. Motsa ungomunye wamalungu ayisithupha wenhlangano. |
| constituent | adjective | being a part of the whole | The liver, kidneys and heart are only three constituent components of the larger human body. | ingxenye | adjective | ukuba ingxenye yokuthile | Isibindi, izinso kanye nenhliziyo izingxenye ezintathu ezibalulekile zomzimba womuntu ophelele. |
| constitute | verb | to form or compose | The nine provinces constitute the Republic of South Africa. | yenza | verb | ukwakha noma ukusungula. | Izifundazwe eziyisishiyagalombili zenza iNingizimu Afrika. |
| constitute | verb | to be something or represent something | His whole idea is that if vicious people are united and constitute power, then honest folk must do the same. | yenza | verb | ukufana nento ethile. | Umbono wakhe wonke owokuthi uma abantu ababi bekwazi bona ukuhlangana bese bakha amandla, lokho kusho ukuthi nabantu abethembekile ngokunjalo kufanele benze okufanayo. |
| constitute | verb | to set up or establish | The chair constitutes a meeting so that urgent matters can be discussed. | qalisa | verb | ukuqalisa noma ukusungula | USihlalo uqalise umhlangano ukuze kudingidwe izinkinga eziphuthumayo. |
| constitution | noun | set of established rules | The constitution of an organisation provides guidelines to members on how to manage it. | umthethosisekelo | noun | iqoqo lemithetho ebekiwe | Umthethosisekelo wenhlangano unikeza amalungu iziqondiso zokuwulawula. |
| constrain | verb | to hold back | The study is constrained by time and financial resources. | vimbela | verb | ukubamba. | Ucwaningo lwavinjelwa yisikhathi kanye nemithombo yezimali. |
| construct | verb | to make by combining materials and parts | The houses were constructed of stone and mud brick. | akha | verb | ukwenza ngokuhlanganisa izinto kanye nezingxenye. | Izindlu zakhiwa ngamatshe kanye nezitini zodaka. |
| construct | verb | to form something, such as an idea, sentence, argument or piece of writing, by joining different words, ideas, etc. | Charlotte constructed her theory from personal experience and research. | akha | verb | ukwenza into ethile, efana nomqondo, nomusho, nenkulumo noma umbhalo, ngokuhlanganisa amagama ahlukanisa, njll. | UCharlotte wakha ithiyori yakhe esusela ezigamekweni eziye zamehlela yena uqobo. |
| construct | noun | a complex idea, belief or philosophy | Race is largely a social construct influenced by social conditioning. | isakhiwo | noun | umqondo onezinto eziningi, inkolelo noma umqondo othile. | Uhlanga yisakhiwo somphakathi nesihlelwa ukuma kwezinhlaka zomphakathi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| construct | verb | to build or shape | You can construct the outlines of a house by using four pieces of wood of the same length. | yakha | verb | ukwakha noma ukumisa | Ungase wakhe izinhlaka zendlu usebenzisa izincezu ezine zokhuni ezilinganayo. |
| construct | verb | create or shape | Man constructs meaning together with other people within a specific context. | yakha | verb | ukudala noma ukumisa | Abantu bakha incazelo ndawonye nabanye abantu phakathi nomongo othile. |
| construct | noun | theory, usually based on qualitative norms, containing various conceptual elements | The ancient Greek construct of democracy differs widely from today's. | yakha | noun | umbono, ngokuvamile osuselwe emikhubeni emihle, onezici zemibono ehlukahlukene | Ukwakhiwa kwentando yeningi yesiGreki yasendulo kwehluke kakhulu kweyanamuhla. |
| construct | verb | to form something, such as an idea, sentence, argument or piece of writing, by joining different words, ideas, etc. | Khulani constructed his theory from personal experience and research. | yakha | verb | ukwakha okuthile, njengombono, umusho, impikiswano noma umbhalo, ngokuhlanganisa amagama ahlukene, imibono, njjl. | UKhulani wakhe umbono wakho ngokususelwe kulokho okuhlatshangezwane nakho kanye nocwaningo. |
| constructed | adjective | formed or built | Meaning is, to a large extent, a jointly constructed concept. | kwakhiwe | adjective | kwenziwe noma kwakhiwe | Incazelo, ngokwezinga elibanzi, lisho imibono eyakhiwe ehlanganisiwe. |
| construction | noun | something that has been built, usually a big structure | The builders erected a huge construction in the last four months. | isakhiwo | noun | okuthile okwakhiwe, ngokuvamile kusho isakhiwo esikhulu | Abakhi bakha isakhiwo esikhulu kakhulu ezinyangeni ezine ezedlule. |
| constructive | adjective, adverb | useful and beneficial | Students always learn a lot from prof. Cunningham's constructive comments at the bottom of their assignments. | wusizo | adjective, adverb | into ewusizo nezuzisayo | Abafundi bafunda okuningi kakhulu emazwaneni kaSol. Cunningham awusizo aba ngezansi kwezabelo zabo. |
| constructivism | noun | school of thought that states that knowledge and meaning are not neutral but socially constructed, in other words within the context of communities and historical periods | Constructivism is a theory that can be used in teaching and learning foreign languages. | ukwakheka [constructivism] | noun | imiqondo ehlukahlukene ebonisa ukuthi ulwazi nencazelo akuzona izinto ezivamile kodwa yizinto ezakhiwa emphakathini, ngamanye amazwi phakathi nomongo wemiphakathi nezinkathi zasendulo | Ukwakheka kungumbono ongase usetshenziselwe ukufunda nokufundisa izilimi zamanye amazwe. |
| constructivist | adjective | relating to the theory of constructivism | The reading act is a constructivist act because the reader's context determines the meaning of the text that has been read. | umakhi [constructivist] | adjective | kuhlobene nombono wokwakheka | Ukufunda kufana nesenzo sokwakha ngoba umongo womfundi nguwo onikeza incazelo yombhalo ofundiwe. |
| consult | verb | to go to a person, book, etc. for advice or information | She will consult a dictionary to check the spelling of the words. | bheka | verb | ukuya kumuntu noma kwincwadi, njll. ukuze uthole iseluleko ngolwazi. | Uzobheka kwisichazamazwi ukubheka isipelingi samagama. |
| consult | verb | to talk and exchange ideas and opinions about something so that you can make a decision together | Students are encouraged to consult with lecturers during consultation hours. | bonisana | verb | ukukhuluma kanye nokushintshana ngemiqondo kanye nemibono mayelana nento ethile ukuze ukwazi ukwenza isinqumo nindawonye. | Abafundi bayakhuthazwa ukuthi ukuthi babonisane nothisha babo basenyunivesi ngezikhathi zokubonana nabo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| consult | verb | search for information in a book | Students must consult the texts of various experts in the library before attempting their essays. | bheka | verb | ukucwaninga ulwazi encwadini | Abafundi kufanele babheke imibhalo yezingcweti ezahlukahlukene emtapweni wezincwadi ngaphambi kokuqala izindatshana zabo. |
| consume | verb | use up resources or materials | The dying of fabrics consumes large quantities of water. | yidla | verb | sebenzisa, isib. izinto ezininingi kakhulu. | Ukudaya izindwangu kudla amanzi amaningi kakhulu. |
| contemporary | adj | belonging to the present time | Contemporary landscape artists have discarded the idea of a pretty picture in favour of a work of art that expresses social commentary. | kwesimanjemanje | adj | yinto yangalesi sikhathi samanje. | Abadwebi besikhathi samanje bawushaye indiva umqondo wesithombe esihle kodwa okunalokho manje into asebegxile kuyo umsebenzi okhuluma ngezinto ezenzeka emphakathini. |
| contemporary | adjective | belonging to the same time as something else | Pop culture is contemporary in nature. | kwesimanje | adjective | kwesikhathi esifanayo nokwesinye | Isiko le-pop lingokwesimanje ngokwemvelo. |
| context | noun | the general situation, events or information that is related to an idea or event and that contributes to its understanding | The introductory chapter of a dissertation has to describe the context within which the research is situated. | umongo | noun | isimo esivamile, izehlakalo noma ulwazi olumayelana nomqondo noma nesigameko kanye nokusiza ukuthi saziwe noma siqondakale. | Isahluko sokwethula se-dissertation kufanele ukuthi sichaze umongo lapho kususelwe khona ucwaningo obelwenziwa. |
| context | noun | the words and sentences that come before and after a particular word, and which help to make its meaning clear | "Funny" can mean "strange" or "amusing", depending on the context. | umqondo | noun | amagama kanye nemisho okuza ngaphambi kanye nangemuva kwegama elithile, nasiza ukwenza ukuthi umqondo ucace. | Igama elithi "umfundisi" kungenzeka lisho "oshumayelayo" noma "uthisha", kuye ngomqondo oqondiwe ngaleso sikhathi. |
| context | noun | the words and sentences that come before and after a particular word, and which help to make its meaning clear | The same word can mean different things depending on the context. | umongo | noun | amagama nemisho avela ngaphambi nangemva kwegama elithile, futhi asiza ukwenza incazelo yawo icace | Igama elifanayo lingase lisho izinto ezahlukene kuya ngomongo. |
| context | noun | coherence in which the meaning or value of the parts is determined by the whole or by their relationship, and that of the whole by the parts | Constructivism is a school of thought that does not regard knowledge as unchanging truth but as contextual, i.e. as determined by communities within context. | umongo | noun | ukuhambisana lapho incazelo noma inani lezingxenye litholakala ngokuphelele noma ngobudlelwano kwakho, nalokho okuphelele ngokwezingxenye | I-Constructivism imiqondo ehlukahlukene engabheki nje ulwazi njengeqiniso elingashintsheki kodwa kuya ngomongo, isb. njengoba kuchazwa imiphakathi phakathi nokomongo. |
| contextual | adjective, adverb | relating to the context in which something happens, or to the context of a text | A contextual approach to problem solving is essential, especially where groups with diverse views are involved. | nomongo | adjective, adverb | okuhlobene nomongo lapho okuthile kwenzeka, noma nomongo wombhalo | Indlela engokomongo yokuxazulula inkinga ibalulekile, ikakhulukazi lapho kukhona amaqembu anemibono engafani. |
| contextualise | verb | put something in context | To understand the poem, you have to contextualise it in die Soweto of the mid-1970s. | ukwenza ukube umongo | verb | ukufaka okuthile kumongo | Ukuze uqonde inkondlo, kufanele uyifake kumongo we-in die Soweto yangonyaka yamaphakathi nama-1970. |
| contract | noun | a binding agreement which can be enforced by law | The contract stipulates that the work must be completed within three months. | inkontileka | noun | Isivumelwano esibophezelayo nesingenziwa ukuthi sisebenze ngumthetho. | Inkontileka yayikusho kahle ukuthi umsebenzi kwakufanele ukuthi uqedwe kwizinyanga ezintathu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| contract | verb | to make a formal agreement with somebody to do something | The carpenter was contracted to do the work on the eastern side of the quadrangle by 30 November 1443. | nika inkontileka | verb | ukwenza isibonelo esisemthethweni nomuntu othile ukuthi enze okuthile. | Umbazi wanikwa inkontileka yokuthi enze umsebenzi ngasohlangothini lwangasempumalanga lwegceke ngomhla zingama-30 kuLwezi 1443. |
| contract | noun | mutual agreement or treaty | There is an unspoken social contract between all people. | isivumelwano | noun | isivumelwano esifanayo | Kukhona isivumelwano sezomphakathi esingakhulunywanga phakathi kwabo bonke abantu. |
| contract | verb | to enter into a formal agreement with someone to do something | The carpenter was contracted to do the work on the eastern side of the building. | isivumelwano | verb | ukungenala isivumelwano esisemthethweni nothile ukuze enze into ethile | Umbazi wangenela isivumelwano sokwenza umsebenzi ohlangothini olungasempumalanga kwebhilidi. |
| contract | verb | to enter into or to conclude a contract | The university annually contracts a number of contract lecturers to reduce the teaching burden. | ikhontilaki | verb | ukungenela noma ukuzibophezela ngenkontilaki | Minyaka yonke inyuvesi iqasha inani labafundisi besikhashana ukuze inciphise umthwalo wokufundisa. |
| contractual | adjective, adverb | according to a contract | The parties are contractually obliged to submit a financial report annually. | ngokwenkontilaki | adjective, adverb | kuya ngenkontilaki | Amalungu aboshelwe ngokwenkontilaki ukuthumela umbiko wawo wezimali minyaka yonke. |
| contradict | verb | to be very different from each other, said or written, to the extent that one may be wrong | A statement he makes in a recent article contradicts a claim he made in an article published five years ago. | shayisana | verb | ukwehlukana kakhulu, kungaba okushiwo ngomlomo noma okubhaliwe, nokungaze kusho ukuthi kungenzeka ukuba umuntu ushaya eceleni kulokho. | Lesi sitatimende asenze kulo mbhalo wakhe wakamuva siyashayisana nalokho akusho komunye umbhalo wakhe owashicilelwa eminyakeni emihlanu edlule. |
| contradict | verb | to prove negative; show to be false | The vice president's statement contradicts the facts uncovered by journalists. | phikisana | verb | ukuveza ubuqiniso bokuthi okuthile akusilona iqiniso; ukubonisa ukuba yiphutha kwento ethile. | Isitatimende sikasekela mongameli siphikisana namaqiniso atholwe yizintatheli. |
| contradict | verb | to say the opposite of what you or someone has said before | A statement he makes in a recent article contradicts a claim he made in an article published five years ago. | | | | |
| contradict | verb | to prove something as negative or false | The vice president’s statement contradicts the facts uncovered by journalists. | phikisa | verb | ukufakazela okuthile njengokubi noma okungamanga | Isitatimende sikangqongqoshe siphikisana nalokho okutholwe izintatheli. |
| contradict | verb | to make or contain statements that are completely different from each other | You contradict yourself when you say you accept violence and you believe in a peaceful society. | ukuphikisa | verb | ukwenza noma ukuba nezitatimende ezingafani neze | Uyaziphikisa lapho uthi uvumela udlame futhi ukholelwa emphakathini onokuthula. |
| contradiction | noun | a lack of agreement between facts, opinions or actions | What a contradiction! The accused said yesterday that the neighbour is the culprit and today he says it’s the neighbour’s wife. | ukungqubuzana | noun | ukungabibikho kokuvumelana phakathi kwamaqiniso, kwemibono noma kwezenzo. | Uma kunokungqubuzana phakathi kwemithombo yakho kuyofanele ukuthi uthathe isinqumo sokuthi yimuphi owukholwayo, bese uthola ubufakazi obengeziwe ukuweseka lowo mthombo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| contradiction | noun | a combination of two things that seem to be the opposite of each other | His cold eyes are a contradiction of his kind words. | ukuphikisana | noun | inhlanganisela yezinto ezimbili ezibonakala zingafani | Amehlo wakhe angenazwelo aphikisana namazwi wakhe anomusa. |
| contradictory | adjective | which is so diverse that it cannot all be true | He is known everywhere for his contradictory allegations. | phikisanayo | adjective | okwehluke kakhulu kangangokuthi akukwazi ukuba iqiniso | Udume kakhulu ngezinsolo zakhe eziphikisanayo. |
| contradictory | adjective | which differ so much from each other that both cannot be true or correct | The contradictory look in his cold eyes made his kind words seem false. | phikisanayo | adjective | okuhluke kakhulu kokunye kangakokuthi akukwazi ukuba okulungile noma okuyiqiniso | Ukubukeka kwamehlo wakhe angenamizwelo okuphikisanayo kwenza kuthi amazwi wakhe anomusa abonakale engelona iqiniso. |
| contrary | noun | completely different or the exact opposite | He said that water contracts when it freezes; on the contrary, it expands. | okuphikisayo | noun | okwehluke kakhulu noma okuphikisana kakhulu nalokho. | Wathi amanzi ayanwebeka uma eqina eba yiqhwa; okuphikisa lokho ukuthi, amanzi ayenab asabalale. |
| contrary | noun | the opposite of what has been said or done. | There is a sense that this runs contrary to the spirit of the agreement. | okuphikisanayo | noun | okuphikisa lokho okushiwo noma okwenziwe. | Kunomuzwa wokuthi lokhu kuyaphikisana nomoya wesivumelwano. |
| contrary | noun | the opposite is true | The two experts were not friendly to each other – on the contrary, they were shouting at each other. | phambene | noun | okuphambene nalokho kuyiqiniso | Izingcweti ezimbili azizange zibonisane umusa – ngokuphambene nalokho, zazithethisana. |
| contrary | noun | the opposite of what has been said or done | They did not believe his story, because they have proof to the contrary. | phambene | noun | okuphambene nalokho okushiwo noma okwenziwe | Abazange bayikholwe indaba yakhe, ngoba banobufakazi bokuphambene nalokho. |
| contrary | noun | just the opposite | He said that water contracts when it freezes – on the contrary, it expands. | phambene | noun | okuphambene nokunye | Wathi amanzi ayancipha lapho eqandiswa – ngokuphambene nalokho, ayanda. |
| contrary | adj | completely different and opposed to another belief, opinion, idea or view | This idea is contrary to the general view held by management. | shayisana | adj | okwehluke ngokuphelele futhi okuphikisanayo nokunye ukukholelwa, okuphikisanayo nombono, nomqondo noma nokuqonda okuthile. | Kodwa lo mbono uyashayisana nombono wabaphathi nje bebonkana jikelele. |
| contrast | verb | to compare two things in order to show the differences between them | In the play the happy life of a simple working woman is contrasted with the unhappy life of her wealthy employer. | qhathanisa | verb | ukuqhathanisa izinto ezimbili ukuze ubonise umehluko phakathi kwazo. | Kulo mdlalo impilo enokujabula yowesifazane ozisebenzelayo iqhathaniswa nempilo engenakuthokoza yomqashi wakhe oyisicebi. |
| contrast | noun | a sharp distinction between things, especially if you place them next to each other | Contrasts were observed between the two products in terms of price, functionality and durability. | ukushayisana | noun | into eyehluke kakhulu kwenye into, ikakhulukazi uma uyibeka eduze kwenye. | Ukushayisana kwaye kwabonakala phakathi kwemikhiqizo emibili ngokwenani, ukusebenza kwayo kanye nesikhathi esihlalayo leyo mikhiqizo. |
| contrast | noun | stark difference | The contrast between light and dark is very clear. | umehluko | noun | umehluko omkhulu | Umehluko phakathi kokukhanya nobumnyama ugqame kakhulu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| contrast | verb | compare two things and show how they clearly differ from each other | The lecturer contrasts the two areas of knowledge by describing their conflicting characteristics. | umehluko | verb | ukuqhathanisa izinto ezimbili bese ucacisa ukuthi zehluke kakhulu kangakanani | Umfundisi ubonisa umehluko phakathi kwezindawo ezimbili zolwazi ngokuchaza izici zazo ezingqubuzanayo. |
| contrast | noun | a big difference between things, especially if you place them next to each other | Silence and noise form a contrast. | umehluko | noun | umehluko omkhulu phakathi kwezinto, ikakhulukazi lapho uzibeka ndawonye | Ukuthula nomsindo kwenza umehluko. |
| contrasting | adjective, adverb | differing in a striking way | Grief and joy are contrasting emotions. | kuhlukile | adjective, adverb | kwehluke ngendlela enkulu kakhulu | Usizi nenjabulo kuyimizwelo ehlukile. |
| contrasting | adjective | where the differences between things are shown by comparing them with each other | The painter paints two contrasting faces – a laughing face and one that looks sad. | kuhlukile | adjective | lapho kuboniswa ukwehluka kwezinto ngokuziqhathanisa | Umpendi upenda ubuso obubili obehlukile – ubuso obuhlekayo nobunye obudangele. |
| contribute | verb | to give money or resources to achieve a particular purpose, or to pay for something | The medical company contributed three crates of medicine to the new clinic. | faka isandla | verb | ukunikezela ngemali noma ngezinsiza ukuze ufezekise inhloso ethile, noma ukuze ukhokhele into ethile. | Inkampani ethengisa ngemithi yafaka isandla ngokunikela ngamakesi amathathu emithi emtholampilo omusha. |
| contribute | verb | to write an article for a journal, magazine or newspaper | The professor contributed many important articles to South Africa's leading medical journal. | bamba iqhaza ngokubhala | verb | ukubhala imibhalo, izindaba, njll. okushicilelwa kumajenali, kumaphephandaba noma kumaphephabhuku. | Usolwazi wabhala imibhalo eminingi kakhulu ebalulekile kwejenali yemithi ebalulekile eNingizimu Afrika. |
| controversial | adj | causing a lot of public disagreement | Nuclear power is a controversial issue and continues to elicit heated debates. | okuyinzukazikeyi | adj | Okwenzaukuthi kube nokuphikisana okuningi kakhulu emphakathini. | Amandla enuzi wudaba oluyinzukazikeyi kanti lusaqhubeka nokubanga izimpikiswano ezishisa phansi yonke indawo. |
| controversial | adjective | giving rise to disagreement | Controversial topics such as cloning and embryo freezing always cause intense controversy, because these topics are controversial even before people start arguing about them. | ukuphikisana | adjective | ukubangela impikiswano | Izihloko eziphikisanayo ezifana nezakhi zofuzo zokwenziwa nokuqandisa imbungu kuhlale njalo kubangela impikiswano ejulile, ngoba zona ngokwazo lezi zihloko ziyaphikisana nangaphambi kokuthi abantu baqale ukukhuluma ngazo. |
| controversial | adjective | leading to considerable public disagreement | Research on human cloning is often controversial because it raises all kinds of ethical issues. | ukuphikisana | adjective | kuholela empikiswaneni enkulu esesidlangalaleni | Ucwaningo olumayelana nezakhi zofuzo zokwenziwa ngokuvamile luyaphikisana ngoba luphakamisa zonke izinhlobo zezimilo ezahlukahlukene. |
| controversy | noun | a public discussion about an issue that many people strongly disagree about | As a result of the controversy with animal testing more media attention has occurred in terms of animal care in testing facilities. | inzukazikeyi | noun | ingxoxo yomphakathi mayelana nodaba oluthile okutholakala ukuthi abantu abaningi bayaphikisana ngalo. | Ngenxa yenzukazikeyi ngodaba lokuhlolwa kwezilwane, abemithombo yezindaba manje sebeqalile bakhuluma ngokunakekelwa kwezilwane ezindaweni zokuhlola. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| controversy | noun | prolonged disagreement | The film about the Vietnam war has sparked fierce controversy because of the explicit scenes of sex and violence. | impikiswano | noun | impikiswano yesikhathi eside | Ibhayisikobho yempi yaseVietnam yabangela impikiswano enkulu kakhulu ngenxa yeziqephu ezibekela ingcaca ubulili nodlame. |
| controversy | noun | a public discussion about an issue that many people strongly disagree about | As a result of the controversy, the media paid even more attention to the care of animals in testing facilities. | impikiswano | noun | impikiswano esesidlangalaleni mayelana nenkinga abantu abanngi abangavumelani ngayo | Ngenxa yempikiswano, abezindaba banakisisa nakakhulu ukunakekelwa kwezilwane ezikhungweni zokuhlolwa. |
| controversy | noun | a public discussion about an issue that many people strongly disagree about | Recent research on human cloning has long been shrouded in controversy because researchers disagree on its ethical implications. | impikiswano | noun | impikiswano esesidlangalaleni emayelana nenkinga abantu abaningi abangavumelani kakhulu ngayo | Ucwaningo lwakamuva lwezakhi zofuzo zabantu zokwenziwa lunesikhathi lushitshekelwa ngoba abacwaningi abavumelani ngezinkinga ezihlobene nesimilo. |
| controversy | noun | prolonged disagreement | There is a fierce controversy in the media about the new government appointment. | impikiswano | noun | impikiswano yesikhathi eside | Kunempikiswano eshubile kwabezindaba emayelana nokukhethwa kukahulumeni omusha. |
| convene | verb | (arrange for a formal meeting) to take place | The AIDS conference convened in Durban in May. | hlangana | verb | ukusondelana ndawonye ukuze kube nomhlangano osemthethweni. | Ingqungquthela yesifo sengculazi yahlanganela eThekwini ngoMeyi. |
| convention | noun | the way in which something is usually done | Modern art has broken away from nineteenth century conventions. | indlela evamile yokwenza izinto | noun | indlela izinto ezivamise ukwenziwa ngayo | Ubuciko besimanje buhlukile endleleni yokwenza izinto yekhulu leshumi nesishiyagalolunye. |
| conventional | adjective, adverb | according to the way something is usually done | Her strange lifestyle does not fit our conventional way of doing things. | ngendlela evamile | adjective, adverb | ngokuvumelana nendlela okuthile okuvamise ukwenziwa ngayo | Indlela yakhe yokuphila engajwayelekile ayifani nendlela yethu evamile yokwenza izinto. |
| converge | verb | to move towards the same place from different directions, or meet or join at a particular place | Longitudinal lines converge at the poles and are the farthest apart at the equator. | hlangana | verb | ukusondela ngasendaweni efanayo nivela ezindaweni ezahlukene. | Imigqa emide ehlangana emapalini yiyona eyehlukene kakhulu ngasekuqaleni kwayo. |
| converge | verb | to stop being different and become similar in ideas, theories, societies, etc | Their points of view converge when it comes to poverty relief. | hlangana | verb | ukuma ukuthi kungabe kusehlukwana bese kuba yinto eyodwa, imiqondo eyodwa, amathiyori awodwa, imiphakathi eyodwa, njll. | Imibono yabo iyahlangana uma sekuziwa ngasekuqedeni ubuphofu. |
| converge | verb | stop being different and become similar | Their points of view converge when it comes to poverty relief. | | | | |
| converge | verb | to meet | The reader’s divergent suggestions eventually converge into one idea. | iyahlangana | verb | ukuhlangana | Izisikiselo ezahlukene zomfundi zagcina zihlangene zaba umbono owodwa. |
| convergence | noun | movement towards the same place from different directions, or meeting or joining at a particular place | The convergence of so many railway lines in such a small town is quite strange. | ukuhlangana | noun | ukuyela endaweni efanayo kusuka ezindaweni ezahlukene, noma ukuhlangana ndawonye endaweni ethiile | Ukuhlangana kolayini bojantshi edolobheni elincane kangaka kuyinto engajwayelekile ngempela. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| convergent | adjective, adverb | directed at one point | A question to which there is only one answer requires convergent thinking and thus forces you to answer convergently. | ukuhlangana | adjective, adverb | ukuqondiswa endaweni eyodwa | Umbuzo onempendulo eyodwa kuphela udinga ukucabanga ngendlela eqondile futhi kanjalo ikuphoqelela ukuthi uphendule ngendlela elungile. |
| converse | verb | to carry on a discussion | The students like to converse with one another in their own languages, even though they all study in English. | xoxa | verb | ukuba nengxoxo nje nindawonye; ukukhuluma. | Abafundi bayathanda ukuzixoxela nje ngezilimi zabo, yize uthole ukuthi bonke benza izifundo zabo ngesiNgisi. |
| converse | noun | the opposite of a fact, opinion or statement | It is generally believed that ... but the converse is also true. | inkulumo ephikisayo | noun | yiqiniso eliphikisana nelishiwo, nombono, noma nesitatimende esishiwo. | Imvamisa kunenkolelo yokuthi amahomoni nomthelela kwindlela umuntu aziphatha ngayo. Kodwa-ke kunenye inkulumo ephikisana nayo le ethi: indela yokuziphatha inomthelela ekwakhekeni kwamahomoni. |
| convert | verb | to change the nature, purpose or function of something | Today it is easy to convert conventional DVDs into blue-ray discs. | guqula | verb | ukushintsha indalo yento ethile, ukushintsha inhloso noma ukusebenza kwento ethile. | Namhlanje sekwabalula nje ukushintsha aama–DVD akudala abe amacwecwe amancane aluhlaza okwesibhakabhaka. |
| convert | verb | to persuade someone to change their beliefs, opinions or habits | Many Christians think that Charles Darwin gave up believing his theory of evolution and that he converted to Christianity before he died. | phendulwa | verb | ukunxenxa umuntu ukuthi ashintshe izinkolelo zakhe, imibono yakhe noma imikhuba yakhe akholelwa kuyo. | Amakholwa angamaKrestu amaningi akholwa ukuthi u Charles Darwin wayishiya phansi inkolelo yakhe yokuthi umuntu ufa abuye avuke wabe esephendulwa waba ngumKrestu ngaphambi kokuba ashone. |
| convert | verb | to be changed from one form to another | A neutron converts into a proton when an electron is emitted. | shintsha | verb | ukushintshwa isuswa kwinhloso ethile ukuze yenze enye inhloso. | I-neutron iyashintsha ibe yiprhothoni uma kuphuma i-elekthroni kuyo. |
| convert | noun | someone who has changed or been persuaded to change to a different religion, political belief, etc | She did not think she would do her shopping online, but now she is a convert. | ikholwa | noun | umuntu oseshintshile noma oncengiwe ukuthi ashintshele kwinkolo enye, kwinkolelo yezepolitiki, njll. | Akazange acabange ukuthi uyoke athenge izinto nge-inthanethi, kodwa manje usejikile useyikholwa. |
| convert | noun | someone who has changed or been persuaded to change to a different religion, political belief, habit, etc. | She did not think she would do her shopping online, but now she is a convert. | shintsha | noun | othile oshintshile noma okholisiwe ukuthi ashintshele enkolweni ehlukile, inkolelo yezepolitiki, umkhuba, njjl. | Wayangacabangi ukuthi uyoke athenge nge-inthanethi, kodwa manje useshintshiwe. |
| convince | verb | to make someone realise the truth or validity of something | Solid evidence convinced him to believe in her innocence. | bonisa | verb | ukwenza umuntu aliqonde iqiniso noma akuqonde ubuqiniso bento ethile. | Abafundi kumele babonise ngombono othile ngokuthi banikwe ubufakazi obuqinile. |
| coordinate | verb | to bring different elements together in a harmonious way | Benjamin will have to coordinate his diverse social activities with a systematic study plan, otherwise his studies will suffer. | hlanganisa | verb | ukuhlanganisa izici ezahlukene ngendlela evumelanayo | Kuzodingeka ukuthi uBenjamin ahlanganise imisebenzi yakhe ehlukahlukene yokuchitha isizungu nohlelo lwakhe lokutadisha oluhlelekile, kungenjalo ngeke aphumelele ezifundweni zakhe. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| coordinated | adjective | with different elements in an efficient relationship | Coordinated study and social activities are the key to success. | hlanganisiwe | adjective | ngezici ezahlukahlukene ngobudlelwano obuphumelelayo | Ukutadisa okuhlanganisiwe kanye nemisebenzi yokuchitha isizungu kuyinto eyinhloko yokuphumelela. |
| coordination | noun | the organisation of different elements so as to make them function together at the same time | We all know how important the coordination of extracurricular activities and a study plan is for successful study. | ukuhlanganisa | noun | ukuhlanganisa izici ezahlukahlukene ukuze zisebenzisane ngesikhathi esisodwa | Sonke siyazi ukuthi kubaluleke kangakanani ukuhlanganiswa kwemisebenzi yangemuva kwesikole nohlelo lokutadisha ukuze uphumelele. |
| core | noun | the most vital or central part | The core of engineering is problem-solving. | umongo | noun | ingxenye ebaluleke kakhulu noma ephakathi nendawo. | umongo wezobunjiniyela ukusombulula izinkinga. |
| correlate | verb | to show that there is a close connection between two or more facts or figures | The two researchers' findings do not correlate with each other. | hlobana | verb | ukubonisa ukuthi kunokuxhumana okusondelene kakhulu phakathi kwamaqiniso amabili noma ngaphezulu, futhi kungenzeka kube wukusondelana kwezinombolo. | Ukunganakekelwa kwabantu abakhulelwe kuhlobene kakhulu nokushona kwabantwana abasanda kuzalwa. |
| correlate | noun | any one of two or more matters which are mutually related | Certain verbs and nouns are correlates of one another, such as BUMP, SCREAM and WORK. | hlanganisa | noun | noma iyiphi into eyodwa kwezimbili noma ngaphezulu ezihlobene | Izenzo namabizo athile kuyavumelana, njengathi ngesiNgisi BUMP, SCREAM futhi WORK. |
| correlation | noun | a connection between two things in which one thing changes as the other does | Research showed a clear correlation between poverty and crime. | ukuhlobana | noun | ukuxhumana phakathi kwezinto ezimbili lapho khona enye into ishintsha khona uma enye ishintsha. | Ucwaningo lubonise ukuhlobana okucacile phakathi kobubha nobugebengu. |
| correlation | noun | mutual relation, connection, interdependence | The researcher wants to know if there is a correlation between poverty and crime. | ukuhlangana | noun | ubuhlobo obufanayo, ukuhlangana, ukuncika | Umncwaningi ufuna ukwazi ukuthi kukhona yini ukuhlangana phakathi kwendlala nobugebengu. |
| correlative | adjective | having a mutual relationship | There is a correlative relationship between BUMP as a verb and BUMP as a noun. | hlanganisa | adjective | ukuba nobudlelwano obufanayo | Kukhona ubudlelwano obufanayo phakathi kwegama elithi BUMP njengesenzo nelithi BUMP njengebizo ngesiNgisi. |
| correspond | verb | to be compatible, similar or consistent | The witness's story corresponds to what can be seen on the video. | hambisana | verb | ukukwazi ukumelelana, ukufanana noma ukuba yinto engaguquki. | Indaba kafakazi iyahambisana nalokho okubonakalayo kwividiyo. |
| counterplea | noun | response to opponents arguments | This paper undertakes an analysis into the significance of jurisdiction over arbitration, the counterplea and its adjudication. | ukuphikisana | noun | ukusabela ezimpikiswaneni zabaphikisi | Leli phephandaba lenza ukuhlaziya kokubaluleka kwamandla wesikhundla ngaphezu kokulamula, ukuphikisana kanye nokwahlulela kwakho. |
| create | verb | to cause something new or original to happen or exist | Government promised to create more jobs. | akha | verb | ukwenza ukuthi into entsha noma into engungqo yenzeke noma ibe khona. | Uhulumeni wethembise ukwakha imisebenzi eminingi. |
| create | verb | to generate or bring about | Students who start reviewing shortly before their final exams create endless problems for themselves. | dala | verb | ukwenza noma ukubangela okuthile | Abafundi abaqala ukubuyekeza ngokushesha nje ngemva kokuhlolwa kwabo kokugcina bazibangela izinkinga ezinkulu kakhulu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| create | verb | to cause something new or original to happen or exist | Creating a well-considered argument is also an art. | dala | verb | ukudala okuthile okusha noma ukuqamba into ukuze yenzeke noma ibe khona | Ukudala impikiswano ecatshangelwe kahle nakho kuwubuciko. |
| create | verb | to cause something new or original to happen or exist | It takes most students a long time to create a coherent text in which they formulate their ideas succinctly and clearly. | dala | verb | ukudala okuthile okusha noma ukuqamba into ukuze yenzeke noma ibe khona | Kuthatha abafundi abaningi isikhathi eside ukuthi badale umbhalo ohambisanayo lapho bakha khona imibono yabo ngamafuphi futhi ngendlela ecacile. |
| creation | noun | something new and original that has been created or established | The creation of a well-written and well-considered argument is also, in a sense, a form of art. | ukudalwa | noun | okuthile okusha noma ukuqanjwa noma ukusungulwa kwento ethile | Ukudalwa kwengxoxo ebhalwe futhi yacatshangelwa kahle, nakho, ngandlela thile kuwuhlobo lobuciko. |
| creation | noun | something new and original that has been created or established | A well written academic paper can also be seen as an artful creation. | ukudalwa | noun | okuthile okusha noma ukuqanjwa noma ukusungulwa kwento ethile | Iphepha lezemfundo elibhalwe kahle nalo lingase libhekwe njengendalo ewubuciko. |
| creative | adjective | involving the use of imagination to create something new or original | The student is creative in formulating her arguments. | ubuciko | adjective | ukusebenzisa ingqondo ukudala into entsha noma engokoqobo | Umfundi unobuciko bokwakha izingxoxo zakhe. |
| criteria | noun | standards, benchmarks or guidelines for rating | Students often do not know the criteria for an academic assignment. | imfuneko | noun | izimiso, izinga noma iziqondiso zokulinganisela | Ngokuvamile abafundi abayazi imfuneko yesabelo sabo sezemfundo. |
| criterion | noun | a characteristic in terms of which something can be evaluated | The performance management system defines the criteria by which employees are evaluated. | indlela | noun | yisici esithile ngokwemibandela yaso into ethile ingabuyekezwa ngaso. | Uhlelo lokubheka ukusebenza kwabasebenzi luchaza izindlela abasebenzi abakalwa ngazo ukuthi basebenze kanjani. |
| critical | adjective | looking for and pointing out mistakes | It's very easy to be critical of others' mistakes but ignore your own. | gxekayo | adjective | ukubona nokuveza amaphutha | Kulula kakhulu ukugxeka amaphutha wabanye abantu kodwa ugweme awakho. |
| criticise | verb | to judge the quality of something and indica`te faults | The selectors appointed by the publisher criticised some aspects of the novel, after which the author reviewed her manuscript and it was published. | gxeka | verb | ukugxeka ikhwalithi yokuthile futhi uveze amaphutha | Labo abakhethwa ngumshicileli bagxeka ezinye izingxenye zenoveli, ngemva kokuthi umbhali ebuyekeze umbhalo wakhe wesandla futhi usushicilelwe. |
| criticism | noun | analysis and judgement of merits and faults | He took the constructive criticism of his wife to heart and made quite a few adjustments in the novel. | ukugxeka | noun | ukuhlaziya nokwahlulela ukufaneleka namaphutha | Wakuthathela phezulu ukugxeka komkakhe futhi wenza ukulungisa okuthile kunoveli. |
| crucial | adj | of extreme importance | Donations of food are crucial to the survivors of the flood. | okunqala | adj | okubaluleke kakhulu. | Ukunikela ngokudla kuyinto enqala kakhulu kulabo abakhahlamezwe yizikhukhula. |
| cultivate | verb | to develop a way of thinking or behaving | Video games are claimed to cultivate violence in some children. | tshala | verb | ukusungula indlela ethile yokucabanga noma yokuziphatha. | Imidlalo yamavidiyo kucatshangelwa ukuthi itshala udlame kwabanye abantwana. |
| cultivate | verb | develop | It is possible to cultivate good habits with those who do not yet practise them. | hlakulela | verb | thuthukisa | Kungenzeka ukuhlakulela imikhuba emihle nalabo ngaleso sikhathi abayintulayo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| cultural | adjective | relating to the ideas, conventions and social customs of a society | The cultural significance of folk festivals should not be underestimated. | ngokwesiko | adjective | okuhlobene nemibono, imiqondo namasiko womphakathi | Ukubaluleka kwemikhosi yamandulo akufanele kucekelwe phansi. |
| culture | noun | a particular society at a particular time and place | Piercing of body parts is not a modern phenomenon – it has been practiced by ancient cultures. | isiko | noun | umphakathi othile ngesikhathi esithile nakwindawo ethile. | Ukubhobosa izingxenye ezithile zomzimba akusiyona into efikayo le; yinto okade kwasa yenziwa ngamasiko akudala emandulo. |
| culture | noun | the customs, social institutions, beliefs and arts shared by a particular society or civilisation | Khoi-San culture is still preserved in rock paintings. | isiko | noun | amasiko, izikhungo zomphakathi, izinkolelo okwabelwana ngazo nomphakathi othile noma nempucuzeko ethile. | Isiko labaThwa lisekhona namanje ligcinwe kwimibhalo yamadwala. |
| culture | noun | activities such as art, music, literature, which are considered important to a civilisation at a particular time | The popular culture festival in Johannesburg is drawing thousands of visitors. | isiko | noun | imisebenzi efana nobuciko, umculo, imibhalo yobuciko, njll. nokuthathwa ngokuthi kubalulekile kwimpucuzeko ngesikhathi esithile. | Umbhiyozo wamasiko obaseGoli uheha izinkulungwane ngezinkulungwane zabavakashi. |
| culture | noun | ideas, customs, and social behaviour of a society | The difference between the distinctive culture of the Inuit and that of Western civilisation can be clearly seen in their eating habits, dress, educational methods and religious practices. | isiko | noun | imibono, amasiko nokuziphatha komphakathi | Umehluko phakathi kwesiko elehlukile le-Inuit nalelo lempucuko yaseNtshonalanga ubonakala kalula emikhubeni yabo yezindlela zokudla, ukugqoka, ezemfundo ngisho nemikhuba yabo yezenkolo. |
| currency | noun | the metal or paper medium of exchange that is used at present | The South African currency unit is the rand. | imali | noun | into yokuthenga eyinsimbi noma eyiphepha esetshenziswayo esikhathini samanje. | Imali yaseNingizimu Afrika yaziwa ngokuthi yiRandi. |
| currency | noun | an idea, word or custom which is accepted and used by many people | The word "braai" has gained currency among English speakers. | into eyemukelwe | noun | umqondo, igama noma isiko elamukelwa futhi lisetshenziswa ngabantu abaningi. | Igama lesiBhunu elithi "braai" selithole ukuba yinto eyemukelwe kakhulu ngisho nayilabo abakhuluma isiNgisi phaqa. |
| currency | noun | the state of being accepted or used by a lot of people | The word BRAAI has gained currency among English speakers. | ukwanda | noun | isimo sokwamukelwa noma ukusetshenziswa abantu abaningi | Igama elithi BRAAI selande kakhulu phakathi kwabantu abakhuluma isiNgisi. |
| curricular | adjective | relating to a curriculum | The curricular focus of schools differs. | okufundwayo | adjective | okuhlobene nohlelo lwemfundo | Ukugxila kokufundwayo kwezikole kuyehluka. |
| curriculate | verb | plan and draw up a curriculum for a subject | Teachers who are appointed to curriculate, must have many years of experience in teaching the subject. | hlela | verb | ukuhlela nokumisa uhlelo lwemfundo lwesifundo esithile | Othisha abakhethwe ukuthi bahlele, kufanele babe nolwazi lweminyaka eminingi befundisa leso sifundo. |
| curriculum | noun | elements comprising a course of study | If you consider the Latin origins of CURRI-, a curriculum is the figurative path that you run to a certain goal with a particular subject content. | uhlelo lwemfundo | noun | izingxenye zesifundo esithile | Uma ucabangela indabuko yesiLatin ye-CURRI, uhlelo lwemfundo luyindlela engokomfanekiso oyithathayo ukufinyelela umgomo othile ngokuqukethwe kwesifundo esithile. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| curriculum vitae | noun | brief account of qualifications and previous work experience, sent with a job application | If you apply for a position, your application must be accompanied by a full curriculum vitae. | i-curriculum vitae | noun | incazelo emfushane yeziqu nolwazi lomsebenzi wangaphambilini, ethunyelwa kanye nesicelo somsebenzi | Uma ufaka isicelo somsebenzi, isicelo sakhe kufanele sihambisane ne-curriculum vitae. |
| cycle | noun | a periodically repeated sequence of events | The prize is awarded in four-year cycles – this year it is awarded for autobiographies. | isiyingi | noun | ukuphindwa ngezikhathi ezithile kwezigameko ezilandelanayo. | Umklomelo ukhishwa ngeziyingi zeminyaka emine. Kulo nyaka ukhishelwa izincwadi ezibhalwe ngababhali ezikhuluma ngezimpilo zabo uqobo. |
| cycle | noun | one complete series of movements that completes an electrical, mechanical or electronic process | They belong to the group of Protozoa, which have a double cycle of existence: (I) a sexual cycle in the body of the mosquito, (2) an asexual cycle in the blood of human beings | isiyingi | noun | uchungechunge lweminyakazo ephothula uhlelo lokusebenza kukagesi, noma lwama-elekthroni. | Bangaphansi kweqembu leProtozoa, elinesiyingi esikabili sokuphila: (I) isiyingi sangokobulili emzimbeni womiyane, (2) isiyingi esingahlanganise lutho nobulili emzimbeni wabantu |
| cycle | noun | one complete series of movements that completes an electrical, mechanical or electronic process | The washing machine has a special cycle for wool fabrics. | umjikelezo | noun | uchunge olulodwa oluphelele lomnyakaza olufeza inqubo kagesi, yekhemikhali, noma yezinto zikagesi | Umshini wokuwasha unomjikelezo okhethekile wezindwangu ezenziwe ngoboya. |
| data | noun | information, facts, measurements or observations which are examined to find out things | A questionnaire will be used to collect the data. | idatha | noun | ulwazi, amaqiniso, ukukala noma izinto ezibonakalayo ezihlolwayo ukuze kutholakale izinto ezithile. | Kuyosetshenziswa iphepha elinemibuzo ukuqoqa idatha. |
| debate | verb | a discussion with reasons for and against some proposal so that you can make a decision or solve a problem | Today the Department of Social Security will debate the provision of child support grants. | khulumisana | verb | ingxoxo enezizathu ezinokuhlongozwayo ukuze ukwazi ukwenza isinqumo sokusombulula inkinga. | Namhlanje uMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi uzokhuluma ngezimiso zokuhlinzekwa kwesabelo zezondlo zabantwana. |
| debate | noun | a discussion on a subject about which people’s opinions differ | The debate about firearms dominated the sitting of Parliament today. | inkulumo | noun | ingxoxo mayenala nesihloko esithile mayelana nodaba lapho imibono yabantu yehlukana khona. | Ingxoxo mayelana "nezinto ezibalulekile" yiyona ebisha phezulu ekuhlaleni kwanamhlanje kwePhalamende. |
| debate | verb | have a discussion with reasons for and against a proposal in order to make a decision or solve a problem | Today the Department of Social Security will debate the provision of child support grants. | impikiswano | verb | ukuba nengxoxo enezizathu zokuvumelana noma zokumelana nokusikiselwayo ukuze kuthathwe isinqumo noma kuxazululwe inkinga | Namuhla Umnyango Wokuvikeleka Komphakathi uzophikisana ngelungiselelo lezabelo-mali zokunakekela izingane. |
| debate | noun | discussion where participants state different points of view | In my opinion the debate in Parliament lacks reasonable thinking due to the subjectivity of speakers’ arguments. | inkulumo-ngxoxiswano | noun | ingxoxiswano lapho ababambiqhaza beveza imibono yabo ehlukile | Ngokombono wami inkulumo-ngxoxiswano yasePhalamende iswela ukucabanga okunengqondo ngenxa yokuntula isisekelo sezimpiswano zezikhulumi. |
| debating | adjective | in a formal, argumentative way | My friend makes himself unpopular because he talks to people at parties in a debating style when they just want social talk. | ukuphikisana | adjective | ngendlela ehlelekile, yokuphikisana | Umngane wami uzenza angathandeki ngoba uxoxa nabantu emcimbini ngendlela ephikisanayo kuyilapho bona befuna nje ukuba nengxoxo evamile. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| decade | noun | a period of 10 years | She taught at the university for over a decade. | ishumiminyaka | noun | isikhathi seminyaka eyi-10. | Wafundisa enyunivesi isikhathi esingaphezu kweshumiminyaka. |
| decade | noun | a period of ten years | She taught at the university for over a decade. | ikhulu leminyaka | noun | inkathi yeminyaka eyishumi | Wafundisa enyuvesi iminyaka engaphezu kweyishumi. |
| decentralise | verb | to remove something from one concentration point and divide and distribute it | When a body decides to decentralise, the authority is transferred from the center to the periphery. | ukuhlukanisa ngezindawo | verb | ukususa okuthile kusuka endaweni eyodwa bese uyakuhlukanisa futhi ukusabalalise | Lapho Ibhodi linquma ukuhlukanisa ngezindawo, igunya lidluliselwa kusuka esikhungweni kuya emngceleni. |
| decline | verb | to become smaller, fewer or weaker | The number of new army recruits has declined from 20 000 to 13 000 a year. | yehla | verb | ukuba mncane ngokwamanani noma ukuba buthaka. | Inani lalabo ababuthelwa ukuba ngamasosha lehlile ngonyaka lisuka kwabayizi-20 000 laya kwabayizi-13 000. |
| decline | noun | a gradual lessening in the quantity, quality or importance of something | There has been a decline in enthusiasm for long-term research projects. | ukwehla | noun | ukwehla kancane kubuningi, kwizingabunjalo noma ekubalulekeni kwento ethile. | Bekulokhu kunokwehla komdlandla kumaprojekthi ocwaningo esikhathi eside. |
| deconstruct | verb | to undermine textual meaning by highlighting inherent conflict and contradictions | Derrida believes that texts have no final meaning, because texts are constantly deconstructing themselves. | hlaziya | verb | ukunganaki incazelo yombhalo ngokugqamisa ukuphikisana nokungqubuzana okubalulekile | UDerrida ukholelwa ukuthi imibhalo ayinayo incazelo yokugcina, ngoba imibhalo ihlale njalo izihlaziya. |
| deconstruction | noun | philosophical school of thought that rejects the generally accepted view that words in texts form a coherent meaning | Derrida, the French father of deconstruction, rejects the notion that a writer's intent determines the meaning of a text. | ukuhlaziya | noun | imiqondo ehlukahlukene yenkolelo enqabela umbono owamukelwa ngokuvamile wokuthi amagama asembhalweni akha incazelo ehambisanayo | UDerrida, ubaba wesiFulentshi wokuhlaziya, wenqaba umbono wokuthi injongo yombhali yiyo enquma incazelo yombhalo. |
| deconstructive | adjective | related to the theory of deconstruction | Derrida was considered one of the greatest deconstructive thinkers of his time. | ukuhlaziya | adjective | kuhlobene nombono wokuhlaziya | UDerrida wayebhekwa njengomncabangi ohlaziya kakhulu ukubedlula bonke ngesikhathi sakhe. |
| decrease | verb | to continuously become fewer in number or less in value | The population of the area has decreased drastically. | yehla | verb | ukwehla okuqhubekayo ngokwezinombolo noma ngokwenani. | Umphakathi wakule ndawo usuvele wehla kakhulu kabi. |
| decrease | noun | condition of becoming smaller, fewer of weaker | There is a clear decrease in his study time, considering the time he spends on his social life. | ukuncipha | noun | isimo sokuba kuncane, buthakathaka | Kukhona ukuncipha okubonakalayo esikhathini sakhe sokutadisha, kucatshangelwa isikhathi asichitha ekuphileni kwakhe kwezokuxhumana zomphakathi. |
| decrease | verb | to continuously become fewer in number or less in value | The value of the rand can be expected to decrease when the economy slows down. | nciphisa | verb | ukuncipha okuqhubekayo kwenani noma kwesimo | Inani lerandi lingase lilindeleke ukuthi linciphe lapho ezomnotho zehla. |
| decree | noun | an official order from a government or ruler that becomes the law | The decree guaranteed freedom of speech for the media. | umyalelo osemthethweni | noun | umyalelo osemthethweni ovela kuhulumeni noma kumphathi ogcina usuwumthetho. | Lo myalelo wawuqinisekisa inkululeko yokubika nokukhuluma ngokukhululeka kwabemithombo yezindaba. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| dedicate | verb | to say that a book, movie or piece of music was written, made or composed for someone you love or respect | I would like to dedicate my first book to my mother. | nikela | verb | ukusho ukuthi incwadi, ifilimu, noma umculo wabhalelwa, wenziwa waqenjelwa ukubonisa ukuhloniph umuntu othile noma abantu abathile. | Ngithanda ukunikela incwadi yami yokuqala kumama wami ongizalayo. |
| dedicate | verb | to devote time and effort to something | He dedicated his life to justice for his fellow human beings. | nikela | verb | ukuzinikela ngesikhathi kanye nomzamo wokwenza okuthile. | Wanikela ngempilo yakho kubulungiswa kubantu bakubo. |
| deduce | verb | to form an opinion based on the information or evidence available | Students often deduce a meaning from a poem that was not intended and cannot be motivated. | susela | verb | ukwenza umbono osuselwe kulwazi oluthile noma kubufakazi obukhona. | Abafundi ngezinye izikhathi bazisusela ezabo izincazelo ngezinkondlo. |
| deduction | noun | an opinion that has been based on the available information or evidence | From her icy attitude he made the deduction that she is angry with him. | isiphetho | noun | umbono osuselwe olwazini noma kubufakazi obutholakalayo | Ngenxa yokubukeka kwakhe kobuso wabonisa ukuthi umthukuthelele. |
| deduction | noun | reasoning from the general to the specific | If 80% of teens participate in sports and Alan is a teenager, one can conclude by deduction that Alan is very likely to participate in sports. | ukubonisana | noun | ukubonisana ngokuvamile kuya kokuqondile | Uma intsha engu-80% ihlanganyela kwezemidlalo futhi u-Alan ungosemusha, kungaphethwa ngokuthi u-Alan nakanjani angase ahlanganyele kwezemidlalo. |
| deduction | noun | an opinion that has been based on the available information or evidence | Taking into account his poor class attendance and bad marks, the deduction can be made that he is not interested in study or may be struggling with personal problems. | isiphetho | noun | umbono osekelwe olwazini noma kubufakazi obutholakalayo | Kucatshangelwa ukungabi khona kwakhe kahle ekilasini kanye nemiphumela emibi, kungaphethwa ngokuthi akanaso isithakazelo esifundweni noma ubhekene nezinkinga zomuntu siqu. |
| deductive | adjective, adverb | arguing from the general to the specific | He uses a deductive approach. | ukufinyelela isiphetho | adjective, adverb | ukubonisana ngokuvamile kuya kokuqondile | Usebenzisa indlela yokufinyelela isiphetho. |
| default | noun | through lack of opposition rather than conscious choice or action | My opponent may be good, but I will prove that I didn't ascend the championship throne by default. | ngokuzenzekelayo | noun | ngenxa yokungabi khona okumelene nakho esikhundleni sokwenza isinqumo noma isenzo | Kungenzeka ukuthi engimelene naye ufanelekile, kodwa ngizokufakazela ukuthi angizange ngithole isikhundla sobuqhawe ngokuzenzekelayo nje. |
| default | noun | something that exists or happens if you do not change it intentionally | The default option on my computer is to save my work every five minutes. | okuzenzakalelayo | noun | okuthile okuba khona noma okwenzeka ngaphandle kokuthi ukushintshe ngamabomu | Inketho ezenzakalelayo kukhompuyutha yami ukuthi ilondoloze umsebenzi wami njalo emizuzwini emihlanu. |
| defer | verb | to delay until a later time | She deferred her decision to a later date. | hlehlisa | verb | ukubambezela kuze kube yisikhathi esizayo. | Wasihlehlisela isikhathi esizayo isinqumo sakhe. |
| defer | verb | to accept someone's decision or opinion because you respect him or her | When asked about possible solutions he deferred to the experts. | dlulela | verb | ukwethembela kulokho okucatshangwa ngumuntu othile isikhathi esiningi ngenxa yenhlonipho onayo ngaye. | Wathi uma ebuzwa ngezisombululo okungenzeka zibe khona naye wedlulela kongoti. |
| deficient | adj | not containing or having enough of something that is needed for proper functioning | This diet is deficient in vitamin A and C. | okushodayo | adj | okungenayo into ethile eyanele edingeka ukuze kusebenze kahle. | Lokhu kudla kushoda ngoVithamini A kanye no C. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| definable | adjective | that can be described or defined in order to distinguish it from something else | Scientific concepts are not always easily definable. | okuchazekayo | adjective | okungachazeka noma okungachazwa ukuze kuhlukaniswe kokuthile | Imibono yezesayensi ayichazeki kalula ngaso sonke isikhathi. |
| define | verb | to provide the characteristics of something to distinguish it from other things | In the introduction to your dissertation you need to define core concepts. | chaza | verb | ukuhlinzeka ngezici ezithile zento ethile ukuze yehluke kwezinuye izinto. | Kwisethulo sombhalo wakho kudingeka ukuthi uchaze amagama abalulekile. |
| define | verb | to describe something thoroughly and correctly | The postgraduate student used a technical dictionary to define technical terms in his study. | chaza | verb | ukuchazisisa kahle okuthile futhi ngendlela enembile | Umfundi oneziqu wasebenzisa isichazamazwi samagama anzima ukuze achaze amagama anzima esifundweni sakhe. |
| define | verb | to provide the characteristics of something to distinguish it from other things | It is important that the student first properly describes the problem she is investigating before beginning her research. | chaza | verb | ukuhlinzeka ngezici zokuthile ukuze ukuhlukanise kwezinye izinto | Kubalulekile ukuthi umfundi achazisise kahle kuqala inkinga ayicwaningayo ngaphambi kokuthi aqale ucwaningo lwakhe. |
| defined | adjective | for which a definition has been provided | After the lecture most students understand the defined concept much better. | kuchaziwe | adjective | lapho kunikezwe incazelo | Ngemva kwesifundo abafundi abaningi baqondisisa kangcono umbono ochaziwe. |
| defined | adjective | determined in such a way that it can be distinguished from other things or concepts | Research should be conducted according to clearly defined guidelines. | kuchaziwe | adjective | kuchazwe ngendlela yokuthi kungahlukaniswa kwezinye izinto noma imibono | Ucwaningo kufanele luqhutshwe ngokuvumelana neziqondiso ezichaziwe. |
| definite | adj | explicit and clearly defined | The website offers no definite answers to my questions about the software. | ncamashi | adj | okunembayo; okucace bha futhi okuchazwe kahle. | Iwebhusayithi ayinikezi izimpendulo ncamashi kwimibuzo yami mayelana ne-software. |
| definite | adjective | clearly defined | All the great figures in history had definite ideas and they also conveyed their views in definitive language. | qondile | adjective | kuchazwe ngokucacile | Osaziwayo basendulo babenemibono eqondile futhi bayidlulisa ngolimi oluqondile. |
| definition | noun | exact statement of the meaning of something | A training group is by definition a group that participants join to learn something, usually through experience. | incazelo | noun | isitatimende esiqondile esisho into ethile. | Iqembu lokuqeqesha ngokwencazelo yalo yiqembu ababambiqhaza abalijoyinayo ukuze bafunde, isikhathi esiningi ngalokho okwenzeke kubo. |
| deliberate | verb | to think very carefully about something so that you can make a decision | After having deliberated for two hours, the committee decided to support the motion. | xoxa | verb | ukucabanga ngokucophelela okukhulu ngento ethile ukuze ukwazi ukwenza isinqumo ngayo. | Ngemuva kokuxoxa isikhathi esingamahora amabili, ikomidi labe selithatha isinqumo sokuseseka isiphakamiso. |
| deliberate | adj | slow and determined | The police force made a deliberate attempt at reducing crime in the area. | ngenhloso | adj | yehlisa futhi uqaphele, isib. umnyakazo, umcabango noma inkulumo. | Amaphoyisa enza umzamo oyinhloso wokuzama ukunciphisa ubugebengu endaweni. |
| deliberate | verb | to think very carefully about something so that a decision can be made | After having deliberated for two hours, the committee decided to support the motion. | cabangisisa | verb | ukucabangisisa kanzulu ngokuthile ukuze kwenziwe isinqumo | Ngemva kokucabangisisa amahora amabili, ikomidi lanquma ukuthi lisekele umbono. |
| deliberate | verb | to think very carefully about something so that a decision can be made | After the open discussion between the lecturer and his students, he deliberates their suggestions. | cabangisisa | verb | ukucabangisisa kanzulu ngokuthile ukuze kwenziwe isinqumo | Ngemva kwengxoxo yesethulo phakathi komfundisi nabafundi bakhe, wacabangisisa ngalokho abakusikiselayo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| deliberately | adverb | on purpose | The student deliberately committed plagiarism and hoped the lecturer would not see it. | ngamabomu | adverb | ukwenza ngenjongo | Umfundi wakopisha ngamabomu futhi wayethembe ukuthi umfundisi wayengeke akubone. |
| deliberateness | noun | intention | The calculated deliberateness of the action was as shocking and surreal as the first time he'd hit her. | ngamabomu | noun | injongo | Ukuba ngamabomu kwesenzo kwakumangaza kakhulu njengasesikhathini sokuqala lapho emshaya. |
| deliberation | noun | the process of thoroughly discussing and considering something | To give time for raising funds and deliberation, the property was re-let for a year to the original purchaser. | ukwethula | noun | uhlelo lokukhuluma ngokucophelela ngento ethile. | Ukunikeza ngesikhathi sokuhlanganisa izimali kanye nokubonisana, indlu leyo yabuye yaqashiswa unyaka wonk kulowo owayeyithenge ekuqaleni. |
| deliberation | noun | careful consideration | After considerable deliberation Rhodes and Jameson concluded that they might successfully intervene between Kruger and the Uitlanders. | ukucabangisisa | noun | ukucabangisisa kabanzi | Nemva kokucabangisisa kabanzi uRhodes noJameson baphetha ngokuthi bangase bangenelele ngokuphumelelayo phakathi kweKruger ne-Uitlanders. |
| deliver | verb | give | The best time to deliver a lecture is in the morning, because after lunch it is often hard to concentrate on your facts. | nikeza | verb | ukwethula | Isikhathi esingcono kakhulu sokwethula isifundo isekuseni, ngoba ngemva kwesikhathi sekhefu ngokuvamile kuba nzima ukugxilisa ingqondo engxoxweni yakho. |
| delusion | noun | something you believe but which is not true | If you are under the delusion that only your opinions are correct, it might be that you do not properly reflect on your views. | inkohliso | noun | into oyikholelwayo kodwa engelona iqiniso | Uma ukholelwa ukuthi imibono yakho kuphela elungile, kungase kube ngenxa yokuthi awuzindli kahle ngemibono yakho. |
| demand | verb | strictly require | The study program demands commitment from the student. | dingeka | verb | kudingeka ngokuqinile | Uhlelo lwesifundo ludinga ukuzimisela komfundi. |
| demonstrate | verb | to show or prove something | The figure below demonstrates the extent to which the land became less arable. | bonisa | verb | ukubonisa noma ukufakazela into ethile. | Isibalo esingezansi sibonisa ukuthi umhlaba lo awusalimeki kahle neze. |
| demonstrate | verb | to show that you have a skill, quality, ability or feeling. | She demonstrated her love for children by volunteering at an orphanage. | bonisa | verb | ukukhombisa ukuthi unekhono, ikhwalithi, amandla kanye nomuzwa. | Wakhombisa uthando lwakhe analo ngezingane ngokuthi aye kovolontiya esikhungweni sezintandane. |
| demonstrate | verb | to show or outline an action step by step | In the training of inexperienced mechanics, one has to demonstrate the dismantling of, for example, a carburetor in an algorithmic way. | bonisa | verb | ukubonisa noma ukuveza isinyathelo ngasinye | Lapho kuqeqeshwa omakhenikha abangenalo ulwazi, umuntu kufanele ngokwesibonelo, abonise ukuhlukaniswa kwe-carburetor ngokulandela inqubo ethile. |
| demonstrate | verb | to show that you have a certain skill, quality, ability or feeling | She demonstrated her love for children by volunteering at an orphanage. | bonisa | verb | ukubonisa ukuthi unekhono, ikhwalithi, ubukhali noma umuzwa othile | Wabonisa uthando lwakhe lwezingane ngokuvolontiya ukusebenza endaweni yezintandane. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| demonstrated | adjective | of which a demonstration is provided | Thanks to her concrete presentation, everyone understands the demonstrated principles better. | kubonisiwe | adjective | lapho kubonisiwe ngokoqobo | Ngenxa yomboniso wakhe onobufakazi, wonke umuntu manje useqonda kangcono izimiso ezibonisiwe. |
| demonstration | noun | a practical explanation | During the writing course, the author gave a demonstration of some writing techniques. | umboniso | noun | incazelo engokoqobo | Phakathi nesifundo sokubhala, umbhali wanikeza umboniso wamanye amasu wokubhala. |
| denotation | noun | literal meaning | The denotation of DOG is: four-legged, barking pet. | isisho | noun | incazelo eqondile | Isisho segama elithi INJA: isilwane esifuywayo semilenze emine, esikhonkothayo. |
| denotative | adjective | which carries the main meaning and does not include feelings or opinions | The meaning of DOG as a four-legged barking pet is denotative. | okuchazayo | adjective | okunencazelo eyinhloko futhi okungahlanganisi imizwa noma imibono | Incazelo yegama INJA njengesilwane esifuywayo semilenze emine esikhonkothayo ingokuchazayo. |
| denote | verb | to give a sign or indication of | On the periodic table the element sodium is denoted by the symbol Na. | bonisa | verb | ukunika uphawu noma ukubonisa. | Kwithebula lezikhathi i-sodium iboniswe ngophawu olungu: Na. |
| denote | verb | to mean or represent | The acronym *AIDS* denotes Acquired Immune Deficiency Syndrome. | bonisa | verb | ukusho okuthile. | Isifinyezo esithi *UMZUKAZWE* sibonisa ukuthi Umkhandlu WesiZulu Kuzwelonke. |
| dense | adj | difficult to understand because it contains many ideas and information, and uses difficult language | Her writing is so dense that only other experts in the field understand it. | okucinene | adj | uma umbhalo unzima ukuwuqonda ngenxa yokuthi unemiqondo eminingi kakhulu emikhulu kanye nolwazi futhi usebenzisa ulimi olulukhuni. | Umbhalo wakhe ucinenene kakhulu kangangokuthi abanye ongoti kuphela emkhakheni wakhe abangakwazi ukuwuqonda. |
| dense | adj | containing many people or objects with little space between them | The path became more indistinct with each step, eventually coming to an end in dense underbrush. | okucinene | adj | okunabantu abaningi kakhulu kanye nezinto eziningi kodwa kube nendawo encane phakathi kwakho. | Indlela yehluka kakhulu yaqala yacinana isinyathelo ngasinye, ekugcineni yafinyelela emaphethelweni ngaphansi kokucinana. |
| deny | verb | to declare that something is untrue | He denied that he cheated during the test. | phika | verb | ukusho ukuthi into ethile ayisilona iqiniso. | Waphika ukuthi wakophela ngesikhathi kubhalwa isivivinyo. |
| deny | verb | to reject something as false, or to refuse to believe, accept or acknowledge something | The company denied responsibility for the accident. | chitha | verb | ukunqaba into ethile njengesilona iqiniso kanye nokunqaba ukukholwa, ukwamukela into ethile. | Inkampani yakuchitha ukuthi yiyona eyadala ingozi. |
| depress | verb | to make the value of prices or wages lower | Food aid usually depresses food prices in the benefitting country. | ehlisa | verb | ukwenza inani libe phansi kunalokho okulindelekile. | Usizo ngokudla luvame ukwehlisa amanani okuhla kulelo lizwe eliluthelayo. |
| derivable | adjective | which can be derived from something | The answer was easily derivable from the clues. | okutholakalayo | adjective | okungase kutholakale kokunye | Impendulo kade itholakala kalula emacebisweni. |
| derivation | noun | formation of a word from another word | SINGING, SANG, SINGER and SONG were formed by derivation from the word SING. | ukutholakala | noun | ukwakhiwa kwegama kusuka kwelinye | Amagama athi UKUCULA, WACULA, UMCULI NECULO wonke atholakala egameni elithi CULA. |
| derivative | noun | a word formed from another word | The word SINGER is a derivative of SING. | umnyombo | noun | igama elenziwe kusuka kwelinye | Igama UMCULI lisuka kwelithi CULA. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| derive | verb | calculate, discover or establish something using the available information | The great problem for the Realists is how to derive the individual from the universal. | susela | verb | bala, thola noma sungula into ethile usebenzisa ulwazi olukhona. | Inkinga enkulu ebhekene naleli qeqebana ukuthi limsusa kanjani umuntu kumhlaba awakhele. |
| describe | verb | explain what something or someone is or looks like | Describe in detail how a solar-powered geyser works. | chaza | verb | ukunika imininingwane yokuthi into ethile injani. | Chaza kabanzi ukuthi ngabe igiza esebenza ngelanga isebenza kanjani. |
| description | noun | speech or writing that gives an account of what something is like | He obtained a full description of the man and his vehicle and the license plate number. | incazelo | noun | inkulumo noma umbhalo onika imininingwane yokuthi into ethile injani. | Wathola incazelo egcwele ngendoda kanye nemoto yayo kanye nenamba puleti yayo. |
| description | noun | speech or writing that gives an account of what something is like | He obtained a complete description of the man, his vehicle and its registration number. | incazelo | noun | inkulumo noma umbhalo onikeza incazelo yokuthile | Wathola incazelo ephelele yowesilisa, imoto yakhe nenombolo yokubhaliswa kwayo. |
| description | noun | account giving the characteristics of something or someone | The lecturer asks the class: What would be a common description of peer assessment? | incazelo | noun | incazelo enikeza izici zento noma zomuntu othile | Umfundisi ubuza ikilasi: Iyini incazelo ejwayelekile yokuhlolwa kontanga? |
| descriptive | adjective | giving an account of what something is like | The descriptive parts in your book are usually more convincing than the philosophical parts. | kuyachaza | adjective | kunikeza incazelo yokuthile | Izingxenye ezichazayo encwadini yakho ngokuvamile zikholisa kakhulu kunezingxenye zezefilosofi. |
| design | noun | the way that something looks, works or is used | The new arts building has an art nouveau design. | umklamo | noun | indlela into ethile ebukeka ngakhona noma esetshenziswa ngakhona. | Nesakhiwo esisha sezobuciko sinomklamo wobuciko kuso. |
| design | noun | a detailed drawing or plan of something to show how it will work and how you will make it. | She submitted a number of designs for the fashion show in September. | umklamo | noun | umdwebo onokuningi noma uhlelo lwento ethile ukubonisa ukuthi isebenza kanjani kanye nokuthi uyokwenza kanjani. | Waletha inqwaba yemiklamo eyayizobhekela umcimbi wemfashini ngoMandulo. |
| design | noun | an overall plan or intention that you have in your mind when you do something | It was unclear whether the explosion was an accident or whether it happened by design. | inhloso | noun | uhlelo lonkana noma inhloso onayo emqondweni lapho wenza okuthile. | Akuzange kucace noma ukuqhuma lokho kwakuyingozi nje noma kwakuyinto eyenziwe ngokokuhlelwa. |
| design | verb | create a drawing, plan or model according to which something can be made or built | The software engineers will design a text to speech app for the new cell phone. | klama | verb | ukwenza umdwebo, uhlelo noma imodeli yento ethile lapho khona into ethile ingakhandwa khona. | Onjiniyela be-software bazoklama into yokusebenzela kwiselula evumela ukuthi ukwazi ukubhala nokukhuluma kuyo. |
| design | verb | to plan or develop something that is intended for a specific purpose | The syllabus was designed for the five-year programme. | hlela | verb | ukuhlela noma ukuthuthukisa okuthile okuhloswe ngakho inhloso ethile. | Isilabhasi yayihlelelwe ukuthi isebenze uhlelo lweminyaka emihlanu. |
| design | verb | create something new or original | The ability to design a proper research plan is key to successful research. | klama | verb | dala okuthile okusha noma okungokoqobo | Ikhono lokuklama uhlelo locwaningo olufanele luyinto ebaluleke kakhulu ocwaningweni oluphumelelayo. |
| design | noun | a detailed drawing or plan of something to show how it will work and how you will make it | She submitted a number of designs for the fashion show. | umklamo | noun | umdwebo noma uhlelo oluningiliziwe lokuthile olubonisa indlela okuzosebenza ngayo nokuthi uzokwenza kanjani | Wathumela inani lemiklamo yombukiso wemfashini. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| design | noun | a detailed plan of something that shows how it will work and how you will approach it | There are serious gaps in the researcher's research design. | umklamo | noun | uhlelo oluningiliziwe lokuthile olubonisa ukuthi kuzosebenza kanjani nokuthi uzokwenza kanjani | Kunemininingwane ebalulekile engekho emklanyweni wocwaningo lomncwaningi. |
| design | verb | develop a drawing, plan or model according to which something can be made, built or written | Designing a proper research plan is the key to successful research. | klama | verb | sungula umdwebo, uhlelo, noma uhlobo kuya ngendlela okuthile okungenziwa, kwakhiwe noma kubhalwe ngayo. | Ukuklama uhlelo locwaningo olufanele kubalulekile kakhulu ocwaningweni oluphumelelayo. |
| designed | adjective | which has been drawn, planned or modelled to show how it can be built, made or written | It is evident that the academic essay was written according to a well designed scheme. | kuklanyiwe | adjective | okudwetshiwe, okuhleliwe noma uhlobo olubonisa indlela okuzokwakhiwa, kwenziwe, noma kubhalwe ngayo. | Kusobala ukuthi indatshana yezemfundo ibhalwe ngokuvumelana nohlelo oluklanywe kahle. |
| detailed | adjective | showing attention to detail | The causes of the problem were set out in a detailed account. | okuningiliziwe | adjective | kuveza yonke imininingwane | Izimbangela zenkinga zaboniswa esitatimendeni esiningiliziwe. |
| detect | verb | to discover or determine | The disease can be cured if it is detected early. | tholakala | verb | ukuvukuza noma ukuveza. | Lesi sifo singelashwa uma singatholakala sisanda kungena. |
| determination | noun | firm intention to achieve a goal | It was not easy, but thanks to hard work, determination, passion and perseverance, I got it right. | ukuzimisel | noun | inhloso eqinile yokufinyelela umgomo | Kwakungekho lula, kodwa ngenxa yokusebenza kanzima, ukuzimisela, uthando nokubekezela, ngakuthola. |
| determination | noun | solution achieved through arguments and reasoning | The judge handed down an interim judgment ordering the state not to deport the academic pending the final determination of the case. | ukunquma | noun | isixazululo esifinyelelwe ngezimpikiswano nokubonisana | Umahluleli wanikeza isahlulelo sesikhashana esayala uhulumeni ukuthi angathumeli umfundi kwelinye izwe njengoba kusalindwe isinqumo secala. |
| determine | verb | to discover the facts about something | The financial needs of students must be determined. | tholakala | verb | ukuthola amaqiniso ngento ethile. | Izidingo zokugcina zezimali zabafundi kufanele ukuthi zitholakale. |
| determine | verb | to supply a detailed description of something, or to calculate something meticulously | If astronomers can determine the distance between galaxies, humans will begin to realise the enormity of the universe. | nquma | verb | ukunikeza incazelo eningiliziwe yokuthile, noma ukubalisisa okuthile ngokucophelela | Uma osomkhathi bengakwazi ukunquma ibanga phakathi kwemithala, abantu bazoqala ukuqonda ubukhulu bembulunga yonke. |
| determining | adjective | which causes something to happen in a particular way | The research team was able to point out that the form of the land exercises a determining influence on the climate of the region. | ukunquma | adjective | okubangela ukuthi okuthile kwenzeke ngendlela ethile | Ithimba locwaningo lakwazi ukuthola ukuthi uhlobo lwendawo lunethonya ekuboniseni isimo sezulu sendawo. |
| detriment | noun | disadvantage or damage, harm or loss | The great emphasis on writing skills is to the detriment of speaking skills. | okulimazayo | noun | ububi noma ukulimala noma ukulahleka. | Amakhono okubhala anikwa ukubaluleka okukhulu kakhulu nokugcina sekulimaza amakhono okukhuluma. |
| develop | verb | gradually grow or become bigger | The sprout developed into a flower. | khula | verb | ukukhula kancane noma ukuba mkhulu. | Isimila sakhula saba yimbali enkulu. |
| develop | verb | to produce a new system, method, product, etc | The company developed a new system to use less electricity. | thuthuka | verb | ukukhiqiza uhlelo olusha, indlela entsha, umkhiqizo omusha, njll. | Inkampani yathuthukisa uhlelo olusha lokusebenzisa ugesi omncane. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| develop | verb | to produce a new idea, method, system or product | We developed interesting new ideas during the group session. | sungula | verb | ukusungula umbono, indlela, uhlelo noma ukhiqizo omusha | Sisungula imibono emisha ethakazelisayo phakathi neseshini yeqembu. |
| develop | verb | gradually grow and become bigger | The seedling developed into a flowering plant. | ukukhula | verb | ukukhula kancane kancane bese kuba kukhulu | Imbewu yakhula yaba isitshalo sembali. |
| develop | verb | extend further | Your are unable to further develop your argument because you do not systematically expound your thoughts. | thuthukisa | verb | nweba ngokwengeziwe | Awukwazi ukuthuthukisa ngokwengeziwe ingxoxo yakho ngoba awuchazi ngokuhlelekile imibono yakho. |
| develop | verb | to grow and become mature | The biggest challenge for students who want to think in an academic way is to develop other points of view. | thuthukisa | verb | ukukhulisa bese kuba okuvuthiwe | Inkinga enkulu kakhulu yabafundi abafuna ukucabanga ngendlela yezemfundo ukukhulisa eminye imibono. |
| develop | verb | make or become more advanced | If you want to think like an adult, the biggest challenge is that you need to develop the ability to respect the views of others. | thuthukisa | verb | ukwenza noma ukuba othuthukile | Uma ufuna ukucabanga njengomuntu omdala, inkinga enkulu ukuthi kufanele uthuthukise ikhono lokuhlonipha imibono yabanye abantu. |
| dualism | noun | view about or state of duality | Anthropological dualism teaches, for instance, that man is composed of soul and body, while physical dualism teaches that reality is composed of spirit and matter. | isimiso esikabili | noun | umbono noma isimo sobumbili | Ngokwesibonelo isayensi yokuhlalisana kwabantu yesimiso esikabili ifundisa ukuthi umuntu ungumphefumulo nomzimba, kuyilapho ubumbili bangempela bufundisa ukuthi ukuphila kwenziwe ngomoya nangodaba. |
| dualistic | adjective | which possesses the property of duality | The Chinese and especially the Taoists believe that the human psyche is both dualistic and holistic, because the opposing forces Yin (female, dark, passive) and Yang (male, light and active) complement each other. | kunesimiso esikabili | adjective | okubonisa ukuba nesimo esikabili | AmaShayina ikakhulukazi amaTaoist akholelwa ukuthi umuntu unesimiso esikabili nesiphelele, ngoba amandla aphikisanayo u-Yini (owesifazane, onobumnyama futhi othulile), no-Yang (owesilisa, okhanyayo nonamandla) bayahambisana. |
| duality | noun | condition, property or fact that something consists of two members or constituents | Man is widely seen as a duality of mind and body. | ukuba nesimiso esikabili | noun | isimo, isakhiwo noma inkolelo yokuthi okuthile kunamalungu noma izakhi ezimbili | Umuntu ubekwa njengesimiso esikabili sengqondo nomzimba. |
| duration | noun | the period of time during which something continues | For the duration of the lecture, students are not allowed to leave the lecture hall. | isikhathi | noun | isikhathi esithile okwenzeka ngaso into ethile noma isikhathi into ethile eqhubeka ngaso. | Ngokuqhubeka kwesikhathi sonke sesifundo, abafundi babengavunyelwe ukuthi bashiye kwihholo okufundelwa kulo. |
| dynamic | noun | the way in which things or people behave, react and change one another, usually plural. | His book was the first successful attempt to deal with the dynamics of a system. | indlela | noun | indlela izinto noma abantu abasebenza ngakhona, abaziphatha ngakhona noma abashintshana ngakhona, imvamisa leli gama lisetshenziswa ebuningini. | Incwadi yakhe yaba umzamo wokuqala ukubhekana nezindlela zokwenza izinto zikahulumeni obusayo. |
| dynamic | noun | something that causes change or action | Capitalism is a dynamic of economic change. | imbangela | noun | into ebangela uguquko noma isenzo esithile. | Ukuba ugombela kwesabo yiyona nto eyimbangela yoguquko kwezomnotho. |
| dynamic | adj | full of energy, new and exciting ideas, and ambitious | He was a dynamic doctor who revitalised the whole clinic. | nomdlandla | adj | okugcwele amandla, okunemicabango emisha kanye nethokozisayo futhi enempokophelo. | Wayengudokotela onomdlandla nowafaka umfutho kumtholampilo wonke. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| dynamic | adj | active, energetic and continuously moving or changing | Educational reform has to be a dynamic process to keep up with students' changing needs. | okuguququququkayo | adj | okusebenzayo, okunamandla futhi okuhlala njalo kuguquka noma kushintsha njalo nje. | Ushintsho kwezemfundo kufanele ukuthi kube oluguququququkayo ukuze lukwazi ukuhambisana nezidingo ezishintsha njalo zabafundi. |
| dynamics | noun | the ways in which things or people behave, react and affect one another | His book was the first successful attempt to analyse the dynamics of the system. | ukusebenza kwezinto | noun | izindlela izinto noma abantu abaziphatha, abasabela nabathonya ngayo abanye abantu | Incwadi yakhe yayiwumzamo wokuqala owaphumelela wokuhlaziya ukusebenza kohlelo. |
| ecological | adjective | related to ecology or living organisms | People who leave cigarette butts in the field are ecologically insensitive and a danger to the well-being of the earth. | imvelo | adjective | okuhlobene nemvelo noma izinto eziphilayo | Abantu abashiya izinqamu zikagwayi ensimini abanalo uzwelo kwezemvelo futhi bayingozi enhlalakahleni yomhlaba. |
| ecology | noun | the branch of biology that deals with the relations of organisms to one another and to their physical surroundings | Modern man harms ecology with his thoughtless misuse of natural resources. | isayensi yezinto eziphilayo | noun | isayensi yezinto eziphilayo ebheka ubudlelwano bezinto eziphilayo kanye nezinto ezizizungezile | Abantu besimanje bonakalisa isayensi yesimanje ngobudedengu babo bokusebenzisa kabi izinsiza ezingokwemvelo. |
| economic | adj | connected with the trade, industry or development of wealth of a country | The relative value of currency is directly linked to the economic stability of a country. | okomnotho | adj | okuxhumene nokuhwebelana noma nokuthuthuka komnotho wezwe. | Amandla emali njengamanje ancike ngokuqondile kwisimo sokusimama komnotho wezwe. |
| economic | adj | providing sufficient profit to continue | The mining group must investigate more economic ways of extracting ore. | okongayo | adj | ukuhlinzeka ngenzuzo eyanele ukuthi kungaqhubeka. | Le nkampani yezimayini kufanele ukuthi icwaninge ezinye izindlela ezengeziwe ezongayo zokukhipha phansi emgodini igolide. |
| economic | adjective | relating to the state economy | A country's economic climate is evident in, among other things, food prices and interest rates. | ezomnotho | adjective | okuhlobene nesimo sezomnotho | Isimo sezomnotho sezwe sibonakala ezintengweni zokudla ngisho nesezilinganisweni zenzalo, phakathi kweziningi. |
| economic | adjective | related to trade, industry and development of wealth | The relative value of currency is directly linked to the economic stability of a country. | | | | |
| economy | noun | the state of a country or region in terms of the production and consumption of goods and services and the supply of money | One can observe the struggling economy of a country in rising food prices and interest rates. | umnotho | noun | isimo sezwe noma sesifunda mayelana nokukhiqizwa nokusetshenziswa kwezimpahla nezinsizakalo ngisho nokuba khona kwemali | Umuntu angase abone ukuntengantenga komnotho kwezwe ekukhuphukeni kwezintengo zokudla nezilinganiso zentela. |
| economy | noun | the system of production, distribution and consumption | The economy suffered because of a cycle of droughts and floods. | umnotho | noun | indlela yokukhiqiza, yokusabalalisa kanye nokudla. | Umnotho wathwala kanzima ngenxa yesiyingi sesomiso kanye nezikhukhula. |
| economy | noun | the use of the minimum resources | The diesel engine performs the same as petrol engines, but with greater fuel economy. | ukonga | noun | ukusebenzisa izinto ezincane nezingezininingi kakhulu. | Injini kadizili isebenza ngendlela efanayo nenjini kaphethroli, kodwa yona iwonga kakhulu amafutha. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| edit | verb | to correct and adapt the content of an article, book or film to prepare it for publication | She edited the student magazine before it was sent to the printers. | hlela | verb | ukulungisa, ukwenza kume kahle kany nokuthatha isinqumo sokuthi yini okumele ingene embhalweni othile, encwadini, kwifilumu, njll. ukuze uyilungiselele ukuthi ikwazi ukukhishwa ibonwe yizwe noma isakazwe. | Wahlela iphephabhuku labafundi ngaphambi kokuba liye koshicilelwa. |
| edited | adjective | which has been corrected and adapted in order to prepare it for publication | A good publisher ensures that all texts that are published are thoroughly edited. | hleliwe | adjective | okulungisiwe futhi okuhlelwe ukuze kulungele ukunyatheliswa | Umshicileli omuhle uqinisekisa ukuthi yonke imibhalo eshicilelwayo ihlelwe ngokucophelela. |
| editing | noun | removal of irrelevant content, misspellings, clumsy and misleading phrasing and poor sentence structure | The editing of a thesis should be left to a professional text editor. | ukuhlela | noun | ukususwa kokuqukethwe okungafanelekile, amaphutha wokubhala, imisho exakile noma ekhohlisayo ngisho naleyo engahlelwanga kahle. | Ukuhlelwa kombhalo wokuthola iziqu kufanele kushiyelwe umhleli wombhalo onalwazi. |
| effect | noun | result or influence | The article deals with the effects of global warming on Sub-Saharan Africa. | umthelela | noun | umphumela. | Umbhalo ukhuluma ngemithelela yokushisa komhlaba emazansi ne-Afrika. |
| effect | noun | result or influence | The negative effect of drugs on adolescents cannot be denied. | umthelela | noun | umphumela noma ithonya | Umthelela ongemuhle wezidakamizwa kwabasebasha awunakuphikiswa. |
| effective | adj | having the qualities or resources required to meet a task | Combining different teaching methods in the classroom is more effective than using only one. | okusebenzayo | adj | ukuba nezimo zokukwazi ukuhlangabezana nokwenza umsebenzi othile odingekayo. | Ukuhlanganisa izindlela ezahlukene zokufundisa ekilasini kusebenza kakhulu ukusenokusebenzisa indlela eyodwa Kuphela. |
| efficacy | noun | the ability of something to produce the desired results | The researchers assessed the efficacy of sports training. | ukuba namandla | noun | amandla ento ethile ukukhiqiza imiphumela edingekayo. | Abacwaningi babheka ukuba namandla kokuqeqeshela ezemidlalo. |
| elaborate | verb | to describe in detail and provide a lot of information | In a follow-up report the company elaborated on the implementation of its strategy to increase productivity. | enaba | verb | ukuthuthukisa icebo noma ithiyori ngokuyichaza ngemininingwane ebanzi noma ngokuyinika ulwazi olusha oluqondene naye. | Embikweni olandelayo inkampani yabe seyenaba ngokusetshenziswa kwecebo layo ukunyusa umkhiqizo. |
| elaborate | adj | very detailed and complex, often with many different parts and carefully developed | The scientists spent years developing an elaborate plan to combat malaria. | okubanzi | adj | okunemininingwane eminingi nebanzi kakhulu, imvamisa akubi nezingxenye eziningi ezixhumene, okulungiswe kahle. | Ososayensi bachitha iminyaka eminingi besungula icebo elibanzi lokulwa nomalaleveva. |
| element | noun | one of the individual parts making up a larger entity | The building of a new student centre is the key element in the rector's plan to upgrade the campus. | umunxa | noun | enye yezingxenye ezihamba ngazodwana ezenza into enkulu. | Ukwakhiwa kwendawo yabafundi entsha umunxa onqala kakhulu ohlelweni lukamphathi wenyunivesi lokulungisa ikhempasi. |
| element | noun | the basic or typical parts of something. | The first lecture deals with the elements of good design. | umumo | noun | isizinda sento ethile noma izingxenye zento ethile. | Isifundo sokuqala nje sikhuluma ngemimo yomklamo omuhle. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| element | noun | a small quantity of something, such as risk, truth or surprise | All investments contain an element of risk. | intwana | noun | inani elithile elincane, elifana nengcuphe, iqiniso, isimangalo, njll. | Konke ukutshalwa kwezimali kunentwana ewukuzifaka engcupheni. |
| element | noun | one of the individual parts making up a larger entity | His theory is unscientific because it contains subjective ideological elements that undermine the objective character of science. | isici | noun | okukodwa kwezingxenye ngazinye ezakha inhlangano enkulu | Umbono wakhe awuvumelani nesayensi ngoba unezici zombono wokuzicabangelayo ezingase zicekele phansi ubuqotho besayensi. |
| elementary | adjective | relating to the basics of a subject | Some people think knowledge of the characteristics of research is elementary, but many others find it very complex. | okuqalayo | adjective | okuhlobene nokuyisisekelo kwesifundo | Abanye abantu bacabanga ukuthi ulwazi lwezici zocwaningo luyinto yokuqalayo, kodwa abaningi baluthola luyinkimbinkimbi kakhulu. |
| elevate | verb | to give someone or something a more important position | Her desire was to elevate Russian to one of the literary languages of Europe. | phakamisa | verb | ukunika omunye umuntu noma into ethile isikhundla esibaluleke kakhulu. | Isifiso sakhe kwakuwukuphakamisa ulimi lwesiRashiya lube phakathi kwezilimi ezinkulu nezihlonishwayo kwezobuciko eYurophu. |
| elevate | verb | to increase the amount, intensity, pressure, etc. of something. | Smoking and obesity can elevate "bad" cholesterol levels. | enyusa | verb | ukwandisa inani, amandla, ingcindezi, njll. yento ethile. | Ukubhema kanye nokukhuluphala kwenyusa amazinga “amabi” ekholesteroli. |
| elevate | verb | to increase the amount, intensity or pressure of something | Smoking and obesity can elevate bad cholesterol levels. | khuphula | verb | ukuze ukhuphule inani, amandla noma ingcindezi yokuthile | Ukubhema nokukhuluphala ngokweqile kungase kukhuphule amazinga we-cholesterol embi. |
| elicit | verb | to do or say something, such as asking a question, to get someone else to respond or give information | The use of closed questions elicited specific information concerning the demographic characteristics of the respondents. | veza | verb | ukwenza noma ukusho into ethile, efana nokubuza imibuzo, ukuthola abanye abantu ukuthi bnakwazi nabo ukuthi kube khona abakwenzayo noma banikeze ulwazi. | Ukusebenzisa imibuzo evalelekile kwenza ukuthi kuvele ulwazi oluthile maqondana nezici ezithinta umlando wokuphila kwalabo ababephendula imibuzo yocwaningo. |
| eliminate | verb | end or do away with | Writers should always use spell-checkers to eliminate unnecessary errors. | qeda | verb | susa, noma shabalalisa. | Ababhali kumele ngaso sonke isikhathi basebenzise uhlelo lokuhlola izipelingi ukuqeda wonke amaphutha angadingekile. |
| ellips | noun | omission of words, indicated by three dots | When a student quotes a fairly long sentence from a source, she can use the ellipse and omit less important words to focus on the keywords. | i-ellips | noun | ukususwa kwamagama, okuboniswa ngamachashazi amathathu | Lapho umfundi ecaphuna umusho omude kakhulu kusuka kumthombo, angase asebenzise i-ellipse bese esusa amagama angabalulekile kakhulu ukuze agxile emagameni ayinhloko |
| elliptical | adjective | making use of ellipsis | A sentence is elliptical if the writer omits words from the sentence and indicates the omissions with 3 dots. | kune-ellips | adjective | ukusetshenziswa kwe-ellips | Umusho une-ellips uma umbhali esusa amagama emishweni bese ebonisa lokho kususwa ngamachashazi amathathu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| eloquent | adj | able to express your opinions or ideas well, in speech or in writing, especially in a way that affects other people | His speeches were always eloquent and powerful. | okuveza umbono ngamandla | adj | ukukwazi ukuveza umbono wakho kanye nemicabango yakho kahle, enkulumweni yakho noma ekubhaleni kwakho ikakhulukazi ngendlela ethinta abanye abantu. | Inkulumo yakhe ayethula kwisishayamthetho yayiveza umbono wakhe ngamandla futhi inamandla kwasa yona. |
| eloquent | adj | visibly expressive, showing an emotion or meaning without using words | Her paintings are an eloquent reminder of the power and beauty of nature. | okucace bha | adj | okusho kuzwakale, okubonisa umuzwa noma okusho okukhombisa okuthile ngaphandle kokusebenzisa amagama. | Imibhalo yakhe iyizikhumbuzo ezicace bha zamandla kanye nobuhle bendalo. |
| embody | verb | to be an expression or symbol of an idea, principle or quality. | Nelson Mandela embodies the spirit of reconciliation. | mela | verb | ukuba wuphawu lwento ethile noma yinto emele umqondo noma umgomo wento ethile. | UNelson Mandela umele umoya wokuxolelana nokubuyisana. |
| embody | verb | to be an expression or symbol of an idea, principle or quality | Nelson Mandela embodied the spirit of reconciliation. | melela | verb | ukumelela noma ukuba uphawu lombono, isimiso noma imfanelo | UNelson Mandela wayemelela umoya wokubuyisana. |
| embrace | verb | to include something, such as a group of people, ideas or things, in a topic, discussion or category | People around the world have turned against their communist regimes and embraced democracy. | emukela | verb | ukufaka into ethile efana neqembu labantu, imiqondo noma izinto njengengxenye yesifundo noma yengxoxo ethile. | Abantu emhlabeni jikelele sebebashiye phansi ohulumeni babo bamakhomanisi bemukela intando yeningi. |
| embrace | verb | to accept something, such as an idea or a belief or new opinion, and to support it eagerly | After having embraced Judaism she changed her name to Hadassah. | yamukela | verb | ukuthatha into efana nombono omusha,umqondo omusha, inkolelo entsha bese uyeseka ngomfutho omkhulu. | Ngemuva kokwemukela inkolo yobuJuda, wabe esezishintsha negama lakhe eseba nguHadassah. |
| emerge | verb | to come out into view or become clear | It emerged from the court case that the suspect’s fingerprints were on the murder weapon. | hlaluka | verb | ukuvela obala; ukuthi kucace. | Kwahlaluka kwicala elalisenkantolo ukuthi amanyathelo eminwe yomsolwa ayesesikhalini esasetshenziselwa ukubulala. |
| emerge | verb | to come into existence or become known | Microsoft emerged as the leading computer software company. | qhamuka | verb | ukwaziwa noma ukubonakala; ukuqhamuka usuphila nje. | IMicrosoft yaqhamuka isiyinkampani ezishaya zonke ekuhlinzekeni ngezinto zamakhompyutha. |
| emigrate | verb | to permanently leave one's own country to live or settle in another country | He can leave South Africa and emigrate to the USA to work there. | thutha | verb | ukushiya ngokuphelele izwe lakho ukuze uhlale kwelinye izwe | Angase ashiye iNingizimu Afrika bese ethuthela e-USA kuze asebenze khona. |
| emphasis | noun | special importance or significance | The fundamental feature of the book is the emphasis placed on human reason. | ukugcizelela | noun | ukubaluleka okuyisipesheni. | Isici sakho esikhulu ukugcizelela ukubaluleka ekucabangeni komuntu. |
| emphasis | noun | special importance or significance | The article places great emphasis on feminism and the role of women in eighteenth-century politics. | ukugcizelela | noun | ukubaluleka okukhethekile | Incwajana igcizelela ubufazi kanye nendima yabesifazane kwezepolitiki ekhulwini lesishiyagalombili. |
| emphasise | verb | to stress or highlight | The dietician emphasised the value of exercise in weight-loss. | gcizelela | verb | ukubalula. | Udokotela wagcizelela ukubaluleka kokuvocavoca umzimba ekwehliseni isisindo somzimba. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| emphasise | verb | to stress or highlight | The lecturer underlines each topic sentence in the text to emphasise the core issues. | ukugcizelela | verb | ukugcizelela noma ukuveza iphuzu | Umfundisi udweba umusho wesihloko ngasinye kumbhalo ukuze agcizilele izinkinga eziyinhloko. |
| emphasised | adjective | bearing stress or accent | Write the emphasised words in italics rather than underlining them. | kugcizilelwe | adjective | kugcizelelwe | Bhala amagama agcizelelwe ngomalukeke kunokuthi uwadwebele. |
| empirical | adj | derived from experiment and observation in the real world, rather than theory | The empirical part of her research included interviews with the parents of the patients, and observation of the therapy sessions. | ukubona ngokulinga | adj | okususelwe kulokho okwenzekayo kanye nokubona umhlaba wangempela ngaphandle, hhayi ithiyori. | Ukubona ngokulinga ngasohlangothini lwakhe locwaningo kufaka phakathi imibuzo okwakudingeka ukuba iphendulwe ngabazali beziguli kanye neziwombe zokubhekwa kokusetshenziswa kokwelashwa. |
| empirical | adjective | derived from experiment and observation in the real world, rather than theory | Einstein's theory that gravity can bend light has been empirically proven when astronomers could observe this phenomenon during a solar eclipse with sophisticated instruments. | okuboniwe | adjective | okuthathwe kulokho okuhloliwe nokuqasheliwe emhlabeni wangempela, esikhundleni sokuba okucatshangelwayo nje | Umbono ka-Einstein wokuthi amandla adonsela phansi angakwazi ukutshekisa ukukhanya ufakazelwe ngokuboniwe lapho osomakhathi bekwazi ukubona lokhu phakathi nokufiphala kwelanga besebenzisa imishini eyinkimbinkimbi. |
| empiricism | noun | the belief that knowledge is based on the evidence of experience or experiments | Empiricism allows the facts to speak for themselves, and attempts to omit the interpretation of the researcher as far as possible. | okubonwa ngokulinga | noun | inkolelo yokuthi ulwazi lugxile ebufakazini bokwenzeke kuwe noma balokho okwenziwe kwabonwa imiphumela yakho. | Okubonwa ngokulinga kuvumela ukuthi amaqiniso azikhulumele wona ngokwawo, futhi kuzama ukukhipha incazelo eyenziwa ngabacwaningi kakhulu ngendlela okungenzeka ngayo. |
| empiricism | noun | experience as basis for knowledge | Empiricism is the belief that experience is the basis of all knowledge. | i-empiricism | noun | okuhlangenwe nakho okuyisisekelo solwazi | I-Empiricism inkolelo yokuthi okuhlangenwe nakho kuyisisekelo solwazi. |
| empiricism | noun | school of thought hat derives knowledge exclusively or mainly from experience | Because he believes in empiricism, he was looking for answers from his research. | i-empiricism | noun | umbono wokuthi ulwazi lutholakala ngokukhethekile kokuhlangenwe nakho | Ngenxa yokuthi ukholelwa ku-empiricism, wayefuna izimpendulo ocwaningweni lwakhe. |
| empower | verb | to give more control over someone's life or situation | Libraries empower pupils by giving them the freedom to make their own choices about reading and learning experiences. | nika amandla | verb | ukunika umuntu ukuthi akwazi ukulawula okuthile phezu kwempilo yomuntu noma kwesimo somuntu. | Imitapo yolwazi inika abafundi amandla ngokubanika inkululeko ukuthi bakwazi ukuzithathela izinqumo zabo ngokwabo maqondana nokufunda kanye nezinto abahlangabezana nazo lapho befunda. |
| empower | verb | to enable someone to gain greater control over his or her life or situation | Libraries empower pupils by giving them the freedom to make their own choices about reading and learning experiences. | nika amandla | verb | ukwenza othile abe namandla wokulawula impilo noma isimo sakhe | Imitapo yezincwadi inikeza abafundi amandla wokuthi bazenzele ezabo izinqumo mayelana nokufunda nokuba nokuhlangenwe nakho. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| empowered | adjective | with the authority or power to do something | Empowered students criticise first themselves before they look for the fault somewhere else. | nikwe amandla | adjective | ukuba negunya noma amandla okwenza okuthile | Abafundi abanikwe amandla bazigxeka bona kuqala ngaphambi kokuthi babheke amaphutha abanye abantu. |
| empowerment | noun | authority or power given to someone | The true educator believes in empowerment and teaches her students how to think critically. | ukunika amandla | noun | igunya noma amandla anikezwe omunye umuntu | Umfundisi wangempela ukholelwa ekunikeni abafundi bakhe amandla nokubafundisa ngendlela yokucabanga ngokuhluzeka. |
| enable | verb | to provide the means to perform a task | Free internet access will enable more people to work from home. | yenza | verb | ukuhlinzeka ngezindlela zokukwazi ukwenza umsebenzi othile. | Ukutholakala kwe-inthanethi mahhala kuyokwenza ukuthi abantu abaningi bakwazi ukusebenzela emakhaya. |
| encircle | verb | to form a circle around something or someone | A child who is encircled by caring parents and family members should develop into a balanced adult. | zungeza | verb | ukuzungeza okuthile noma othile | Ingane ezungezwe abazali namalungu omndeni abayithandayo kufanele ibe ikhule ibe umuntu omdala ovuthiwe. |
| encompass | verb | to include a range or a large number of things | Estuaries encompass broad ecosystems that usually extend many miles beyond the open waters of a bay or lagoon. | faka phakathi | verb | ukwengeza yonke into kwinani lezinto eziningi | Izifundo zomlando zakuleli zifaka phakathi umlando wabelungu kanye nowabantu abamnyama kuleli. |
| encounter | verb | to come across; find unexpectedly | They encountered many problems during the pilot phase of the project. | bhekana | verb | ukudibana; ukuthola ngokungalindelekile. | Babhekana nezinkinga eziningi ngenkathi besazama ukubona ukuthi lolu hlelo lwaluzoma kanjani. |
| encounter | noun | an unexpected convergence | There was a violent encounter between the protesters and the government officials. | ukuhlangana | noun | ukudibana okungalindelekile. | Kwaba khona ukuhlangana okunodlame phakathi kwababhikishi kanye nezikhulu zikahulumeni. |
| encounter | verb | to come across or find unexpectedly | They encountered many problems during the pilot phase of the project. | bhekana | verb | ukubhekana noma ukuthola okuthile ngokungalindelekile | Babhekana nezinkinga eziningi phakathi nesigaba sabo sokuqala sephrojekthi. |
| enduring | adjective | lasting over a period of time | Cartoons have a universal and enduring appeal. | bekezela | adjective | okuqhubeka isikhathi eside | Opopayi banokubukeka kwendawo yonke futhi okuqhubeka isikhathi eside. |
| energy | noun | the effort and attention which someone uses to do something or achieve something | He applied all his energy to winning a gold medal in the marathon. | amandla | noun | umzamo kanye nokuzinikela umuntu akusebenzisayo ukwenza okuthile noma ukuphumelela kokuthile; sebenzisa. | Wasebenzisa wonke amandla akhe anawo ukuwina indondo yegolide emjahweni. |
| enforce | verb | to compel to behave in a certain way | Medical law is a tool for enforcing medical ethics. | phoqa | verb | ukwenza ngenkani ukuthi into ethile yenzeke ngendlela ethile. | Umthetho ogxile kwezokwelashwa yithuluzi lokuphoqa ukuthi kuhlonishwe izinkambo zokwelashwa. |
| enhance | verb | to make better or more attractive | The proposed research should enhance our understanding of Alzheimer’s disease. | yenza kube lula | verb | ukwenza into ukuthi ibengcono noma ihehe kakhulu. | Lolu cwaningo oluhlongozwayo luzokwenza ukuthi kube lula kithi ukuqonda kabanzi ngesifo sedumbe. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| enlighten | verb | to explain something to someone so that they have a greater knowledge or understanding of it | I don't know much about the testing process: Could you enlighten me? | cacisa | verb | ukuchaza into ethile uchazela umuntu ukuze lowo muntu abe nolwazi noma nokuyiqonda yonke into eyenzekayo. | Angazi lutho kangako mina ngohlelo lokuhlola, ungakwazi mhlawumbe ukungicacisela ngalo? |
| enlightened | adjective | having a rational, modern, well-informed outlook | Enlightened thinkers such as the brilliant physicist Isaac Newton and the mathematician Rene Descartes are also considered enlightened scientists. | kukhanyisiwe | adjective | ukuba nombono oqondile, ofanele nonolwazi | Abacabangi abakhanyiselwe njengososayensi ohlakaniphile u-Isaac Newton nosolwazi wezibalo uRene Descartes nabo babhekwa njengososayensi abakhanyiselwe. |
| Enlightenment | noun | intellectual European tendency of the late 18th century in response to the excessive influence of tradition and religion on human thought and freedom – a continuation of liberation that began with the Renaissance | During the Enlightenment people began to free themselves from the power of the Church and the State. | Ukukhanyiselwa | noun | umkhuba waseYurophu ohlakaniphile wekhulu leminyaka yesishiyagalombili olumayelana nethonya elikhulu lesiko nenkolo wombono wabantu nenkululeko – ukukhululwa okuqhubekayo okwaqala Ngenkathi yenguquko | Phakathi nenkathi Yokukhanyiselwa abantu baqala ukuzikhulula emandleni weSonto noHulumeni. |
| enrich | verb | to improve the quality of something, usually by adding something to it | Reading can enrich your understanding and appreciation of a language. | cebisa | verb | ukwenza into ibe ngcono ngokwezingabunjalo layo, imvamisa ngokuthi kube khona okwengezayo kuyo. | Ukufunda kungakwazi ukucebisa ukuqonda kwakho kanye nokuthanda kwakho ulimi. |
| ensure | verb | to make certain | Three data sources were used to ensure the validity of the research. | qiniseka | verb | ukwenza kube nesiqiniseko. | Kwasetshenziswa imithombo emithathu yedatha ukuqinisekisa ukuthi ucwaningo luyakholakala. |
| entity | noun | a thing which is perceived to have its own distinct existence | The state and the legal system are separate entities. | into | noun | into ethathwa ngokuthi inokuziphilela kwakho yodwa. | Uhulumeni kanye nezinkantolo yizinto ezehlukene lezo. |
| enumerate | verb | to name or mention a list of things one by one | The question required students to enumerate the causes of black-spot disease on citrus fruit. | bala | verb | ukusho uhla lwezinto noma ukuqamba izinto ezithile ngazinye ngazinye. | Umbuzo wawudinga abafundi ukuthi babale izimbangela zesifo samatele. |
| enumerative | adjective | listing everything that is contained in a whole | The concluding chapter of her dissertation is enumerative in nature. | ukubala | adjective | ukuveza konke okuqukethwe njengokuphelele | Isihloko esiphethayo sesiqu sakhe sinohlobo lokubala. |
| environment | noun | surrounding conditions, circumstances, situations, people or events which affect something | The business case study required a thorough analysis of the business environment. | umkhakha | noun | izimo ezizungezile, abantu abazungezile noma izigameko ezizungezile, njll. nezinomthelela empilweni yakho. | Ucwaningo ngezamabhizinisi lwaludinga ukuthi kube nokuhlaziywa okuphelele ngomkhakha wamabhizinisi. |
| environment | noun | surrounding conditions, circumstances, situations, people or events which affect the life of someone or something | The social environment plays an important role in the development of a child. | indawo | noun | izimo, izimiselo, abantu noma izenzakalo ezizungezile ezithinta ukuphila komunye umuntu noma kokuthile | Indawo yomphakathi idlala indima ebalulekile ekukhuleni kwengane. |
| episode | noun | an event, incident or short period of time during which something specific, important or unusual happens | In the last episode of the soapie the main character dies. | isiqephu | noun | isigameko, isehlo noma isikhathi esifushane lapho khona into ethile eqondile, ebalulekile noma engejwayelekile yenzeka khona. | Kwisiqephu sokugcina umlingiswa oqavile uyashona. |
| epoch | noun | a period in history – a number of years that can be regarded as a unit | The 21st century is an epoch of growing uncertainty. | inkathi | noun | inkathi yomlando – iminyaka engase ibhekwe njengeqoqo | Ikhulu leminyaka yama-21 liyinkathi yokukhula kokungabaza. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| equate | verb | to consider or describe two or more things as the same, similar or closely connected | In his conference paper he equated discrimination with violence. | linganisa | verb | ukubheka noma ukuchaza izinto ezimbili noma ezingaphezulu ngesikhathi esisodwa, ezilinganayo noma ezisondelene kakhulu. | Kwiphepha lakhe alifunda kwingqungquthela ukucwaswa wakulinganisa nodlame. |
| equilibrium | noun | a controlled balance between opposing forces, influences, aspects of a situation, etc. | His excellent physical and moral equilibrium gave him an evenness of temper . | i-ikhwilibhriyamu | noun | Ibhalansi ekhontrolekayo yezinto ezithile eziphikisanayo, ezesimo esithile, njll. | Ukwakheka komzimba wakhe kanye ke-ikhwilibhriyamu yomqondo wakhe kwamnika ukukwazi ukuzibamba ngisho esecasukile. |
| equilibrium | noun | a controlled balance between opposing forces, influences or aspects of a situation | Exploitation of the Antarctic continent could have devastating repercussions as the stability of the continent is essential to the climatic and ecological equilibrium of the Southern Hemisphere. | ukulingana | noun | ukulingana okulawuliwe phakathi kwamandla aphikisanayo, amathonya noma izingxenye zesimo | Ukuxhashazwa kwezakazwe lase-Antarctic ngabe kwaba nemiphumela elimazayo kakhulu ngoba ukuzinza kwezakazwe kubalulekile ekulinganeni kwesimo sezulu nokwemvelo Kwenkabazwe yaseNingizimu. |
| equip | verb | to provide somebody with the necessary items to perform a certain function | The programme equipped him with the knowledge and skills to find employment soon after graduation. | hlinzeka | verb | ukunikeza umuntu ngezinto ezithile azidingayo ukuze akwazi ukwenza umsebenzi othile. | Lolu hlelo lwamhlinzeka ngolwazi kanye namakhono okuthi akwazi ukuthola umsebenzi ngokushesha okukhulu ngemuva kokuthweswa imiyezane yakhe. |
| equip | verb | to provide somebody with the necessary items or skills to perform a certain function | Successful students ensure that they equip themselves with the necessary study skills. | hlomisa | verb | ukunikeza othile ngezinto noma amakhono akawadingayo ukwenza umsebenzi othile | Abafundi abaphumelelayo baqinisekisa ngokuthi bazihlomisa ngamakhono wokutadisha adingekayo. |
| equipment | noun | the necessary items or skills to perform a certain function | Strategic reading and thinking techniques can be seen in the metaphorical sense as the thoughtful student's study "equipment". | isisetshenziswa | noun | izinto noma amakhono adingekile wokwenza umsebenzi othile | Ukufunda ngobuhlakani namasu wokucabanga kungase kubonakale ngokomqondo womfanekiso 'njengesisetshenziswa' sokutadisha somfundi ocabangelayo. |
| equipped | adjective | having the items or skills to perform a certain function | Countries such as America, Britain and China are equipped with the most modern weapons. | hlomisiwe | adjective | ukuba nezinto noma amakhono wokwenza umsebenzi othile | Amazwe afana ne-Amelika, iBrithani neShayina ahlomiselwe ngezikhali zesimanje. |
| equivalent | adj | something or someone that has the same value, function, meaning, etc. as something or someone else. | Although they had different responsibilities on the project, they received equivalent pay and recognition. | okulinganayo | adj | yinto noma umuntu onamandla afanayo, imisebenzi efanayo, umqondo ofanayo, njll. njengenye into ethile noma njengomuntu othile. | Yize babenikwe ukuthi benze imisebenzi engefani kwiprojekthi, kodwa bathola iholo elilinganayo kanye nokuhloniswa okulinganayo ekugcineni. |
| equivalent | adjective | with the same value, function or meaning as something or someone else | Although they had different responsibilities on the project, they received equivalent pay and recognition. | linganayo | adjective | okunenani, umsebenzi noma incazelo efanayo njengento noma umuntu othile | Nakuba babenezibopho ezingefani kuphrojekthi, bathola umholo nokwaziswa okufanayo. |
| era | noun | time period, usually in history | We live in an era of globalisation and super-diversity. | inkathi | noun | yisikhathi esithile, imvamisa esisuke sisemlandweni. | Siphila enkathini lapho izinto zenziwa umhlaba wonke nalapho kunokungenfani okukhulu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| erode | verb | become ground down or deteriorate | The series of misfortunes eroded his self-confidence. | qeda | verb | ukushabalalisa noma ukuqeda. | Uchungechunge lwamashwa namabhadi kwaqeda ukuzethemba kuyena. |
| erode | verb | break down or destroy | The series of misfortunes eroded his self-confidence. | | | | |
| err | verb | to make a mistake | He erred in gossiping about his colleagues to people who knew them personally and was caught out. | ukona | verb | ukwenza iphutha. | Yena wona ngokuthi ahlebe ngozakwabo kubantu ababebazi kahle wayesevele ebanjwa kanjalo-ke. |
| err | verb | to decide to demonstrate too much of a quality, usually a good one | She decided to err on the side of caution and did not give the hitchhiker a lift. | xwaya | verb | ukuthatha isinqumo sokubonisa izingabunjalo (ikhwalithi) eliningi kakhulu, isikhathi esiningi okusuke kuyinto enhle. | Wathatha isinqumo sokuthi axwaye angethembi lutho ngokuthi angamgibezi lowo owayemisa imoto ecela ukugitsheliswa emgwaqeni. |
| erratic | adjective, adverb | not following a fixed pattern and characterised by many changes | Her behaviour was erratic and the guard became suspicious so he followed her. | guqukuqukayo | adjective, adverb | okungalandeli iphethini ethile noma okunezinguquko eziningi | Ukuziphatha kwakhe kwakuguquka futhi unogada waba osolayo ngakho wagcina emlandela. |
| error | noun | something that was done wrong | It was clear that the plane crashed due to pilot error. | iphutha | noun | okuthile okwenziwe ngokungalungile | Kwakucacile ukuthi indiza yaphahlazeka ngenxa yephutha likamshayeli wendiza. |
| essay | noun | a short text on a particular subject | The literary critic writes an essay and the student a paper. | indatshana | noun | umbhalo omfushane wesihloko esithile | Umgxeki wombhalo ubhala indatshana bese umfundi ebhala iphepha. |
| essence | noun | intrinsic nature, mostly something abstract | The true researcher will try to penetrate into the essence of the problem. | ubuntu | noun | isici sobumvelo, ikakhulukazi okuthile okuqondakali | Umncwaningi wangempela uzozama ukungena ajule emsukweni wenkinga. |
| essence | noun | inherent nature of a person or thing | The most striking feature of wisdom is the ability to distinguish between the appearance and the essence of things. | ubuntu | noun | ubuntu obuwufuzo bomuntu noma okuthile | Isici esikhanga kakhulu sokuhlakanipha ikhono lokwazi ukuhlukanisa phakathi kokubukeka nomsuka wezinto. |
| essential | adjective | extremely important or necessary | The research was essential for ensuring the provincial administration improves its efficiency. | balulekile | adjective | okubalulekile noma okudingekayo kakhulu | Umncwaningi wayebalulekile ekuqinisekiseni ukuthi umbuso wesifundazwe uthuthukisa ukusebenza kwawo. |
| establish | verb | to create or begin something such as an organisation, fund or activity, which is expected to exist or last for a long time | She established an organisation to feed and clothe the homeless. | sungula | verb | ukudala noma ukuqala into ethile efana nenhlangano, nesiKhwama, nomsebenzi owenziwayo, njll. nokusuke kulindeleke ukuthi kuqhubeke nokuba khona isikhathi eside. | Wasungula inhlangano yokuphakela kanye nokugqokisa labo abangenamakhaya. |
| establish | verb | to find out the facts that prove something to be true. | A commission of enquiry was established to investigate the matter. | sungula | verb | ukuthola amaqiniso awubufakazi bokuthi into ethile iliqiniso. | Ikhomishani yophenyo yasungulwa ukuze iphenye lolu daba. |
| establish | verb | to create or begin something which is expected to exist or last for a long time | It is time for the department of education to establish cultural studies at institutions of learning. | qalisa | verb | ukwakha noma ukuqalisa okuthile okulindeleke ukuthi kube khona noma kuhlale isikhathi iside | Manje sekuyisikhathi sokuthi umnyango wezemfundo uqalise izifundo zesiko ezikhungweni zokufunda. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| establish | verb | to find out the facts about something | He is currently attempting to establish what happened. | ukuthola | verb | ukuthola amaqiniso ngento ethile | Okwamanje uzama ukuthola lokho okwenzakala. |
| establish | verb | to make something to last | The head of the faculty has established an attitude of accountability with its staff. | sungula | verb | ukwenza okuthile kuthathe isikhathi eside | Umphathi wesikhungo wasungula isimo sengqondo sokuziphendulela kwabasebenzi bakhe. |
| establishment | noun | the creation of something which is expected to exist or last for a long time | The students of the new residence are furious about the establishment of certain new regulations. | ukusungulwa | noun | ukudalwa kokuthile okulindeleke ukuthi kube khona noma kuthathe isikhathi eside | Abafundi bendawo yokuhlala entsha bathukuthele bayafa ngenxa yokusungulwa kwemithetho ethile emisha. |
| establishment | noun | the creation of something which is expected to exist or last for a long time | The establishment of a unique Institute for Disaster Studies is a step forward in the management of disasters worldwide. | ukwakhiwa | noun | ukudalwa kokuthile okulindeleke ukuthi kube khona noma kuthathe isikhathi eside | Ukwakhiwa kwe-Institute for Disaster Studies kuyisinyathelo sokuqala sokulawula izinhlekelele emhlabeni wonke. |
| estate | noun | extensive landed property retained by the owner | Her estate is worth R3 million. | ifa/impahla | noun | yindawo enkulu engudedangendlela engaphansi kwesandla somnikazi wayo. | Ifa noma impahla yakhe isiyonke ingabiza inani eliyizigidi ezintathu zamarandi. |
| estate | noun | all the property and money that someone owns when he or she dies | Her estate is worth R3 million. | ifa | noun | isakhiwo noma imali othile aba nayo lapho eshona | Ifa lakhe lifika kumamiliyoni angu-R3. |
| estimate | verb | to judge the approximate value or number or quantity of something. | A United Nations report estimated the world population at 9.6 billion by 2050. | hlawumbisela | verb | ukwahlulela inani noma inombolo ngokuyilinganisa noma ukwahlulela ubungako bento ethile. | Umbiko we-United Nations uye wahlawimbisela inani labantu emhlabeni wonke ukuthi liyoba yizigidigidi eziyi-9.6 ngonyaka ka 2050. |
| estimate | verb | to judge the approximate value, number or quantity of something | Researchers estimate that two thirds of the 6 700 languages spoken world wide will have disappeared by the year 2100. | linganisela | verb | ukulinganisela okungase kube inani, ingqikithi noma ubuningi bokuthile | Abacwaningi balinganisela ukuthi izingxenye ezintathu kwezimbili zezilimi ezi-6 700 ezikhulunywa emhlabeni wonke zizobe sezingasekhona ngonyaka ka-2100. |
| estimate | noun | rough calculation | According to the latest estimate, South Africa will show a negative growth rate this year and in the coming years. | isilinganiso | noun | ukulinganisela | Kuya ngokulinganisela kwakamuva, iNingizimu Afrika izobonisa isilinganiso sokukhula esingesihle kulo nyaka ngisho naseminyakeni ezayo. |
| estimate | verb | to judge the approximate value, number or quantity of something | I estimate that the damage to my car will amount to about R15 000. | ukulinganisa | verb | ukulinganisela okungase kube inani, ingqikithi noma ubuningi bokuthile | Ngilinganisela ukuthi ukonakala kwemoto yami cishe kuzoba ngu-R15 000. |
| estimated | adjective | roughly calculated without sufficient facts or relevant information | The estimated 150 000 homeless residents were promised jobs and homes. | linganisele | adjective | kulinganiselwe ngaphandle kobufakazi noma ulwazi olufanelekile | Abantu abangenawo amakhaya cishe abangu-150 000 babethenjiswe imisebenzi nemizi. |
| estimated | adjective | roughly calculated without sufficient facts or relevant information | Customs officials found cigarettes with an estimated street value of R4,7 million | linganiselwe | adjective | kulinganiselwe ngaphandle kobufakazi noma ulwazi olufanelekile | Abaphathi bomnyango wezimpahla bathola ogwayi cishe abangenza imali engamamiliyoni angu-R4.7 uma bengathengiswa. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| estimation | noun | a rough calculation | By the end of the day it was clear that the initial estimation of 1 800 houses damaged was too low. | ukulinganisa | noun | ukulinganisela okuthile | Ekupheleni kosuku kwakucacile ukuthi isilinganiso sasekuqaleni sezindlu ezingu-1 800 ezonakalisiwe sasiphansi kakhulu. |
| ethic | noun | moral belief that influences the way you act | Her work ethic is so strong that she will work through the night rather than miss a deadline. | inkambo | noun | umbono noma inkolelo yokwehlukanisa okulungile nokungalungile neba nomthelela kwindlela owenza ngayo izinto. | Inkambo yokusebenza kwakho inamandla kangangokuthi lowo angasebenza ngisho nasebusuku kuze kuse emnyango imbala ukusenoma kungashaya isikhathi sokuhambisa umsebenzi engaqedile ukuwenza. |
| ethical | adj | connected with the beliefs about what is right and wrong | The bank restricts loans to companies that demonstrate ethical behaviour. | okwenkambo | adj | okuxhumene nezinkolelo mayalena nokuthi yikuphi okulungile futhi yikuphi okungalungile. | Ibhange linikeza izimalimboleko kulezo zinkampani kuphela ezibonisa inkambo yokuziphatha efanele. |
| ethical | adjective | relating to ethical principles | It is ethical to think about your own actions before criticising others. | izimiso zokuziphatha | adjective | okuhlobene nezimiso zokuziphatha | Kuyisimiso sokuziphatha ukucabanga ngezenzo zakho ngaphambi kokugxeka abanye. |
| ethical | adjective | related to beliefs about what is right and wrong | Private secretaries must be capable of being trusted with confidential information and must have complete integrity and high ethical standards. | ngokwezimiso zokuziphatha | adjective | okuhlobene nezinkolelo zalokho okulungile nokungalungile | Onobhala bomuntu siqu kufanele bathenjwe ngolwazi oluyimfihlo futhi kufanele babe nezimiso zokuziphatha nobuqotho okuphezulu kakhulu. |
| ethics | noun | principles of right and wrong for an individual or group | The organisation strongly adheres to a code of ethics. | izinkambo | noun | imigomo yokulungile nokungalungile kumuntu othile noma kwiqembu elithile. | Le nhlangano izinikele kakhulu ekuziphatheni ngendlela yezinkambo zokuziphatha. |
| ethics | noun | the science of norms, laws and values | Individual ethics is the ethics that studies the obligations of man towards himself. | izimilo | noun | isayensi yemikhuba, imithetho nezimiso | Izimilo zomuntu ngamunye izimilo ezihlola izibopho zomuntu ngamunye. |
| ethnic | adj | distinctive of the ways of living of a group of people | South Africa has a wide variety of ethnic groups. | ngokohlobo lobuzwe | adj | izindlela ezahlukene zokuphila kweqembu labantu. | INingizimu Afrika iyikhaya lezinhlobo zezizwe eziningi ezahlukene. |
| ethnic | adjective | relating to a particular group of people and their traditions and customs | South Africa has a wide variety of ethnic groups. | | | | |
| etymological | adjective | related to the original meaning and origin of words | Etymological information can help one to better understand and remember a word or phrase. | umsuka | adjective | okuhlobene nencazelo yangempela nomsuka wamagama | Ulwazi lomsuka lungakusiza ukuthi uqonde kangcono futhi ukhumbule igama noma umusho. |
| etymology | noun | the origin and basic meaning of words | The etymology of words can be found in good etymology dictionaries. | umsuka | noun | umsuka noma incazelo eyisisekelo yamagama | Umsuka wamagama ungase utholakale ezichazamazwini ezifanele zomsuka. |
| euphemism | noun | indication or definition of something offensive or unpleasant by a name or expression that sounds less unpleasant | It is an euphemism to say that someone has passed away, instead of saying he is dead. | inkulumo ehloniphisayo | noun | isiboniso noma incazelo yokuthile okwethukayo noma okuyigama noma isisho esiyinhlamba ekwenza kuzwakale kahle | Kuyinkulumo ehloniphisayo ukuthi othile ushonile, esikhundleni sokuthi ufile. |
| euphemistic | adjective | making use of an euphemism | There are many euphemistic sayings. | kunenkulumo ehloniphisayo | adjective | ukusebenzisa inkulumo ehloniphisayo | Kunezinkulumo eziningo ezihloniphisayo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| evaluate | verb | to judge the value of a concept, entity, process, etc. on the basis of facts and/or criteria | They evaluated various software packages with regard to utility, economy and functionality. | buyekeza | verb | ukwahlulela ubungako bomqondo, bento, bohlelo, njll. ngokusebenzisa amaqiniso kanye/noma izimo zokunquma. | Babuyekeza izinto zokusebenza kwamakhompyutha eziningi maqondana nokusebenziseka kwazo, ukonga kwazo kanye nokusebenziseka kwazo. |
| evaluate | verb | to judge the value of something on the basis of criteria and facts | The lecturer evaluates her students' progress using a number of assessment methods. | hlola | verb | ukuhlola inani lokuthile ngokwesisekelo semfuneko noma amaqiniso | Umfundisi uhlola inqubekelaphambili yabafundi bakhe esebenzisa izindlela zokuhlola. |
| evaluated | adjective | relating to something of which the value has been judged on the basis of facts or other criteria | Thanks to the lecturer's excellent test feedback, the evaluated students were even better prepared for the final exam. | hloliwe | adjective | okuhlobene nokuthile okuhlolwe inani lakho ngokwesisekelo samaqiniso noma ezinye izimfuneko | Sibonga umbiko wokuhlola omuhle womfundisi, ngoba abafundi abahloliwe babesilungele nakakhulu isivivinyo sabo. |
| evaluation | noun | the process of determining quality, ability or significance | The student evaluations must be completed by the end of the semester. | ukuhlola | noun | uhlelo lokuthola izingabunjalo, amandla okukwazi ukwenza okuthi noma ubumqoka. | Ukuhlolwa kwabafundi kufanale ukuthi kuphothulwe ekupheleni kwesimesta. |
| evaluation | noun | process of determining quality, ability or significance | The evaluation of a manuscript is done by literary experts on behalf of the publisher. | ukuhlolwa | noun | inqubo yokuthola ikhwalithi, ikhono noma ukubaluleka | Ukuhlolwa kwemibhalo yesandla kwenziwa izingcweti zemibhalo esikhundleni somshicileli. |
| implementable | adjective | which can be put to practice | The project that is planned by the engineering student is hardly implementable and he will have to redesign it. | kungasebenziseka | adjective | lokho okungenziwa kusebenze | Iphrojekthi ehlelwe umfundi wobunjinyela ayikwazi ukusebenziseka futhi kuzodingeka ukuthi aklame enye. |
| implementation | noun | the application of something in a way that is in line with its purpose or design | The lecturer is supported by an assistant in the implementation of his duties. | ukusebenzisa | noun | ukusebenzisa okuthile ngendlela evumelana nenjongo noma umklamo wayo | Umfundisi usekelwa ngumsizi ukufeza izibopho zakhe. |
| implicate | verb | to suggest that something is the cause of something bad; to suggest that somebody is involved in something bad, such as a crime | Police claims implicated him in the robbery. | ninda | verb | ukusho ukuthi into ethile iyimbangela yento ethile ebhedayo, ukusho ukuthi umuntu othile ongene entweni ebhedayo, efana nobugebengu kanje. | Izitatimende zamaphoyisa ziyamninda kodwa naye kuleli cala lokubanjwa kwenkunzi. |
| implicate | verb | to show or suggest that somebody is involved in something bad, such as a crime | Police claims implicated him in the robbery. | sola | verb | ukubonisa noma ukusikisela ukuthi othile uhlanganyele kokuthile okubi, njengobugebengu | Okwashiwo amaphoyisa kwamenza wasolwa ukuthi utshontshile. |
| implication | noun | meaning or thought not directly expressed in words | Bill resented the implication that he had stolen the money simply because he was carrying a lot of cash in his pockets. | ukusikisela | noun | incazelo noma umqondo ongawusho ngokuqondile ngamagama | UBill wazonda ukusikiselwa kokuthi wayentshontshe imali ngenxa nje yokuthi wayephethe imali eningi emakhukhwini wakhe. |
| implicit | adj | said or written in a way which is not directly expressed | Hegel made explicit the concrete universal that was implicit in Kant. | okugigiyelayo | adj | okushiwo noma okubhalwa ngendlela engaphumeli obala. | UHegel wagigiyela ngamazwi akhe ebhekise ezigebengwini ezazigqekeza imizi kuleya ndawo. |
| implicit | adjective | suggested or understood without being said directly | A consumer price rise is implicit in the removal of electricity subsidies. | sikisela | adjective | ukusikiselwa noma ukuqondwa ngaphandle kokuthi kushiwo ngokuqondile | Ukukhuphuka kwentengo yekhasimende kusikiselwe ukuze kususwe izimali zokuxhasa ugesi. |
| implicit | adjective, adverb | said indirectly | The implicit meaning of the image CHISEL POINT OF THE RIVER is that the water gradually calves away the river bank. | ngokungaqondile | adjective, adverb | kushiwo ngokungaqondile | Incazelo engaqondile yokuthi CHISEL POINT OF THE RIVER ukuthi amanzi alokhu eqhela kancane ngasodongeni lomfula. |
| imply | verb | to express or state indirectly | His silence seems to imply that he agrees with the decision. | isho | verb | ukusho into ngokungaqondile. | Ukuthula kwakhe kwakubukeka sengathi kusho ukuthi uyavumelana nesinqumo. |
| imply | verb | to suggest something as a logical result of something else | The omission of science or art does not necessarily imply that either science or art was unknown. | isho | verb | ukusho into njengomphumela wento ethile. | Ukungashiwo kwesayensi nobuciko akusho khona ukuthi isayensi nobuciko kwakungaziwa. |
| imply | verb | to suggest something as a logical result of something else | Socialising implies that most names and faces of people can be remembered. | sikisela | verb | ukusikisela okuthile njengomphumela onengqondo wokuthile | Ukukhuluma nabantu kusikisela ukuthi amagama nobuso babantu abaningi kungakhunjulwa. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| imply | verb | to suggest something without saying it directly | In an academic context, it is inappropriate to imply your intention, because your listener and reader want to know exactly what the purpose of your argument is. | sikisela | verb | ukusikisela okuthile ngaphandle kokukusho ngokuqondile | Embhalweni wezemfundo, akufanelekile ukuthi usikisele injongo yakho, ngoba umlaleli nomfundi wakho bafuna ukwazi ukuthi empeleni iyini injongo yengxoxo yakho. |
| import | noun | an item or items brought into a country from another country | The imports are transported from Durban to Johannesburg. | impahla yangaphandle | noun | into ethile noma izinto ezithile ezingena ezweni zisuka kwelinye izwe. | Izimpahla zangaphandle zifika zingene kuleli lizwe bese ziyathuthwa eThekwini zisiwe eGoli. |
| import | noun | the process of bringing goods into a country from another country | Import of drugs is illegal. | ukungeniswa kwezimpahla | noun | uhlelo lokuletha izimpahla ezweni zivela kwelinye izwe. | Ukungeniswa kwezimpahla ezifana nezidakamizwa kuleli akukho emthethweni. |
| import | verb | to bring goods, services or ideas into a country from another country | South Africa imports oil from America. | ukulanda | verb | ukuletha izimpahla, izinsizakalo noma imiqondo ukufake ezweni lakho kube kuvela kwelinye izwe. | INingizimu Afrika ilanda uwoyela eMelika. |
| importance | noun | the quality of being important | Einstein's theory of relativity was and still is of great importance to scientists trying to understand the cosmos. | ukubaluleka | noun | ukuba okubalulekile | Umbono ka-Einstein wokuhlobana wawubaluleke kakhulu futhi namanje usabalulekile kososayensi abazama ukuqonda indawo yonke. |
| impose | verb | to force to behave in a certain way | He tries to impose his opinions on the students. | phoqa | verb | ukwenza umuntu ukuthi aziphathe ngendlela ethile. | Uyazama ukuphoqa imibono yakhe kubafundi. |
| impress | verb | to make someone understand the importance of something | The lecturer impressed the consequences of plagiarism on the students. | tshelisisa | verb | ukwenza umuntu ukuthi aqonde ukubaluleka kwento ethile. | Uthisha wasenyunivesi watshelisisa abafundi ngemiphumela yokusebenzisa imisebenzi yabanye abantu bangasho ukuthi bayithathe kuphi. |
| impress | verb | emphasise something to make someone understand its importance | The lecturer impressed on the students the consequences of plagiarism. | kholisa | verb | ukugcizelela okuthile ukwenza othile aqonde ukubaluleka kwakho | Umfundisi wakholisa abafundi ngemiphumela yokukopisha umsebenzi womunye umuntu. |
| impressionable | adjective | easily influenced | Some adolescents experiment with drugs because they are easily impressionable. | ukucindezelwa | adjective | ukuthonywa kalula | Intsha eningi isebenzisa izidakamizwa ngoba bacindezelwa kalula ngabanye. |
| impulse | noun | instinctive drive or urge. | He repressed the impulse to tell the whole story. | ilukuluku | noun | umuzwa ongaphakathi. | Walicindezela ilukuluku ayenalo lokuthi avele ayikhulume yonke indaba njengoba injalo. |
| impulse | noun | instinctive drive or urge | He represses the impulse to tell the whole story. | umfutho | noun | ugqozi noma umfutho | Uvimbela ugqozi lokulandisa yonke indaba. |
| incentive | noun | something that encourages a person to do something | If no salary increases are effected there is little incentive to work harder. | isikhuthazo | noun | into ethile ekhuthaza umuntu ukuthi enze into ethile. | Uma amaholo engenyuswa, kuyacaca-ke ukuthi ayikho into engaba yisikhuthazo sokuthi sisebenze kanzima. |
| incentive | noun | something that encourages a person to do something | Without salary increases, there is little incentive to work harder. | umvuzo | noun | okukhuthaza umuntu ukuthi enze okuthile | Ngaphandle kokukhushulwa komholo, kunomvuzo omncane kakhulu wokuthi uzikhandle. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| incessant | adjective | not stopping | The incessant and intense noise from loud music can cause permanent hearing loss. | okubeleselayo | adj | okuqhubekayo, okungami. | Lo msindo obeleselayo nomningi kangaka ungagcina umuntu usumvale izindlebe thaqa. |
| incidence | noun | the number of times something – usually unpleasant – happens | There has been a high incidence of crime on campus. | isigameko | noun | inani lezikhathi into ethile evame ukwenzeka ngazo – imvamisa kube yinto engajabulisi neze. | Kube nezigameko eziningi zobugebengu ekhempasini. |
| inclination | noun | a natural tendency or disposition towards something | A person with a positive inclination will eventually be successful. | ukuthambekela | noun | umkhuba ongokwemvelo noma ukuthambekela kokuthile | Umuntu onokuthambekela okuhle, ekugcineni uyophumelela. |
| inclined | verb | to have a physical or mental tendency towards something | He is inclined to dismiss all counter arguments as fallacies. | fanele | verb | ukuba namandla ngokomzimba noma ngokomqondo okuthi ungenza okuthile. | Kufanele ukuba vele uzovele akuchithe konke lokho nje athi kungamampunge. |
| income | noun | financial gain over a given period of time | Last year his total income amounted to R170 000. | iholo | noun | izimali ezitholwe ngumuntu ngemuva kwesikhathi esithile. | Ngonyaka odlule iholo lakhe lifinyelele ku-R170 000. |
| incommensurability | noun | impossibility to compare two theories, opinions or views of life because there is no common framework or frame of reference that can serve as a basis for the comparison | Feyerabend believed that deciding between different scientific views was complicated by the incommensurability of scientific theories. | ukungabi nesilinganiso | noun | ukungakwazi ukuqhathanisa imicabango emibili, imibono noma izindlela zokubheka ukuphila ngoba alukho uhlaka olufanayo noma uhlaka olunenkombo olungaba isisekelo salokhu kuqhathaniswa | UFeyerabend wayekholelwa ukuthi ukunquma phakathi kwemibono yesayensi engafani kwakwenziwa kube indida ukungabi khona kwesilinganiso kwemibono yezesayensi. |
| incomparable | adjective | impossible to compare | Protestantism and Dadaism are incomparable, as there is no benchmark against which the comparison can take place. | akunakuqhathaniswa | adjective | akukwazi ukuqhathaniswa | UbuProthestani nobuDadaism akunakuqhathaniswa, ngoba awukho umkhawulo wokusiza ukwenza lokho kuqhathanisa. |
| incorporate | verb | to put together with or merge with something that already exists | As from last year all bonuses have been incorporated into employees' monthly salaries. | faka | verb | ukubeka ndawonye noma ukuhlanganisa noma ukudibanisa nento evele ikhona. | Kusukela ngonyaka odlule, wonke amabhonasi aye afakwa kumaholo azinyanga zonke abasebenzi. |
| incorporate | verb | to include something as part of a whole | Try to incorporate your own original view into your essay. | hlanganisa | verb | ukuhlanganisa okuthile njengxenye yokuphelele | Zama ukuhlanganisa umbono wakho wasekuqaleni endatshaneni yakho. |
| incorporation | noun | the process of incorporating something into something else | The incorporation of your own view has considerably raised the standard of your essay. | ukuhlanganisa | noun | inqubo yokuhlangnaisa okuthile kokuthile | Ukuhlanganiswa kombono wakho kuye kwaphakamisa kakhulu izinga lendatshana yakho. |
| increase | noun | growth in size or quantity | The increase in undisciplined public behaviour is disturbing. | ukukhula | noun | ukukhula ngosayizi noma ngobuningi | Ukukhula kokuziphatha kabi emphakathini okungajeziswa kuphazamisa kakhulu. |
| increase | verb | to grow in size or quantity | The number of under-prepared young people who want to enter the labour market increases steadily. | ukukhula | verb | ukukhula ngosayizi noma ngobuningi | Inani labasebasha abangakulungele ngokwanele abafuna ukungena emakethe yomsebenzi likhula kakhulu. |
| increasing | adjective | growing in size or quantity | I am shocked by the increasing violence on the campus. | ukwanda | adjective | ukwanda ngosayizi noma ngobuningi | Ngimangaliswa ukwanda kodlame ekhampasi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| incur | verb | to have to pay or repay costs as a result of your own action | the college incurred high costs to build and equip two new computer laboratories. | ngena esikweletini | verb | ukufanele ukuthi ukhokhe izindleko ngenxa yezenzo zakho. | Ikholeji yangena ezikweletini ezinkulu ngenkathi lakha amalabholethri amabili amakhompyutha futhi liwafakela nezinto zokusebenza. |
| index | verb | to make a list of names or topics in alphabetical order | The author has indexed his book to make information easier to find. | yenza inkomba | verb | ukwenza uhla lwamagama noma lwezihloko ezihlelwe ngokwama-alfabhethi. | Umbhali wabe esenza inkomba encwadini yakhe nokwakuzokwenza ukuthi kube lula ukuthola ulwazi. |
| index | noun | a list of names or topics in alphabetical order | I searched for the term in the alphabetical index at the back of the book. | inkomba | noun | uhla lwamagama noma lwezihloko okubekwe ngokuhleleka kwama-alfabhethi ngemuva kwencwadi. | Ngabe sengifuna itemu elithi 'injadu' kwinkomba ehlelwe ngokwama-alfabhethi ngemuva kwencwadi. |
| index | noun | alphabetical list of names or topics at the back of a book | Strategic readers can search through the index of a book for keywords to see if the book contains information about the topic they are researching. | inkomba | noun | uhlu lwamagama alandelanayo noma izihloko ngemuva kwencwadi | Abafundi abahlakaniphile bangacinga inkombo yencwandi ukuthola amagama ayinhloko ukubona ukuthi incwadi inalo yini ulwazi mayelana nesihloko abacwaninga ngaso. |
| index | verb | to include keywords, names and topics in an alphabetical list at the back of a book | The assistant helps the author to index the most important keywords for inclusion in a new City Planning textbook. | yenza inkomba | verb | ukwenza inkomba yamagama ayinhloko, amagama nezihloko ngohlu lokulandelana kwama-alfabhethi ngemuva kwencwadi | Umsizi usiza umbhali ukuthi enze inkomba yamagama ayinhloko abalulekile kakhulu ukuze afakwe encwadini ye-City Planning. |
| indexed | adjective | provided with an index | The student’s well-indexed dissertation impressed the supervisor. | kwenziwe inkomba | adjective | kunikezwe ngenkomba | Umbhalo owenziwe inkomba kahle yomfundi yamjabulisa umphathi. |
| indicate | verb | to focus attention on a place, direction, person or thing | The teacher indicated the location of the cathedral on the map. | bonisa | verb | ukugxilisa ukunaka kwakho kwindawo, kwinto ethile noma kumuntu othile. | Uthisha wasikhombisa indawo yesonto kwibalazwe. |
| indicate | verb | to state, name or suggest something indirectly | He indicated that he was happy with the decision. | veza | verb | ukusho into ngokungaqondile, ukubeka into ethile. | Waveza ukuthi yena wayethokozile ngesinqumo. |
| indicate | verb | to mention something | Students should indicate their sources in brackets in their academic essays. | bonisa | verb | ukusho okuthile | Abafundi kufanele basho imithombo yabo kobakaki ezindatshaneni zabo zemfundo. |
| indicated | adjective | what has been mentioned | The indicated sources help the lecturer to easily check the reference list. | bonisiwe | adjective | lokho okushiwo | Imithombo ebonisiwe isiza umfundisi ukuthi ahlole kalula uhlu lwenkombo. |
| indication | noun | that which has been mentioned | Indicating sources in brackets is essential in an academic essay. | isiboniso | noun | lokho okubonisiwe | Ukubonisa imithombo kubakaki kubalulekile endatshaneni yezemfundo. |
| indigenous | adj | which originated in a specific place or naturally occurs there | The baobab tree is indigenous to South Africa. | umnsinsi | adj | okusunguleke kuleyo ndawo ngokwemvelo. | Isihlahla somgqwabagqwaba siwumnsinsi walapha eNingizimu Afrika. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| individual | adj | regarded separately rather than as part of a group | Individual interviews were conducted with the respondents to ensure that their peers' opinions did not influence their responses. | kuqondene nomuntu ngamunye | adj | okuthathwa njengokwehlukile kungesiyona ingxenye yeqembu elihlangene. | Kwaba nesikhathi sokubuza imibuzo kubantu ngabanye ukuqinisekisa ukuthi izimpendulo zabo azichemile futhi abazithathele kwimibono yontanga yabo. |
| individual | adj | unique characteristic of someone or something | The writer has an individual style of writing. | ngayedwana | adj | yisici esithile esehlukile somuntu othile noma sento ethile. | Lo mbhali unendlela yakhe yedwa nje yokubhala. |
| individual | noun | a single person | They called on individuals to donate money to child and women abuse. | umuntu ngamunye | noun | umuntu siqu sakhe. | Kwabe sekucelwa umuntu ngamunye ukuthi anikele ngemali ukuze kuliwe nesihlava sokuhlukunyezwa kwabantwana nabesifazane. |
| individual | noun | a single person | They called on individuals to donate blood. | umuntu | noun | umuntu oyedwa | Bacela abantu ukuthi banikele ngegazi. |
| individual | noun | integrated person | The person whose analitical and holistic thoughts, senses, feelings and intuitions form a whole is psychologically an individual. | umuntu | noun | umuntu ophelele | Umuntu onemicabango ehluzekile nephelele, izinzwa, imizwa nokuzizwela ngenhliziyo eyakha into ephelele ngumuntu onengqondo. |
| individual | noun | a partcular person | It is often difficult for people to maintain their interests as individuals against the interests of society. | umuntu | noun | umuntu othile | Ngokuvamile kunzima ukuthi abantu bagcine izithakazelo zaba njengabantu ngabanye ngokumelene nezithakazelo zomphakathi. |
| individual | adjective, adverb | of, which relates to, or is peculiar to a particular individual | A student with learning difficulties can get individual help. | ngakunye | adjective, adverb | okukhethekile komuntu ngamunye | Umfundi onenkinga yokufunda angase athole usizo olufanele yena |
| individualisme | noun | phenomenon of independence | In successful group work, there must be a healthy balance between group members' individualism and collaboration skills. | ukuzimela | noun | into yokuzimela | Emsebenzini weqembu ophumelelayo, kufanele kube khona ibhalansi efanale phakathi kokuzimela kwamalungu weqembu kanye namakhono wokuhlanganisa. |
| individualistic | adjective, adverb | marked by individuality | The pianist's individualistic performance surprised the audience, as no one had ever interpreted Chopin so individualistically before. | umuntu ngamunye | adjective, adverb | ukuba ngumuntu ngamunye | Umbukiso womdlali wopiyano eyedwa wamangalisa izethameli, ngoba akekho owake wadlala i-Chopin eyodwa ngale ndlela. |
| individuality | noun | whole of characteristics and qualities that are typical of a particular individual | Body piercings are a cosmetic trend done for fashion and to express one's individuality. | ubuntu | noun | izici noma izimfanelo eziphelele ngokuvamile zomuntu othile | Ukubhoboza umzimba kuyithrendi eyenzelwa imfashini futhi yokuveza ubuntu bothile. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| individuate | verb | to systematically integrate your thinking processes, senses, intuition and emotions, essentially an unconscious process | The phrase – the tallest man in England – will fail to individuate any person if the class of tallest men in England happens to have more than one member. | ukuhlukanisa | verb | ukuhlanganisa ngohlelo oluthile izinqubo zakho zokucabanga, izinzwa, imizwa, nemizwelo, okuyinqubo eyenzeka ungaqaphele. | Umusho othi – indoda ende kunabo bonke eNgilandi – ngeke iphumelele ekukhetheni umuntu oyedwa uma kwenzeka ukuthi ikilasi elinamadoda amade kakhulu eNgilandi liba nelungu elingaphezu kwelilodwa. |
| induce | verb | cause to act or happen | The drug was found to induce anxiety. | yenza | verb | heha noma yenza ukuthi into ethile yenzeke. | Leso sidakamizwa kwatholakala ukuthi senza ukuthi umuntu abe nexhala. |
| induction | | process of reasoning from the particular example to the general principle | An example of induction in logic is: Every time you eat peanuts you start to sneeze, therefore you must be allergic to peanuts. | ukubonisana | | inqubo yokubonisa kusuka esibonelweni esithile kuya esimisweni esivamile | Isibonelo sokubonisana ngokomqondo ngesilandelayo: Njalo lapho udla amakinati uyathimula, ngakho lokho kusho ukuthi umzimba wakho awuzwani namakinati. |
| inductive | adjective, adverb | arguing from the specific to the general | Our lecturer works inductively: He first gives examples within the context of his lecture from which we must then derive the general principles. | ngokubonisana | adjective, adverb | ukubonisana kusuka kokuthile kuya kokuvamile | Umfundisi wethu usebenza ngokubonisana: Unikeza kuqala izibonelo zomongo wesifundo sakhe bese kudingeka ukuthi sithole izimiso ezivamile kusuka kuzo. |
| inevitable | adj | which cannot be avoided or prevented | Ageing and death are inevitable in human beings. | okungavimbeki | adj | lokho okungeke kwagwemeka. | Ukuguga nokufa yizinto ezimbili umuntu angeke akwazi ukuzivimba kuye. |
| infer | verb | to conclude by reasoning | From these facts one can infer that the company is making a profit. | ukuqonda | verb | ukufinyelela esiphethweni ngokucabangela. | Uma ulandelela lawa maqiniso kulula ukuthi umuntu angaqonda ukuthi inkampani iyayenza inzuzo. |
| inferior | adj | lower in value, quality, position or importance | Some people think that government schools are inferior to private schools. | okuphansi ngezinga | adj | ukuba phansi ngokwenani, ngokwekhwalithi, ngokwesikhundla noma ngokokubaluleka. | Abanye abantu bacabanga ukuthi izikole zikahulumeni ziphansi ngokwezinga ukunezikole zangasese. |
| inflate | verb | to exaggerate the importance of something or make something appear more impressive than it really is | The press inflated security issues. | yenza ihaba | verb | ukwenza into ibukeke sengathi yinhle ekubeni kungenjalo; ukuba nehaba mayelana nokubaluleka kwento ethile. | Abemithombo yezindaba yibona kanye abenza izindaba zokuphepha zibe yihaba. |
| influence | verb | to have an effect upon | The student’s drug use negatively affects his performance. | umthelela | verb | ukuba namandla entweni ethile. | Wafunda kabanzi ngomthelela wezidakamizwa ekwenzeni kahle esikoleni. |
| influence | noun | the effect or influence that something has on something else | Psychologists are increasingly seeing the negative influence of drug abuse on students’ academic success. | ithonya | noun | ithonya okuthile okunalo kokuthile | Odokotela bengqondo balokhu bebona ukwanda kwethonya elibi ukusebenzisa kabi izidakamizwa okunakho empumelelweni yezemfundo yabafundi. |
| influence | noun | the effect that something has on something else | The negative influence of drugs on adolescents cannot be denied. | ithonya | noun | umthelela okuthile okunakho kokuthile | Ithonya elibi lezidakamizwa kwabasebasha alikwazi ukuphikiswa. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| influential | adjective | posessing influence or carrying weight | The wealthy capitalist is very influential, because everyone listens attentively to his influential proposals for alleviating poverty. | kunethonya | adjective | kunethonya noma kunomthelela | Isicebi sinethonya elikhulu kakhulu, ngoba wonke umuntu ulalelisa kahle imibono yakhe yokunciphisa ubumpofu. |
| inform | verb | to provide facts that have not been known to a person before | She informed the police about the robbery. | tshela | verb | ukunikezela ngamaqiniso abengaziwa yilowo muntu ngaphambi kwalokho. | Uyena owatshela amaphoyisa mayelana nokubanjwa kwenkunzi. |
| inform | verb | to have an important influence on something | The research showed how indigenous knowledge systems informed theory-building in the field. | yazisa | verb | ukuba namandla okukwazi ukwenza into ethile ukuthi ijike noma ijikeke. | Ucwaningo lwabonisa ukuthi izinhlelo zolwazi lwakuqala zabamba liphi iqhaza ukwazisa ukwakhiwa kwethiyori kulo mkhakha. |
| inform | verb | to provide facts that have not been known to a person before | It is good manners to inform your lecturer beforehand if you will not be able to attend his lecture. | ukwazisa | verb | ukwazisa ngamaqiniso othile akade engazi ngawo | Kuwumkhuba omuhle ukwazisa umfundisi wakho kusenesikhathi uma ungeke ube khona esifundweni sakhe. |
| information | noun | facts that have not been known to a person before | You need to incorporate factual information into your assignment to support your statements. | ulwazi | noun | amaqiniso othile akade engazi ngawo | Kufanele uhlanganise ulwazi oluyiqiniso esabelweni sakho ukuze usekele izitatimende zakho. |
| informed | adjective | based on possession of information | He will wait for the official results in order to make informed comments. | kwazisiwe | adjective | ngokususelwe ekubeni nolwazi | Uzolinda imiphumela esemthethweni ukuze enze amazwana anolwazi. |
| infrastructure | noun | the basic components of a system or organisation | More money is needed to save the crumbling infrastructure in South Africa. | ingqalasizinda | noun | izingxenye ezinqala zento ethile. | Kudingeka imali ukuze kongiwe ingqalasizinda kagesi ebukeka ifadabala lapha eNingizimu Afrika. |
| inherent | adj | existing as an essential constituent or characteristic | An inherent part of the characteristics of an intervention for developing academic research writing is the set of design principles. | okusemqoka kakhulu | adj | okukhona ngenxa yokuthi kuyingxenye esemqoka. | Ingxenye esemqoka kakhulu yezici zokungenelela ekuthuthukiseni ucwaningo emkhakheni wezifundiswa yisethi yemigomo yemiklamo. |
| inherent | adjective | existing as an essential constituent or characteristic | Everyone has inherent dignity and the right to have their dignity respected and protected. | isici | adjective | okukhona njengesici noma imfanelo ebalulekile | Wonke umuntu unesici sesithunzi kanye nelungelo lokuthi isithunzi sabo sihlonishwe futhi sivikelwe. |
| inhibit | verb | to prevent something from happening or cause it to happen more slowly | Rapid inflation inhibits economic growth. | nqinda | verb | ukuvimbela into ethile ukuthi yenzeke noma uyenze ukuthi yenzeke kancane. | Ukwenyuka kakhulu kwamanani ezimpahla nokudla kunqinda ukukhula komnotho. |
| initial | adj | occurring at the beginning | The initial stages of the disease are asymptomatic. | okokuqala | adj | okwenzeka ekuqaleni. | Izigaba zokuqala zesifo ziyizimpawu nje. |
| initial | adjective | occurring at the beginning | The initial intention was to provide only an indication of the infectiousness of the virus, but over time, the program expanded to raise awareness of measures to prevent infection. | okokuqala | adjective | okuvela ekuqaleni | Injongo yasekuqaleni yayikuhlinzeka kuphela ngenkomba yokutheleleka ngegciwane, kodwa ngokuhamba kwesikhathi, uhlelo lwakhula ukuze lunikeze ulwazi lwezindlela zokuvikela ukutheleleka. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| initiate | verb | to set in motion, start an event or prepare the way for | She proposes to initiate discussions on planning the event. | qala | verb | ukwenza into ethile ukuthi yenzeke, qala umcimbi noma lungiselela indlela yawo. | Uhlongoza ukuqala izingxoxo mayelana nokuhlela lo mcimbi . |
| initiate | verb | to set in motion, start an event or prepare the way for something | She proposes to initiate discussions on planning the event. | qalisa | verb | ukwenza kusebenze, ukuqalisa isenzakalo noma ukulungiselela indlela yokuthile | Usikisela ukuqalisa izingxoxo zokuhlela isenzakalo. |
| initiate | verb | to start | Extroverts initiate a conversation more easily than introverts who listen better. | qalisa | verb | ukuqalisa | Amaqhalaqhala aqalisa kalula ingxoxo kunalabo abayinkomo'idla yodwa abalalela kangcono. |
| initiate | verb | to start or set in motion | The university initiated investigations of fraud against the administration. | qalisa | verb | ukuqalisa noma ukwenza kusebenze | Inyuvesi yaqalisa uphenyo lokukhwabanisa ngokumelene nabaphathi. |
| initiated | adjective | having begun a process | Peter's skilfully initiated conversation led to fruitful discussions between people who had never wanted to talk before. | qalisiwe | adjective | ukuqalisa inqubo | UPeter waqalisa ngokunekhono ingxoxo eyaholela ezingxoxweni eziwusizo phakathi kwabantu ababengafuni ukukhuluma ngaphambilini. |
| initiation | noun | process to start something | I am amazed at Pieter's skillful initiation of conversation between people who had never wanted to talk to each other before. | ukuqalisa | noun | inqubo yokuqalisa okuthile | Ngimangazwa ukuqalisa ingxoxo okunekhono kukaPieter phakathi kwabantu ababengafuni ukukhuluma ngaphambilini. |
| initiation | noun | process of preparing the way or starting an event | The initiation of an investigation into allegations of fraud at the university has been welcomed. | ukuqalisa | noun | inqubo yokulungiselela indlela noma yokuqalisa isenzakalo | Ukuqaliswa kocwaningo lwezinsolo zokukhwabanisa enyuvesi kuye kwamukelwa. |
| initiative | noun | independent action | A person with initiative takes on new challenges with ease. | isinyathelo | noun | isenzo esizimele | Umuntu ozithathela isinyathelo wenza kalula izinto eziyinselele. |
| innate | adj | forming a natural part of something | All humans have an innate moral compass. | kwangaphakathi | adj | ukuba yingxenye yento ethile. | Bonke abantu banento nje engaphakathi kubo ekwazi ukubatshela ukuthi bakwazi ukwehlukanisa okulungile nokungalungile. |
| innovate | verb | to bring something new to an environment | The company's success lies in its ability to innovate. | qala into entsha | verb | ukuletha into entsha kwimvelo. | Impumelelo yale nkampani ilele ekukwazini kwayo ukuqhamuka nezinto ezintsha. |
| innovate | verb | introduce a new idea or new ideas | Those firms who successfully innovate will constantly stay one step ahead of the competition. | qamba okusha | verb | ukusungula umbono noma imibono emisha | Izimboni eziqamba izinto ezintsha ngokuphumelelayo zizohlala njalo zedlula labo ezincintisana nabo. |
| innovation | noun | a newly introduced idea | The technological innovations of our time make life easier. | yinto entsha eqaliwe | noun | umqondo omusha osanda kwethulwa. | Ubuchwepheshe obusha bezikhathi zethu benza ukuthi sikwazi ukwenza impilo ibe lula. |
| innovation | noun | a newly introduced idea | The innovation in thinking about literary works of art has, to a large extent, been brought about by ecocriticism. | ukuqamba okusha | noun | umbono osanda kwethulwa | Ukucabanga kokuqamba okusha okumayelana nezinto ezibhaliwe, ngokwezinga elikhulu, kuye kwalethwa ucwaningo lwezincwadi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| innovative | adjective | original or advanced | Ecocriticism has contributed to a new, innovative focus on literary works of art. | okusha | adjective | okungokoqobo noma okuthuthukile | Ucwaningo lwezincwadi luye lwanikela ekugxileni okusha emisebenzini yobuciko obubhaliwe. |
| insert | verb | to put into or introduce into something | The student need to insert references in her essay. | faka | verb | ukwethula into ethile. | Umfundi kudingeka ukuthi afake izincwadi ezisetshenzisiwe kwi-eseyi yakhe. |
| insight | noun | clear or deep perception of a situation | The approach yielded valuable insights into the problem. | umbono | noun | umqondo ocacile noma ojulile mayelana nento ethile. | Leyo ndlela yakwazi ukuvela nemibono ephusile kwinkinga eyayikhona. |
| insight | noun | clear or deep perception of a situation | Substantial subject knowledge is crucial for PhD studies, but the decisive factor is that doctoral students have insight into their field of research. | ukuqonda | noun | umbono ocacile noma ojulile wesimo | Ukuqonda ngokuthile kubalulekile ezifundweni ze-PhD, kodwa isici esinqumayo ngukuthi abafundi bezobudokotela babe nolwazi ngomkhakha abawucwaningayo. |
| insight | noun | the capacity to gain understanding of somebody or something | She has astonishing insight for such a young child. | ukuqonda | noun | ikhono lokuba nokuqonda ngothile noma okuthile | Unokuqonda okumangazayo kakhulu nakuba eyingane. |
| insightful | adjective, adverb | demonstrating deep perception of a situation | It was an insightful experience. | ukuba nokuqonda | adjective, adverb | ukubonisa umbono ojulile ngesimo esithile | Kwakungokuhlangenwe nakho okunokuqonda. |
| inspect | verb | to look over or look into carefully | They require that the structure is inspected after construction by the design engineer as a final check point. | hlola | verb | ukubheka into ethile ngokucophelela kanye nangokuqaphela. | Badinga ukuthi uhlaka luhlolwe ngemuva kokwakhiwa kwalo ngunjiniyela wokwakha njengesinyathelo sokugcina. |
| instance | noun | a particular example or case | In a number of instances the quality of the recording was too poor for transcription. | isimo | noun | isibonelo esithile. | Ezimweni eziningi izinga lokuqoshwa lalilibi kakhulu ukuthi sasingakwazi ukulalela sikubhale phansi lokho. |
| instinct | noun | a natural tendency or ability to behave or react in a certain way | Animals' instinct is to run away when faced with danger. | umuzwa | noun | isenzo esizenzakalela sona noma amandla okuziphatha ngendlela ethile. | Imizwa yezilwane othi kufanele zihlale zigijima ngaso sonke isikhathi uma zibhekene nenkinga. |
| institute | verb | to start a new process, or put in place a new policy or system | The university has instituted new policies to increase students' safety on campus. | qalisa | verb | ukuqala uhlelo olusha, noma ukubeka inqubomgomo entsha. | Inyunivesi isiqalise izinqubomgomo ezintsha ukwandisa ukuphepha kwabafundi ekhempasini. |
| institute | noun | a society or organisation for a special purpose | My sister works for the African Art Institute. | isikhungo | noun | umphakathi noma inhlangano eyakhelwe inhloso ethile. | Udadewethu usebenzela isikhungo i-African Art Institute. |
| instruct | verb | to impart skills or knowledge | He instructed me in driving a car. | yala | verb | ukwedlulisa amakhono noma ulwazi. | Wangiyala ukuba ngishayele imoto. |
| instruct | verb | to inform formally | Participants were instructed to circle the correct answer in each case. | nika umyalelo | verb | ukutshela ngokusemthethweni. | Ababambiqhaza banikwa umyalelo wokuthi bakokelezele impendulo eshaya khona kumbuzo ngamunye. |
| instruction | noun | detailed information about how to do something | The instructions in the user manual of the sound system were completely incomprehensible. | umyalelo | noun | ulwazi olunemininingwane eminingi mayelana nokuthi yenziwa kanjani into ethile. | Imiyalelo kwibhukwana lokusebenza komsakazo omkhulu yayingezwakali ngisho nokuthi ifuna ukuthini. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| instruction | noun | the act of teaching someone something | It has been demonstrated that learners benefit from some formal instruction. | isiqondiso | noun | isenzo sokufundisa umuntu into ethile. | Kuye kwaboniswa ukuthi abafundi bayazuza kwisiqondiso esisemthethweni. |
| integral | adj | existing as an essential part or characteristic | In 1029 this marchland was finally incorporated with Bohemia, and so became an integral part of the German empire | ingxenye | adj | ukuba khona kwento njengesici noma ingxenye ebalulekile. | Ngonyaka ka 1029 leli lizwe lagcina seliwele ezandleni zeBohemia, lase liqala liba yingxenye ebalulekile yamazwe angaphansi kweJalimane. |
| integral | adjective | a complete or independent part of something | Each of the five chapters forms an integral part of the book and cannot be read separately from the other. | okuhlangene | adjective | ingxenye ephelele noma ezimele yento ethile | Izingxenye ngazinye ezinhlanu zakha ingxenye ehlangene yencwadi futhi azikwazi ukufundwa ngokwehlukile. |
| integral | adjective | existing as an essential part or characteristic of something | In 1029 this marchland was finally incorporated with Bohemia, and so became an integral part of the German empire. | okuhlangene | adjective | okukhona njengengxenye ebalulekile noma izici zokuthile | Ekugcineni ngo-1029 lesi sifunda sahlanganiswa neBohemia, ukuze sibe ingxenye ehlanganisiwe yombuso waseJalimane. |
| integrate | verb | to make into a whole or make part of a whole | Community engagement at the University is completely integrated with research on the one hand, and teaching and learning on the other. | hlanganisa | verb | ukwenza kube yinto ehlangene noma ukwenza kube yimbumba. | Ukuxoxisana nomphakathi eNyunivesi kuwuhlelo oluhlanganisa ngokuphelele ucwaningo ngakolunye uhlangothi kanye nokufunda nokufundisa ngakolunye. |
| integrate | verb | make into a whole | Integrating the views of different writers into one coherent text is a major academic challenge. | hlanganisa | verb | ukwenza kube into ephelele | Ukuhlanganisa imibono yababhali abahlukahlukene ibe umbono owodwa ohambisanayo kuyinselele enkulu kakhulu yezemfundo. |
| integrated | adjective | coordinated or linked | A lecturer who reads a student's assignment must ascertain whether the views of different writers really form an integrated whole within the student's thematic line of thought. | hlanganisiwe | adjective | hleliwe noma xhunyanisiwe | Umfundisi ofunda isabelo somfundi kufanele aqinisekise ukuthi imibono yababhali abahlukile ihlanganisiwe yini yaba umqondo wesihloko womfundi. |
| integration | noun | process by which parts are put together into a whole | The integration of different writers' views into one coherent text in which everything forms a new whole is a major challenge for first-year students. | ukuhlanganiswa | noun | inqubo yokuhlanganisa izinto zibe into ephelele | Ukuhlanganiswa kwemibono yababhali abahlukahlukene ibe umbhalo ohambisanayo lapho yonke into yakha into entsha ephelele kuyinselele kakhulu kubafundi bonyaka wokuqala. |
| integrity | noun | the quality of being honest and possessing strong moral principles | What we need is a leader with high moral and professional integrity. | ubuqotho | noun | isimo sokwethembeka kanye nokuba namava aqinile okwehlukanisa okubi nokuhle. | Thina esikudingayo lapha umholi okwaziyo ukwehlukanisa okubi nokuhle futhi onobuqotho ngomsebenzi wakhe. |
| integrity | noun | the state of being whole and not divided | Without the dramatic music, the play loses its integrity. | ubumqoka | noun | isimo sokupheleliswa futhi kungehlukaniswa. | Uma kungathiwa kukhishwa lo mculo omnandi kangaka kulo mdlalo, lo mdlalo usungalahlekelwa ubumqoka bawo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| intellect | noun | the power and capacity of the mind to reason and think logically | The intellect is not the most important aspect of a person’s personality. | ubuhlakani | noun | amandla noma ukukwazi komqondo ukubeka izizathu noma ukucabanga ngokuqondile. | Ubuhlakani akusiyona into eyakha kakhulu umuntu ngokwakhe. |
| intellect | noun | entirety of man’s mental and spiritual abilities | I am amazed at my uncle’s intellect. | ukuhlakanipha | noun | amakhono wengqondo nangokomoya womuntu | Ukuhlakanipha kukamalume wami kungimangaza kakhulu. |
| intellectual | adjective | relating to a highly developed intellect | My uncle is very intellectual and can have intellectual conversations on various topics. | ukuhlakanipha | adjective | okuhlobene nokuhlakanipha kakhulu | Umalume wami uhlakaniphe kakhulu futhi angakwazi ukuba nezingxoxo ezihlakaniphile ngezihloko ezahlukahlukene. |
| intellectualise | verb | to make something intellectual | It’s amazing how some teachers can intellectualise a child’s bad behaviour without thinking for a moment about its psychological causes. | ukwenza kuhlakaniphe | verb | ukwenza into ethile ihlakaniphe | Kuyamangaza ngempela indlela abanye othisha abakwazi ngayo ukwenza ukuziphatha okubi kwengane kube okuhlakaniphile ngaphandle kokucabangisisa nje ngembangela yakho engokwengqondo. |
| intellectualism | noun | view that overestimates the function of the intellect by elevating it above all other human capacities as the only criterion for understanding reality | Intellectualism denies the value of integration between intellect, emotion, sensuality and intuition for a more integrated perception of reality. | ukuphishekela ukuhlakanipha | noun | umbono olinganisela ngokwedlulele ukusebenza kokuhlakaniha ngokukwenza kube ikhono lomuntu eliwadlula wonke njengokuyiyo kuphela imfuneko yokuqonda ukuphila kwangempela | Ukuphikekela ukuhlakanipha kuphikisa ukuhlangana phakathi kokuhlakanipha, imizwelo, inkanuko nomuzwa njengombono ohlanganisiwe wokuphila kwangempela. |
| intellectualistic | adjective, adverb | relating to intellectualism | Some teachers’ intellectualistic handling of problem children attests to a lack of insight into the human psyche. | okokuhlakanipha | adjective, adverb | okuhlobene nokuhlakanipha | Okunye ukuhlakanipha kothisha kokusingatha izingane eziyinkinga kufakazela ukungabi nolwazi ngokwakheka komuntu. |
| intelligent | adj | having a good ability to think and understand | She is intelligent, and always has the entire picture in perspective. | okuhlakaniphileyo | adj | ukukwazi ukuba namandla akahle okucabanga kanye nokuqonda. | Lowo uhlakaniphile, futhi uhlala ngaso sonke isikhathi enesithombe esibanzi emqondweni wakhe. |
| intelligible | adjective | which can be understood | Viewers look forward to intelligible programmes aimed at the whole family. | kuyaqondakala | adjective | okuqondakalayo | Ababukeli babheka phambili ezinhlelweni eziqondakalayo ezihloselwe wonke umndeni. |
| intend | verb | to have a plan or purpose in mind. | I intend to finish my research proposal by the end of the month. | hlosa | verb | ukuba nohlelo noma nenhloso emqondweni. | Ngihlose ukuqeda ngesiqalo socwaningo lwami ekupheleni kwayo lenyanga. |
| intended | adjective | meant or planned | The lecturer’s advice to answer the easy questions first was really well intended. | hlosiwe | adjective | kuyinhloso noma kuhleliwe | Iseluleko somfundisi sokuphendula kuqala imibuzo yendatshana sasihloswe kahle. |
| intense | adj | extremely sharp or focused | The victims of the bombing experienced intense emotions, such as fear, anger and despair. | okuqinile | adj | okuhlaba ngokwedlulele noma okubheke phambili. | Izisulu zokushiswa ngebhomu zaba nemizwa eqinile, efana nowokwesaba, owokucasuka kanye nowokuphelelwa yithemba. |
| intention | noun | what you plan to do; your aim | He announced his intention to apply for the position of head of department. | injongo | noun | lokho ohlela ukukwenza; inhloso yakho. | Wamemezela injongo yakhe yokufaka isicelo sokuba yinhloko yomnyango. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| interact | verb | to do something together or with others | Psychologists study the way in which humans interact with one another. | xhumana | verb | ukwenza into ndawonye kanye nabanye. | Odokotela bengqondo batadisha indlela abantu abaxhumana ngayo bebodwana. |
| interact | verb | to act in close relation with each other | Human lungs interact with the circulatory system to filter oxygen into the blood. | bambisana | verb | ukwenza into ngokusondelana kakhulu. | Amaphaphu omuntu abambisana nohlelo lokwedlulisa igazi ukusefa i-oksijini ikwazi ukungena egazini. |
| interaction | noun | communication through reciprocal action | The interaction between lecturer and student can only be productive if both parties are willing to provide input. | ukuxoxisana | noun | ukuxoxisana ngokuhambisanayo | Ingxoxo phakathi komfundisi nomfundi ingaphumelela kuphela uma womabili amalungu ezimisele ukusho okuthile. |
| interactive | adjective | allowing a two-way flow | I really like interactive lectures. | hilelayo | adjective | ukuhilela abanye | Ngiyazithanda kakhulu izifundo ezihilela abanye abantu. |
| interlude | noun | a period of time between two events | She has resumed her career as a writer after a four-year interlude. | ikhefu | noun | isikhathi esithile phakathi kwezigameko ezimbili. | Usewuqalile umsebenzi wakhe njengombhali ngemuva kwekhefu leminyaka emine. |
| intermediate | adj | around the middle of a scale that represents time, places or things | The learners study English at intermediate level. | phakathi nendawo | adj | maphakathi nesikalo esimele isikhathi, izindawo noma izinto. | Abafundi baze baqale ukufunda isiNgisi uma sebesezingeni lemfundo eliphakathi nendawo. |
| internal | adj | located on the inside or inward | The patient died as a result of internal bleeding. | ngaphakathi | adj | okutholakala ngaphakathi. | Isiguli savele sashona ngenxa yokophela ngaphakathi. |
| interpret | verb | to make sense of or assign a meaning to | The learner could not interpret the difficult question. | tolika | verb | ukwenza umqondo ngento ethile; ukunikeza umqondo kwinto ethile. | Umfundi wehluleka ukutolika umbuzo olukhuni. |
| interpret | verb | to translate spoken language immediately into a different language | The interpreter had to interpret for the accused who did not understand English. | tolika | verb | ukuhumusha ulimi olukhulunywaywo uluse kolunye ulimi olwehlukile. | Utolika enkantolo kwadingeka ukuthi atolikele ummangalelwa owayengakwazi ukukhuluma isiNgisi. |
| interpret | verb | to make clear the meaning (of a text) | How readers interpret a text is determined by reading ability, perspective and background. | ukuqonda | verb | ukucacisa incazelo (yombhalo) | Indlela abafundi abaqonda ngayo umbhalo inqunywa ikhono lokufunda, umbono ngisho nesizinda sabo. |
| interpret | verb | to comprehend the information in spoken or written language | Without the strategies to read an academic article, you can easily misinterpret the author's intention. | ukuqonda | verb | ukuqonda ulwazi ngolimi olukhulunyiwe noma olubhaliwe | Ngaphandle kwamacebiso wokufunda isihloko sezemfundo, kalula nje ungase ungaqondi inhloso yombhali. |
| interpretation | noun | understanding of events, people and written texts, as influenced by background, perspective and experience | People's interpretation of the cartoon largely depends on their political and religious beliefs. | ukuqonda | noun | ukuqonda izenzakalo, abantu nemibhalo ebhaliwe, ngendlela okuthonywa ngayo isizinda, umbono ngisho nokuhlangenwe nakho | Ukuqonda kwabantu opopayi kuncike kakhulu ezinkolelweni zabo zezombungazwe nezezenkolo. |
| interpretation | noun | the comprehension of information in spoken or written language | My interpretation of the article's content differs from yours. | ukuqonda | noun | ukuqonda ulwazi olukhulunyiwe noma olubhaliwe | Ukuqonda kwami okuqukethwe kwesihloko kwehlukile kokwakho. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| interpreted | adjective | relating to interpretation | Writers must remember that their narration about an event does not necessarily reflect reality but is merely their interpreted version of the event. | kuqondiwe | adjective | kuhlobene nokuqonda | Ababhali kufanele bakhumbule ukuthi ukulandisa kwabo isenzakalo akubonisi ngokukhethekile okwenzekile kunalokho kuyindlela yokulandisa indlela abaqonda ngayo leso senzakalo. |
| interrelate | verb | to connect or be connected to something so that there is a mutual influence | Draught and famine are interrelated. | hlobana | verb | ukuxhumanisa noma ukuxhunyaniswa nento ethile ukuze zikwazi lezo zinto ukuthi zibe nomthelela kuzona zozimbili. | Isomiso kanye nendlala kuhlobene. |
| interrelate | verb | be related to each other | Drought and famine are interrelated. | hlobana | verb | ukuhlobana | Isomiso nendlala kuhlobene. |
| interval | noun | an interlude, a period of time between two events, a pause in activity | The students returned to university after an interval of four weeks. | ikhefu | noun | isikhathi esiphakathi kwezigameko ezimbi, ukuma kulokho obekwenziwa. | Abafundi babuyela enyunivesi ngemuva kwekhefu lamasonto amane. |
| interval | noun | a period of time between two events | The students returned to university after an interval of four weeks. | isikhathi | noun | isikhathi phakathi kwezenzakalo ezimbili | Abafundi babuyela enyuvesi ngemva kwesikhathi samaviki amane. |
| intervene | verb | to get involved in order to change or stop an action | Governments do not often interfere in religious affairs. | ngenelela | verb | ukubamba iqhaza ngokungena phakathi ukuze ushintshe noma umise lokho okwenzekayo. | Ohulumeni isikhathi esiningi abavamile ukungenelela kwizindaba zezenkolo. |
| meaning | noun | what is meant by a certain word, text, concept, etc. | Every student should know the meaning of certain words in her field of study and also realise that such words can often mean something different in ordinary language. | incazelo | noun | okushiwo igama, umbhalo, umbono othile, njjl. | Umfundi ngamunye kufanele azi incazelo yamagama athile emkhakheni wemfundo yakhe futhi azi ukuthi ngokuvamile lawo magama asho okuthile okuhlukile olimini oluvamile. |
| meaning | noun | what is meant by a word or action | A regular reader understands the literal and figurative meaning of words. | incazelo | noun | okushiwo igama noma isenzo | Umfundi ovamile uqonda incazelo yamagama ngokoqobo futhi ngokomfanekiso. |
| meaningful | adjective | having a purpose or meaning | Our Economics lecturer always encourages meaningful comments from students during his lectures. | okuzwakalayo | adj | ukuba nenhloso noma nomqondo othile. | Uthisha wasenyunivesi ukhuthaza ukubamba iqhaza okuzwakalayo komfundi ngamunye uma kuqhubeka izifundo. |
| meaningfulness | noun | the purpose or meaning of something | Janet doubts the meaningfulness of a fourth qualification, as her three degrees have given her a highly satisfying job that she will lose if she enrolls for another degree. | okunomqondo | noun | injongo noma incazelo yokuthile | UJanet usola injongo yesiqu sesine, ngoba iziqu zakhe ezintathu zimnikeze umsebenzi owanelisa kakhulu angase alahlekelwe nguwo uma ebhalisela esinye isiqu. |
| mechanism | noun | device consisting of a piece of machinery | He replaced the camera's shutter mechanism which was broken. | umshini | noun | yinto ethile enengxenye ethile esamshini. | Wawukhipha umshini wekhamera yakhe owawusuphukile. |
| mechanism | noun | device consisting of a piece of machinery | A special mechanism in the intake system ensures that the engine delivers the best performance at all heights above sea level. | umshini | noun | idivayisi enomshini | Umshini okhethekile kwisistimu yokuqalisa uqinisekisa ukuthi injini isebenza ngendlela ephezulu kakhulu kuzo kubo bonke ubude ezingeni elingaphezu kolwandle. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| median | noun | the numerical value separating the upper half from the lower half of a sample or population | The five students in the class have a percentage of 34, 56, 57, 76 and 87, respectively, and the median is 57. | ophakathi | noun | inani lezinombolo elihlukanisa isigamu esiphezulu esigameni esiphansi sesampula noma sabantu | Abafundi abahlanu ekilasini banephesenti lika-34, 56, 57, 76 no-87 ngokwehlukile, futhi okuphakathi kungama-57. |
| mediate | verb | to act between parties to reconcile differences | She attempted to mediate between her two colleagues to end the argument. | lamula | verb | ukwenza okuthile phakathi kwezinhlaka ezithile ukuze uxazulule ukwehlukana kwemibono. | Wazama ukulamula phakathi kozwabo ababili kwaze kwaba sekugcineni kwempikiswano. |
| mediate | verb | to make it possible for something to happen | The two lawyers are attempting to mediate a settlement between the plaintiff and defendant. | xhumanisa | verb | ukwenza ukuthi into ethile ingenzeki. | Laba bammeli ababili bazama ukuxhumanisa isixazulu phakathi kommangali kanye nommangalelwa. |
| mediate | verb | to act between parties to reconcile differences | She mediated between her two colleagues to end the argument. | lamula | verb | ukuba umlamuli ukuze ulungise ukungaboni ngeso linye | Waba ngumlamuli phakathi kwasebenza nabo ukuqeda impikiswano yabo. |
| mediate | verb | to bring about an agreement or reconciliation between conflicting parties | Several people have tried to mediate between the miners and management to resolve the salary dispute. | ukulamula | verb | ukwenza kube khona isivumelwano noma ukubuyisana phakathi kwamalungu aphikisanayo | Abantu abaningi bazamile ukuba abalamuli phakathi kwabavukuzi nabaphathi ukuze kuxazululwe izinkinga zomholo. |
| mediating | adjective | intervening in a dispute and trying to bring about reconciliation | The mediating efforts of several people were unsuccessful in resolving the salary dispute. | ukulamula | adjective | ukulamula ingxabano nokuzama ukudala ukubuyisana | Imizamo yokulamula yabantu abaningi ayizange iphumelele ekuxazululeni impikiswano yomholo. |
| mediation | noun | the process of intervention in a dispute to bring about reconciliation | The mediation between management and the miners was successful and they returned to work. | ukulamula | noun | inqubo yokulamula ingxabano ukuze kube khona ukubuyisana | Ukulamula phakathi kwabaphathi nabavukuzi kube impumelelo futhi babuyela emsebenzini. |
| mediator | noun | a person who intervenes in a dispute to bring about reconciliation | The mediators tried their best to resolve the salary dispute between the miners and the management. | umlamuli | noun | umuntu olamula ingxabano ukuze kube khona ukubuyisana | Abalamuli bazame konke okusemandleni wabo ukuxazulula ingxabano phakathi kwabavukuzi nabaphathi. |
| medium | noun | a way of communicating information | Radio and television are the best media to communicate important information to a wide audience. | ukuxhumana | noun | indlela yokwedlulisa ulwazi. | Umabonakude yindlela engcono yokuxhumana ukwedlulisa ulwazi olubalulekile kubantu abaningi. |
| meet | verb | to be acceptable or satisfactory | When food is sold, it must meet the requirements of basic hygiene. | hlangabezana | verb | ukwamukeka noma ukwaneliseka | Lapho ukudla kuthengisiwe, kufanele kuhlangabezane nezimfuneko eziyisisekelo zenhlanzeko. |
| mental | adj | involving the mind or an intellectual process | Difficult mathematical calculations require intense mental effort. | okomqondo | adj | okubandakanya umqondo noma uhlelo lokuhlakanipha. | Izindlela zokubala ezinzima kakhulu zidinga umzamo omkhulu womqondo. |
| metalanguage | noun | terminology used to talk about language, e.g. text, context, genre, style, figurative, literal, etc. | Young learners should be allowed to read for fun and not be overwhelmed with literary metalanguage. | i-metalanguage | noun | amagama asetshenziswa ukukhuluma ngolimi, isb. umbhalo, umongo, uhlobo, isitayela, umfanekiso, okungokoqobo, njjl. | Abafundi abasebasha kufanele bavunyelwe ukufunda ngokokuzijabulisa futhi bangaxakwa i-metalanguage. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| metaphor | noun | concise comparison, such as when the author of Song of Songs says: My beloved is a bag of myrrh | Poets use strategies such as symbolism and metaphor to contribute to the ambiguousness of their poetry. | isingathekiso | noun | ukuqhathanisa okunembile, njengalapho umbhali we-Song of Song ethi: Othandekayo wami uyisikhwama esinemure | Izimbongi zisebenzisa izindlela ezifana nokufanekisa nezingathekiso ukubonisa ukungaqondakali kwenkondlo yabo. |
| metaphorical | adjective | using a metaphor or metaphors | Opperman is known for his metaphorical handling of language in his poetry. | kunesisingathekiso | adjective | ukusebenzisa isingathekiso noma izingathekiso | U-Opperman udume ngokusebenzisa ulimi lwesingathekiso enkondlweni yakhe. |
| method | noun | a way of doing something, especially a systematic way | We used different statistical methods of analysis. | indlela | noun | Indlela yokwenza into ethile ikakhulukazi ngendlela enobuchule obuthile. | Sasebenzisa izindlela zokubala ezahlukene zokuhlaziya. |
| method | noun | way to achieve a specific goal | The research method is largely determined by the researcher's theory and hypotheses. | indlela | noun | indlela yokufinyelela umgomo othile | Indlela yocwaningo inqunywa ngokukhethekile inkolelo nombono womncwaningi. |
| methodical | adjective, adverb | according to a method | Dr. Matshego launched a methodical study of the psychological effects of unemployment on single-parent families. | izindlela | adjective, adverb | ngokuvumelana nendlela ethile | UDkt. Matshego waqalisa ucwaningo lwendela imithelela engokwengqondo ethonya ngayo ukungasebenzi emindenini yomzali ongayedwa. |
| methodology | noun | a set of methods and principles to perform a particular activity | The research methodology provides a general approach a researcher uses to conduct a research study. | indlela | noun | isethi yezindlela kanye nemigomo yokwenza umsebenzi othile. | Indlela yokuphenya ihlinzeka ngendlela evamile umcwaningi ayisebenzisayo ukwenza ucwaningo. |
| methodology | noun | a set of methods and principles to perform a particular activity | The methodology used by the researcher should lead to useful research results. | izindlela | noun | iqoqo lezindlela nezimiso zokwenza umsebenzi othile | Izindlela ezisetshenziswa umncwaningi kufanele zihilele emiphumeleni yocwaningo ewusizo. |
| migrate | verb | to move from one country or region to another and settle there | Many of the labourers on the mines have migrated from rural areas to mining areas to find work. | fuduka | verb | ukusuka kwelinye izwe uye kwelinye izwe bese ufika uyahlala uyazinza lapho. | Abantu abaningi abasebenza ezimayini bafudukile besuka ezindaweni zasemakhaya baya ezindaweni lapho kunezimayini khona ukuyothola umsebenzi. |
| migrate | verb | to move from one country or region to another and settle there | Many mine workers have migrated from rural areas to mining areas to find work. | fuduka | verb | ukufuduelka ezweni noma esifundazweni esithile ukuya kwesinye ukuze uhlale lapho | Abasebenzi abaningi basemayini baye bafuduka ezindaweni zasemaphandleni baya ezindaweni zemayini ukuyothola umsebenzi. |
| mind | noun | a person's intellect, ability to think and reason | Persons with a developed mind more easily recognise views that are different from their own. | ingqondo | noun | ukuhlanipha, ikhono lomuntu lokucabanga nokubonisana | Abantu abanengqondo evuthiwe babona kalula imibono ehlukile kweneyabo. |
| minimal | adj | the least possible; very small in size | The hail caused minimal damage to the car. | okuncanyana | adj | okuncane kakhulu; okuncane kakhulu ngokosayizi. | Isichotho sidale umonakalo omncane nje emotweni. |
| minimal | adjective | the least possible or very small in size | The hail caused minimal damage to the car. | okuncane | adjective | okungase kungenzeki noma okuncane kakhulu ngosayizi | Isichotho sabangela umonakalo omncane emotweni. |
| minimum | noun | the smallest possible quantity | A minimum of R50 will be charged for the class notes. | okungengaphansi | noun | inani elincae kakhulu lento ongakwazi ukuthi uyibale. | Uyokhokhiswa imalie engengaphansi kukaR50 ngamanothi asekilasini. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| minimum | adjective | the least possible | The minimum amount to top-up a cell phone account is R50. | okuphansi | adj | inani elincane kakhulu. | Inani eliphansi ongakhokhiswa lona ngokufaka i-airtime kwiselula yakho uR50. |
| minimum | noun | the smallest possible quantity or amount | The class notes will cost a minimum of R50. | okuphansi | noun | inani elincane ngangokunokwenzeka | Amaphuzu wekilasi azobiza imali engekho ngaphansi kuka-R50. |
| minor | adj | small, limited or small in quantity or size | Only minor editorial changes were necessary to prepare the article for publication. | okuncane | adj | okuphansi ngokwenombolo noma ngokosayizi noma ngokwenani. | Kwakuyizinguquko ezincane nje zokuhlelwa ezazidingeka ngaphambi kokuba umbhalo ushicilelwe. |
| mistake | noun | to make an error | I made a mistake to underestimate my opponent's knowledge of the topic of the debate. | iphutha | noun | ukwenza iphutha | Ngenza iphutha ngokubukela phansi ulwazi lowo engiphikisana analo ngempikiswano. |
| mistake | noun | an error of judgement, oversight or miscalculation | My mistake about the amount of study material almost cost me my degree, because I started reading too late and therefore I was unprepared for the final exam. | iphutha | noun | ukwahlulela ngokuyiphutha, ukunganaki noma ukuhlaziya ngokungalungile | Iphutha engalenza mayelana nomsebenzi okwakufanele ngiwutadishe lacishe langenza ngangathola isiqu sami, ngoba ngaqala ukufunda sekwephuzile kakhulu ngakho ngangingasilungele isivivinyo. |
| mode | noun | how something is done or how it happens | Writing and speech are the primary modes of communication studied by linguists, whereas pictures and 3D-objects are the primary modes for artists. | indlela | noun | indlela into ethile eyenzeka ngayo. | Ukubhala kanye nenkulumo yizindlela eziyisisekelo zokuxhumana abafunda ngazo kabanzi labo abenza izilimi, bese kuthi abadwebi bona bafunde kabanzi ngezithombe kanye nemifanekiso engo-3D. |
| modern | adjective | relating to the present | Jungle dwellers will probably not understand modern phenomena such as the computer and smartphone. | okwesimanje | adjective | okuhlobene nesikhathi samanje | Abantu abahlala ehlathini cishe abaziqondi izenzakalo zesimanje ezifana nekhompyutha ne-smartphone. |
| modernism | noun | school of thought characterised by the pursuit of what is considered modern – liberal thinking, modern ideas, practices and styles | Many people blame modernism for the disappearance of marriage as a traditional institution because so many young people nowadays live together without getting married. | isimanjemanje | noun | umbono ochazwa ngokuphishekela lokho okubhekwa njengokwesimanjemanje ukucabanga ngendlela ekhululekile, imibono, imikhuba nezitayela zesimanje. | Abantu abaningi basola ukuba kwesimanjemanje ngenxa yokuntula ukubheka umshado njengelungiselelo elingokwesiko ngoba abantu abaningi abasebasha namuhla bahlala ndawonye ngaphandle kokushada. |
| modernist | adjective | associated with modernism | People who accept everything that is modern and liberal as good and right, without critical thinking, are modernist in their outlook on life. | okwesimanje | adjective | okuhlobene nokwesimanje | Abantu abamukela yonke into yesimanje neyenkululeko njengento elungile futhi efanele, ngaphandle kokucabanga ngokuhluzeka, ngabantu ababheka ukuphila njengokwesimanje. |
| modernity | noun | state of being modern | Wordsworth has been transformed by literary theory from a poet of nature to a key figure of modernity. | ukuba isimanje | noun | isimo sokuba okwesimanje | UWordsworth uye waguqulwa inkolelo engokoqobo kusuka ekubeni imbongi yemvelo ekubeni umuntu oyinhloko wesimanje. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| modification | noun | the act of processing or changing something to improve it or make it more suitable | Research on the modification of all types of games can be a valuable contribution to the game-based learning environment. | ukulungiswa | noun | isenzo sokulungisa noma sokushintsha into ethile ukuze ibe ngcono futhi uyenze ikwazi ukuthi ifaneleke. | Ucwaningo ngokulungiswa kwazo zonke izinhlobo zemidlalo kungaba yiqhaza elikhulu kakhulu kwisimo sokufunda esigxile kwimidlalo. |
| modification | noun | the act or process of changing something to make it better or more suitable for something | Research on the modification of different types of games can be a valuable contribution to the game-based learning environment. | ukulungiswa | noun | isenzo noma inqubo yokushintsha okuthile ukukwenza kube ngcono noma kufanele nakakhulu okuthize | Ucwaningo lokulungiswa kwezinhlobo ezahlukahlukene zemidlalo lungase lube umnikelo obalulekile endaweni yokufunda ngokususelwe emidlalweni. |
| modification | noun | the act or process of changing something to make it better or more suitable for something | The results of his experiments led to the modification of his initial hypotheses. | ukulungiswa | noun | isenzo noma inqubo yokushintsha okuthile ukukwenza kube ngcono nakakhulu noma kufanele nakakhulu okuthile | Imiphumela yokuhlola kwakhe yahilela ekulungisweni kombono wakhe wasekuqaleni. |
| modified | adjective | having been processed or changed to improve it or make it better | They planted genetically modified seeds. | kulungisiwe | adjective | okucutshunguliwe noma okushintshiwe ukuze kuthuthukiswe noma kwenziwe kube ngcono nakakhulu | Batshala izimbewu ezishintshwe izakhi. |
| modify | verb | to cause to change; make different; adapt | She modified the recipe by using water instead of milk. | lungisa | verb | ukwenza ukuthi kube noshintsho; ukwenza ushintsho; guqula. | Wayilungisa iresiphi yakhe ngokuthi asebenzise amanzi esikhundleni sobisi. |
| modify | verb | to make different, adapt or cause to change | Researchers modify their initial hypotheses if they are refuted by their experiments. | lungisa | verb | ukwenza kwehluke, kuguquke noma ukubangela ukuthi kushintshe | Abacwaningi bashintsha umbono wabo wasekuqaleni uma bephikiswa ukuhlola kwabo. |
| momentum | noun | the ability to keep developing or moving forward at the same pace | Water and Sanitation Forums have gained momentum as communities realise the importance of their effectiveness as platforms to articulate their grievances on service delivery. | umgqigqo | noun | amandla okukwazi ukuqhubeka nokuthuthuka noma nokuya phambili ngesigqi esifanayo. | Izigungu Zamanzi kanye Nenhlanzeko ziye zathola umgqingqo njengoba umphakathi usuqala ubona manje ukubaluleka kokusebenza kwazo njengezizinda zokuveza izikhalazo zawo maqondana nokulethwa kwentuthuko. |
| monitor | verb | check or keep an eye on | The teacher monitored his reading and saw great improvement in speed and understanding as the year progressed. | bheka | verb | ukuhlola noma ukuphonsa ihlo ukubona into ukuthi ithuthuka kanjani. | Uthisha uye wakubheka ukufunda kwalo mfundi esakhula wabona ukuthi uza kahle impela njengoba unyaka wawuqhubeka. |
| morphological | adjective | regarding the form | One of the tools for understanding words is morphological knowledge, because the stem of a word contains the basic meaning. | ukwakheka kwamagama | adjective | okumayelana nokwakheka | Enye yamathuluzi wokuqonda amagama ulwazi lokwakheka kwawo, ngoba isiqu segama yiso esinencazelo eyisisekelo. |
| morphology | noun | (study and knowledge of) the parts that make up words and how words are formed | The morphology of words is useful if one wants to trace the meaning of words. | ucwaningo lokwakhekha kwamagama | noun | (ucwaningo nolwazi) lwezingxenye ezakha igama nendlela amagama akheka ngayo | Ucwaningo lokwakhekha kwamagama liwusizo uma umuntu efuna ukuthola umkhondo wamagama. |
| motif | noun | concept that forms part of the theme of a text | In the example sentence, each italic word is a motif. | umbono | noun | umbono oyingxenye yesihloko sombhalo | Emushweni oyisibonelo, igama ngalinye elingumalukeke. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| motivate | verb | to be the reason why something behaves in a certain way; to influence somebody to do something | The promotion motivated him to work harder. | gqugquzela | verb | Ukuba yisizathu sokuthi into ethile iziphathe ngendlela ethile; ukuba namandla okujika omunye umuntu ukuthi enze okuthile. | Ukukhushulelwa esikhundleni esiphezulu kwamkhuthaza ukuthi asebenze kanzinyana. |
| motivate | verb | encourage someone to do something | The promotion motivated him to work harder. | | | | |
| motivate | verb | to supply reasons for a statement | Remember to motivate your answers. | sekela | verb | ukunikeza izizathu zesitatimende | Khumbula ukusekela izimpendulo zakho. |
| motivate | verb | supply reasons for a statement | If you make statements without motivating them with facts and examples, they are unconvincing. | sekela | verb | ukunikeza izizathu zesitatimende | Uma wenza izitatimende ngaphandle kokuzisekela ngamaqiniso nezibonelo, ngeke zikholise. |
| motivate (South African usage only) | verb | to produce a justification or reason for something | Students are often required to motivate yes/no answers by giving explanations. | yesekela (elesiNgisi lisetshenziswa eNingizimu Afrika kuphela) | verb | ukukhiqiza into eyisekekelo noma eyisizathu sento ethile. | Abafundi isikhathi esiningi kuyaye kudingeke ukuthi beseke izimpendulo zabo ezithi yebo/cha ngokuthi banikeze izincazelo. |
| motivated | adjective | supported by adequate reasons | Each of his statements is well motivated by fact and example. | kusekelwe | adjective | kusekelwe ngezizathu ezanele | Isitatimende ngasinye sakhe sizosekelwa ngeqiniso nangesibonelo. |
| motivated | adjective | well-argued and well-justified | The speaker soon convinced the panel with his well-motivated statements. | kusekelwe | adjective | kusekelwe futhi kucaciswe kahle | Isikhulumi sakholisa iphaneli ngezitatimende zakhe ezisekelwe kahle. |
| motivation | noun | a reason for doing a particular activity or behaving in a certain way | People with strong intrinsic motivation usually succeed in what they do. | ugqozi | noun | isizathu sokwenza umsebenzi othil noma sokuziphatha ngendlela ethile. | Abantu abanomuzwa wogqozi ngaphakathi kubo imvamisa bayaphumelela kulokho abakwenzayo. |
| motivation | noun | reason why something is done or reason for a particular action | People with strong intrinsic motivation usually succeed in what they do. | isisusa | noun | ukunikeza isizathu sokuthi kungani kwenziwa okuthile noma ukunikeza isizathu sesenzo esithile | Abantu abanezisusa ezinhle ngokuvamile bayaphumelela kulokho abakwenzayo. |
| motivation | noun | reason for acting in a certain way | Statements without factual motivation do not convince the critical reader. | isisusa | noun | isizathu sokwenza into ngendlela ethile | Izitatimende ezingenazo isisusa azikholisi umfundi ohluzekile. |
| motivation (South African usage only) | noun | reason or justification for doing something | Before the board could accept his scheme, he had to produce a convincing motivation in writing. | isisekelo (elesiNgisi lisetshenziswa eNingizimu Afrika kuphela) | noun | isizathu noma umbandela wokwenza into ethile. | Ngaphambi kokuba ibhodi yamukele isikimu sakhe, kwadingeka ukuthi akhiqize umbhalo obhalwe phansi oyisesekelo esihehayo asibhekise kulo. |
| motive | noun | the reason for doing something, usually something negative | Investigators were unable to establish a motive for the crime. | isisusa | noun | isizathu sokwenza into ethile, imvamisa kusuke kuyinto embi. | Abaseshi bazama behluleka ukuthola isisusa salobo bugebengu. |
| mutual | adj | common to or shared by two or more parties | Teachers usually aim to build a relationship of mutual respect and understanding between themselves and their learners. | okufanayo | adj | okufanayo nokunye noma okwabelwana ngakho phakathi kokubili noma kwizinhlaka ezingaphezulu. | Othisha isikhathi esiningi bavamise ukuthi bahlose ukwakha ubudlelwano bokuhloniphana kanye nokuqondana phakathi kwabo njengothisha kanye nabafundi babo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| myth | noun | an ancient story or tale usually explaining the origin of natural phenomena | Creation myths are found in many cultures. | insumansumane | noun | indaba yakudala emandulo noma indaba evame ukuchaza ukusunguleka noma ukwenzeka kwento ethile. | Izinsumansumane mayelana nokudaleka kwabantu zitholakala kumasiko amaningi emhlabeni jikelele. |
| myth | noun | something fictional, untrue or unproven. | It is a myth that trolls live under bridges. | amanga | noun | yinto esuselwe ekhanda, engesilona iqiniso noma engenabo ubufakazi. | Kungamanga nje ukuthi omantindane bahlala ngaphansi kwamabhuloho. |
| myth | noun | something fictional, untrue or unproven | It is a myth that trolls live under bridges. | inganekwane | noun | into eqanjiwe, engelona iqiniso, noma engenakufakazelwa | Kuyinganekwane ukuthi ama-troll ahlala ngaphansi kwamabhuloho. |
| name | verb | to appoint in a position or office | Professor Seakhoa has been named the new vice-rector of the university. | khetha | verb | ukukhetha othile esikhundleni noma ehhovisi | UProf. Seakhoa ukhethwe njengomsekela-mphathi omusha wenyuvesi. |
| negate | verb | to stop something from having an effect | Alcohol often negates the effects of the medicine. | yilwa | verb | ukuvimba into ethile ukuthi ingabe isakwazi ukusebenza. | Utshwala isikhathi esiningi bulwa nokusebenza komuthi egazini. |
| negate | verb | to state that something does not exist or is not true | Fatherhood can apparently be negated until seven days after birth then reality kicks in. | phika | verb | ukusho ukuthi into ethile ayikho noma ayisilona iqiniso. | Ukuba wubaba womntwana othile ungakwazi ukukuphika kuze kuba izinsuku eziyisikhombisa ngemuva kokuzalwa komntwana bese umqondo uyaqala uyabuya. |
| neologism | noun | new word or phrase, or a recognised word used in a new meaning | The term LOAD SHEDDING is a neologism which came into existence because of Eskom's inability to provide electricity. | ukuqamba igama | noun | igama noma umusho omusha, noma igama elaziwayo elisetshenziswa ngencazelo entsha | Igama elithi LOAD SHEDDING igama eliqanjiwe elaba khona ngenxa yokwehluleka kwe-Eskom ukuhlinzeka ngogesi. |
| neologistic | adjective | regarding a new word | The neologistic word LOAD SHEDDING originated during South Africa's electricity crisis in 2018. | ukuqamba igama | adjective | okumayelana negama elisha | Igama eliqanjiwe elithi LOAD SHEDDING laqala ngenkathi yenkinga kagesi eNingizimu Afrika ngo-2018. |
| network | noun | a group of people or institutions which work together and are connected to one another | The extended network of the family is thought to be the foundation of a successful society. | inethiwekhi | noun | iqembu labantu noma lezikhungo ezisebenzisana ndawonye futhi ezixhumene zonkana. | Inethiwekhi eyengeziwe yomndeni kucatshangelwa ukuthi iyisisekelo somphakathi ophumelelayo. |
| neutral | adj | not taking sides in a disagreement | I prefer to remain neutral on this matter. | okuphakathi nendawo | adj | ukungathathi uhlangothi oluthile kwimpikiswano ethile. | Ngiqoma ukuba phakathi nendawo kulolu daba. |
| neutral | adj | using words which do not express any strong opinion | All business communication should use neutral language. | okungalumeli | adj | ukusebenzisa amagama angavezi noma yimuphi umbono onamandla. | Konke ukuxhumana ngokwebhizinisi kufanele ukuthi kusebenzise ulimi olungalumeli. |
| neutral | adjective | which do not express any strong opinion | Business communication should use neutral language. | ngathathi hlangothi. | adjective | ukungavezi umbono othile | Ukukhulumisana kwezebhizinisi kufanele kusebenzise ulimi olibonisa ukungathathi uhlangothi. |
| nevertheless | adverb | despite this fact | It was a predictable, nevertheless entertaining, film. | naphezu kwalokho | adverb | yize kunjalo. | Yona le filimu ibingahehi kakhulu, naphezu kwalokho-ke kodwa ibithokozisa kakhulu. |
| next | adjective | following immediately after something else | The next aspect to be addressed is fire prevention. | okulandelayo | adjective | okulandelayo ngokushesha nje ngemva kokuthile | Ingxenye elandelayo okufanele isingathwe ukugwema umlilo. |
| next | adjective | following in time or order | The next aspect that will be dealt with, is the prevention of fires. | okulandelayo | adjective | okulandelayo ngesikhathi noma ngokuhleleka | Ingxenye elandelayo ezosingathwa, ukugwenywa kwemililo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| niche | noun | a job or activity that is perfectly suited to someone | She found her niche in the banking world as an equities trader. | isikhundla | noun | umsebenzi noma umsebenzi ofanele umuntu othile. | Lowo wathola isikhundla esimfanele emkhakheni wezokubhenka njengoba aqashwa njengomthengisi wama-equities. |
| nihilism | noun | theory that rejects all existing systems and faith in these systems | Some of the most popular music was created as a result of musicians and singers using the principle of nihilism to create original sounds. | inkolelo yokuthi ukuphila akunanjongo | noun | inkolelo enqaba ukuba khona kwezinhlelo nokwethemba lezi zinhlelo | Omunye umculo odumile waqanjwa ngenxa yokuthi abaculi basebenzisa isimiso senkolelo yokuthi ukuphila akunanjongo ukuze baqambe amaculo amasha. |
| nihilistic | adjective | rejecting all principles of religion and morality | The self-destructive urge of many young people is often explained as the result of their nihilistic feeling about life, therefore one can in a sense refer to them as nihilists. | ukukholelwa ukuthi ukuphila akunanjongo | adjective | ukwenqaba zonke izimiso zenkolo nezokuziphatha | Isifiso sokuzilima sentsha eningi ngokuvamile sichazwa njengomphula wokuba nombono wokuthi ukuphila akunayo injongo, kanjalo kubhekiselwa kubo ngokuthi yilabo abanenkolelo yokuthi ukuphila akunanjongo. |
| nominate | verb | to suggest formally that somebody should be chosen for an important role, prize, etc. | He nominated his friend as class representative. | qoka | verb | ukusho ngokusemthethweni ukuthi umuntu othile akaqokelwe indima ebalulekile, umklomelo obalulekile, njll. | Waqoka umngani wakhe ukuthi kube nguyena ozomela ikilasi. |
| nominated | adjective | who has been named | I know the nominated vice-rector of the university. | khethiwe | adjective | umuntu okhethiwe | Ngiyamazi umsekela-mphathi okhethiwe wenyuvesi. |
| nonetheless | adverb | despite this fact | A student’s level of academic literacy is not the only factor that influences his or her performance, it is nonetheless one of the critical contributing factors that determines academic success. | naphezu kwalokho | adverb | yize kunjalo. | Izinga lokwazi ukufunda akusiyona kuphela into eba nomthelela kwindlela umfundi aphumelela ngayo; naphezu kwalokho-ke kodwa lena ingenye yezindlela ezenza ukuthi kube nempumelelo ezifundweni. |
| norm | noun | a standard or model or pattern regarded as typical of or accepted within a specific group | Women who stay at home and live off their husbands' incomes are no longer the norm in the USA. | imvama | noun | izinga noma imodeli noma iphethini ethathwa ngokuthi ifanele ukuthi ibe njalo noma ifanelwe ukuthi yamukelwe ngaphakathi eqenjini elithile. | Abesifazane abahlala emakhaya bese bephila ngezimali zamadoda abo abaseyona nokho imvama eMelika. |
| norm | noun | a standard, model or pattern that is accepted within a specific group, or is considered typical of a particular group | Women who stay at home and live off their husbands’ incomes are no longer the norm in the USA. | okujwayelekile | noun | isimiso, indlela noma uhlelo olwamukelekayo eqenjini elithile, noma okubhekwa njengokuvamile eqenjini elithile | Abesifazane abahlala ekhaya futhi abaphila ngomholo wabanyeni babo akuseyona into ejwayelekile e-USA. |
| norm | noun | standard, benchmark or guideline | There are a number of norms that determine whether a prospective student is ready for academic study at a university. | isimiso | noun | isimiso, uphawu noma umhlahlandlela | Kukhona izimiso eziningi zokuthola ukuthi lowo ongaba umfundi useyilungele yini imfundo yasenyuvesi. |
| normal | adj | the usual or average standard, level or type | Anger is a healthy, normal emotion when expressed appropriately. | okwejwayelekile | adj | izinga elejwayelekile noma elilingene. | Ukucasuka umuzwa onempilo, ojwayelekile kodwa uma uvezwe ngendlela efanele. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| normal | adjective | the usual or average standard, level or type | Anger is a healthy, normal emotion when expressed appropriately. | vamile | adjective | isimiso esijwayelekile noma esivamile, izinga noma uhlobo | Intukuthelo ingumuzwa ongokwempilo, ovamile lapho iboniswa ngendlela efanelekile. |
| normative | adjective | characterized by norms | Language teaching that aims at a generally accepted form of the target language is normative in nature. | okwejwayelekile | adjective | okubhekwa njengokwejwayelekile | Ukufundisa ulimi okuhloselwe ngohlobo olwamukelekile lolimi olukhulunywayo kuyinto ejwayelekile ngokwemvelo. |
| notable | adjective | that can be noted or taken note of | A notable feature is the ease with which children interact with technology. | phawulekayo | adjective | lokho okungase kuphawulwe noma kuqashelwe | Isici esiphawulekayo indlela okulula ngayo ngezingane ukusebenzisa ubuchwepheshe. |
| note | verb | notice and (or) give an opinion | Our lecturer always notes something encouraging in our assignments, even if we did not do well. | phawula | verb | ukuphawula futhi (noma) ukunikeza umbono | Umfundisi wethu uhlale njalo ephawula okuthile okukhuthazayo ezabelweni zethu, ngisho noma singenzanga kahle. |
| noteworthy | noun | deserving of receiving attention | Two applications are noteworthy to consider for the position. | ukukhunjulwa | noun | okudinga ukuthi kunakwe. | Izicelo ezimbili zidinga ukuthi zikhunjulwe uma sekubhekwa isicelo. |
| noteworthy | noun | deserving of receiving attention | A private sale exposes one to various risks, but two are particularly noteworthy. | okuphawulekayo | noun | okufanele ukuthola ukunakwa | Ukuzithengisela komuntu kumenza achayeke ezingozini ezahlukahlukene, kodwa okubili kuyaphawuleka. |
| notice | verb | to observe or to pay attention to | The researcher noticed significant differences during his observation of chimpanzees and gorillas. | qaphela | verb | ukubona noma ukunaka | Umncwaningi wabona umehluko obaluleke kakhulu phakathi nokubheka kwakhe izinkawu nama-gorilla. |
| notion | noun | an idea, belief or opinion about something, which is often not very clear or precise | As early as 1725 John Clarke examined the notion of moral good and evil. | umqondo | noun | umcabango, inkolelo noma umcabango mayelana nento ethile, isikhathi esiningi okusuke kuyinto engacacile noma inganembi ncamashi. | Kwakudalo ngonyaka ka 1725 uJohn Clarke wazama ukuhlola umqondo Wokulunga Nobuhle kanye Nobubi kwincwadi yakhe enesihloko esithi 'Religion of Nature Delineated'. |
| notwithstanding | prep | without being affected by | Notwithstanding the evidence, the man will not be charged with murder. | naphezu kokuba | prep | ngaphandle kokuthintwa yilokhu. | Naphezu kokuba ubufakazi bukhona, kodwa le ndoda angeke ithweswe icala lokubulala. |
| notwithstanding | adverb | without being affected by | Notwithstanding the evidence, the man will not be charged with murder. | | | | |
| novel | adj | new, interesting, strange and unlike anything that has been seen, done or created before. | She had the novel idea of running a street theatre on a regular basis in the central business district of the city. | okusha | adj | okungakaze kwenzeke phambilini, okuthokozisayo, okungejwayelekile futhi okungafani nenye into eke yabonakala, yenziwa noma yakhiwa phambilini. | Wayenomqondo omusha nje wokuthi abe nendawo yokudlala imidlalo yeshashalazi kwindawo eyisiyingi sedolobha lapho yonke into yenzeka khona. |
| novel | noun | a lengthy narrative in prose | The writer’s novels are studied in English departments all over the country. | inoveli | noun | umbhalo omude oxoxa indaba eyisehlakalo esisodwa. | Amanoveli alo mbhali afundwa yiminyango yesiNgisi ezweni lonkana. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| novel | adjective | new or unlike anything that has been seen, done or created before | Her novel idea is to open a street theater in the central business district of the city. | okusha | adjective | into entsha noma engafani nento eyake yabonwa, yenziwa noma yadalwa ngaphambilini. | Umbono wakhe omusha ngukuvula ithiyetha yasemgaqweni esifundeni esimaphakathi nedolobha. |
| nuance | noun | subtle difference in meaning or shade | The experienced poet creates subtle nuances of darkness and light through punning. | umehluko omncane | noun | umehluko omncane wencazelo noma umbhalo | Imbongi eyingcweti idala umehluko omncane wobumnyama nokukhanya ngokwenza ukutekula. |
| nuance | verb | to reproduce the effect of shade in painting | The skilled painter nuances her painting with different shades of green. | umehluko omncane | verb | ukukhiqiza kabusha umthelela wombala ngokupenda | Umpendi onekhono ubonisa umehluko omncane womdwebo wakhe ngemibala eluhlaza okotshani engafani. |
| nuance | verb | to choose words subtly | The skilled poet manages to nuance his poem with a wordplay of light and dark. | ukwenza umehluko omncane | verb | ukukhethisisa kahle amagama | Imbongi enekhono ibonisa umehluko omncane enkondlweni yakhe ngokudlala ngamagama wokukhanya nobumnyama. |
| nuanced | adjective | characterised by subtle shades of meaning | The nuanced wordplay of light and dark in the poem is fascinating. | kwenziwe ukwehluka | adjective | kuboniswe ngezincazelo ezinomehluko omncane | Ukudlala ngegama kokukhanya nobumnyama enkondlweni okwenziwe ngokwehluka okuncane kuyamangalisa kakhulu. |
| nuanced | adjective | where the effect of shade has been reproduced in a painting | Only the experienced painter sees the nuanced use of green in her painting. | kwenziwe ukwehluka | adjective | lapho umthelela wombala ukhiqizwe kabusha kumdwebo | Ngumdwebi oyingcweti kuphela obona ukusetshenziswa okwehlukile kumdwebo wakhe. |
| nuclear | adjective | related to an atomic nucleus, or nuclear or atomic power | An increase in nuclear charge results in a greater attraction between the electron and the nucleus. | okunenuzi | adj | yinto ethile enenuzi noma efana nenuzi. | Ukukhula kwezinto ezinenuzi kwenza ukuthi kube nokunamathela okukhulu phakathi kwama-elekthroni kanye ne-nucleus. |
| nuclear | adj | using, producing or resulting from energy derived from splitting an atom | The country is looking into using nuclear energy more extensively in the near future. | okwenuzi | adj | okusebenzisa, okukhiqiza noma okunamandla avela ekuhlakazekeni kwe-othomu. | Leli zwe lifuna ukusebenzisa kakhulu amandla enuzi kakhulu kulesi sikhathi esizayo. |
| objectification | noun | process of making something impersonal or objective | Objectification of his own emotional reactions during a court case is one of the outstanding qualities of a competent judge. | ukungakhethi | noun | inqubo yokwenza okuthile kungabi okomuntu siqu noma ukungakhethi | Ukungakhethi kwendlela asabela ngayo ngokomzwelo phakathi necala lasenkantolo kungezinye izimfanelo ezinhle kakhulu zikamahluleli. |
| objectify | verb | to make objective or impersonal | In order to render a fair verdict, a judge must objectify her own emotional reactions. | ukungathathi uhlangothi | verb | ukungakhethi noma ukungakwenzi kube okomuntu siqu | Ukuze akhiphe isahlulelo esinobulungisa, umahluleli kufanele angakhethi ngokusabela kwakhe kwemizwelo. |
| objective | noun | the goal intended to be attained | Her objective was to obtain six distinctions for Grade 12. | injongo | noun | inhloso okuhloswe ukuba itholakale. | Injongo yakhe kwakuwukuthi aphumelele ngamalengiso kwizifundo eziyisithupha kwiBanga 12. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| objective | adj | not influenced by personal feelings or opinions | The teacher tries to be an objective marker of assignments in order to be fair to the learners. | okungavuni | adj | okungathathwa wudomo lwemizwa yangaphakathi noma imibono ekhona ngaphakathi kuye. | Uthisha bandla yena uyazama ukungavuni muntu uma emaka imisebenzi yesikole ukuze kungabibikho abafundi abazwela kakhulu ukwedlula abanye. |
| objective | adj | existing outside the mind | According to constructivists there is no objective reality. | okungaphandle kwengqondo | adj | yinto ethile ephila ngaphandle kwengqondo yomuntu. | Ngokusho kwalabo abangahambisani nalo mqondo bathi ayikho nje into okuthiwa ingaphandle kwengqondo kwangempela. |
| objective | noun | the goal being pursued | Her objective was to obtain six distinctions. | umgomo | noun | umgomo ofinyelelwayo | Umgomo wakhe kwakuwukuthola amalengiso ayisithupha. |
| objective | adjective, adverb | ignoring subjective opinion in favour of facts | The judge’s objective verdict was astounding precisely because his friends were involved in the crime. | ukungakhethi | adjective, adverb | ukushaya indiva umbono onokukhetha ngoba ulandela amaqiniso | Isahlulelo esingakhethi somahluleli sasihle kakhulu ngoba abangane bakhe babayingxenye yobugebengu. |
| objectivism | noun | school of thought that emphasises objective thinking as a prerequisite for impartial research | No modern version of contract law wholly embodies subjectivism or objectivism. | umbono wokungakhethi | noun | umbono ogcizelela ukucabanga ngokungakhethi njengemfuneko yocwaningo lokungathathi uhlangothi. | Awukho umthetho wesivumelwano sohlelo lwesimanje olumelela ngokuphelele ukukhetha noma ukungakhethi. |
| oblige | verb | to force or require someone to do something, usually by law or agreement | A researcher is required to allow participants to withdraw their responses at any time during the research. | cindezela | verb | ukuphoqa noma ukudinga umuntu ukuthi enze into ethile, isikhathi esiningi ngoba ephoqwa umthetho noma isivumelwano ukuba enze njalo. | Umcwaningi ucindezelekile (uphoqekile) ukuthi anike abababambiqhaza ocwaningweni inkululeko yokuthi bazihoxise izimpendulo zabo noma ngabe yingasiphi isikhathi ngesikhathi sokuqhubeka kocwaningo. |
| observant | adjective | listening or looking with attention, observing fine detail | Susan is an observant student who sees the finest details of a case. | ukuqaphela | adjective | ukulalela noma ukubheka ngokunakisisa, ukubheka imininingwane emncane | USusan ungumfundi oqaphile obona ngisho nemininingwane emncane kakhulu yecala. |
| observantness | noun | careful attention | Susan’s observantness is astounding – she sees detail that others completely miss. | ukuqapha | noun | ukunakisisa ngokucophela | Ukuqapha kukaSusan kuyamangalisa kakhulu – ubona imininingwane abantu abangayiboni nhlobo. |
| observation | noun | listening or looking with attention, heeding fine detail | The researcher compiled his longstanding observations about the behaviour of chimpanzees and baboons in a report. | ukuqaphela | noun | ukulalela noma ukubheka ngokunaka, ukulandela imininingwane emncane kakhulu | Umncwaningi waphetha umbiko wakhe walokho ayekuqaphelile okwathatha isikhathi eside mayelana nokuziphatha kwezinkawu nezimfene. |
| observation | noun | looking with attention | Fine observation is important in the field, where botany students should be able to point out differences between plant species. | ukubhekisisa | noun | ukubhekisisa kahle | Ukubhekisisa kahle kubalulekile emkhakheni, lapho abafundi bezemvelo kufanele bekwazi ukubona umehluko phakathi kwezinhlobo zezitshalo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| observe | verb | to see or notice | During the lesson the lecturer observed that many students had not downloaded the notes. | buka | verb | ukubona noma ukuqaphela. | Ngesikhathi kuqhubeka isifundo uthisha wayebuka ukuthi abafundi abaningi babengawenzanga amanothi esifundo leso. |
| observe | verb | to make a remark | It looks like it is going to rain, she observed. | ukuphawula | verb | ukubeka umbono. | "'Uyazi kodwa kubukeka sengathi lizokuna,' kuphawula yena." |
| observe | verb | to obey rules, laws, etc. | During the entire process the design protocol has to be observed. | gcina umthetho | verb | Ukuhlonipha iziqondiso ezibekiwe, imithetho, njll. | Ngaso sonke isikhathi njengoba kuzobe kuqhubeka uhlelo nje kuzomele ukuthi kugcinwe umthetho ngendlela efanele. |
| observe | verb | to become aware of, to notice or to see | The researcher observed significant differences between chimpanzees and gorillas. | qaphela | verb | ukwazi ngokuthile, ukuqaphela noma ukubona | Umncwaningi waqaphela umehluko omkhulu kakhulu phakathi kwezinkawu nama-gorilla. |
| observe | verb | to become aware of, to notice or see | Botany students observe fine differences between plants in the field. | qaphela | verb | ukwazi ngokuthile, ukuqaphela noma ukubona | Abafundi bezemvelo baqaphela imininingwane emncane kakhulu phakathi kwezitshalo ensimini. |
| observed | adjective | that has been noticed or seen | The researcher carefully notes all the differences observed between the chimpanzees and the baboons. | qasheliwe | adjective | okuqasheliwe noma okuboniwe | Umncwaningi uqaphela ngokucophelela wonke umehluko oboniwe phakathi kwezinkawu nezimfene. |
| obsolete | adj | no longer needed or in use | I was told my old computer was obsolete and I can’t get replacement parts. | okungasasetshenziswa | adj | okungasadingeki noma okungasasetshenziswa. | Ngatshelwa ukuthi ikhompyutha yami endala yayingasasetshenziswa futhi manje angizitholi nezingxenye zokuyilungisa. |
| obtain | verb | to get or come into possession of | He obtained permission to miss school for a day so that he could attend the funeral. | nikwa | verb | ukuthola into ethile noma ukuba nento ethile esandleni kuwena. | Wanikwa imvume yokuthi angabibikho esikoleni usuku olulodwa ukuze akwazi ukuya emngcwabeni. |
| obtain | verb | to get or come into possession of | Prof. Cunningham obtained all his degrees at the University of Pretoria. | thola | verb | ukuthola noma ukuba nokuthile | UProf. Cunningham wathola zonke iziqu zakhe eNyuvesi yasePretoria. |
| obtained | adjective | got or acquired | Dr. Motlanthe recently added a B.Comm. degree to his already obtained degrees. | tholiwe | adjective | okutholiwe | UDkt. Motlanthe usanda kwengeza isiqu se-B.Comm. eziqwini zakhe asezitholile kakade. |
| obvious | adj | easily perceived with the senses or mind | He missed the obvious fact that someone tampered with the sample. | okucace bha | adj | okubonakala kalula ngokwezinzwa noma okubambeka kalula ngokomqondo. | Wehluleke ukubona iqiniso elicace bha lokuthi kukhona umuntu oye wenza okuthile okungalungile kwisampula. |
| occupy | verb | to fill or use a space | The city of London occupies a space of 2.9 square kilometres. | thatha indawo | verb | ukugcwalisa noma ukusebenzisa indawo. | Idolobha laseLandani lithatha indawo engu-2.9 wamakhilomitha ayizikwele. |
| occupy | verb | to enter and take control of a place | The squatters occupied the land illegally. | ngena endaweni | verb | ukungena noma ukuthatha indawo ibe ngaphansi kwakho. | Abantu abangondingasithebeni bavele bangena endaweni bathatha umhlaba ngokungemthetho. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| occupy | verb | to have an official position. | The head of the English Department has occupied several important positions before her appointment in the current post. | bamba izintambo | verb | ukuba nesikhundla esisemthethweni. | Inhlo Yomnyango wesiNgisi isibambe izintambo zokuphatha kwizikhundla ezimbalwa ezibalulekile ngaphambi kokuba iqokelwe lesi sikhundla esiqhoqhobele njengamanje. |
| occupy | verb | to have an official position | The head of the English Department has occupied several important positions before her appointment in the current post. | thatha | verb | ukuba nesikhundla esisemthethweni | Umphathi Womnyango wesiNgisi ube nezikhundla eziningi ngaphambi kokuthi akhethwe esikhundleni sakhe samanje. |
| occupy | verb | to fill or use a space or surface | The city of London covers an area of 2,9 square kilometers. | thatha | verb | ukugcwalisa noma ukuthatha isikhala noma indawo | Idolobha laseLondon ligcwalisa indawo engamakhilomitha ayisikwele esingu-2,9. |
| occur | verb | to be found to exist | The disease occurs primarily in adults. | tholakala | verb | ukuba khona. | Lesi sifo sitholakala kakhulu kubantu abadala. |
| occur | verb | to happen, take place or come about. | The theft of the three computers occurred yesterday morning. | enzeka | verb | ukuvela kwento ethile, ukuthi into ethile ibe khona. | Ukwebiwa kwamakhompyutha amathathu kwenzeke izolo ekuseni. |
| occur | verb | to happen, take place or come about | The theft of the three computers occurred yesterday morning. | kwenzeka | verb | ukwenzeka, ukuba khona noma ukuvela | Ukuntshontshwa kwamakhompyutha amathathu kwenzeke izolo ekuseni. |
| odd | adj | an indefinite quantity; slightly more than the round number mentioned | It happened in a small town in Minnesota about fifty-odd years ago | cishe | adj | ukuhlawumbisela; okungaphezulu kancane kunenombolo eshiwo. | Lokho kwenzeka edolobheni elincane eMinnesota eminyakeni ecishe ibe ngamashumi amahlanu kanje. |
| odd | adjective | unusual or peculiar | During the observation one baby behaved in an odd way. | okwehlukile | adj | okungajwayelekile noma okungavamile. | Ngesikhathi sokubheka ukuthi kwenzakalani, omunye umntwana uvele waziphatha ngendlela eyehlukile nje kwabanye. Kwathi ngokuhamba kwesikhathi sathola ukuthi lo mntwana wayenesilonda endlebeni. |
| odd | adjective | an indefinite quantity, usually slightly more than the round number mentioned | It happened in a small town in Minnesota about fifty-odd years ago | ngalingene | adjective | ukungalingani okungapheli, cishe okungaphezu kwenombolo ephelele ebonisiwe | Kwenzeka edolobhaneni elincane eMinnesota cishe eminyakeni engamakhulu amahlanu nokuthile edlule. |
| offset | verb | to use one cost, payment or situation in order to cancel or reduce the effect of another | Authorities use non-violent methods to offset violent methods. | ukuthengana | verb | ukusebenzisa ezinye izindleko, noma inkokhelo noma isimo ukuze ukhansele noma unciphise amandla esinye isimo. | Abasemagunyeni basebenzisa izindlela ezingenalo udlame ukuthenga izindlela ezinodlame. |
| ongoing | adj | currently happening | The design and development of new learning material is an ongoing process. | okuqhubekayo | adj | okwenzekayo njengamanje. | Umklamo kanye nokuthuthuka kwezinto ezintsha zokufunda wuhlule oluqhubekayo. |
| onus | noun | obligation or responsibility | The onus rests on the students to pass their subjects. | umthwalo | noun | isibopho noma umthwalo | Kuwumthwalo wabafundi ukuthi baphumelele ezifundweni zabo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| opinion | noun | someone's feelings or thoughts about something, rather than a fact | In my opinion, the author of the monograph conducted insufficient research to come to any definite conclusions. | umbono | noun | imizwa noma imicabango yomunye umuntu mayelana nento ethile, hhayi eyiqiniso. | Ngokombono wami, umbhali walo mbhalo wenza ucwaningo olungenele ukuthi wayesengakwazi ukufinyelela kulesi siphetho afinyelela kuso. |
| opinion | noun | based on feelings and assumptions | Asking someone's opinion and then embarrassing her in front of a group of people by disregarding her input, is bullying. | umbono | noun | okususelwe emizweni nokucatshangelwayo | Ukucela umbono womunye umuntu bese umfakela amehlo phambi kweqembu labantu ngokunganaki lokho akushilo, kungukuxhashazwa. |
| opinion | noun | someone's feelings or thoughts about something, rather than a fact | In my opinion, the author of the monograph conducted insufficient research to come to any definite conclusions. | umbono | noun | imizwa noma imicabango yomunye umuntu mayelana nokuthile, ngaphandle kwalokho okuyiqiniso. | Ngokombono wami, umbhali wokulandisa waqhuba ucwaningo olunganele ukuthi angaze afinyelele eziphethweni eziphelele. |
| opinion | noun | a view based on a subjective value system and not on facts, therefore not necessarily true | A person's opinion is based on his or her subjective value system and therefore not necessarily true. | umbono | noun | umbono osuselwe ezinhlelweni zezimiso zokungakhethi kodwa hhayi emaqinisweni, ngakho kungenzeka ungabi iqiniso ngempela | Umbono womuntu ususelwe ezinhlelweni zezimiso zakhe ezingakhethi futhi kungenzeka ungabi iqiniso. |
| opinionated | adjective | self-willed or obstinate | Her opinionated attitude shows that she thinks she alone has the truth. | ukuba nombono | adjective | ukuziqhenya noma ukuba nenkani | Isimo sakhe sokuveza imibono sibonisa ukuthi ucabanga ukuthi nguye kuphela oneqiniso. |
| opposite | noun | something contrary to that which is discussed | The public debate between the two experts is going to continue for a long time, because if one claims X, the other tries to prove the opposite. | phambene | noun | okuthile okuphambene nalokho okudingidwayo | Impikiswano esesidlangalaleni phakathi kwezingcweti ezimbili izoqhubeka isikhathi eside kakhulu, ngoba lapho omunye ethi X omunye uzama ukuphikisa lokho. |
| option | noun | one of a number of things from which only one can be chosen | Online course delivery has become a viable option. | into ekhethwayo noma ethandwayo | noun | enye yezinto eziningi lapho khona umuntu engakwazi ukukhetha okukodwa. | Ukufunda nge-inthanethi sekuyiyona nto ekhathwa ngabaningi manje. |
| option | noun | choice between two or more things | You have two options: a full-length essay or two short paragraph answers. | inketho | noun | ukukhetha phakathi kwezinto ezimbili noma ngaphezulu | Unokukhetha okubili: indatshana egcwele noma izimpendulo zezigaba ezimbili ezimfushane. |
| optional | adjective | where an option can be exercised | Because the question is optional, you can ignore it if you don't understand it. | okokuzikhethela | adjective | lapho ungazikhethela khona | Ngenxa yokuthi umbuzo owokuzikhethela, ungase uwushaye indiva uma ungawuqondi. |
| order | noun | a series of events, actions, numbers or letters, especially one after the other | Bibliographical references must be arranged in alphabetical order according to authors' surnames. | ukuhleleka | noun | uchungechunge lwezenzakalo, izenzo, izinombolo noma amagama, ikakhulukazi ngokulandelana | Izinkombo zezinhlu zezincwadi kufanele zihleleke ngokulandelana kwama-alfabhethi kuya ngezibongo zababhali. |
| orientate | verb | to make oneself familiar with a new situation | Economic systems are orientated towards production of commodities. | lungiselela | verb | ukwenza ukuthi ukwazi ukujwayela isimo esisha. | Izindlela zezomnotho zilungiselelwe ukukhiqizwa kwezimpahla ezintsha. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| orientate | verb | to direct the interest of someone to something. | Students at technical colleges are orientated towards practical subjects. | qondisa | verb | ukuqondisa uthando lomuntu ukuthi agcine ethande into ethile. | Abafundi emakolishi amakhono bayaye baqondiswe ukuthi benze izifundo zezandla. |
| orientate | verb | to make yourself or someone else familiar with a new situation | Many young people are often simply thrown into the deep end without being properly orientated or inducted. | jwayela | verb | ukwenza othile noma wena ujwayelane nesimo esisha | Ngokuvamile intsha eningi ivese nje ifakwe entweni enzima ngaphandle kokujwayeziswa noma ukuqondiswa ngendlela efanele. |
| orientate | verb | to direct the interest of someone to something | Students at technical colleges are orientated towards practical subjects. | jwayezisa | verb | ukuqondisa isithakazelo sothile entweni ethile | Abafundi basemakolishi wezobuchwepheshe baqondiswa ezifundweni zokwenza ngokoqobo. |
| orthodox | adjective | according to orthodoxy – strict and religious, or conservative or dogmatic | They are a disciplined, well-trained choir, with an orthodox feel. | ubu-orthodox | adjective | ngokuvumelana nobu-orthodox – okuqinile futhi kwezenkolo, noma okungokwesiko noma ukwenza kube ngathi umthetho | Bayiqembu lomculo eliziphethe kahle, eliqeqeshwe kahle, futhi elinomuzwa .wobu-orthodox |
| orthodox | adjective | accepted by most people as right or normal | The difference between test cricket – with orthodox field placings – and instant cricket where the limiting of runs is about all that matters, is big. | ubu-orthodox | adjective | okwamukelwa abantu abaningi njengokulungile noma okuvamile | Umehluko phakathi kwekhilikithi elithatha isikhathi eside kakhulu – lapho kunobu-orthodox bokuyolanda ibhola – kanye nekhilikithi elisheshayo lapho ukubeka umkhawulo ekulandeni ibhola kuyilokho okubalulekile, mkhulu kakhulu. |
| orthodoxy | noun | generally accepted theory, doctrine or practice | Modern believers increasingly experience the orthodoxy of the traditional Christian churches as alienating and exaggerated. | imfundiso yobu-orthodox | noun | imfundiso eyamukelwa ngokuvamile, inkolelo noma umkhuba | Amakholwa wesimanje alokhu ebheka imfundiso yobu-orthodox yamasonto wamaKristu angokwesiko njengehlukanisayo futhi enehaba. |
| outcome | noun | result of something | The outcome of the negotiations were disappointing. | umphumela | noun | into enesiphetho esithile. | Umphumela wezingxoxo usidumaze kakhulu. |
| output | noun | production of a certain amount | The output of the firm has increased during the past year as a result of a greater demand. | umsebenzi owenziwe | noun | ukukhiqizwa kwenani elithile. | Umsebenzi owenziwe yifemu ukhule kakhulu kulo nyaka odlule ngenxa yokufuneka kakhulu kwawo. |
| output | noun | something delivered or produced | The output of the firm has increased during the past year as a result of a greater demand. | okuphumayo | noun | okuthile okulethiwe noma okukhiqiziwe | Okuphumayo kwemboni kuye kwanda kakhulu phakathi nonyaka odlule ngenxa yendingeko ephezulu kakhulu. |
| overall | adj | including everything | The learners showed an overall improvement in their reading, writing and spelling abilities. | jikelele | adj | okufaka yonke into phakathi. | Abafundi babonisa ukwenza ngcono nje jikelele eamkhonweni abo okufunda, okubhala kanye nawezipelingi. |
| overlap | noun | a shared idea, responsibility, activity, etc | There is a considerable overlap between the syllabi for mathematics and physics. | ukuxhumana | noun | umqondo okwabelwana ngawo, umthwalo, umsebenzi, njll. | Kunokuxhumana okukhulu phakathi kwesilabhasi yesifundo sezibalo kanye neyesifundo se-physics. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| overlap | verb | to extend over or cover a part of something else | This year the July school and university holidays overlap by two weeks. | ukwedlulana | verb | ukweluleka kweqele ngale bese kuthatha ingxenye yokuthile endaweni noma esikhathini. | Kulo nyaka isikole sangoNtulikazi kanye namaholide asenyunivesi kwedlulana ngamasonto amabili. |
| overlap | noun | a shared idea, responsibility, activity, etc. | There is a considerable overlap between the syllabus for mathematics and physics. | ukwabelana | noun | umbono ofanayo, isibopho, umsebenzi, njjl. | Kukhona ukwabelana okukhulu kakhulu phakathi kwesilabhasi yezibalo neyesayensi. |
| overly | adverb | too (much) | One has to be careful not to become overly romantic when longing for the farm life of yesteryear. | kakhulu | adverb | ngokweqile | Umuntu kufanele aqaphele ukuthi angabi othanda ngokweqile lapho elangazelela ukuphila kwesepulazini kwe-yesteryear. |
| overview | noun | concise summary of the main points | The book gives a good overview of South African history from the Stone Age to the present. | qaphu qaphu | noun | isinfinyezo esinembile samaphuzu ayinhloko | Incwadi inikeza amaqaphuqaphu amahle womlando waseNingizimu Afrika kusukela Enkathini Yobuqaba kuze kube manje. |
| oxymoron | noun | figure of speech which links two opposites, e.g. old news | Oxymoron or not, quad bikes are loads of fun for young and old. | ukuziphikisa | noun | inkulumo ehlanganisa izinto ezingafani, isb. izindaba zakudala | Kungaba ukuthi lokhu kuyaziphikisa noma cha, ama-quad bike ajabulisa kakhulu kwabasebasha nakubantu abadala. |
| panel | noun | sheet that forms a section of something and often separates something from something else | The office is visible through the door's glass panel. | iphaneli | noun | isivimbo esiba yinto eyehlukanisayo nevimba okuthile. | Ihhovisi liyabonakala nje uma uzolibuka ngephaneli yengilazi yomnyango. |
| panel | noun | a group of knowledgeable people who give advice or their opinion about an issue | The panel comprised of academic staff and senior students. | iphaneli | noun | iqembu labantu abanolwazi oluthile nabanika iseluleko noma umbono wabo mayelana nodaba oluthile. | Iphaneli ibiyakhiwe othisha basenyunivesi kanye nabafundi asebenze iminyaka ephezulu ezifundweni zabo. |
| paper | noun | a lecture, often presented at a conference or at a seminar | It is interesting to see what techniques speakers use to present their papers at a conference. | isifundo | noun | isifundo, ngokuvamile esethulwa engqungqutheleni noma emhlanganweni | Kuyathakazelisa ukubona ukuthi yiziphi izindlela izikhulumi ezizisebenzisayo ukwethula izifundo zazo engqungqutheleni. |
| paradigm | noun | a standard or typical example | Cape Town stands as the paradigm of a vibrant tourist destination in South Africa. | isibonelo | noun | yinto esezingeni elithile noma efanele ukuba yisibonelo. | IKapa izimele yodwa njengesibonelo sendawo enhle engavakashelw ngabavakashi eNingizimu Afrika. |
| paradigm | noun | a set of ideas explaining how a subject should be understood | Recent research challenges the current philosophical paradigm. | umongo | noun | isethi yemicabango echaza ukuthi isihloko leso kufanele ukuthi siqondwe kanjani. | Ucwaningo lwakamuva luphosela inselelo umongo wenjulabuchopho yamanje. |
| paradigm | noun | an example of the pattern of things | Nelson Mandela has become the paradigm of a statesman with integrity for people across the world. | umbandela | noun | isibonelo sephethini yezinto | UNelson Mandela ube ngumbandela wendoda yezombusazwe eqotho kubantu emhlabeni wonke. |
| paradigm | noun | framework within which theory formation about a phenomenon or subject area takes place in a specific period | The paradigm of apartheid in South Africa has changed since 1994. | umbandela | noun | uhlaka lapho kwakhiwa imfundiso emayelana nento ethile eyenzeka phakathi nesikhathi esithile | Uhlelo Lobandlulo eNingizimu Afrika lushintshile kusuka ngo-1994. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| paradigmatic | adjective | as an example of something | Oppression is a paradigmatic violation of human rights. | i-paradigmatic | adjective | isibonelo sokuthile | Incindezelo iyisibonelo sokwephulwa kwamalungelo wabantu. |
| paradox | noun | apparent contradiction of juxtaposition of conflicting opinions | For me, the greatest paradox is the simultaneous experience of sadness and joy. | indida | noun | ukuphikisana okubonakalayo kokuqhathaniswa kwemibono engqubuzanayo | Kimi, indida enkulu ukuzwa ngesikhathi esisodwa ukudangala nokujabula. |
| paradoxical | adjective | self-contradictionary | The saying Fight for peace is paradoxical. | kuyindida | adjective | into eyindida | Isisho esithi Lwela ukuthula siyindida. |
| parallel | adj | similar or happening at the same time | This new computer has functions parallel to those of a tablet. | okufanayo | adj | okuyinto efanayo noma eyenzeka ngesikhathi esisodwa. | Le khompyutha entsha iyenza imisebenzi efanayo neye-tablet. |
| parallel | adjective | side by side and continuously having the same distance from each other | He strongly feels that the artist and the student should develop along parallel lines, emphasising the interdependence of the two parties from which both would learn and grow. | bhekene | adjective | uhlangothi ngalunye futhi ukuba nebanga elifanayo nokunye | Unomuzwa onamandla wokuthi abaculi nabafundi kufanele bathuthuke ngokubhekana, egcizelela ukuncika kwamalungu amabili okufanele kube khona lapho bonke bezofunda okuthile futhi bakhule. |
| parallel | noun | comparison between two things or issues | A parallel is drawn between two issues when they are compared. | qhathanisa | noun | ukuqhathanisa phakathi kwezinto noma izinkinga ezimbili | Ukuqhathanisa kwenziwa phakathi kwezinkinga ezimbili lapho ziqhathaniswa. |
| paraphrase | noun | version of the content of a text in your own words that shows you understand it | Instead of quoting three full paragraphs verbatim, the author writes a brief paraphrase of the main points of the passage he wants to discuss. | isho ngamagama wakho | noun | ukusho okuqukethwe kombhalo ngamagama wakho okubonisa ukuthi uyakuqonda | Esikhundleni sokucaphuna izwi ngezwi izigaba eziphelele ezintathu, umbhali ubhala ngamagama wakhe kafushane nje amaphuzu ayinhloko wendaba afuna ukuwadingida. |
| paraphrase | verb | to write something in your own words | If you paraphrase an article, you need to understand it, otherwise you might not be able to capture the spirit of the research. | ukusho ngamagama wakho | verb | ukubhala okuthile ngamagama wakho | Uma ubhala ngamagama wakho incwadi kufanele uyiqonde, kungenjalo ungase ungakwazi ukuthola umoya wocwaningo. |
| paraphrased | adjective | summed up or expressed in your own words | Her paraphrased version of the article shows that she understands the content. | kushiwo ngamagama wakho | adjective | kufinyaziwe noma kuchazwe ngamagama wakho | Uhlelo lwakhe olushiwo ngamagama wakhe lwencwadi lubonisa ukuthi uyakuqonda okuqukethwe. |
| parenthesis | noun | an extra explanation or idea – a word, phrase or sentence – which is inserted into a passage and is marked off with brackets, dashes or commas | He included the example as a parenthesis to his main argument. | incazelo ekubakaki | noun | incazelo eyengeziwe noma umqondo owengeziwe – igama, umusho omfushane noma umusho – nofakwa ephaseji bese umakwa ngabakaki, ngodeshi noma ngamakhoma, njll. | Wafaka isibonelo sencazelo ekubakaki kwinkulumo yakhe enkulu. |
| parenthesis | noun | insertion in a sentence | In the following sentence, the parenthesis appears between commas: The author, who happens to be my cousin, received the MC Moller Award for entomological research this year. | abakaki | noun | ukufakwa emshweni | Emshweni olandelayo, abakaki bavela phakathi kokhefana: Umbhali, ongumzala wami, wathola Umklomelo we-MC Moller ngenxa yocwaningo lwesayesensi yezinambuzane kulo nyaka. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| parenthetic | adjective | making use of parenthesis | Authors often add parenthetical remarks if they want to emphasise something. | kunabakaki | adjective | ukusebenzisa abakaki | Ngezinye izikhathi ababhali bangafaka izimpawu zobakaki uma befuna ukugcizelela okuthile. |
| parodied | adjective | imitating someone or something in a mocking or comical way, with deliberate exaggeration for ironic effect | The parodied presentation of the famous painting Mona Lisa is condemned by art experts. | ukwenza ihlaya | adjective | ukulingisa othile noma okuthile ngendlela egconayo noma eyihlaya, ukuze uthole ngamabomu umthelela wokubhuqa | Ukumelelwa okuyihlaya komdwebo kaMona Lisa odumile kunqatshelwa izingcweti zobuciko. |
| parody | noun | mocking mimicry or funny reworking of something serious | The most popular drama of the year was a parody of King Lear. | ukwenza inhlekisa | noun | ukwenza inhlekisa noma ukwenza kabusha okuthile okubalulekile ngendlela ehlekisayo | Idrama edume kakhulu yonyaka kwakungukugconwa kukaKing Lear. |
| parody | verb | to imitate mockingly | Cartoonists regularly parody politicians' behaviour and appearance. | ukwenza inhlekisa | verb | ukulingisa ngendlela egconayo | Njalo abenzi bobopayi balingisa ngokwenza inhlekisa ukuziphatha nokubukeka kosopolitiki. |
| parodying | noun | imitation of someone or the style of an artist in a mocking or comical way with deliberate exaggeration for ironic effect | The undermining and parodying of history is characteristic of postmodernist fiction. | ukulingisa | noun | ukulingisa othile noma isitayela somdwebi ngendlela egconayo noma ehlekisayo ukuveza umthelela wokubhuqa ngokweqile | Ukucekela phansi nokulingisa ngokuyihlaya umlando kuyisici esiqanjiwe semiphumela yezinto zesimanje. |
| paronym | noun | any of two or more words with the same stem | The paronyms reflect and reflex are derived from the same stem. | isichasiso | noun | noma yimaphi amagama ambili noma ngaphezulu anesiqu esifanayo | Ngokwesibonelo amagama athi reflect no-reflex avela esiqwini esifanayo. |
| paronymic | adjective | with respect to words derived from the same stem | Paronymic word are words like sing and singer, wise and wisdom. | kunesichasiso | adjective | okuhlobene namagama athathwe esiqwini esifanayo | Amagama ayisichasiso amagama afana nathi cula futhi umculi, hlakaniphile nokuhlakanipha. |
| participate | verb | to be actively involved, share or take part in an activity | The students are encouraged to participate in class discussions. | bamba iqhaza | verb | ukusebenza ngokukhuthala noma ukwabelana okany ukuphonsa itshe esivivaneni uma kwenziwa umsebenzi othile. | Abafundi bayakhuthazwa ukuthi babambe iqhaza kwizingxoxo zasekilasini ukuze bakwazi ukufunda ngokwakhayo. |
| particular | adj | indicating a specific person or thing | Students must pay particular attention to spelling when writing an essay. | okuthile | adj | okubonisa umuntu noma into ethile. | Abafundi kufanele ukuthi babe nokunaka okuthile uma bebhala i-eseyi. |
| particular | adjective | indicating a specific person or thing. | Students must pay particular attention to spelling when writing an essay. | ikakhulukazi | adjective | okubonisa umuntu noma into eqondile | Abafundi kufanele banakisise ikakhulukazi isipelingi lapho bebhala indatshana. |
| partisan | noun | a strong and enthusiastic supporter of a person, group or cause, who does not always think clearly about the matter | The partisans chained themselves to trees to save the forest. | umlweliwezwe | noun | umeseki onomdlandla kanye nogqozi ngento ethile, kanti imvamisa lo meseki uyaye angacabangi kahle ngaleyo nto athi uyayeseka. | Abalwelibezwe bazikhuleka ngamaketango ezihlahleni bethi lena yindlela yokuhlenga ihlathi. |
| partisan | adjective | who supports a person, group or cause strongly and enthusiastically and does not always think clearly about the matter | Celtic, lying fourth from the bottom, are always dangerous customers especially when playing before their partisan followers. | umshisekeli | adjective | osekela umuntu, iqembu noma obangela ngokunamandla futhi ngokunogqozi futhi ongacabangisisi kahle ngodaba | ICeltic, ehlezi kokune kusuka ngezansi, ingamakhasimende ayingozi kakhulu ikakhulukazi lapho idlala ngaphambi kwabalandeli bayo abangabashisekeli. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| partisan | noun | someone who supports a person, group or cause strongly and enthusiastically and does not always think clearly about the matter | They are dangerous customers, especially when playing before their partisans | umshisekeli | noun | osekela umuntu, iqembu noma obangela ngokunamandla futhi ngokunogqozi futhi ongacabangisisi kahle ngodaba | Bangamakhasimende ayingozi, ikakhulukazi uma bedlala ngaphambi kwabashisekeli babo. |
| passive | adj | accepting a situation and not trying to change it | The children are portrayed as passive recipients of culture. | okuvumayo | adj | ukwamukela isimo njengoba sinjalo ungazami ukusishintsha. | Abantwana babekwa njengabantu abavumayo ukwamukela isiko. |
| passive | noun | connected with the form of the verb used when the sentence starts with the object instead of with the subject | "The ball was kicked by the boy" is an example of a sentence in the passive voice. | impambosi yokwenziwa | noun | okuxhumene nendlela yesenzo esetshenziswa lapho umusho uqala ngomenziwa esikhundleni sokuqala ngomenzi. | "Ibhola lakhahlelwa umfana" isibonelo somusho oyimpambosi yokwenziwa. |
| passive | noun | form of the verb used when the sentence starts with the object instead of with the subject | An example of a sentence in the passive is: The ball was kicked by the boy. | ukuqala ngento | noun | uhlobo lwesenzo lapho umusho uqala ngento esikhundleni somuntu | Isibonelo somusho onjalo ngesilandelayo: Ibhola lakhahlelwa ngumfana. |
| peculiar | adjective | strange or different to what is expected | The students struggle to understand the peculiar pronunciation of their new lecturer | didayo | adjective | okudidayo noma okwehlukile kulokho okulindelekile | Abafundi bakuthola kunzima ukusho igama elididayo lomfundisi wabo. |
| pendulum | noun | something that changes regularly from one position to an opposite one | The pendulum of public opinion regarding abortion has swung from pro-life to pro-choice. | iphendulamu | noun | into evame ukushintsha njalo nje isuka kwenye indawo iya kwenye indawo ephikisana naleyo. | Iphendulamu yomphakathi mayelana nokuhushulwa kwezisu isishintshile, njengoba kuqala bebethi nje ukukhipha isisu ukubulala kodwa manje sebethi umuntu okhulelwe unelungelo lokwenza into ayifunayo ngesisu esikuye. |
| perceive | verb | to become aware of through the senses | This study focuses on the way students perceive artistically created medical images for learning purposes. | ukubona; ukuqonda | verb | ukuba nolwazi ngokusebenzisa izinzwa. | Lolu cwaningo lubheka indlela abafundi ababona/abaqonda ngayo izithombe zokwelapha ezidwetshiwe ngokwezinhloso zokufunda. |
| perceive | verb | to become aware of through the senses | A substance is perceived as a liquid when it flows freely like water. | bona | verb | ukuqaphela ngezinzwa | Into ibonwa njengokusaketshezi lapho igeleza kalula njengamanzi. |
| perceive | verb | to become aware of, realize or understand something | Botany students perceive the finer differences between plants in the veld. | bona | verb | ukwazi, ukuqaphela noma ukuqonda okuthile | Abafundi baseBotany babona umehluko omncane kakhulu phakathi kwezitshalo zasesigangeni. |
| percentage | noun | numerical value calculated in terms of a fraction of which the number 100 is the divisor | The average percentage of the first-year mathematics class was 45 percent. | iphesenti | noun | inani eliyinombolo elibalwa ngengxenyenamba lapho u-100 eyisahlukanisi | Isilinganiso sephesenti lekilasi lezibalo lonyaka wokuqala kade singu-45. |
| percentage | noun | a proportion in relation to a whole | If you look at the first-year students' maths marks on a percentage basis, this looks like a group of hard-working students. | iphesenti | noun | ingxenye yokuphelele | Uma ubheka imiphumela yezibalo yabafundi bonyaka bokuqala ngokwesisekelo sephesenti, kubonakala sengathi leli iqembu labafundi abazikhandlayo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| percentage point | noun | numeric unit in which an increase or decrease or the significance of a matter is expressed, and which is usually equal to one percent | This year’s class did 7 percentage points better than last year’s group. | iphoyinti lephesenti | noun | iyunithi yenombolo lapho kuvela khona ukwanda noma ukuncipha noma lapho kuvezwa ukubaluleka kodaba, futhi ngokuvamile okulingana nephesenti elilodwa | Ikilasi lalo nyaka lenze kahle ngamaphoyinti ayi-7 kuneqembu langonyaka odlule. |
| period | noun | a particular length of time | He was absent for a period of three months. | isikhathi | noun | ubude obuthile besikhathi. | Lowo wake akangabibikho isikhathi esiyizinyanga ezintathu. |
| period | noun | a length of time in the history of a country or person | The post-war period was characterised by strict economic measures. | isikhathi | noun | ubude besikhathi esithile emlandweni wezwe noma womuntu. | Isikhathi sangemuva kwempi saba nezimo zezomnotho ezaziphoqa ukuthi wonke umuntu azibophe ngesifociya. |
| period | noun | a particular time in history or in someone's life | The 1980s was a turbulent period in the SA history. | inkathi | noun | inkathi ethile emlandweni noma ekuphileni komuntu | Iminyaka yawo-1980 kwakuyinkathi eyisiyaluyalu emlandweni waseNingizimu Afrika. |
| periodic | | occuring at regular intervals | The periodic outbreak of violence in the Middle East is worrying. | ngokwenkathi | | okuvela ngezikhathi ezithile | Ukubheduka komdlame eMaphakathi Mpumalanga kuyakhathaza kakhulu. |
| periodise | verb | to divide into periods | It is an accepted technique to periodise the history of a country according to decades. | hlukanisa ngezikhathi | verb | ukuhlukanisa ngezikhathi | Kuyindlela eyamukelekile ukuhlukanisa ngezikhathi umlando wezwe ngokuvumelana namakhulu weminyaka. |
| peripheral | adjective | with respect to the outer edge of something, for instance a circle | With a policy of eleven official languages, the role of African languages and literature must be freed from the peripheral and submissive role it has played in the past. | okuphathelene nomngcele | adjective | okuhlobene nomngcele wento ethile, ngokwesibonelo isiyingi | Ngenxa yenqubomgomo yezilimi ezisemthethweni eziyishumi nanye, indima yezilimi nezimfundo eNingizimu Afrika kufanele ikhululwe ekubeni ngaphakathi komngcele ngisho nokuba ngaphansi kwendima yokuthobela eyidlalile esikhathini esedlule. |
| periphery | noun | the outer limits of an area | The government seems to focus delivery on the centre and ignores the periphery – that is, rural areas. | okuphathelene nomngcele | noun | imikhawulo yangaphandle yendawo | Kubonakala sengathi uhulumeni ugxile ekunikezeni izinsizakalo ezindaweni ezisemaphakathini bese ekhohlwa ngezindawo ezisemngceleni – okusho izindawo zasemaphandleni. |
| permanency | noun | the quality of staying in the same state or being permanent | The permanency of our country’s electricity supply is determined by factors such as crime-free service delivery and corruption-free managers. | unomphela | noun | ukuba isimo esifanayo noma unomphela | Ukuba unomphela kokunikezwa kukagesi kwezwe kuzonqunywa izici ezifana nokuhlinzekwa kwezinsizakalo okungenabo ubugebengu kanye nabaphathi abangakhwabanisi. |
| perpetual | adj | when a feeling, state or quality never changes or never ends | Perpetual sadness is a characteristic of depressed people. | okunganqamuki | adj | lapho umuzwa, isimo noma ikhwalithi ingashintshi noma ingapheli. | Ubuhlungu obunganqamuki yisici esihlasela abantu abanesifo sengcindezi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| perpetual | adj | repeated over and over again, in a way that is annoying | His perpetual lateness in the morning is irritating staff members. | okuqhubeka njalo | adj | lapho uma isenzo, isimo siphindeka njalonjalo, ngendlela ecikayo noma ecasulayo. | Lokhu kuqhubeka njalo kwakhe nokufika ngemuva kwesikhathi ngaso sonke isikhathi ekuseni kucasula abanye abasebenzi. |
| perpetual | adjective | continuing all the time | Perpetual sadness is a characteristic of depressed people. | | | | |
| persist | verb | to continue to do something despite difficulties or opposition | He persists in his endeavours to get assisted euthanasia legalised. | phokophela | verb | ukuqhubeka nokwenza into ethile yize kunobunzima noma kunento ephikisayo. | Wayelokhu ephokophele ezifisweni zakhe zokuthi kwenziwe kube semthethweni ukuqedelwa komuntu uma esegule kakhulu. |
| persist | verb | to continue to happen or exist | Rumours of corruption persisted for many months although the department denied the charges. | qhubeka | verb | ukulokhu into iqhubeka nokuba khona noma nokuphila. | Amahlebezi enkohlakalo ayelokhu eqhubeke njalo izinyanga eziningi yize umnyango wawuziphika lezi zinsolo. |
| personification | noun | assigning human qualities to inanimate things, animals or nature | When the author says the clouds are crying and the wind is panting in the chimney, he uses personification. | ukuzenza samuntu | noun | ukunikeza izinto izimfanelo zomuntu, izilwane noma imvelo | Lapho umbhali ethi amafu ayakhala futhi umoya uyahefuzela kushimula, usebenzisa ukuzenza samuntu. |
| personified | adjective | using personification | The personified verb suggests that the rain will be portrayed as a person. | kwenziwe samuntu | adjective | ukusebenzisa ukuzenza samuntu | Isenzo esenziwe samuntu sisikisela ukuthi imvula izofanekiswa njengomuntu. |
| personify | verb | to represent something non-human in a human way by giving it human characteristics | When the poet writes: The wind sings in the reeds, he uses personification and thus personifies the wind. | samuntu | verb | ukumelela okuthile okungekhona umuntu ngendlela yomuntu ngokukunikeza izici zomuntu | Lapho imbongi ibhala: Umoya ucula emhlangeni, usebenzisa ukuzenza samuntu futhi ufanekisa umoya. |
| perspective | noun | a way of regarding situations or topics | Her perspective on the death penalty was coloured by her religious conviction. | umbono | noun | indlela yokubhekana nezimo noma nezihloko. | Umbono wakhe ngesigwebo sentambo wawususelwe kwizinkolelo zakhe zezenkolo. |
| perspective | noun | to judge the importance of an issue correctly in relation to everything else | Watching the TV news every day helps me keep my own problems in perspective. | into ehlala iqondile | noun | Ukwahlulela ukubaluleka kodaba ngendlela efanele maqondana nayo yonke enye into. | Ukubuka izindaba kumabonakude nsuku zonke kuyangisiza ukuthi nami ezami izinkinga zihlale ziqondile. |
| perspective | noun | capacity or form in which the mutual and meaningful coherence of or connection between matters, ideas or facts becomes clear | Watching the TV news every day helps me keep my own problems in perspective. | | | | |
| perspective | noun | specific way of looking at the world, influenced by a certain value system | Pieter did not travel much and also read little outside his field of reference, consequently his perspective on other cultures was limited. | umbono | noun | indlela ethile yokubheka umhlaba, ngokuthonywa izinhlelo zezimiso ezithile | UPieter akazange avakashe kakhulu futhi akazange afunde enye into ngaphandle kwalokho okumayelana nomkhakha wakhe, ngenxa yalokho umbono wakhe ngamanye amasiko wawukhawulelwe. |
| perspective | adjective | regarding an evaluation, insight or view regarding a particular matter | Students who consider all perspectives on their topic write in a perspective style. | umbono | adjective | mayelana nokuhlola, ulwazi noma umbono ngodaba oluthile | Abafundi abacabangela yonke imibono esihlokweni sabo babhala ngesitayela esiveza ukuba nombono. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| persuade | verb | to talk somebody into doing something and give him/her good reasons for doing so | The English teacher want to persuade the students to read different genres. | ncenga; nxenxa | verb | ukukhuluma nomuntu ukuthi enze okuthile bese umnika nezizathu ezinhle nezifanele ukuthi akwenze lokho. | Uthisha wesiNgisi ufuna ukuncenga abafundi ukuthi bafunde iminxa ehlukene. |
| persuade | verb | to talk someone into doing something and give them good reasons for doing so | The English teacher tries to persuade the students to read different genres. | kholisa | verb | ukukholisa othile ukuthi enze into ethile bese umnikeza isizathu esihle sokuthi kungani kufanele ayenze | UThisha wesiNgisi uzama ukukholisa abafundi ukuthi bafunde izinhlobo zezincwadi ezahlukahlukene. |
| persuade | verb | to talk someone into doing something and give them good reasons for doing so | The organisers are hoping to persuade a few more sponsors to come on board. | kholisa | verb | ukukholisa othile ukuthi enze into ethile bese umnikeza isiathu esihle sokuthi kungani kufanele ayenze | Abahleli bathemba ukuthi bazokwazi ukukholisa abaxhasi abaningi ukuthi babasekele. |
| persuasion | noun | the ability to talk someone into doing something and give them good reasons for doing so | Techniques of persuasion in written and verbal communication make readers and listeners feel the author or speaker is communicating with conviction. | ukukholisa | noun | ikhono lokwenza okuthi othile agcine enze into ethile futhi umnikeze izizathu ezinhle zokwenza kanjalo | Izindlela zokukholisa engxoxweni ebhaliwe neyomlomo zenza ukuthi abafundi nabalaleli bazizwe sengathi umbhali noma isikhulumi sixoxisana ngokukholelwa. |
| persuasive | adjective, adverb | good at persuading someone to do something or believe something | The charismatic speaker's persuasive speaking style leaves listeners hanging on his lips. | kholisayo | adjective, adverb | okwazi ukukholisa abanye abantu ukuthi benze noma bakholelwe kokuthile | Isitayela sokukhuluma ngokukholisayo esikhangayo sesikhulumi sishiya abalaleli behlatshwe umxhwele. |
| pertinent | adj | relevant or directly concerned with something | A good student asks pertinent questions. | okushaya khona | adj | okunganhlanhlathi noma okuqondene ngqo nento ethile. | Umfundi omuhle obuza imibuzo eshaya khona. |
| pervade | verb | to spread gradually throughout every part of something | The smell of pizza pervaded the kitchen. | sabalala | verb | ukusabalala kancane kancane kuyona yonke ingxenye yayo yonke into. | Iphunga elimnandi lepizza lasabalala lagcwala ikhishi lonke. |
| phase | noun | any distinct time period in a sequence of events | Her teenager is going through a rebellious phase. | isigaba | noun | noma yisiphi isikhathi sokulandelana kwezigameko. | Umntwana wakhe womfana usesigabeni esibi sokuba umdlwembe nje |
| phase in | verb | to plan or do something gradually in an orderly way | Computer literacy classes are being phased into the curriculum. | faka | verb | ukuhlela noma ukwenza into ethile kancane kancane ngendlela ehlelekile. | Amakilasi okufunda ukusebenzisa ikhompyutha ayafakwa kancane kwikharikhulamu. |
| phenomenal | adjective | exceptionally good | Winston Churchill was a phenomenal British politician – indeed a phenomenon! | mangalisayo | adjective | okuhle kakhulu | UWinston Churchill wayengusopolotiki waseBrithani omangalisa kakhulu – ngempela wayemangalisa! |
| phenomenological | adjective | according to the theory of phenomenology | Friedrich Hegel's way of reasoning is phenomenological. | isayensi yokumangalisayo | adjective | okuvumelana nemfundiso yesayensi yokumangalisayo | Indlela yokubonisana kaFriedrich Hegel iyamangalisa kakhulu. |
| phenomenology | noun | trend in philosophy that thoroughly and accurately describes phenomena without hypotheses about their causes | Phenomenology is a trend in philosophy that maintains that every individual has a unique state of knowledge, based on previous experiences and inherited ideas. | isayensi yezenzakalo | noun | umkhuba wefilosofi ochaza ngokucophelela futhi ngokunembile izenzakalo zesimanje ngaphandle kwemibono yembangela yazo | Isayensi yezinto zesimanje ithrendi yefilosofi ebonisa ukuthi umuntu ngamunye unesimo solwazi esiyingqayizivele, ngokususelwe kokuhlangenwe nakho kwangaphambilini ngisho nemibono ewufuzo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| phenomenon | noun | object of perception through senses or consciousness | The phenomenon of gang violence is a major cause of concern for sociologists and psychologists. | isimangaliso | noun | ukuba nombono ngezinzwa noma ukuqaphela | Izenzakalo zesimanje zodlame lwamaqembu wezigilamkhuba ziyimbangela enkulu kakhulu yezazi zezenhlalo nodokotela bengqondo . |
| phenomenon | noun | a remarkable thing or situation that can be observed | A solar eclipse always remains an interesting phenomenon. | isimangaliso | noun | into noma isimo esimangalisayo esibonakalayo | Ukufiphala kwelanga kuseyisenzakalo esithakazelisa kakhulu. |
| phenomenon (plural: phenomena) | noun | any state or process known through the senses | Meteorologists are interested in natural phenomena such as floods and droughts. | isenzeko esiyisimanga | noun | kungaba yinoma yisiphi isimo noma uhlelo olwaziwa ngezinzwa. | Izangoma zezulu zinempokophelelo yokufunda kabanzi ngezenzeko zemvelo eziyisimanga ezifana nezikhukhula kanye nesomiso. |
| philosophical | adjective, adverb | considering matters and situations sensible and undisturbed, even resigned | I have never experienced such a philosophical attitude! | okwefilosofi | adjective, adverb | ukubheka udaba noma izimo njengezinengqondo futhi ezingenakuphazanyiswa, ngisho nalezo ezamukelwe ngokungathandeki | Angikaze ngibhekane nesimo sengqondo esinobufilosofi ngale ndlela! |
| philosophical | adjective, adverb | according to the principles of philosophy | During yesterday's philosophical debate about the independent place of ethics outside the context of belief, I realised how philosophical the debaters think. | okwefilosofi | adjective, adverb | kuya ngezimiso zefilosofi | Phakathi nempikiswano yefilosofi yayizolo mayelana nendawo ezimele yezimilo ngaphandle komongo wenkolelo, ngiye ngabona indlela amafilosofi acabanga ngayo. |
| philosophise | verb | to speculate or theorise about serious issues | My roommate can spend hours with his friends philosophising about the relativity of truth. | ukwenza ifilosofi | verb | ukucabangela noma ukwenza imfundiso ngezindaba ezibalulekile | Umuntu engihlala naye uchitha amahora amaningi nabangane bakhe benza ifilosofi ngokuhlobana kweqiniso. |
| philosophy | noun | a belief or system of beliefs resulting from the search for knowledge | His degree is in philosophy. | injulalwazi | noun | inkolelo noma uhlelo lwezinkolelo oluvela ngenxa yocwaningo lusuke lwenziwe kufunwa ulwazi. | Uneziqu kwinjulalwazi. |
| philosophy | noun | science that examines the meaning of things and of life | It is essential that all students understand at least the basic philosophy underlying their field of study. | ifilosofi | noun | isayensi ehlola incazelo yezinto nempilo | Kubalulekile ukuthi bonke abafundi baqonde okungenani ifilosifi eyinhloko yomkhakha abawufundelayo. |
| physical | adj | involving the body as distinguished from the mind or spirit | He prefers physical challenges, like running marathons, to studying. | okomzimba | adj | okufaka umzimba njengokwehlukile kwingqondo noma emoyeni. | Yena uthanda ukwenza izinto ezinyakazisa umzimba ezifana nokugijima imijaho emide, hhayi ukutadisha. |
| pivotal | adj | very important, usually because other things depend on it | The film's special effects have played a pivotal role in attracting large audiences. | okumqoka | adj | okubaluleke kakhulu, imvamisa ngenxa yokuthi ezinye izinto zincike kukho. | Izindlela le filimu eqoshwe ngazo zidlale indima esemqoka kakhulu ekuheheni ababukeli. |
| plagiarise | verb | to copy another person's ideas or words and pretend that they are your own | Students who commit plagiarism will not be given any credit for plagiarised work. | yeba imibhalo | verb | ukukopisha imiqondo, amagama omunye umuntu, njll. bese wenza sengathi kungokwakho kuphuma emqondweni wakho. | Abafundi abeba imibhalo okungesiyona eyabo bayenze eyabo angeke baze banikwe amaphuzu ngombhalo owebiwe. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| plagiarise | verb | to commit plagiarism | You plagiarise if you copy an author's exact words and style and pretend that it is your own. | kopela | verb | ukukopa | Usuke ukopa uma ukopisha amagama nesitayela sombhali njengoba sinjalo bese wenza sengathi ngesakho. |
| plagiarism | noun | the criminal practice of presenting someone else's work or ideas as your own | Somebody who presents the exact words of another writer without acknowledgment of author and source text commits plagiarism. | ukukophela | noun | isenzo esingekho emthethweni sokuveza umsebenzi noma imibono yomunye umuntu njengeyakho | Othile oveza amagama afanayo womunye umbhalo ngaphandle kokwazisa umbhali nombhalo womthombo uyakopela. |
| plan | verb | think ahead and make arrangements | Sometimes your personal circumstances can prevent you following the career path you have planned. | hlela | verb | ukucabangela noma ukwenza amalungiselelo ngaphambi kwesikhathi | Ngezinye izikhathi izimo zakho zomuntu siqu zingagwema ukuthi ulandele indlela yomsebenzi owuhlelile. |
| planned | adjective | having made arrangements in advance | Find out as much as you can about the planned change and why it is happening. | hleliwe | adjective | ukwenza amalungiselelo kusengaphambili | Thola okuningi ngangokunokwenzela ngoshintsho oluhleliwe nokuthi kungani lwenzeka. |
| planning | noun | the act of making plans | Learn how to use spreadsheets for your financial planning. | ukuhlela | noun | isenzo sokwenza izinhlelo | Funda indlela yokusebenzisa isphredishithi ukuhlela ezezimali zakho. |
| platitude | noun | an expression or saying that has been made too often to be interesting | Politicians are inclined to think that they are satisfying their constituents by making ample use of platitudes, but that is not the case. | isifiso | noun | isisho esishiwo kaningi ukuze sibe esithakazelisayo | Osopolotiki bathambekele ekucabangeni ukuthi banelisa abalandeli babo ngokusebenzisa kakhulu izifiso, nakuba kungekho njalo. |
| pleonasm | noun | use of more words than necessary to name or describe something | An inexperienced writer often uses pleonasm to demonstrate a flashy style or because she has not yet learned to formulate accurately. | ukusebenzisa amagama amaningi | noun | ukusebenzisa amagama amaningi kunokudingekile ukuqamba noma ukuchaza okuthile | Umbhali onolwazi ngokuvamile usebenzisa amagama amaningi kunokudingekile ukubonisa isitayela sokuziqhayisa noma akakakwazi ukuhlela kahle amagama. |
| pleonastic | adjective | making use of pleonasms | The writer's style is clearly pleonastic. | ukusebenzisa amagama amaningi kunokudingekile | adjective | ukusebenzisa amagama amaningi kunokudingekile | Kucacile ukuthi isitayela sombhali siwukusebenzisa amagama amaningi kunokudingekile. |
| plot | noun | the plan or story of a book or film | Did you follow the plot of the movie or are you just as confused as I am? | ingqikithi | noun | uhlelo noma umongo wendaba encwadini noma kwifilimu. | Ngabe uyilandele ingqikithi yalesi sithombe sebhayisikobho noma mhlawumbe nawe udideke njengami nje? |
| point | noun | issue, matter or question | The influence of AIDS on human health is a sensitive point of discussion. | iphuzu | noun | inkinga, udaba noma umbuzo | Ithonya le-AIDS empilweni yabantu udaba olubucayi kakhulu. |
| point | noun | topic for discussion or debate | The impact of changing weather patterns on the economy is the next point of discussion. | iphuzu | noun | indaba noma ingxoxo okufanele idingidwe | Ithonya lezindlela zokushintsha kwesimo sezulu kwezomnotho iphuzu elilandelayo okufanele lidingidwe. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| point of view | noun | angle from which someone approaches a situation | Cognitive experts regard intelligence as the ability to temporarily experience a situation from a different point of view than your own. | umbono | noun | indlela othile abheka ngayo isimo | Ochwepheshe bezengqondo babheka ukuhlakanipha njengekhono lokuba nomuzwa wesimo okwesikhashana ngokombono owehlukile kunowakho. |
| pole | noun | opinion or quality that is the opposite of another | The positions put forward by the two academics fall at opposite poles of the debate | ipali | noun | imibono emibili ephikisanayo. | Kodwa lezi zinto ezibekwe yilezi zifundiswa zombili ziphikisana kakhulu nje nenkulumompendulwano esinayo |
| polemical | adjective, adverb | in a quarrelsome way | The polemical letters in the press show how divided the people are about the new government appointments. | ukuhlasela ngamazwi | adjective, adverb | ngendlela ehlaselayo | Izincwadi ezihlasela ngamazwi ezisephephandabeni zibonisa indlela abantu abahluke ngayo ngokukhethwa kukahulumeni omusha. |
| policy | noun | a plan of action adopted by an individual or social group | The new policy entrenches multilingualism. | inqubomgomo | noun | uhlelo lwalokho okumele ukuba makwenziwe oluphasiswe wumuntu siqu sakhe noma yiqembu lenhlalo elihlangene. | Le nqubomgomo entsha yolimi yenza ukuthi zibe ziningi izilimi ezisetshenziswayo. |
| polyseme | noun | any of the multiple meanings that word can have | The word HAND has different polysemes. | igama elinezincazelo eziningi | noun | noma yiziphi izincazelo eziningi igama elingase libe nazo | Igama elithi NIKEZA linezincazelo eziningi. |
| polysemic | adjective | with more than one meaning | The word LEG is polysemic. | ukuba nezincazelo eziningi | adjective | ukuba nencazelo engaphezu kweyodwa | Igama elithi GUBHA linezincazelo eziningi |
| polysemy | noun | the capacity of a word or phrase to have multiple meanings | Polysemy is fairly general in all languages. | ukuba nezincazelo eziningi | noun | ikhono lokuthi igama noma umusho ube nezincazelo eziningi | Igama elinezincazelo eziningi lijwayelekile kuzo zonke izilimi. |
| portion | noun | a part of something bigger | A portion of the profits will be given to the old age home. | ingxenye | noun | okuncane okususwe entweni enkulu. | Ingxenye ethile yenzalo iyobe isinikwa ikhaya labadala. |
| portion | verb | to divide something into smaller parts | She portioned out the sweets between the three children. | hlukanisa | verb | ukwenza into ukuthi ibe yizingcezu ezincane. | Wehlukanisa amaswidi phakathi kwezingane ezintathu. |
| portray | verb | to describe or show somebody in a particular way | She portrayed herself as a victim of child abuse. | chaza | verb | ukuchaza noma ukubonisa umuntu ngendlela ethile. | Wazichaza njengesisulu sokuhlukunyezwa kwabantwana. |
| portray | verb | to describe or show someone or something in a particular way | The novel portrays the joys and sorrows of a human life. | veza | verb | ukuchaza noma ukubonisa othile noma into ethile ngendlela ehlukile | Inoveli iveza injabulo nosizi lokuphila komuntu. |
| portray | verb | to describe or show someone or something in a particular way | The ordinary soldier is portrayed as a moral and religious figure, while the officers represent the heartless authority. | veza | verb | ukuchaza noma ukubonisa othile noma into ethile ngendlela ehlukile | Isosha elivamile livezwa njengomuntu onesimilo futhi okholiwe, kuyilapho abaphathi bemelela igunya elinonya. |
| portray | verb | to express something | If talent were to be measured in terms of how a singer portrays emotion in a song (instead of measuring it in album sales) then this singer wins hands down. | veza | verb | ukucacisa okuthile | Uma ikhono belingalinganiswa ngendlela umculi aveza ngayo imizwelo engomeni (esikhundleni sokulinganisa ngokuthengwa kwe-albhamu) nakanjani umculi kade engaphumelela. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| portrayal | noun | the expression of something | The author's sensuous portrayal of her characters makes them convincing. | ukuvezwa | noun | ukuchazwa kokuthile | Ukuveza kombhali ngendlela ekhangayo abalingisi bakhe kubenza bakholise ngempela. |
| portrayal | noun | the depiction of something | According to the Leroux children, Kannemeyer's portrayal of Etienne Leroux's life is particularly accurate. | ukuvezwa | noun | ukuveza okuthile | Ngokuvumelana nezingane zikaLeroux, ukuvezwa kokuphila kukaEtienne Leroux nguKannemeyer kunembile kakhulu. |
| pose | verb | to create or state a problem which has to be dealt with in a certain way | Shift work and working long hours pose great problems for employees and employers. | dala | verb | ukwenza noma ukusho inkinga okufanele ukuba kubhekwane nayo ngendlela ethile. | Ukusebenza amashifuthi kanye nokusebenza amahora amade engeziwe kwenza izinkinga ezinkulu kubaqashi nakubasebenzi. |
| pose | verb | to ask a question | This chapter discusses the research questions posed. | buza | verb | ukubuza umbuzo. | Lesi sahluka sikhuluma ngemibuzo yocwaningo ebuziwe. |
| pose | verb | to create or state a problem which has to be dealt with in a certain way. | Shift work and working long hours pose great problems for employees and employers. | bangela | verb | ukudala noma ukubonisa inkinga okufanele isingathwe ngandlela thize | Umsebenzi wamahora athile ngisho nokusebenza amahora amade kakhulu kubangela izinkinga kubasebenzi nabaqashi. |
| pose | verb | to ask | This chapter discusses the research questions posed. | phakamisa | verb | ukubuza | Lesi sihloko sisingatha imibuzo yocwaningo ephakanyisiwe. |
| posit | verb | to suggest that something is true so that it can be used as the basis for an argument | He posits that learning is motivated by imagination, meaningful opportunities and communication with others. | beka | verb | ukusho ukuthi into ethile iyiqiniso ukuze isetshenziswe njengesizinda senkulumongxoxo. | Ubeka ngokuthi ukufunda kugqugquzelwa ukucabanga ngokuthila kanye namathuba okuveza okuthile kanye nokuxhumana nabanye. |
| positive | adjective | good and encouraging | There are positive signs that she will recover. | okuhle | adj | okuza kahle noma okusebenzayo. | Kunezimpawu ezinhle zokuthi yena uzosinda. |
| positive | adj | indicating support or agreement | The new curriculum has received positive response from academic departments. | okuvumayo | adj | okubonisa ukweseka noma ukuvumelana. | Le kharikhulamu entsha ithole izimpendulo ezivumayo ezivela eminyangweni yokufunda. |
| positive | adj | sure or certain of something | He was positive that he had paid the electricity bill. | okunesiqiniseko | adj | ukungabi nongabazane ngento ethile. | Wayenesiqiniseko sokuthi nakanjani wayesikhokhele isikweletu sikagesi. |
| positive | adjective | good and supportive | The new curriculum has received positive response from academic departments. | | | | |
| positivism | noun | school of thought which sees knowledge and meaning as objective and therefore free from the social influence of context | Critical theory departs form positivism by taking into account cultural and social conditions which necessarily influence interpretation. | i-positivism | noun | umbono wokuthi yonke imiqondo yesizinda senkolo iwumbhedo ongenakufakazelwa nokuthi ikhululekile ethonyeni lezenhlalakahle | Imfundiso yokuhlaziya ivela kumbono wokuthi yonke imiqondo iwumbhedo ngokucabangela izimo ezingokwesiko nezomphakathi ngokuvamile okuthonya incazelo. |
| positivistic | adjective | according to the principles of positivism | Teachers who accept only one answer in all cases as correct are positivistic in their approach. | i-positivistic | adjective | ngokuvumelana nezimiso ze-positivism | Abafundisi abamukela impendulo eyodwa kuphela njengelungile kuzo zonke izimo babonisa isimo sobu-positivism. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| possible | adj | that can be done or achieved | It is now possible to digitise visual images, text, sound and even touch, and disseminate information encoded in these modes via computers. | okungenzeka | adj | lokho okungenziwa noma okungazuzwa. | Njengamanje kuyinto esingenzeka ukuthi kuthathwe izithombe ezibukwayo, imibhalo, umsindo ngisho nokuthinta imbala ukuthi kuhlelwe ngohlelo lwedijithali bese kusatshalaliswa kungulwazi oludijithali kusetshenziswa amakhompyutha. |
| possible | adjective | that can be done or achieved | I believe it is possible to have fun and be cool and also to be responsible, sensitive and tactful. | ngenzeka | adjective | okungenzeka noma kufinyelelwe | Ngikhokhelwa ukuthi kungenzeka ukuthi uzijabulise futhi uthandeke kodwa futhi ube umuntu onesibopho, ozwelayo futhi onokuqonda. |
| post-structuralism | noun | Intellectual movement in France in the 1960's and 1970's as a criticism of the structural basis on which structuralism studies and explains human culture | To a great extent the literature on post-structuralism has been dominated by philosophers and modern language theorists. | i-post-structuralism | noun | Inhlangano yezazi yaseFrance yangawo-1960 nawo-1970 eyayigxeka isisekelo sokwakheka kobuntu ngocwaningo lwe-structuralism futhi nokuchaza isiko lomuntu | Ngokwezinga elikhulu izincwadi ze-post-structuralisim ziye zabuswa abafilosofi ngisho nezazi zezimfundiso zolimi lwesimanje. |
| post-structuralist | adjective | according to the theory of post-structuralism | The post-structuralist views of writers such as Derrida, Foucault and Deleuze have strongly antagonised the more traditional scholars and caused repercussions especially in the world of literary criticism. | i-post-structuralist | adjective | ngokuvumelana nemfundiso ye-post-structuralisim | Imibono ye-post-structuralist yababhali abafana noDerrida, uFoucault noDeleuze iye yaphikisa ngokunamandla izazi eziningi zezemfundo futhi yabangela imiphumela engemihle ikakhulukazi emhlabeni ogxeka indlela yokubhalwa. |
| postmodernism | noun | school of thought in the arts, philosophy, religion, technology and a variety of other fields that arose after and deviated from various 20th century movements representing modernism, and which are characterised by nonfundamentalist, more accommodating views | To a great extent the literature on postmodernism has been dominated by philosophers and modern language theorists. | imiphumela yezinto zesimanje | noun | umbono wobuciko, ifilosofi, inkolo, ubuchwepheshe kanye neminye imikhakha ehlukahlukene eyavela ngokuhamba kwesikhathi futhi waphambuka nezinhlangano zemikhulu yeminyaka yama-20 ezazimelela izinto zesimanje, futhi ezichazwa ngemibono engeyona eyobufundementali, futhi esekelayo | Ngokwezinga elikhulu izincwadi ezimayelana nezinto zesimanje ziye zabuswa abafilosofi nezazi zemibono bolimi lwesimanje. |
| postmodernist | adjective | according to postmodern theory | If you think truth is relative because it is determined by social, historical and cultural contexts, you think in a postmodernist way. | imiphumela yezinto zesimanje | adjective | ngokwemfundiso yemiphumela yezinto zesimanje | Uma ucabanga ukuthi iqiniso liyindaba yokuzinqumela ngoba lichazwa ngemongo yezenhlalakahle, yezomlando ngisho neyezesiko, ucabanga ngendlela yemiphumela yesimanje. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| postulate | verb | to suggest that something is true so that it can be used as the basis for an argument | Researchers postulate that a big comet killed the dinosaurs. | ukusho into ethile | verb | ukubeka umbono ukuthi into ethile iyiqiniso ukuthi ingasetshenziswa impela nje njengesizinda somqondo othile. | Abacwaningi uma besho bathi kwaba yinkanyezi enkulu enomsila eyalalisa intulo enkulu. |
| postulate | noun | proposition suggesting the existence or truth of something as the basis for reasoning | Offe challenges the postulate of an organised capitalism. | sikisela | noun | isiphakamiso esisikisela ukuba khona noma iqiniso lokuthile njengesisekelo sokubonisana | U-Offe ubekela inselele ukusikisela kokuhweba okuhleliwe |
| postulate | verb | to make a statement | MacMillan (2019: 445) postulates that violence often occurs in well-to-do households. | sikisela | verb | yenza isitatimende | UMacMillan (2019:445) usikisela ukuthi ngokuvamile udlame luvela emindenini enothile. |
| potential | adj | that can develop into something | The increase of malaria is a potential threat to Sub-Saharan Africa. | okungase kwenzeke | adj | okusuke kungathuthukiswa kube yinto ethile. | Ukwenyuka kumalaleveva kuyinto engase ibeke engcupheni impela imazansi nezwekazi lase-Afrika. |
| potential | noun | the possibility of something developing in a certain way. | When he killed his pet, it became clear that had a potential for violence. | okusemathubeni okwenzeka | noun | amathuba okuthi into ethile yenzeke ngenye indlela. | Wathi uma ebulala ikati lakhe, kwavele kwacaca nje ukuthi umuntu osemathubeni okuthi angaba nodlame. |
| potential | noun | the possibility of something developing in a certain way | When he killed his pet, it became clear that he had a potential for violence. | okungenzeka | noun | okungase kwenzeke ukuthi okuthile kwenzeke ngandlela thile | Lapho ebulala isilwane sakhe, kwaba sobala ukuthi wayengumuntu onodlame. |
| practical | adjective, adverb | taking concrete solutions into consideration | A practical solution to poverty is employment and training. | okusebenzayo | adjective, adverb | ukucabangela izixazululo ezisebenzayo | Isixazululo esisebenzayo sobumpofu ukuveza amathuba emisebenzi nokuqeqesha. |
| practice | noun | way of doing something | The old doctor wants his daughter to take over his practice when he retires. | umsebenzi | noun | indlela yokwenza okuthile. | Udokotela osekhulile ufisa ukuthi kube yindodakazi yakhe ezoqhubeka nomsebenzi wokuba wudokotela uma yena esethathe umhlalaphansi. |
| practice | noun | way of doing something | The scientific practice requires the same kind of dedication with which good athletes practice their sport. | phrakthiza | noun | indlela yokwenza okuthile | Ukuphrakthiza kwezesayensi kudinga ukuzimisela okufanayo njengakwabasubathi abaphrakthiza imidlalo yabo. |
| practice | noun | a professional business | The old doctor wants his daughter to take over his practice when he retires. | | | | |
| practice | noun | usual way of doing something | Lobola is a common practice in Africa. | umkhuba | noun | indlela evamile yokwenza izinto | Ilobola liwumkhuba ovamile e-Afrika. |
| practise | verb | to do something regularly as part of your normal behaviour | The strongest religions practised in the Caribbean today include Christianity and African religious survivals. | buyekeza | verb | ukwenza into njalo nje njengengxenye yokuziphatha okwejwayelekile. | Izinkonzo ezinamandla ezibuyekezwa kwiCaribbean namhlanje zifaka phakathi eyobuKrestu kanye nezinkolo zase-Afrika. |
| practise | verb | to do something regularly as part of your normal behaviour | Mohamed took us to small artists' village where this unique art form is practised. | phrakthiza | verb | ukwenza okuthile njalo njengengxenye yokuziphatha kwakho okuvamile | UMohamed wasiyisa esigodini esincane lapho kwakuphrakthizwa khona uhlobo lobuciko obuyingqayizivele. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| practise | verb | to specialise in something | Practicing scientific research requires the same kind of dedication with which good athletes practice their sport. | phrakthiza | verb | ukuba ingcweti yokuthile | Ukuphrakthiza ucwaningo lwezesayensi kudinga ukuzimisela okufanayo njengakwabasubathi abaphrakthiza imidlalo yabo. |
| practise | verb | to apply theories in a practical way | Some doctors practice while others do medical research. | yenza kusebenze | verb | ukusebenzisa ngokoqobo imibono | Abanye odokotela benza kusebenze kuyilapho abanye beqhuba ucwaningo lokwelashwa. |
| practitioner | noun | someone who works in a learned profession, such as medicine or law | She was treated by a medical practitioner. | umsebenzi | noun | umuntu mumbe osebenza umsebenzi osezingeni eliphezulu nelikhokhelwayo, njengokusebenza emkhakheni wezokwelapha noma wezomthetho. | Welashwa ngumsebenzi wezempilo. |
| pragmatic | adj | sensible and practical rather than theoretical or idealistic | A pragmatic approach to problem-solving is an American philosophical tradition centred on the linking of practice and theory. | okubuswa umqondo othile | adj | okunomqondo futhi okuqondile hhayi okucatshangelwayo. | Indlela ebuswa wumqondo othile yokusombulula izinkinga yisiko laseMelika elixhuma ukwenza kanye nethiyori. |
| pragmatic | adjective, adverb | in a practical way | The pragmatic politician thinks practically if she warns against the consequences of decisions in the everyday life of the community. | nekhono | adjective, adverb | ngendlela enekhono | Usopolotiki ucabanga ngendlela enekhono lapho exwayisa ngemiphumela yezinqumo zokuphila kwansuku zonke emphakathini. |
| pragmatism | noun | school of thought that finds the meaning of concepts in their practical applicability to situations | Pragmatism should be thoroughly considered by politicians when making promises to voters. | ukucabanga | noun | imfundiso ethola incazelo yemibono ekusebenzeni kwayo kwangempela ezimweni | Ukucabanga kufanele kucatshangelwe kakhulu osopolitiki lapho benza izithembiso kulabo ababavotelayo. |
| pragmatist | noun | a person who is guided by practical considerations, more than by ideas | The pragmatist tries to solve a problem by looking at what can be done that is practically possible and feasible. | umcabangeli | noun | umuntu oqondiswa ukucabangela okungokoqobo, esikhundleni semibono | Umuntu oqondiswa ukucabangela okungokoqobo uzama ukuxazulula inkinga ngokubheka lokho okungenziwa okungasebenza futhi okungaphumelela. |
| precede | verb | be earlier in time than | The main research project was preceded by a pilot study. | landelwa | verb | ukufika ngaphambi kwesikhathi ukunokunye. | Uphenyo olukhulu lwalandelwa ucwaningo lokuhlola. |
| precede | verb | be earlier in time than | A five-year study period in America preceded his current study in South Africa. | landulela | verb | okwandulelayo | Inkathi yeminyaka emihlanu e-Amerika yandulela ucwaningo lwakhe lwamanje eNingizimu Afrika. |
| precedence | noun | the condition of being considered more important than somebody or something else, and therefore should be dealt with first | A tax law meaning takes precedence over other internal law meanings. | okuhamba phambili | noun | isimo sokuthathwa njengokubaluleke kakhulu ukwedlula omunye umuntu noma enye into nokusho ukuthi kusuke kufanele ukuthi kubhekwane nakho kuqala. | Umqondo womthetho wentela ungohamba phambili ukwedlula eminye imithetho yangaphakathi. |
| precedence | noun | state of being more important to do than other things | We urge them not to allow greed to take precedence over fairness. | kuqala | noun | isimo sokuthi kube okubalulekile kokwenziwa kuqala kunezinye izinto | Sibaxwayisa ukuthi bangavumeli ubugovu ukuthi buze kuqala kunobulungisa. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| preceding | adjective | coming before something else | You must also describe the preceding events and not just the current crisis. | yandulelalyo | adjective | okuza kuqala kunokuthile | Kufanele futhi uchaze izenzakalo ezandulelayo hhayi nje inkinga yamanje kuphela. |
| precious | adjective | of great value | I consider loyalty to be a precious trait in a friendship. | gugu | adjective | okwenani eliphezulu | Ngibheka ukwethembeka njengesici esiyigugu ebunganeni. |
| precipitate | verb | to cause something to happen too soon | He precipitated the staffing crisis by resigning from his job. | phulukundlelisa | verb | ukwenza into ethile ukuthi yenzeke ngokushesha okukhulu noma ngokuphazima kweso. | Waphulukundlelisa izinkinga zabasebenzi ngokuthi avele ashiye phansi umsebenzi wakhe. |
| precipitate | adj | done too soon or carelessly | Your decision to drop the mathematics module was precipitate - you will regret it later. | okunokutatazela | adj | okwenziwe ngokushesha okukhulu noma ngokunganaki | Isinqumo sakho sokuthi uyishiye phansi imojule yezibalo saba wukutatazela impela nje – futhi uzozisola ngalesi sinqumo ngelinye ilanga. |
| precipitate | verb | to make something serious happen suddenly | What is disturbing is that this confrontation could precipitate campus unrest. | bangela | verb | ukubangela ukuthi into engathi sina yenzeke ngokushesha | Okuphazamisayo ukuthi le mpikiswano ingase ibangele isinxushunxushu ekhampasi. |
| precise | adj | exact, accurate or clearly delimited | Definitions of concepts need to be precise. | ncamashi | adj | okunembayo noma okuqonde kahle ukuthi kuyaphi. | Izincazelo zamagama athile aqondene nesifundo esithile kufanele ukuthi zishaye khona ncamashi. |
| predict | verb | to tell in advance | Good reading habits in adolescents are predicted by early exposure to print materials. | qagela | verb | ukusho into ingakenzeki. | Imikhuba emihle yokufunda kubantu abasha iqagelwa kusesekuseni ngokuthi basheshe bathole izinto ezibhalwe phansi okumele bazifunde. |
| predict | verb | to tell in advance | We cannot predict what is going to happen. | bikezela | verb | ukusho kusengaphambilini | Asikwazi ukubikezela lokho okuzokwenzeka |
| predominant | adj | having superior power and influence | Death is the predominant theme of the poem. | okukhulu | adj | okunamandla angaphezulu kanye nomthelela omkhulu. | Ukufa sengathi yiyona ngqikithi enkulu kule nkondlo. |
| predominant | adjective | for the most part | The response of the students to the lecture was predominantly positive. | velele | adjective | ngokwengxenye enkulu | Ukusabela kwabafundi kumfundisi kwakukuhle ngokuvelele. |
| predominant | adjective | more noticeable or important than anything else | Death is the predominant theme of the poem. | | | | |
| prejudice | noun | an unreasonable dislike of someone or something, especially when it is based on race, religion, gender, etc. | Laws against racial prejudice must be strictly enforced. | ingcindezi | noun | ukungamthandisisi nje omunye umuntu ikakhulukazi uma lokho kwenziwa ukuthi kususelwa kuhlanga oluthile, kwinkolo ethile, kubulili obuthile, njll. | Imithetho emelene nengcindezi ebhekiswe kwabezinhlanga ezithile kufanele isebenze idlale indima yayo kuleli. |
| prejudiced | adjective | having its origin in an unreasonable dislike of someone or something, especially when it is based on race, religion, gender, etc. | People who hold a prejudiced view of dissidents show a lack of objective thinking. | ubandlulo | adjective | ukungathandi othile noma into ethile, ikakhulukazi ngokususelwe kuhlanga, inkolo, ubulili, njjl. | Abantu abanombono wobandlulo wabaphikisi babonisa ukucabanga ngokungakhethi. |
| preliminary | adj | preceding or in preparation for something more important | The athlete did well in the preliminary races, but lost the main race. | isendlalelo | adj | okwenzeka ngaphambilini noma ukulungiselela into enkulu kakhulu ezayo. | Umgjimi lowo wenza kahle kakhulu kwimijaho eyisendlalelo, kodwa wehlulwa emjahweni omkhulu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| preliminary | noun | an event which happens before something more important and which often prepares for the later event | You may not sit for the exam unless you have taken part in the preliminaries. | into eyenzeka ngaphambilini | noun | lesi yisigameko esenzeka ngaphambi kokuba into ethile ebaluleke kakhulu yenzeke kanti futhi imvamisa isuke ilungiselela yona kanye leyo nto ephambili ezokwenzeka ngokuhamba kwesikhathi. | Angeke uvunyelwe ukuba uzobhala izivivinyo zakho uma ungazange ubambe iqhaza kwimicikilisho yangaphambilini yokulungiselela ukubhala. |
| preliminary | noun | an exam that precedes a more important exam, often in preparation for it | You may not sit for the exam unless you have taken part in the preliminaries. | | | | |
| premise | noun | an idea which forms the basis of an argument | Our law system is based on the premise that you are innocent until proven guilty. | umqondo | noun | umqondo ovame ukuthi ube wumongo wenkulumompikiswano. | Uhlelo lomthetho wethu lususelwe emqondweni wokuthi awunacala yize usuboshiwe kuze kuba ufunyanwa yinkantolo unecala. |
| premise | verb | to make a statement that you accept as true and to use this idea to develop other ideas | He premised his argument on the idea that all genders are equal. | beka ngokucacile | verb | ukwenza isitatimende osemukela njengesiyiqiniso kanye nokusebenzisa lo mqondo ukuthuthukisa eminye imiqondo. | Wakubeka ngokucacile kwinkulumompikiswano yakhe ukuthi bonke ubulili buyalingana. |
| premise | noun | a proposition from which another proposition is inferred or follows as a conclusion | A conclusion follows a premise. | isisekelo | noun | isiphakamiso sokucatshangelwa kokuthile noma esilandela isiphetho | Isiphetho silandela isiphakamiso. |
| preponderance | noun | that which carries most weight with someone | The preponderance of opinion lies with the moderate thinkers. | ukubaluleka | noun | okunesisindo esikhulu kunothile | Ukubaluleka kombono kuncike kubacabangi abalinganiselayo. |
| preposition | noun | a word, usually before a noun, that shows the position or state of something (in, under, of, by, with). | The preposition “in” in “The book is in the library” shows location. | undaweni | noun | leli yigama isikhathi esiningi esiNgisini elivame ukuthi libe ngaphambi kwebizo, nelibonisa indawo noma isimo sento ethile (ku, ngaphansi, kwe, ne, nge). | Undaweni ongu “ise-” kumusho othi “Incwadi isemtapweni wolwazi” ukhombisa indawo lapho incwadi ikhona. |
| preposition | noun | a word that shows the position of something or indicates a relationship between two referents in a sentence | In the sentence The book is in the library, the preposition (in) shows location. | isabizwana | noun | igama elibonisa isimo sokuthile noma elibonisa ubudlelwano phakathi kwezinkomba ezimbili emshweni | Esimweni sokuthi Incwadi isemtapweni wezincwadi, isabizwana (ise) sibonisa indawo. |
| present | verb | deliver something like a speech | She presents her paper convincingly. | kwethula | verb | ukunikeza okuthile okufana nenkulumo | Wethula inkulumo yakhe ngokukholisayo. |
| presentation | noun | the delivering of something like a speech or a paper | The student’s presentation was particularly convincing as she supported her statements with examples that were illustrated through computer graphics. | isethulo | noun | ukwethula okuthile njengenkulumo noma ingxoxo | Isethulo somfundi sasikholisa kakhulu ngoba wasekela izitatimende zakhe ngezibonelo ezaboniswa ngemifanekiso yekhompuyutha. |
| prestige | noun | the respect and importance earned by an organisation or person for things they have done | Her career as a writer has brought her immeasurable prestige. | ukuphakanyelwa | noun | inhlonipho kanye nokubaluleka okutholwa yinhlangano noma ngumuntu ngezinto asuke ezenzile. | Umsebenzi wakhe njengombhali usumlethele ukuphakanyelwa okuyisimangaliso. |
| prestige | noun | respect and importance earned for things done | Her career as a writer has brought her prestige. | udumo | noun | inhlonipho nodumo olutholwa ngalokho okwenzile | Umsebenzi wakhe njengombhali wamnikeza udumo. |
| presume | verb | take to be the case or to be true | I presume that you are still coming to the party. | thatha ngokuthi | verb | okuthatha njengokuba kunjalo noma okuthatha ngokuthi kuyiqiniso. | Ngithatha ukuthi useza-ke njalo emcimbini. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| presume | verb | to suppose that something exists or is true although it is not yet proven | Since she has already published two articles it is presumed that she is able to complete her PhD. | thatha ngokuthi | verb | ukucabangela ukuthi into ethile ikhona noma iyiqiniso yize bungekho ubufakazi obukhona obuchaza lokho. | Njengoba eseshicilele imibhalo emibili nje kucatshangelwa ukuthi usengakwazi ukufunda aqedele izifundo zakhe zeziqu ze-PhD. |
| prevail | verb | to continue to exist although it may be difficult | Belief in magic prevails in some parts of the country. | hamba phambili | verb | ukuqhubeka nokuphila yize kunzima kunjalo. | Inkolelo kwizinto zemilingo kuseyinto ehamba phambili kwezinye izingxenye zaleli lizwe. |
| prevail | verb | to exist at a particular time in a particular place | Different conceptions of death and disease have prevailed during different periods of history. | hlaluka | verb | ukuphila ngesikhathi esithile futhi endaweni ethile. | Kuye kwahluluka imiqondo eyahlukene mayelana nokufa kanye nezifo okwenzeke ezikhathini eziningi emalandweni yabo. |
| prevail | verb | be common or exist | Recent visitors may have noticed the pristine environment and safe, friendly atmosphere that now prevails there. | vama | verb | ukuvama noma ukuba khona | Kungenzeka ukuthi izivakashi zakamuva ziye zaqaphela indawo ecwebile nephephile, kanye nomoya othulile ovamile lapho. |
| previous | adj | preceding something else in time or order | The previous chapter was about the human skeleton. | okwedlule | adj | okwenzeke ngaphambi kwesikhathi noma ngaphambi kohlelo oluthile. | Isahluko esedlule bese sikhuluma ngomzimba womuntu. |
| primary | adj | first in rank, importance or value | A primary cause of infant mortality is lack of clean water. | okunqala | adj | okokuqala kwizinga lokubaluleka noma ngokwenani. | Isizathu esinqala sokufa kwabantwana abazelwe ukungabibikho kwamanzi ahlanzekile. |
| prime | adj | most basic or important | Smoking is the prime cause of lung cancer. | okukhulu | adj | okubaluleke ukukwedlula konke; okuyisizinda esiyisisekelo. | Ukubhema yimbangela enkulu yomdlavuza wamaphaphu. |
| principal | adj | most important | The principal component of natural gas is methane. | okukhulu | adj | okubaluleke kakhulu; okuyinhloko. | Isikhathi esikhulu kwigesi yemvelo yi-methane. |
| principle | noun | a law, rule or theory on which something is based | Gravity is one of the basic principles of physics. | umgomo | noun | umthetho, noma ithiyori into ethile esuselwe kuyo. | Umgomo wokuthi into uma uyiphosa phezulu kufanele igcine ibuye phansi ngeminye yemigomo eyisisekelo se-physics. |
| principle | noun | in general | In principle, we could soon enjoy holidays on the moon. | ngokuvamile | noun | lilonke nje. | Lilonke nje, maduzane nje sizobe sesithokozela amaholidi enyangeni. |
| principled | adjective | said of a person who shows recognition of right and wrong | Our philosophy professor is a principled man who does not deviate from his life principles. | nezimiso | adjective | umuntu obonisa ukwazi phakathi kokulungile nokungalungile | UProfesa wethu wefilosofi uyindoda enezimiso engaphambuki ezimisweni zokuphila kwakhe. |
| prior | adj | earlier in time | He had prior knowledge of the fraud. | ngaphambilini | adj | isikhathi sangaphambili. | Wayenalo ulwazi ngaphambilini lokukhwabanisa okwakuzokwenzeka. |
| prioritise | verb | to put in order of importance | You must prioritise your activities, otherwise you will neglect your studies. | yenza kuze okubalulekile | verb | ukwenza kube okuza kuqala | Kufanele wenze imisebenzi yakho ize kuqala, kungenjalo ngeke unake izifundo zakho. |
| priority | noun | the status determined on the basis of importance or urgency | Writing support remains a low priority at some universities. | okubekwa phambili | noun | isimo esahlulelwa ngokubaluleka kwaso noma ngokuphuthuma kwaso. | Ukweseka ukubhala ngenye yezinto ezingabekiwe phambili kakhulu kwamanye amanyunivesi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| priority | noun | the thing that you think is most important | The welfare of our children is our main concern, and their best interests are our first priority. | okubalulekile | noun | into ocabanga ukuthi ibaluleke kakhulu | Inhlalakahle yezingane zethu yinto esiyikhathalela kakhulu, futhi izithakazelo zazo yizo ezibaluleke kakhulu kithi. |
| probable | adj | likely to happen or to be true | It is probable that different results will be obtained, since the soil conditions were different. | kusengenzeka | adj | okunamathuba okuthi kungenzeka noma kungaba yiqiniso. | Kusengenzeka ukuthi kutholakala imiphumela eyahlukene engefani, ngoba izimo zomhlabathi nazo kanjalo azefani. |
| probably | adverb | almost certain, as far as one knows | Domestic violence probably also occurs in affluent households. | cishe | adverb | cishe kungaba njalo, ngokwazi komuntu | Cishe ubudlova basekhaya buvela futhi ngisho nasemindenini enothile. |
| problem | noun | something that is regarded as bad or harmful | Our main problem today is unemployment. | inkinga | noun | into ebhekwa njengembi noma eyingozi | Inkinga yethu eyinhloko ukuntuleka kwemisebenzi. |
| problematic | adjective | causing problems, or difficult to solve | It is extremely problematic if students commit plagiarism because it impairs the integrity of the academic world. | kunenkinga | adjective | kubangela izinkinga, noma kunzima ukukuxazulula | Kuyinkinga enkulu kakhulu uma abafundi bekopela ngoba kuthonya ubuqotho bomhlaba wezemfundo. |
| problematise | verb | cause problems or make something even more complicated | The high unemployment rate further problematises the crime situation. | yenza kube inkinga | verb | ukubangela izinkinga noma ukwenza ukuthi into ixake nakakhulu | Isilinganiso esiphezulu sokuntuleka kwemisebenzi sibangela inkinga enkulu nakakhulu esimweni sobugebengu. |
| proceed | verb | to move ahead | You have obtained four out of five at this level, and may proceed to the next level of the program. | qhubeka | verb | ukuqonda phambili. | Kulesi sigaba uthole amaphuzu amane kwamahlanu obungawathola, kanti lokho kusho ukuthi usungaqhubekela esigabeni esilandelayo salolu hlelo. |
| process | noun | a series of actions that are taken to achieve a particular result | Writing as a process involve planning, writing, revising and editing. | uhlelo | noun | uchungechunge lwezinto ezenziwayo ukuze kufezekiswe umphumela othile. | Ukubhala nje kukodwa njengohlelo kufaka phakathi ukuhlela, ukubhala, ukubuyekeza kanye nobheka amaphutha. |
| process | noun | a series of actions taken towards a specific goal | Writing is a dynamic intellectual process of writing and rewriting until you know readers will understand your text. | inqubo | noun | uchungengechunge lwezenzo ezithathwayo mayelana nomgomo othile | Ukubhala kuyinqubo engokwengqondo enamandla yokubhala uphinde ubhale futhi kuze kube yilapho wazi ukuthi abafundi bazowuqonda umbhalo wakho. |
| process | noun | as a series of steps in order to achieve a particular outcome | Researchers who treat their research as a process take longer to complete their degree. | inqubo | noun | uchungechunge lwezinyathelo ukuze kufinyelelwe umphumela othile | Abacwaningi abaphatha ucwaningo lwabo njengenqubo bathatha isikhathi eside ukuphothula isiqu sabo. |
| process | verb | to put information into a computer in order to use it | Statistics South Africa process a large amount of data annually. | dlulisa | verb | ukufaka ulwazi oluthile kwikhompyutha ukuze ulusebenzise. | I-Statistics South Africa yedlulisa ulwazi lwedatha oluningi kakhulu minyaka yonke. |
| procure | verb | to get or obtain | You need to procure the services of a lawyer to handle the dispute. | qasha | verb | ukuthola. | Kuzodingeka ukuthi uqashe ummeli kube nguyena ozobheka lolu daba lwakho. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| produce | verb | to make or deliver | Academics must produce a number of academic articles annually to advance their careers. | khiqiza | verb | ukwenza noma ukunikeza | Abafundi kufanele bakhiqize izihloko ezithile zezemfundo minyaka yonke ukuze bathuthuke emsebenzini wabo. |
| product | noun | end result of something made or produced | The product of her years of research was a brilliant thesis. | umkhiqizo | noun | umphumela wokuthile okwenziwe noma okukhiqiziwe | Umkhiqizo weminyaka yakhe yocwaningo kwakumbhalo omuhle kakhulu wokuthola iziqu zasenyuvesi. |
| productive | adjective | able to produce large amounts of food, crops, goods, etc. | From her four articles this year, one can see that she was academically productive. | khiqizayo | adjective | ukukhiqiza inani elikhulu lokudla, izitshalo, impahla, njjl. | Kuya ngezihloko zakhe zalo nyaka, umuntu angabona ukuthi ngempela kade ekhiqiza kahle ngokwezemfundo. |
| professional | noun | someone who works in a job for which special training is necessary | It is not difficult to see that the carpentry was done by a professional. | umuntu onokuqeqeshwa okuthile | noun | okuxhumene nomsebenzi othile lapho kudingeka khona ukuqeqeshwa okuthile okuyisipesheli. | Akukho nzima ukubona ukuthi lezi zitulo zazakhiwa ngumbazi oqeqeshiwe. |
| professional | adj | suitable for somebody working in a particular profession | The company is looking to recruit young professional people. | oqeqeshiwe | adj | okuqondene nomuntu osebenza umsebenzi othile. | Inkampani ifuna ukuqasha abantu abasha abanokuqeqeshwa okuthile. |
| professional | adjective | working in and specifically trained for a particular profession | The company is looking to recruit young professional people. | uchwepheshe | adjective | ukusebenza noma oqeqeshelwe umsebenzi othile | Inkampani ifuna ukuqasha abantu abasebasha abangochwepheshe. |
| profound | adjective | demonstrating great knowledge or insight | I understand most of dr. Van Jaarsveld's lectures in spite of their profound nature, because he explains concepts so clearly. | julile | adjective | ukuba nolwazi olunzulu | Ngiyaziqonda izifundo eziningi zikaDkt. Van Jaarsveld nakuba zijule kakhulu, ngoba ucacisa kahle imibono yakhe. |
| profound | adjective | involving intense or deep emotion | It is often difficult for the hasty reader to read a profound argument and truly understand it. | julile | adjective | okuhlanganisa umzwelo onamandla noma ojulile | Ngokuvamile kunzima ngomfundi osheshayo ukuthi afunde ingxoxo ejulile bese eyiqondisisa kahle. |
| profundity | noun | great knowledge and deep penetration into ideas | It was an event filled with profundity. | ubuhlakani | noun | ulwazi olunzulu nokujula emibonweni | Kwakuyisenzakalo esasinobuhlakani obukhulu. |
| profundity | noun | a matter of great depth and intensity | It is a challenge for speedy readers to understand the profundity of certain literary texts, because it is time consuming to read them with thought and attention. | ukujula | noun | udaba olujulile futhi olunamandla | Kuyinselele ngabafundi abasheshayo ukuthi baqonde imibhalo ethile ejulile, ngoba kuthatha isikhathi ukuyifunda ngokuyicabangela ngisho nangokunaka. |
| progress | noun | the process of going forward or developing | During the study's progress certain limitations and obstacles became evident. | ukuqhubeka | noun | uhlelo lokuqhubeka kuyiwe phambili. | Njengoba ucwaningo lwaluqhubeka nje, kunezimo ezithile eziyimikhawulo kanye nezingqinamba ezaqala zacaca bha. |
| progression | noun | the process of moving gradually to a more advanced state | The progression in the student's performance is reflected by her improving marks. | inqubekela-phambili | noun | inqubo yokuqhubekela phambili esimweni esithuthukile | Inqubekela-phambili emsebenzini womfundi iboniswa amaphuzu wakhe athuthukayo. |
| progressive | adjective, adverb | developing in stages | There was a progressive improvement in the student's marks. | qhubekela phambili | adjective, adverb | ukuthuthuka ngezigaba | Kwaba khona intuthuko eqhubekayo emaphuzwini womfundi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| prohibit | verb | to forbid | Smoking is prohibited in most restaurants. | ukungavumeli | verb | ukunqaba. | Ukubhema akuvunyelwe ezindaweni zokudlela eziningi. |
| project | verb | a planned undertaking or an expectation that something will happen | The business projected that its profits would increase by 20% in the next year. | veza | verb | ukuzibophezela okuthile okuhleliwe noma ukulindela ukuthi into ethile ingahle yenzeke. | Ibhizinisi liye laveza ukuthi izinzuzo zalo zizokhula ngo-20% kulo nyaka ozayo. |
| project | noun | an important and carefully planned piece of work | He has three projects to complete for Accounting 101. | iprojekthi | noun | umsebenzi obalulekil nohlelwe kahle kunesikhathi. | Lowo unamaprojekthi amathathu okufanele awenze awaqede ezifundweni zakhe ze-Accounting 101. |
| project | verb | to plan or calculate what will happen | The business projected that its profits would increase by 20 percent in the next year. | bikezela | verb | ukuhlela noma ukulinganisela lokho okuzokwenzeka | Ibhizinisi labikezela ukuthi inzuzo yayo yayizokwanda ngephesenti elingama-20 ngonyaka ozayo. |
| promote | verb | to contribute to the progress or growth of | He used his influence to promote Liberal views in his native country. | khuthaza | verb | ukubamba iqhaza kwinqubekelaphambili nome ekukhuleni kwento ethile. | Wasebenzisa amandla akhe anawo ukukhuthaza imibono yakhe engancengi ezweni lapho adabuka khona. |
| promote | verb | to move to a higher rank or position | She was promoted to head of department. | khushulwa | verb | ukwenyukela esikhundleni esingaphezulu. | Wakhushulelwa esikhundleni sokuthi abe ngumphathi walowo mnyango. |
| proof | noun | information that shows that something is true | The documents are proof that he committed fraud. | ubufakazi | noun | ulwazi olubonisa ukuthi into ethile iliqiniso. | Lawa madokhumenti awubufakazi bokuthi wenza icala lokukhwabanisa |
| propagate | verb | to spread a belief or piece of information | The missionaries propagated their religion in Africa. | fundisa | verb | ukusabalalisa inkolelo ethile noma ulwazi oluthile. | Abefundisi bafundisa ngenkolo yabo e-Afrika. |
| propagate | verb | to spread a particular opinion or specific information | The missionaries propagated their religion in Africa. | sabalalisa | verb | ukusabalalisa umbono noma ulwazi oluthile | Izithunywa zevangeli zasabalalisa inkolelo yazo e-Afrika. |
| propensity | noun | a tendency to behave in a certain way | Children who grow up in dysfunctional homes may have a propensity to violence. | ukuthanda | noun | ukuthanda ukuziphatha ngendlela ethile. | Abantwana abakhulela emakhaya angasebenzi kahle kungenzeka bathande ukuba nodlame uma sebekhulile. |
| proportion | noun | part of a whole | A small proportion of the earth's volcanoes is active. | isimo sendawo | noun | ingxenye yokugcwele. | Indawo ethile nje encane yomlilo wequbula esasebenza namanje. |
| proportion | noun | the relationship of one thing to another in size, amount or number | Your mark will improve in proportion to the amount of effort you put in. | ngobungako | noun | ubudlelwano obufanele/obungafanele benye into kwenye into ngokosayizi,ngokwenani noma ngokwenombolo. | Amaphuzu akho ozowathola azothi ukukhuphuka kuye ngomzamo nawe ozobe uwufakile lapho. |
| proportion | noun | the comparative relation to the whole | The man has a harmonic physique, because his torso is in harmonious proportion to his lower body. | isilinganiso | noun | ukuhlobana kokuqhathanisa nokuphelele | Owesilisa ume ngendlela ehambisanayo, ngoba isifuba sakhe silingana nomzimba wakhe ongezansi. |
| proportion | noun | the comparative relation to the whole | The proportions of the building made it look strange. | isilinganiso | noun | ukuhlobana kokuqhathanisa nokuphelele | Izilinganiso zesakhiwo zenza ukuthi sibukeke kabi. |
| proposal | noun | usually a formal or written suggestion or plan | Everyone gratefully accepted the chairman's proposal that the committee adjourn for lunch. | isisikiselo | noun | ngokuvamile uhlelo noma isisikiselo esibhaliwe | Wonke umuntu wamukela ngomusa isiphakamiso sikasihlalo sokuthi ikomidi lithathe ikhefu lesidlo sasemini. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| propose | verb | to make a suggestion, usually formally or in writing | The chairman proposes that the committee adjourn for lunch because everyone is hungry. | sikisela | verb | ukwenza ukusikisela, ngokuvamile ngendlela ebhaliwe | Usihlalo usikisela ukuthi ikomidi lithathe ikhefu lesidlo sasemini ngoba wonke umuntu ulambile. |
| proposed | adjective | what is suggested | The committee members immediately carried out the chair's proposed action. | sikiselwe | adjective | lokho okusikiselwe | Amalungu wekomidi afeza ngokushesha isenzo sikasihlalo esisikiselwe. |
| prospect | noun | the possibility of future success | There is no immediate prospect to increase research productivity. | ithuba | noun | ithuba lokuthi kusengaba nempumelelo ngomuso. | Alikho ithuba elikhona njengamanje lokuthi kungakhushulwa umkhiqizo wophenyo. |
| protocol | noun | the accepted ways of doing things under certain formal circumstances | According to her research protocol she is using a mixed methods approach. | iphrothokholi | noun | indlela eyamukelekile yokwenza izinto ngaphansi kwezimo ezisemthethweni. | Ngokusho kwephrothokholi yocwaningo lwakhe usebenzisa indlela yezindlela ezixubile. |
| provable | adjective | that can be proven | The purpose of science is to test a hypothesis to see if it is provable. | ngafakazeka | adjective | okungafakazelwa | Injongo yesayensi ukuhlola umbono ukubona ukuthi ungafakazeka yini. |
| prove | verb | to provide evidence that something is true | He proved that sucrose is not more detrimental than fructose in diabetic patients. | bonisa | verb | ukunikeza ubufakazi bokuthi into ethile iyiqiniso. | Wabonisa ukuthi uhlobo lukashukela okuthiwa yi-sucrose alusiyona ingozi ukwedlula lolu okuthiwa yi-fructose kwiziguli ezinesifo sikashukela. |
| proven | adjective | having been shown to be true | The validity of his theory relies on newly proven facts. | fakazelwe | adjective | okuboniswe njengokuyiqiniso | Ukuba iqiniso kombono wakhe kuncike emaqinisweni asanda kufakazelwa. |
| provide | verb | give or make available | The textbooks provided do not meet the needs of the students. | nikeza | verb | nikeza noma yenza kutholakale | Izincwadi zesikole ezinikeziwe azihlangabezani nezidingo zabafundi. |
| publication | noun | the act of issuing printed materials | A good publication record can give an applicant a definite advantage over co-applicants. | ushicilelo | noun | isenzo sokukhipha izinto eziphrintiwe | Irekhodi elihle lokushicilelwe linganika lowo ofaka isicelo ubuhle ukwedlula abanye afaka nabo isicelo. |
| publication | noun | the act of making something known to the public | Government have a new publication on the actual crime statistics for the country. | ushicilelo | noun | isenzo sokwenza into ukuthi yaziwe ngumphakathi. | Uhulumeni unoshicilelo olusha lwezinombolo ezibonisa izenzo zangempela zobugebengu kuleli lizwe. |
| publication | noun | the act or process of editing, printing and distributing a text or texts | The research comes shortly after the publication of a book on South African emigration patterns. | ukushicilela | noun | isenzo noma inqubo yokuhlela, ukuphrinta nokusabalalisa umbhalo noma imibhalo | Ucwaningo lwalandela ngokushesha nje ngemva kokushicilelwa kwencwadi emayelana nezindlela zokuthuthela kwelinye izwe zaseNingizimu Afrika. |
| publication | noun | the act of making something known to the public | The proceedings followed the publication of a government report on the local film and television industry. | ukushicilela | noun | ukwenza okuthile kwaziwe emphakathini | Izinqubo zalandela ukushicilelwa kombiko kahulumeni omayelana nefilimu lasendaweni kanye nomkhakha kamabonakude. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| publication | noun | something that comes from the press into the public domain | The publication was compiled by the training and development officer. | isinyatheliso | noun | okuthile okuvela kwabezindaba okwenzeka kutholakale emphakathini | Isinyatheliso sahlelwa ngumphathi wokuqeqesha nokuthuthukisa. |
| publish | verb | to prepare and issue for public distribution or sale | She found someone to publish her poems. | shicilela | verb | ukulungiseela kanye nokukhiphela emphakathini into ethile ukuthi isatshalaliswe noma ithengiswe. | Leyo ntombi yagcina imtholile umuntu owayezoshicilela izinkondlo zayo. |
| publish | verb | to prepare and issue a text for public distribution or sale | She found someone to publish her poems. | shicilela | verb | ukulungiselela nokukhipha umbhalo ukuze usatshalaliswe emphakathini noma uthengiswe | Wathola othile owayezoshicilela izinkondlo zakhe. |
| purchase | noun | something obtained by paying money for it | The laptop was a necessary purchase. | okuthengwayo | noun | Yinto ethile etholakala ngokuyikhokhela imali. | Ikhompyutha eyi-laptop yinto ethengwayo eyayifanele. |
| purchase | verb | to get something by paying money for it. | Since the firm has been noted on the stock market employees may purchase shares in it. | thenga | verb | ukuthola into ethile ngokuthi uyikhokhele imali. | Kusukela ifemu selokhu ibhalisiwe kwindawo ethengisa amasheya, nabasbenzi bayo sebengakwazi manje ukuzithengela amasheya kuyona. |
| purchase | verb | to get something by paying money for it | They just signed an offer to purchase the house. | thenga | verb | ukuthola okuthile ngokukukhokhela | Basanda kusayinda isivumelwano sokuthenga indlu. |
| purport | verb | to assume to be the case | The letter purports to be an original document. | ukuzishaya sengathi | verb | ukucabangela ukuthi kungenzeka ukuba kunjalo. | Le ncwadi izishaya sengathi iyidokhumenti engungqo. |
| purport | verb | to claim to be the case | He purports to speak on behalf of the residents. | ukwenza sengathi | verb | ukwenza sengathi kunjalo | Wenza sengathi ukhulumela abahlali. |
| purpose | noun | ultimate goal or objective | The purpose of her medical studies is to become a successful pediatrician. | injongo | noun | umgomo oyinhloko noma inhloso | Injongo yocwaningo lwakhe lokwelashwa ukuba ngudokotela wabantwana oqavile. |
| purposeful | adjective | with a specific purpose or goal in mind | One can see from the purposeful way in which she studies that she wants to pass with distinction at the end of the year. | ngokwenjongo | adjective | okunenjongo noma umgomo ethile engqondweni | Umuntu ubona endleleni enenjongo atadisha ngayo ukuthi ngempela ufuna ukuphumelela ngamalengiso ekupheleni konyaka. |
| pursue | verb | to try to achieve something over a period of time | The government pursued a policy of equality. | landelela | verb | ukuzama ukuthola into ethile ngemuva kwesikhathi esithile. | Uhulumeni walandelela inqubomgomo yokulingana. |
| pursue | verb | to try to achieve something over a period of time | With guidance and support, she pursues her dreams. | phishekela | verb | ukuzama ukufinyelela okuthile ngokuhamba kwesikhathi | Ngesiqondiso kanye nosekelo, uphishekela amaphupho wakhe. |
| purview | noun | purpose or tendency | Religious people love books with a religious purview. | injongo | noun | injongo noma ukuthambekela | Abantu bezenkolo bathanda izincwadi ezinenjongo engokwenkolo. |
| qualification | noun | an extra piece of information that limits that which has been said, written or believed before | She welcomed the proposal without qualification. | ukulungiswa | noun | ulwazi oluthile olubeka umkhawulo kulokho okushiwo, okubhaliwe noma okukade kukholelwa | Wamukela isisikiselo ngaphandle kokulungiswa. |
| qualification | noun | limiting of the meaning of a word or statement to make it less general | The statement requires qualification. | ukulungiswa | noun | ukukhawulela incazelo yegama noma isitatimende ukukwenza kungabi okuvamile kakhulu | Isitatimende sidinga ukulungiswa. |
| qualification | noun | an exam you have passed, skills or experience that make you able to do a specific job | The student was not honest about his qualifications. | isiqu | noun | ukuphumelela esivivinyweni, amakhono noma ulwazi olukwenza ukuthi ukwazi ukwenza umsebenzi othile | Umfundi akazange athembeke ngeziqu zakhe. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| qualify | verb | to add something to a previous statement to make the meaning clearer | He felt compelled to qualify his answer. | sekela | verb | ukwengeza okuthile kwisitatimende saphambilini ukuze wenze umqondo waso ucace. | Wazizwa ephoqelekile ukuthi ayesekele impendulo yakhe. |
| qualify | verb | to supply more information | The adjective qualifies the noun. | sekela | verb | ukunikeza ulwazi olwengeziwe | Isiphawulo sisekela ibizo. |
| qualify | verb | to support with more detail, evidence or examples | Certain statements will have to be qualified to make the argument stronger. | sekela | verb | ukusekela ngolwazi, ubufakazi noma izibonelo ezengeziwe. | Izitatimende ezithile kuzodingeka ukuthi zisekelwe ukuze zenze ingxoxo enamandla. |
| qualify | verb | to pass an examination or be successful in a sports competition so that you can continue to the next stage or be able to do a particular job | Her father qualified as a teacher 28 years ago. | faneleka | verb | ukuphumelela esivivinyweni noma ukuphumelela emncintiswaneni wezemidlalo ukuze uqhubekele esigabeni esilandelayo noma ukuze ukwazi ukwenza umsebenzi othile | Ubaba wafaneleka ukuba nguthisha eminyakeni engama-28 edlule. |
| qualifying | adjective | which describes something in more detail | The adjective stands in a qualifying relation to the noun. | chazayo | adjective | okuchaza kabanzi okuthile | Isiphawulo sibonisa ubudlelwano ngokuchaza kabanzi ibizo. |
| qualitative | adj | which measures the quality rather than the quantity of something | Open-ended questions were used to collect qualitative data. | okuyikhwalithi | adj | okuqondene nokukala ikhwalithi yento ethile noma yokuqonda into ethile, hhayi ukuthi ingakanani noma iningi kangakanani. | Imibuzo enezimpendulo ezivulelekile yayisetshenziselwa ukuqoqa ulwazi oluyikhwalithi. |
| qualitative | adjective | that is researched or analysed by describing its quality | Qualitative research focuses on the experimental process and the influence of context on data. | ikhwalithi | adjective | okucwaningiwe noma okuhlaziyiwe ngokuchaza ikhwalithi yakho | Ucwaningo lwekhwalithi lugxila enqubeni yokuhlola kanye nethonya lomongo wedatha. |
| quality | noun | a standard, measured against other things | The quality of her research is the product of expertise and dedication. | ikhwalithi | noun | isimiso, okuthile okulinganiselwa ngaso | Ikhwalithi yocwaningo lwakhe ingumkhiqizo yokuba nolwazi olunzulu nokuzimisela. |
| quantitative | adjective | that can be researched or analysed by means of measurement | Data that can be analysed numerically and mathematically are quantitative in nature. | ngobuningi | adjective | okungacwaningwa noma kuhlaziywe ngokukalwa | Idatha engahlaziywa ngokwezinombolo nangokwezibalo inohlobo lobuningi. |
| quantity | noun | measurable quantity | In the last few years, growth has been deliberately limited so that the focus can be on quality rather than quantity. | ubuningi | noun | ukukala ubuningi | Eminyakeni embalwa edlule, ukukhula kuye kwakhawulelwa ngamabomu ukuze kugxilwe ngokukhethekile ekhwalithini esikhundleni sobuningi. |
| question | verb | to ask questions, often in official or academic context | Einstein seriously questioned Niels Bohr’s quantum theory early in the 20th century, because he did not believe in its validity. | umbuzo | verb | ukubuza imibuzo, ngokuvamile kumongo wezemfundo. | U-Einstein wabuza nge-quantum theory kaNiels Bohr ekuqaleni kwamakhulu weminyaka yama-20 ngoba wayengakukholwa ukuba iqiniso kwakho. |
| questioning | noun | the critical process of asking questions | Niels Bohr refuted Einstein’s questioning of his quantum theory at the large gathering of scientists in 1927 by providing evidence for each and every one of Einstein’s questions. | ukubuza | noun | inqubo ebucayi yokubuza imibuzo | UNiel Bohr waphikisa ukubuza ka-Einstein nge-quantum theory yakhe emhlanganweni omkhulu wososayensi ngo-1927 ngokunikeza ubufakazi bemibuzo ngayinye ka-Einstein. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| quotation | noun | words from another person, which somebody uses in their own writing or speech, with an indication of the source | When you want to use quotations in a text that you are writing, the sources of such quotations should be properly acknowledged. | amazwi acashuniwe | noun | amagama avela komunye umuntu, asetshenziswa ngomunye umuntu embhalwe wakhe noma enkulumweni yakhe, kodwa bese ekhombisa ukuthi lawo magama avela kumuphi umthombo. | Uma ufuna ukusebenzisa amazwi acashuniwe embhalweni owubhalayo, imithombo lapho usuke uthathe khona lawo mazwi acashuniwe kusuke kumele uyisho ngendlela efanele. |
| quote | verb | to use what somebody else has said or written in your writing or speech | He quoted from a reputable source to give his own writing more credibility. | caphuna | verb | ukusebenzisa lokho okuye kwashiwo noma kwabhalwa omunye umuntu embhalweni wakho noma enkulumweni yakiho. | Waye wacaphuna amagama athile emthonjeni othembekile ukuze enze umbhalo wakhe ukholakale kakhulu. |
| quoted | adjective | taken from another text without changing anything | Quoted words must be enclosed in quotation marks. | cashuniwe | adjective | kucashuniwe komunye umbhalo ngaphandle kokushintsha lutho | Amagama acashuniwe kufanele abhalwe ngezimpawu zokuphawula. |
| radical | adj | new and different; likely to have a strong effect | He had a radical change of mind. | okunamandla | adj | okusha futhi okwehlukile; okusengenzeka ukuthi kube nomthelela onamandla. | Wavele nje waba nokushintsha komqondo okunamandla. |
| radical | adj | in favour of drastic political change | During those days his progressive views were regarded to be radical. | okubeleselayo | adj | okweseka izinguquko ngokubeleselayo kwezepolitiki. | Ngalezo zikhathi imibono yakhe enenqubekela phambili yayithathwa ngokuthi ingebeleselayo. |
| radical | adjective | new and different, and likely to have a strong effect | It's tempting to make radical changes in many areas of your life. | khulu | adjective | okusha nokwehlukile, futhi okungase kube nomthelela onamandla | Kuyaheha ukwenza izinguquko ezinkulu ezindaweni eziningi zokuphila kwakho. |
| radical | noun | someone who holds radical views | Religious radicals stormed into the cathedral and overturned the sculptures of saints. | isikhwishikhwishi | noun | umuntu onemibono ebelesela ngokunamandla. | Izikhwishikhwishi zezenkolo zavele zatheleka esontweni nje zafika zaphendula zonke izichuse zabezenkolo khona lapho. |
| random | adj | selecting in a way that gives all possible choices an equal chance | He used a random sample of 1500 housewives to determine their opinions on waste separation in the home. | ngokungaqondile | adj | ukukhetha ngendlela enikeza bonke abantu ukuthi bakhethe ngendlela elinganayo. | Wasebenzisa isampula elingaqondile lomama abahlala ekhaya abayi-1500 ukuthola imibono yabo mayelana nokwehlukaniswa kwemfucuza ekhaya. |
| random | adj | without an order or plan | When the fluid was heated, molecules start moving randomly. | ngokungahleliwe | adj | okungenalo uhlelo olumile. | Kwathi lapho uketshezi seluqala selushisa, amamolekhule avele aqale anyakaza futhi ahamba ngokungahleliwe. |
| random | adj | in a way that all possible choices have an equal chance of being considered | The findings are based on a random sample survey of 1 450 registered voters in South Africa. | ngokungahleliwe | adj | ngendlela ebonisa ukuthi zonke izinqumo ebezingenziwa zinethuba elifanayo lokuthi zingabhekwa kulokho okwenziwayo. | Le miphumela yalolu cwaningo isuselwe kwisampula ebelingahleliwe locwaningo olwenziwe kubavoti ababhalisile baseNingizimu Afrika abayi-1450 nokuwucwaningo olwenziwe kusukela mhla zingama-23 kuya kumhla zingama-30 kuJuni 2015. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| random | adjective | chosen in such a way that all possible choices have an equal chance | He used a random sample of 1 500 housewives to determine their opinions on waste separation in the home. | ngahleliwe | adjective | ukukhetha ngendlela efana nokuphonsa uhlamvu lwemali | Wasebenzisa isampula elingahleliwe labesifazane abangasebenzi abayi-1 500 ukuthola imibono yabo ngokuhlukanisa udoti ekhaya. |
| random | adjective, adverb | without a plan or logical order | The accumulation of random facts often occurs in assignments. | ngahleliwe | adjective, adverb | ngaphandle kohlelo noma indlela enengqondo | Ukutholwa kwamaqiniso angahleliwe ngokuvamile kuba khona ezabelweni. |
| randomness | noun | state of being without a logical order or plan | The randomness of statements without motivation is one reason why students fail in their assignments. | ukungahlelwa | noun | isimo sokungabi nokuhleleka okuthile noma uhlelo | Izitatimende ezingahleliwe ezingenazo izisekelo ngesinye sezizathu ezenza ukuthi abafundi bangaphumeleli ezabelweni zabo. |
| range | noun | all sorts of things of the same general kind | The software package has a range of applications in quantity surveying. | inxanxathela | noun | izinto eziningi ezithile eziyikilasi noma uhlobo oluthile. | Amaphakeji ezinto zokusebenza ngekhompyutha anezinto eziningi eziyizinxanxathela zokusebenza kwizinto ezikhuluma nge-quantity surveying. |
| range | noun | the limits within which something varies | The age range of the participants is between 18 and 21. | ubungako | noun | imikhawulo into ethile esuke ingehluka khona. | Ubungako beminyaka yobudala yababambiqhaza iphakathi kweminyaka eyi-18 kanye nengama-21. |
| range | verb | to vary between two specific limits | Prices range between R5 000 and R7 000. | yehlukana | verb | ukwehlukana phakathi kwemikhawulo ethile emibili eqondile. | Amanani ehlukene phakathi kuka-R500 kanye no-R700. |
| range | verb | to cover a number of topics | His interests range from mechanics to fishing. | sukela | verb | ukubheka inqwaba yezihloko. | Izinto azithandayo kusukela kwezobukhenikha ukuya kwezokudoba. |
| range | noun | the limits within which something varies | He is going to talk to the education department to see how schools can be involved in a series of competitions from poster design to songwriting. | ububanzi | noun | umkhawulo okuthile okwehluke ngawo | Uzokhuluma nomnyango wezemfundo ukubona ukuthi izikole zingahlanganiswa kanjani ochungeni lwemincintiswano yokuklama iphosta kuya ekubhaleni ingoma. |
| range | verb | to cover a number of things in addition to those mentioned | Her interests range from mechanics to fishing. | hlanganisa | verb | ukuhlanganisa izinto ezimbalwa ngaphezu kwalezo eziphawuliwe | Izithakazelo zakhe zisuka kwezamakhemikhali kuya ekudobeni. |
| rated | adjective | categorised according to quality | The rated tennis players are all within the top ten of the country. | linganiselwe | adjective | kulinganiselwe kuya ngekhwalithi | Abadlali bethenisi abalinganiselwe bonke baphakathi kwabayishumi abaphezulu ezweni lonke. |
| ratio | noun | relationship between two things which represents by how much the one is larger than the other | The student/teacher ratio at the university is 22 to 1. | ubungako | noun | ubudlelwano phakathi kwezinto ezimbili nobumele ukuthi enye inkulu kangakani kunenye. | Ubungako phakathi kwabafundi nothisha enyunivesi bumi ku: 22 ku 1. |
| ratio | noun | a relationship between two amounts | The ratio of 32 learners per teacher was finalised after consultations with teacher unions and school governing body organisations. | isilinganiso | noun | ubudlelwano phakathi kwamanani amabili | Isilinganiso sabafundi abangama-32 sothisha ngamunye safezwa ngemva kokuxoxisana neyunyani yothisha kanye nezinhlangano zebhodi elibusayo lesikole. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| rational | adj | based on or using reason | Faced with the increased tax, many business owners will make the rational decision to spend their profits rather than reinvest. | okunengqondo | adj | okususelwe kwisizathu esithile. | Ngenxa yokuthi abanikazi bamabhizinisi abaningi bebebhekene nengwadla yentela ephezulu, bagcine sebethathe isinqumo esinengqondo sokuthi imali eyinzuzo abayitholayo bayisebenzise ukusenoma bayitshale futhi. |
| rational | adjective | based on or using reason | We are waiting for a rational explanation of the peculiar legislation. | okunengqondo | adjective | okususelwe noma ukusebenzisa ukuqonda | Silindele incazelo enengqondo yomthetho-sisekelo odidayo. |
| rational | adjective | based on or using reason | We must make decisions that are rational and in our own best interests. | okunengqondo | adjective | okususelwe noma ukusebenzisa ukuqonda | Kufanele senze izinqumo ezinengqondo futhi ezizozuzisa thina. |
| rational | adjective | based on or using reason | Please think twice about this, and then make a rational decision. | okunengqondo | adjective | okususelwe noma ukusebenzisa ukuqonda | Sicela ucabange kabili ngalokhu, bese wenza isinqumo esinengqondo. |
| rationalisation | noun | act or process of rationalising | People often use the psychological trick of rationalisation as a defense mechanism to justify their poor behaviour through simplified arguments. | ukuzithethelela | noun | isenzo noma inqubo yokwenza kube nengqondo | Ngokuvamile abantu basebenzisa isu elingokwengqondo lokubonisa ukuqonda njengendlela yokuzivikela ukuthethelela ukuziphatha kwabo okubi besebenzisa izingxoxo ezilula. |
| rationalisation | noun | giving reasons for one's behaviour that makes the action taken sound logical, but that have been made up after the fact | He offers all sorts of rationalisations for his strange behaviour. | ukuzithethelela | noun | ukunikeza izizathu zokuziphatha kwakho okwenza ukuthi leso senzo sizwakale sinengqondo, kodwa ezenziwe ngemva kweqiniso | Unikeza zonke izinhlobo zokuzithethelela kokuziphatha kwakhe okuxakile. |
| rationalisation | noun | the process of making a company or industry more efficient, especially by laying off staff | A spokesperson confirmed the company was proceeding with a rationalisation plan but said retrenchment figures had not been finalised. | ukudiliza | noun | inqubo yokwenza ukuthi inkampani noma umkhakha uphumelele nakakhulu, ikakhulukazi ngokudiliza abasebenzi | Umkhulumeli waqinisekisa ukuthi inkampani yayiqhubeka nokudiliza kodwa wathi inani labantu abazodilizwa lalingakaqinisekiswa. |
| rationalise | verb | give a rational explanation or justification | Hitler’s re-occupation of the Ruhr area was a calculated decision, therefore historians can rationalise it. | hlaziya | verb | ukunikeza noma ukuzithethelela | Ukuthatha kabusha kwendawo yaseRuhr kukaHitler kwakuyisinqumo esicatshangelwe, ngokho-ke izazi-mlando zingakwazi ukukuhlaziya. |
| rationalise | verb | cut spending and reduce jobs by layoffs | The government now has to rationalise and cut public service posts, because the country can clearly not afford the salary bill of public servants. | diliza | verb | ukunciphisa izindleko nokudiliza abantu | Manje uhulumeni kudingeka ukuthi anciphise izindleko futhi amise ukuqasha, ngoba kusobala ukuthi inkampani ayikwazi ukukhokhela abasebenzi bakahulumeni. |
| rationalised | adjective | that has been placed into the sphere of reason or logic | His rationalised arguments didn’t fool anyone, because everyone knew what was really happening. | kunengqondo | adjective | okucatshangisisiswe kahle | Izingxoxo zakhe ezinengqondo azizange zikholise abantu, ngoba wonke umuntu wayazi ukuthi yini eyayenzeka ngempela. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| rationalism | noun | any school of thought that overestimates the role of reason in the acquisition of knowledge | It is actually incomprehensible that people living in a so-called postmodern time still fall back into the rationalism of two centuries ago. | ukucabanga okunengqondo | noun | noma yimuphi umbono ocekela phansi indima yokubonisana ekutholeni ulwazi | Empeleni akuqondakali ukuthi abantu abaphila enkathini yemiphumela yesikhathi samanje basabuyela emuva ekucabangeni okunengqondo kwamakhulu amabili eminyaka edlule. |
| rationalist | adjective | too strongly focused on the reasonable at the expense of the spiritual | A rationalistic approach to problem solving denies the equally valid role that emotions, intuition, sensuality and imagination can play within human reasoning. | ocabanga ngokunengqondo | adjective | ukugxila ngokunamandla emqondweni esikhundleni sokungokomoya | Indlela yokucabanga ngokunengqondo yokuxazulula izinkinga iphikisa ngokuphelele indima edlalwa imizwelo, umuzwa, ukukhanga nomcabango ekubonisaneni kwabantu. |
| react | verb | to show a response to something | When the rich believe the poor will revolt, they react by trying to impose draconian restrictions. | ukwenza okuthile ngemuva kwesehlo esithile | verb | Ukubonisa impendulo kwinto noma entweni ethile. | Uma abantu abacebile bekholwa ukuthi abantu abeswele bazovuka umbhejazane, bavele bezame ukwethula imithetho eqine kakhulu . |
| react | verb | to respond in a particular way | Students usually react positively to an enthusiastic lecturer. | sabela | verb | ukusabela ngendlela ethile | Ngokuvamile abafundi basabela kahle kumfundisi onomdlandla. |
| reaction | noun | action in response to something | It is evident from the students' positive reaction that they enjoyed the lecture. | ukusabela | noun | ukusabela kokuthile | Kubonakala endleleni yokusabela okuhle kwabafundi ukuthi basijabulela ngempela isifundo sabo. |
| realisation | noun | achievement of something that has been anticipated or looked forward to | For her the graduation ceremony was the realisation of her dream. | feza | noun | ukufeza okuthile obekulindelwe noma obekubhekwe phambili kukho | Kuye umkhosi wokuthola iziqu kwakuwukufeza amaphupho wakhe. |
| realise | verb | to become aware of a particular situation or a fact | In his publications of twenty years later he realized that he had made an over generalisation. | bona | verb | ukwazi isimo esithile noma iqiniso elithile. | Kwimibhalo yakhe ngokuhamba kwesikhathi ngemuva kweminyaka engamashumi amabili wabona ukuthi wenza isitatimende esibopha ngabhande linye. |
| realise | verb | to become aware of a particular situation or a fact | Twenty years later he realised that he had made a mistake. | qaphela | verb | ukuqaphela isimo noma iqiniso elithile | Ngemuva kweminyaka engamashumi amabili waqaphela ukuthi wayenze iphutha. |
| realise | verb | to understand something with insight | She eventually realised that her actions had been wrong. | qaphela | verb | ukuba nolwazi ngokuthile ngokuqonda | Ekugcineni waqaphela ukuthi izenzo zakhe kade zingalungile. |
| realise | verb | to achieve something that has been anticipated or looked forward to | After eight years of dedicated study, she realised her dream of a doctorate in Physics. | feza | verb | ukufinyelela okuthile obekulindelwe noma obekubhekwe phambili kukho | Ngemva kweminyaka eyisishiyagalombili sokufunda kwakhe ngokuzimisela, wafeza iphupho lakhe lokuba neziqu Kwezesayensi. |
| reason | verb | to judge a situation, based on evidence provided in a logical way | They reasoned that increased consumption had the potential to improve the economy. | ahlulela | verb | ukujaja isimo, ukususela ebufakazini obuhlinzekwe ngendlela ephusile. | Bahlulela ngokuthi ukusebenzisa kakhulu izinto ezifana nalezo kunamandla okuthi kungawukhulisa umnotho. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| reason | noun | explanation for something | There are good reasons for learning a second language. | isizathu | noun | incazelo noma isizathu sento ethile eyenzekile. | Kunezizathu ezinhle zokuthi umuntu afunde ulimi lwesibili azokwazi ukulukhuluma. |
| reason | noun | the ability of the mind to form opinions and understand arguments | Human reason has the power to change society. | ingqondo | noun | amandla omqondo ukukwazi ukuzenzela imibono kanye nokuqonda izinkulumompikiswano. | Ingqondo yomuntu inamandla okushintsha umphakathi. |
| reason | noun | explanation or justification for something | We are still waiting for an explanation of the reasons behind the strange law so that we can understand why it was accepted. | isizathu | noun | ukuchaza noma ukuthethelela okuthile | Sisalinde incazelo yezizathu zomthetho odidayo ukuze siqonde ukuthi kungani wamukelwa. |
| reason | noun | explanation or justification | Her argument contains sufficient reasons to convince her listeners. | isizathu | noun | incazelo noma ukuthethelela | Ingxoxo yakhe inezizathu ezanele zokukholisa abalandeli bakhe. |
| reason | verb | to judge a situation, based on evidence provided in a logical way. | They reason that increased consumption has the potential to improve the economy. | isizathu | verb | ukwahlulela isimo, kuya ngobufakazi obunikezwe ngendlela enengqondo | Isizathu esandisa ukusetshenziswa singase sisize ukuthuthukisa izwe. |
| reason | verb | to state your point of view with your logical mind | She reasoned logically so that everyone could easily follow her point of view. | bonisana | verb | ukubonisa umbono wakho ngokunengqondo | Wabonisana ngokunengqondo ukuze bonke abantu balandele kalula umbono wakhe. |
| reasoning | noun | the way in which a point of view is argued | Her reasoning convinced her listeners. | ukubonisana | noun | indlela umbono ovezwa ngayo | Ukubonisana kwakhe kwakholisa abalaleli bakhe. |
| recommend | verb | to tell someone that something will be suitable for a particular purpose | A friend recommended this hotel. | ncoma | verb | ukutshela omunye umuntu ukuthi into ethile izofaneleka kwisizathu esithile. | Umngani oye wancoma leli hhotela. |
| recommend | verb | to tell someone that something will be suitable for a particular purpose | The lecturer recommends Combrink's book on paragraph writing. | tusa | verb | ukutshela omunye umuntu okuthi okuthile kuzofanela injongo ethile | Umfundisi utusa incwadi kaCombrink yokubhala izigaba. |
| recommendation | noun | the proposal that something will be suitable for a particular purpose | Most students pay attention to the lecturer's recommendations on which books to read. | ukutuswa | noun | ukutuswa kokuthile okuzofanela injongo ethile | Abafundi abaningi balandela ukutuswa komfundisi wabo ngokuthi yiziphi izincwadi abangazifunda. |
| recommended | adjective | advised as suitable for a particular purpose | The students find the recommended book useful. | tusiwe | adjective | iseluleko esifanele injongo ethile | Abafundi babheka incwadi etusiwe njengewusizo. |
| reconcile | verb | to neutralise and accommodate contradictions | You cannot reconcile the divergent political views of Socialism and Communism. | buyisana | verb | ukuqeda noma nokwamukela izimpikiswano | Ngeke ukwazi ukubuyisana ngemibono yezepolitiki ehlukene Yesimiso Sokusebenzela Uhulumeni nobuKhomanisi. |
| recount | verb | to tell an experience in the order that the events took place | The opening chapters of the book recount the glories of the monarch and the loyalty of his people. | zeka | verb | ukusho into ethile ngokulandelana ngendlela izinto ezenzeka ngayo. | Izahluko zokuvula kule ncwadi zezeka ngobuhle besakhiwo sobukhosi kanye nokwethembeka kwenkosi kubantu bayo. |
| recount | noun | a chronological account of an event or a series of events | In his autobiography he gives a recount of the circumstances that lead to his deportation. | umzekelo | noun | ukulandelana kwezigameko noma kwesehlo esithile noma kochungechunge lwezehlo. | Kwincwadi yakhe ayibhalile emayelana nempilo yakhe unikeza ngomzekelo wezigameko ezaholela ekutheni abuyiselwe kwelakubo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| recover | verb | to return to the normal state after some difficulty | He is still recovering from a stroke. | lulama | verb | ukubuyela esimweni esejwayelekile ngemuva kwesikhathi esinzinyana. | Namanje usalulama kwisifo sohlangothi ebesimlalise phansi. |
| recover | verb | to get back the same amount of money that you originally spent or that somebody owed you | The retailer has to charge more to recover the costs of the renovation. | buyisela | verb | ukuthola inani elifanayo lemali oye walisebenzisa phambilini ekuqaleni noma umuntu othile akukweleta lona. | Isitolo kumele siwabize imali eyengeziwe amakhasimende aso ukuze sikwazi ukubuyisela izimali ezisetshenziselwe ukusilungisa. |
| recur | adj | to happen again | Guilt and pride are recurring themes in his work. | okuphindekayo | adj | ukwenzeka futhi. | Uma ufundisisa kahle umsebenzi wakhe uzobona ukuthi ukuzisola kanye nokugqaja yizona zingqikithi ezidamane ziphindeka. |
| recur | verb | to happen again | No-one can say that such a flood or a greater one may not recur next month, next year or next decade. | kwenzeka futhi | verb | ukwenzeka futhi | Akekho ongathi isiphepho esinjalo noma esedlula leso ngeke sibe khona enyangeni, onyakeni noma eminyakeni eyishumi ezayo. |
| recurring | adjective | happening again | Guilt and pride are recurring themes in his work. | ukwenzeka futhi | adjective | ukwenzeka futhi | Ukuzisola nokuzidla kuyizihloko eziphindayo emsebenzi wakhe. |
| refer | verb | to send something to someone with more authority or knowledge | The case has been referred to the High Court. | dlulisa/dlulisela | verb | ukuthumela into ethile kumuntu othile onamandla noma onolwazi olungaphezu kwalolo wena onalo. | Icala seledluliselwe Enkantolo Ephakeme. |
| refer | verb | to acknowledge a source | The written sources that he refers to in his thesis are somewhat dated. | khomba | verb | ukwazisa umthombo othile osetshenzisiwe. | Imithombo ebhalwe phansi ayikhombayo embhalweni wakhe wokuthola iziqu kubukeka sengathi isithanda ukuba mdala kodwa. |
| refer | verb | to consult another section of the same source or another source to find information | I would like to refer you to page 88. | thumela | verb | ukubheka esinye isigaba somthombo ofanayo ukuthi uthole ulwazi | Ngizothanda ukukuthumela kwikhasi lama-88. |
| refer | verb | to mention an author or a text | Even if you write about an author's views in your own words, you still have to refer to the author and source text you consulted. | bhekisa | verb | ukubhekisa kumbhalli noma umbhalo | Ngisho noma ubhala ngemibono yombhali ngamazwi wakho, kusafanele ubhekisele kumbhali nombhalo womthombo owubhekile. |
| reference | noun | a thing you say or write that mentions a person or a source | I found the reference to Stanley's book in my colleague's latest article. | inkombo | noun | into oyishoyo noma oyibhalayo ephawula umuntu noma umthombo | Ngathola inkombo yencwadi kaStanley esihlokweni sakamuva salowo engisebenza naye. |
| reference | noun | a thing you say or write that mentions a person or a source | The list of references was cross-checked with the sources cited in the body of the dissertation. | ireferensi | noun | into oyishoyo noma oyibhalayo esho umuntu noma umthombo othile. | Uhlu lwamareferensi lwahlolwa ngokubheka izincwadi ezisetshenzisiwe ngaphakathi emabhalweni womqingo. |
| reference book | noun | a book that can be consulted for information on specific matters | The lecturer keeps the reference book on reserve in the library. | incwadi yenkombo | noun | incwadi engabhekwa ukuze kutholwe ulwazi ngezindaba ezithile | Umfundisi ugcina incwadi yenkombo emtapweni wezincwadi. |
| referenced | adjective | obtained by consulting a text | The referenced source that so impresses my colleague is already outdated. | kuyinkombo | adjective | kutholakale ngokubheka umbhalo | Umthombo oyinkombo ojabulisa engisebenza naye usuphelelwe isikhathi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| refine | verb | to make something, such as a theory, better by making changes to it | The database is refined to remember previous searches and to combine those with new searches. | coyisisa | verb | ukwenza into ethile, efana nomqondo othile ibe ngcono ngokwenza izinguquko kuyo. | Inqolobane yemibhalo iyaye bese iyacoyisiswa ukuze kukhunjulwe ukuphenya okuye kwenziwa kuyo phambilini bese kuhlanganiswa lokho kuphenya nokuphenya okusha. |
| reflect | verb | to think carefully and deeply about something | The introductory chapter critically reflects on the pros and cons of the neoliberal university. | bukisisa | verb | ukucabanga ngokucophelela kanye nangokujula mayelana nento ethile. | Isahluko esiyisethulo sibukisisa kabanzi ubuhle nobubi benyunivesi engumaziphathe lapho yonke into imahhala khona. |
| reflect | verb | to express expectations, perceptions and feelings about an experience | In their essays students had to reflect on their experiences gained during a visit to a frail care centre. | bonisa | verb | ukubeka lokho okulindelekile, imibono kany nemizwa mayelana nalokho umuntu adlule kukho. | Kuma-eseyi abo abafundi kwakufanele ukuthi babonise lokho abakuzuzile ngenkathi bevakashele esikhungweni sokunakekelwa kwalabo ababuthaka ngokwempilo. |
| reflect | verb | to think carefully and deeply about something | A prudent person reflects before making decisions about his future. | zindla | verb | ukucabangisisa futhi ngokujulile ngokuthile | Umuntu ohlakaniphile uzindla kuqala ngaphambi kokwenza izinqumo ngokuphila kwakhe. |
| reflection | noun | the action of thinking carefully and deply about something | Reflection is not only the outstanding characteristic of the philosopher but also of the true student. | ukuzindla | noun | isenzo sokucabangisisa futhi ngokujulile ngokuthile | Ukuzindla akusona nje isici esibalulekile somfilosofi kodwa futhi nesomfundi oqotho. |
| reflection | noun | the action of making use of the intellect and thinking about something | Without reflection as a process of inner inquiry we are equal to the animal that lives purely on instinct. | ukuzindla | noun | isenzo sokusebenzisa ngokuhlakanipha nokucabanga ngokuthile | Ngaphandle kokuzindla njengenqubo ezenzakalayo yangaphakathi komuntu sifana nje nezilwane eziphila kuya ngesazela sazo. |
| reflective | adjective | thinking carefully and deeply about something | The reflective person tries to think critically about his own actions. | zindla | adjective | ukucabangisisa futhi ngokujulile ngento ethile | Umuntu ocabangisisayo uzama ukucabanga ngokuhluzekile ngezenzo zakhe. |
| reform | noun | a change made to a system in order to make it better | The economic reforms meant that more jobs were available. | uguquko | noun | ushintsho olwenzeka kwinto ethile ukuze yenziwe ibe ngcono. | Izinguquko kwezomnotho zazisho ukuthi kuzoba namathuba emisebenzi amaningi. |
| reform | verb | to make something better | South Africa reformed its educational system again to focus not only on outcomes, but also on the process. | shintsha | verb | ukwenza into ibe ngcono. | INingizimu Afrika yaphinda yalushintsha uhlelo lwayo lwemfundo ukuze lungagxili nje kuphela ekubhekeni imiphumela, kodwa ibheke nohlelo ngokunjalo. |
| refutable | adjective | proof that a theory or statement is wrong | His theory is easily refutable. | kuyaphikiswa | adjective | ubufakazi bokuthi umbono noma isitatimende akulungile | Umbono wakhe uyaphikiswa. |
| refutation | noun | the proof that a theory or statement is wrong | The ecologist’s brilliant refutation of existing global warming theories was front page news. | ukuphikisa | noun | ubufakazi bokuthi umbono noma isitatimende asilungile | Ukuphikisa kwesazi semvelo kwemibono yokushisa ngokweqile komhlaba ekhona kakade kwakuyindaba esematheni. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| refute | verb | to prove that a theory or statement is wrong | Over the years many scholars have tried to refute some of Einstein's theories. | phikisa | verb | ukuveza ubufakazi bokuthi ithiyori noma umqondo othile uyabhimba awushayi khona. | Kule minyaka eminingi edlule izifundiswa eziningi sezizame kaningininingi ukuphikisa amathiyori ka-Einstein. |
| refute | verb | to prove that a theory or statement is wrong | The accused's legal team successfully refuted all the charges against their client. | phikisa | verb | ukufakazela ukuthi umbono noma isitatimende asilungile | Ithimba lezomthetho elisolwayo laphikisa wonke amacala weklayenti labo. |
| regime | noun | a government, especially one that has not been fairly elected | They predict that the new regime's reign will be short-lived. | umbuso | noun | uhulumeni, ikakhulukazi lowo osuke ungakhethiwe ngendlela yentando yeningi. | Baqagule ukuthi lo mbuso omusha ongenile angeke uqede sikhathi esingakanani uphethe izintambo. |
| region | noun | large area of land, usually with no exact limits | Coastal regions typically have moderate rainfall. | isifunda | noun | indawo enkulu nje ewumhlaba, imvamisa iyaye ingabi nawo umkhawulo wokuthi igcina kuphi. | Izifunda ezigudle ugu zivamile ukuthi zibe namathuba amahle emvula. |
| register | noun | alphabetical list (at the back) of important words contained in a book | One can find background in the register of this history book about the historical figures that are at issue. | irejista | noun | uhlu olulandelana ngama-alfabhethi (ngemuva) lwamagama abalulekile oluba encwadini | Umuntu angase athole isizinda kurejista yencwadi yomlando mayelana nabantu abadumile okukhulunywa ngabo. |
| regulate | verb | to control something by means of rules | Professional organisations have codes of conduct that regulate the activities of their members. | lawula | verb | ukuphatha into ethile ngokusebenzisa imithetho. | Izinhlangano ezisemthethweni zinezindlela zokuziphatha ezilawula konke okwenziwa amalungu azo. |
| regulate | verb | to control the rate of a machine or process | The bypass valve regulates flow of hydraulic fluid. | lawula | verb | ukuvimbela kanye nokwenza ukuthi izinga lomshini noma lohlelo kuhambe ngesivinini esithile. | Le valvu ilawula ukuphuma koketshezi. |
| reinforce | verb | to make a group, idea or feeling stronger and to support with rewards | Edutainment programmes on television are used to reinforce social and educational values while also entertaining the viewer. | khuthaza | verb | ukwenza iqembu, umqondo noma umuzwa ube namandla kakhulu futhi lesekwe nangemiklomelo. | Izinhlelo zezemfundo ezithokozisayo kumabonakude zisetshenziselwa ukukhuthaza amagugu enhlalo kanye nemfundo kodwa futhi zibe zijabulisa ababukeli ngesikhathi esifanayo. |
| reinforce | verb | to make something stronger and (or) support it with rewards | Edutainment programmes on television reinforce social and educational values while at the same time entertaining the viewer. | gcizelela | verb | ukwenza into ethile ibe namandla nakakhulu futhi (noma) ukuyisekela ngemivuzo | Izinhlelo zikamabonakude zigcizelela izimiso zabantu nezemfundo kuyilapho zijabulisa ababukeli. |
| reject | verb | refuse to accept, acknowledge or believe something | He rejects the theory of evolution. | chitha | verb | ukunqaba ukwamukela, ukuphika, ukwazisa noma ukukholwa umqondo othile. | Uyayichitha le ndaba yokuthi abantu babuye baqala phansi bazalwe kabusha. |
| reject | noun | something that is seen as being substandard | The plate is a reject because it has a crack. | umchithwa | noun | yinto noma umuntu obukeka njengophansi kunabanye ngokwezinga. | Leli puleti laba umchithwa ngenxa yokuthi linokuqhekeka. |
| relate | verb | to show a relationship or connection between two or more things | These terms relate to the modes of nutrition. | hlobana | verb | ukubonisa ubudlelwano noma ukuxhumana phakathi kwezinto ezimbili noma ngaphezulu. | Lawa matemu ahlobene nezinhlobo zokudla. |
| relate | verb | to tell the story of | She proceeded to relate the information he had conveyed. | zeka | verb | ukuxoxa indaba. | Wavele waqhubeka nje uThobekile wazeka indaba ngolwazi naye ayalutholile. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| relate | verb | to show a relationship or connection between two or more things | The questions relate to the 15 key characteristics of future leaders. | hlobana | verb | ukubonisa ubudlelwano noma ukuhlobana phakathi kwezinto ezimbili noma ngaphezulu | Umbuzo uhlobene nezici eziyinhloko eziyi-15 zabaholi besikhathi esizayo. |
| relate | verb | report something | She related her heart-rending story to the newspaper. | bika | verb | ukubika okuthile | Wabika udaba lwakhe olwephula inhliziyo ephephandabeni. |
| relative | adjective, adverb | considered in relation to something else | Many people struggle to understand the principle of relative meaning. | hlobene | adjective, adverb | okubhekwa njengokuhlobene nokunye | Abantu abaningi bakuthola kunzima ukuqonda isimiso sencazelo ehlobene. |
| relativise | verb | placing things in relation to other things, which reduces their absolute value | If you relativise your emotions, it may be that you talk away your own difficulties, present your problems too lightly or make your situation look too rosy. | yenza kuhlobane | verb | ukubeka izinto ngokuhlobene nezinye, okunciphisa inani lazo eliphelele | Uma uhlobanisa imizwa yakho nokuthile, kungase kube ukuthi ufihla ubunzima bakho, ubheka izinkinga zakho njengezingasho lutho noma wenza ukuthi isimo sakho sibukeke sisihle. |
| relativism | noun | theory that all knowledge, truth, norms and principles are relative, implicating that they can change from one group, culture or situation to another | In 1958 the poet N.P. van Wyk Louw pointed out how relativism deconstructs itself, because the theory of relativism is itself an absolute statement. | ukwenza kuhlobane | noun | umbono wokuthi lonke ulwazi, iqiniso, imikhuba nezimiso konke kuhlobene, okusikisela ukuthi kungase kuya ngeqembu, isiko, noma isimo sokunye. | Ngo-1958 imbongi uN.P. van Wyk Louw wabonisa indlela ukwenza izinto zihlobane kuzihlolisise, ngoba umbono wokwenza izinto zihlobane ngokwawo uyisitatimende esiphelele. |
| relativistic | adjective | according to the view that there are no abstract universal truths that apply to all peoples and cultures at all times | The view that there are no abstract universal truths that apply to all peoples and cultures at all times is relativistic. | umbono wokuzinqumela | adjective | kuya ngombono wokuthi awekho amaqiniso wendawo yonke aqondakalayo asebenza kubo bonke abantu namasiko ngazo zonke izikhathi | Umbono wokuthi awekho amaqiniso wendawo yonke aqondakalayo asebenza kubo bonke abantu namasiko ngazo zonke izikhathi ngumbono wokuzinqumela. |
| relativity | noun | the absence of standards | We live in the dimension of relativity – we understand things because they exist in relation to other things. | umbono wokuhlobana kwezinto | noun | ukwentuleka kwezimiso | Siphila enkathini yombono wokuhlobana kwezinto okukhulu siyaqonda ukuthi izinto zikhona ngenxa yokuhlobana nezinye izinto. |
| relax | verb | to rest while you are doing something enjoyable | Stress can be managed by making time to relax. | phumula | verb | ukuphumula ngesikhathi wenza into oyithokozelayo. | Ingcindezi ingaluwulwa ngokuthi uzinike isikhathi sokuphumula. |
| relax | verb | to become less anxious | People with high stress levels can teach themselves to relax, among others through breathing exercises. | beka umzimba phansi | verb | ukungabi nexhala kakhulu. | Abantu abanamazinga aphezulu engcindezi bangakwazi ukuzifundisa ukubeka umzimba phansi ngokuthi baphefumule ngenkathi bezivocavoca. |
| relax | verb | to make less strict | The Department of Home affairs relaxed visa restrictions. | dedela | verb | ukwenza ukuthi kungaqini kakhulu, isib. imithetho. | UMnyango Wezasekhaya uye wathi ukudedela kancane nje imithetho eqondene nokuthengwa kwamavisa. |
| release | verb | to make known to the public | The government released the new crime statistics. | khipha | verb | ukunika inkululeko entweni ethile; ukwenza ulwazi ukuthi lwaziwe ngumphakathi. | Uhulumeni uye wakhipha imicikilisho yezinombolo emisha ngobugebengu. |
| release | verb | to grant freedom to | He was released from custody after the charges were withdrawn. | khululwa | verb | ukunikezwa inkululeko | Wakhululwa ejele ngemva kokuhoxiswa kwamacala. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| relevance | noun | the state of being appropriate | Writers should make sure of the thematic relevance of all their textual facts. | ukufaneleka | noun | isimo sokufaneleka | Ababhali kufanele basebenzisi ukufaneleka kwesihloko sawo wonke amaqiniso wabo angokombhalo. |
| relevant | adj | having a bearing on or a connection with something | It is important to have the relevant experience when applying for a job. | okufanele | adj | ukuba nento ethile noma ukuxhumana okuthile nento ethile. | kubalulekile ukuthi ube nesipiliyoni esifanele uma ufaka isicelo somsebenzi. |
| relevant | adjective, adverb | appropriate to the context of what is being done | We received all the relevant documents. | fanalekile | adjective, adverb | kufanelekile ngokomongo okushiwo kuwo | Sithole wonke amadokhumenti afanelekayo. |
| reliable | adj | likely to be correct or true; trustworthy | The journalist got the information from a reliable source. | okuthembekile | adj | okungenzeka kube liqiniso; okungethenjwa. | Intatheli yathola ulwazi kumthombo othembekile. |
| reliable | adj | that can be replicated | He demonstrated that the research was reliable by indicating how it was repeated with another group of respondents. | okungethenjwa | adj | uma ucwaningo lungethenjwa kusho ukuthi lungaphindwa futhi. | Wabonisa ukuthi ucwaningo lwalwethembekile ngokubonisa ukuthi lwaphindwa futhi nelinye iqembu lalabo abaphendula imibuzo. |
| reliable | adjective | likely to be correct or true | The journalist got the information from a reliable source. | thenjwayo | adjective | okungenzeka kube okulungile noma iqiniso | Intatheli yathola ulwazi emthonjeni othenjwayo. |
| reluctance | noun | a certain degree of unwillingness | The reluctance of the university to intervene led to an extended legal process. | ukungathandi | noun | izinga elithile lokungavumelani nento ethile. | Ukungathandi ukungenelela kwenyunivesi kwaholela ekutheni kube nenkinga yezomthetho eyadonsa isikhathi eside. |
| reluctant | verb | not wanting to do something | The research unit was reluctant to move due to the absence of natural light in the new offices. | ngokungathandi | verb | ukungafuni ukwenza okuthile. | Uphiko olubhekene nokwenza ucwaningo lwalungathandi kahle ukuthutha ngoba akukho ukukhanya kwemvelo kumahhovisi amasha. |
| rely | verb | to need or depend on something | The disabled completely rely on their monthly disability grant. | ncika | verb | ukudinga noma ukuncika kwinto ethile. | Abantu abakhubazekile bancike ngokuphelele kwimpesheni yabo yokuguga yazinyanga zonke. |
| rely | verb | to have confidence or faith in something | She relied heavily on the comments of her supervisor. | yethembela | verb | ukuba nokwethembela noma ukuba nokholo kwinto ethile. | Wethembela kakhulu ekuphawuleni komphathi wakhe. |
| remark | noun | a (negative) comment about something | After the professor made certain remarks about the theory of evolution, some students made scathing remarks about him as a person. | | | | |
| remark | verb | to say something with special reference to something else | While explaining complicated mathematical concepts, the lecturer jokingly remarks that students have to try to stay awake. | ukuphawula | verb | ukusho okuthile ngokubhekisela ngokukhethekile kokuthile | Ngenkathi echaza izibalo ezididayo, umfundisi waphawula ngokuhlekisayo ukuthi abafundi kufanele bahlale baphapheme. |
| remark | noun | a (positive) comment about something | After the professor made certain remarks about the theory of evolution, some students made scathing remarks about him as a person. | | | | |
| remove | verb | to take something away | It is important to remove impurities before mixing the two substances. | susa | verb | ukuthatha into uyisuse. | Kubalulekile ukususa izinto ezingalungile ngaphambi kokuba uxube lezi zinto zombili. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Renaissance | noun | transition phase between the Middle Ages and the modern era | In die West, the Renaissance is generally regarded as the beginning of modern times. | Inkathi Yenguquko | noun | inguquko phakathi neNkathi Ephakathi nenkathi yesimanje | Ngokuvamile eNyakatho, Inkathi Yenguquko ibhekwa njengesiqalo sezikhathi zesimanje |
| renaissance | noun | revival, especially in the fields of the arts and literature | The term African Renaissance was born from the view that developing African states and their people are reviving culturally, scientifically and economically. | inguquko | noun | imvuselelo, ikakhulukazi emikhakheni yobuciko nezemfundo | Igama elithi Inkathi Yenguquko yaseAfrika laqaliswa umbono wokuthi amazwe wase-Afrika asathuthuka nabantu bakhona basazivuselela ngokwesiko, ngokwesayensi ngisho nangokwezomnotho. |
| render | verb | to cause something to be a certain way | New technology renders older technology obsolete. | enza | verb | ukuba yimbangela ukuthi into ethile ibe ngendlela ethile. | Ubuchwepheshe obusha benza ukuthi ubuchwepheshe obudala buvele bungabe busasebenza. |
| render | verb | to give something to somebody | She rendered her services to the shelter free of charge. | nikela | verb | ukunika into ethile kumuntu. | Wanikela ngamandla akhe mahhala kwisikhungo leso. |
| render | verb | to show something in a certain way in a work of art | The horse is poorly rendered in the painting. | veza | verb | ukubonisa noma ukukhombisa into ngendlela ethile. | Ihhashi livezwe kabi kodwa kumdwebo wakhe. |
| replica | noun | exact imitation of the original | The replica of the Van Gogh painting will not achieve nearly as much at the auction as the original. | okufuziselayo | noun | okufuze okungokoqobo | Okufuziselayo komdwebo kaVan Gogh ngeke kuzuze okungako endalini njengomdwebo ongokoqobo. |
| replicate | verb | to produce the same thing again | His research replicates previous work done by his colleagues. | veza ngokufanayo | verb | ukukhiqiza into efanayo futhi. | Ucwaningo lwakhe luveza ngokufanayo umsebenzi waphambilini owenziwe ozakwabo. |
| reply | verb | react to an opponent's arguments at the end of a debate | Members of Parliament have the right to reply to the minister's speech. | phendula | verb | ukuphendula impikiswano yomelene naye ekupheleni kwengxoxo-mpikiswano | Amalungu wasePhalamende anelungelo lokuphendula ngokumelene nenkulumo kangqongqoshe. |
| reply | verb | give an answer | M. asked the officer what the problem was, to which the policeman replied he was under arrest for drunken driving. | phendula | verb | nikeza impendulo | UM. wabuza umphathi ukuthi empeleni yayiyini inkinga, iphoyisa laphendula ngokuthi wayeboshelwa ukushayela edakiwe. |
| report | noun | communication on a matter after it has been thoroughly investigated | The Minister of Education's report on the inadequate provision of textbooks will be released today. | umbiko | noun | ukunikeza umbiko ngodaba ngemva kokuthi seluphenywe ngokucophelela | Umbiko kaNgqongqoshe wezeMfundo omayelana nokungabi khona kwezincwadi zesikole ezanele uzokhishwa namuhla. |
| report | verb | give an account of something | Students who study Social Work have to report on conditions in informal residential areas at the end of the semester. | bika | verb | nikeza umbiko wokuthile | Abafundi abafundela Umsebenzi Wobuhlalakahle kufanele babike ngezimo zasezindaweni ezingakhiwe kahle ekupheleni kwezinyanga eziyisithupha. |
| reproduce | verb | to copy | The publisher gave him permission to reproduce the book. | ukukhiqiza futhi | verb | ukukophisha. | Umshicileli wamnika imvume ukuthi usengaphinde ayikhiqize futhi incwadi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| reproduce | verb | to repeat the original as far as possible | Cancer occurs when abnormal cells grow, reproduce and form a tumour. | khiqiza kabusha | verb | ukuphinda okungokoqobo ngangokunokwenzeka | Umdlavuza uvela lapho kukhula amanqamuzana angavamile, akhiqiza kabusha bese kudala isimila. |
| reproduce | verb | to put into own words | Some lecturers expect students to reproduce the views of other writers verbatim. | isho ngamagama wakho | verb | ukusho ngamagama wakho | Abafundisi abaningi balindele ukuthi abafundi basho ngamagama wabo imibono yabanye ababhali. |
| reproduced | adjective | exactly or almost exactly like the original | Reproduced facts just mean that the person is parroting someone else's statements. | kukhiqizwe kabusha | adjective | okufana noma okucishe kufane nokungokoqobo | Amaqiniso akhiqizwe kabusha asho ukuthi umuntu uphinda izitatimende zomunye umuntu. |
| reproduction | noun | something that has been reproduced, of which a replica has been made | Reproduction of facts and scholarly views does not necessarily mean that a student understands the subject. | ukukhiqizwa kabusha | noun | okuthile okukhiqizwe kabusha, okwenziwe okufana nakho | Ukukhiziwa kwabusha kwamaqiniso nemibono yezazi akusho ukuthi umfundi uqonda isihloko. |
| repudiate | verb | to refuse to accept something | He repudiated the opinions held by churches other than his own. | phikisa | verb | ukwenqaba ukwamukela into ethile. | Wayiphikisa imibono eminingi amasonto anayo kodwa akazange awuphikise owesonto lakhe. |
| require | verb | to have need of | Five patients required surgery. | dinga | verb | ukuba nesimo sokufuneka. | Iziguli ezinhlanu ebezidinga ukuhlinzwa. |
| require | verb | to make something necessary. | Accounting 101 is required for a BCom degree. | dingeka | verb | ukwenza into ukuthi ibaluleke. | Isifundo esiyi-Accounting 101 siyadingeka uma wenza iziqu ze-BCom. |
| require | verb | to make something necessary | The study program in the medical sciences requires commitment from the student. | dingekayo | verb | ukwenza okuthile kudingeke | Uhlelo lwesifundo sezesayensi zokwelashwa ludinga ukuzimisela komfundi. |
| required | adjective | which is necessary | The student does not meet the required mark to pass his exam. | dingekayo | adjective | okudingekayo | Umfundi akahlangabezani namaphuzu adingekayo wokuphumelela esivivinyweni sakhe. |
| requirement | noun | a compulsary or necessary condition | Fitness is a requirement for fitness instructors. | imfuneko | noun | isimo esiyimfuneko noma esidingekayo | Ukulolonga umzimba imfuneko edingekayo yabaqondisi bokulolonga umzimba. |
| requirement | noun | a necessary qualification | Fitness is a requirement for entry as a fitness instructor. | imfuneko | noun | ulwazi oludingekile | Ukulolonga umzimba kuyimfuneko yokuba umqondisi wokulolonga umzimba. |
| research | verb | to conduct a careful study to discover new facts | I am researching the life cycle of the blue whale. | cwaninga | verb | ukwenza isifundo esiwukuphenya ukuze uthole amaqiniso amasha. | Ngicwaninga ngempilo kashaka oluhlaza okwesibhakabhaka. |
| research | noun | a careful study to discover new facts | All lecturers must do research, as well as teach. | ucwaningo | noun | ukufunda okucophelelayo ukuthi uthole amaqiniso amasha. | Bonke othisha basemanyunivesi kufanele benze ucwaningo, baphinde futhi bafundise. |
| research | verb | to conduct a careful study to discover new facts | University lecturers are expected to research new developments in their field of study. | cwaninga | verb | ukuqhuba ucwaningo olubanzi ukuze uthole ulwazi olusha | Abafundisi baseNyuvesi balindeleke ukuthi bacwaninge ulwazi olusha emkhakheni wesifundo sabo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| research | noun | careful investigation that discovers new facts or proves hypotheses, reviews existing conclusions, or finds practical application for theories | The research that the doctoral student is currently doing will help to intercept plastic bottles at estuaries before they end up in the sea. | ucwaningo | noun | ucwaningo olubanzi oluthola ulwazi olusha noma olufakazela umbono, olubuyekeza okufinyelelwe kukho okukhona kakade, noma oluthola izindlela zokusebenza ngokoqobo imibono | Ucwaningo okwamanje olwenziwa umfundi wobudokotela luzosiza ukugwema amabhodlela wepulasitiki emifuleni ngaphambi kokuthi aye olwandle. |
| researched | adjective | investigated systematically | Fortunately, the researched problem was solved. | kucwaningiwe | adjective | kucwaningwe ngendlela ehlelekile | Ngenhlanhla, inkinga ecwaningiwe yaxazululwa. |
| reservoir | noun | a large supply or collection of something | The Internet is a reservoir of information. | idamu | noun | ukunikezwa into ethile enkulu noma eyiqoqo elibuthelwe ndawonye. | I-Inthanethi iyidamu lolwazi. |
| reside | verb | to live at (in) | It has become a trend for adult children to reside with their parents until they are into their thirties. | hlala | verb | ukuzinza. | Sekuwumkhuba osuthanda ukwanda manje ukuthi abantwana asebekhulile bahlale nabazali babo kuze kuba baba neminyaka yobudala esemashumini amathathu. |
| resident | adj | living or working in a place | Residents have been asked to keep calm and not to take the law into their own hands. | umhlali | adj | ohlala noma osebenza endweni ethile. | Abahlali baceliwe ukuthi bazithibe futhi bangathatheli umthetho ezandleni zabo. |
| resident | noun | someone who lives or works in a place | He is a resident of Cameroon. | umhlali | noun | lona umuntu ohlala noma osebenza endaweni ethile. | Lowo ungumhlali wasezweni laseCameroon. |
| resident | adjective | who lives or works in a place. | His life changed when he became resident artist at the centre. | umhlali | adjective | ohlala noma osebenza endaweni ethile | Ukuphila kwakhe kwashintsha lapho eba ingcweti yasesikhungweni. |
| residue | noun | what is left behind after the main part has been taken away | The residue or 'cake' left after expression of the oil is apparently nutritious and can be used for feeding animals. | insalela | noun | yilokho okusele ngemuva kokuba ingxenye enkulu isithathiwe. | Insalela noma 'ikhekhe' elisale ngemuva kokucwengwa kwamafutha linomsoco omkhulu kanti lingasetshenziselwa ukondla izilwane. |
| residue | noun | the part of money or property that remains after all the debts have been paid | The residue of the estate was divided among the heirs. | imali engakuwe | noun | ingxenye yemali noma yempahla esalayo ngemuva kokuba sekukhokhwe izikweletu. | Imali eyasala kwabiwa ifa lomufi yabe isinikezwa izindlalifa. |
| residue | noun | what is left behind after the main part has been taken away | He found that the concentration of the microscopic particles was too low, and that one would have expected more residue on their hands if shots had been fired. | izinsalela | noun | lokho okusalayo ngemva kokuthi sekukhishwe ingxenye eyinhloko | Wathola ukuthi izinhlayiyana ezincane zaziphansi kakhulu, nokuthi umuntu wayengase alindele izinsalela ezengeziwe esandleni sakhe uma kwakudutshuliwe. |
| resilient | adjective | being able to recover quickly from adverse circumstances | Jeff faced many hardships in his life, yet he was alway resilient and able to overcome adverse circumstances. | bekezelela | adjective | ukubekezelela ngokusheshа izimo ezinzima | UJeff wabhekana nobunzima obukhulu ekuphileni kwakhe, nokho wakubezelela futhi wakwazi ukubhekana nezimo ezinzima. |
| resistance | noun | ability to persist biologically and psychologically | The drought resistance of plants is important when planting in arid parts of the country. | ukumelana | noun | ikhono lokumelana ngokwemvelo nangokwengqondo | Ukumelana kwezitshalo nesomiso kubalulekile lapho utshala ezingxenyeni ezomile zezwe. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| resource | noun | supply of something that a country, an organisation, etc. possesses and can use | It should be realised that natural resources used in generating electricity,  such as coal and water, are not infinite. | umthombo | noun | yinto yokuhlinzeka ethile izwe, inhlangano, njll. esuke inakho ukuthi ingakwazi ukukusebenzisa. | Kumele kukhunjulwe ukuthi imithombo yemvelo esetshenziswa ekuphehleni ugesi, efana namalahle kanye namanzi azizinkulu kangako. |
| resource | noun | something that can be used to help achieve an aim | Students may access printed material and online resources for the assignment. | inqolobane | noun | into ethile esuke ingasetshenziswa ukuze kufezekiswe inhloso ethile. | Abafundi bangakwazi ukuthola imiqingo ebhaliwe kanye nezinqolobane ezitholakala kwi-inthanethi uma sebenza umsebenzi wabo. |
| resource | noun | supply of something that a country or an organisation possesses and can use | It should be realised that natural resources used in generating electricity, such as coal and water, are not infinite. | insiza | noun | okuthile izwe noma inhlangano enakho futhi engakusebenzisa | Kufanele kuqashelwe ukuthi imithombo yemvelo esetshenziselwa ukwenza ugesi, efana namalahle namanzi, akukhona okungenamkhawulo. |
| respective | adjective | various | My two brothers did very well in their respective fields of study (Physics and Mathematics). | hlukahlukene | adjective | okuhlukahlukene | Obhuti bami ababili benza kahle kakhulu emikhakheni yabo ehlukahlukene (Isayensi Nezibalo). |
| respectively | adverb | separately and in the order already mentioned | Tomorrow Mary and Peter will write their exams in French and Mathematics respectively. | ngokuhlukahlukene | adverb | ngokwehlukile futhi ngendlela osekushiwo ngayo | Kusasa uMary noPeter bazobhala izivivinyo zabo zesiFulentshi Nezibalo ngokuhlukahlukene. |
| respond | verb | to react to something | The lecturer responded to the queries of the students via e-mail. | phendula | verb | ukuveza umbono wakho ngento ethile esuke ishiwo, ngokuvamile ngokubhalwe phansi. | Uthisha enyunivesi wabe esephendula imibuzo evela kubafundi nge-imeyili. |
| respond | verb | to improve as a result of a particular treatment | The cancer patient responded well to radiation. | zwela | verb | ukuba ngcono ngenxa yokwelashwa okuthila. | Isiguli somdlavuza sizwela kahle ekwelashweni kwawo ngokushiswa. |
| respond | verb | to say or do something in reply to something | Students usually respond positively to an enthusiastic lecturer. | sabela | verb | ukusabela ngokusho noma ukwenza okuthile | Ngokuvamile abafundi basabela kahle emfundisini onomdlandla. |
| response | noun | reaction to something | I am awaiting a response from the ethics committee regarding my research proposal. | impendulo | noun | ukuphendula kwinto ethile. | Njengamanje ngisalindele impendulo evela kwikomidi lenkambiso mayelana nesihlongozo salokho engihlela ukwenza ngakho ucwaningo. |
| responsive | adjective | as a reaction to something | The lecturer's enthusiasm often leads to responsive students asking questions and voicing opinions in class. | ukusabela | adjective | okubangala okuthile | Umdlandla womfundi ngokuvamile uhilela kubafundi abasabelayo ababuza imibuzo nabaveza imibono yabo ekilasini. |
| restore | verb | to bring back a situation that existed before | Investor confidence seems to have been restored after the institution of the new government. | buyisa | verb | ukubuyisela emuva isimo esike sabakhona ngaphambilini. | Ukuba nethemba kubatshalizimali kubukeka sekubuyile kusukela kungene uhulumeni omusha embusweni. |
| restrain | verb | to hold someone back | They had to restrain the patient after his mental breakdown. | bamba | verb | ukubuyisela umuntu emuva ngokumdonsa. | Kwadingeka ukuthi basibambe isiguli ngemuva kokuba sivukwe umdumakhanda. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| restrict | verb | to limit the size, amount or range of something | Passengers are restricted to one litre of fortified wine on overseas flights. | nqinda | verb | ukunqinda ubungako, inani noma ukwanda kwento ethile. | Abagibeli banqindiwe ukuthi umgibeli ngamunye kumabhanoyi ahambela phesheya kwezilwandle aphuze ilitha elilodwa lotshwala obuthile obushiwo. |
| restrict | verb | to limit yourself to a certain amount of something or a certain activity | He restricted the amount of fat in his diet. | thiba | verb | ukuzibekela umkhawulo ukuthi ube yinani elithile noma umsebenzi othile ube sezingeni elithile. | Wathiba inanai lamafutha ekudleni kwakhe. |
| restriction | noun | a limiting condition | Lecturers usually place a restriction on the number of words students are allowed to use in test answers. | umkhawulo | noun | isimo esinomkhawulo | Ngokuvamile abafundisi babeka imikhawulo enanini lamagama abafundi abavunyelwe ukuwasebenzisa ezimpendulweni zokuhlola. |
| restrictive | adjective | setting boundaries or limits | This restrictive daily routine has frustrated him. | kunomkhawulo | adjective | ukubeka imikhawulo | Le ndlela yansuku zonke yokwenza izinto enemikhawulo iyamdina kakhulu. |
| result | noun | something that has happened or is produced because of something else | The technique produced similar results to those that have been used previously. | umphumela | noun | into ethile eyenzekile noma ekhiqiziwe ngenxa yenye into. | Icebo likhiqize imiphumela efanayo kulawo ake asetshenziswa phambilini. |
| result | noun | something that has happened or is produced because of something else | Because government mismanagement is increasing, distrust of leadership is the result. | umphumela | noun | okuthile okwenzekile noma okukhiqiziwe ngenxa yokuthile | Ngenxa yobudedengu bukahulumeni, ukungethenjwa kwabaholayo kube ngumphumela. |
| result | noun | as a consequence | Mismanagement at government-level is increasing and as a result, confidence in leadership decreases. | umphumela | noun | njengomphumela | Ubudedengu bezikhulu zikahulumeni kuyanda futhi ngenxa yalokho, kuye kwancipha ukwethemba labo abaholayo. |
| result | noun | something that has happened or is produced because of something else | The results showed that there is an acute lack of critical management skills especially in the areas of strategic capability and leadership. | umphumela | noun | okuthile okwenzekile noma okukhiqiziwe ngenxa yokuthile | Imiphumela ibonise ukuthi kukhona ukuntuleka okukhulu kakhulu kwamakhono wokuphatha ikakhulukazi ezindaweni zezinsiza nobuholi. |
| retain | verb | to keep a substance that has been taken in | Compost helps to retain moisture in the soil. | godla | verb | ukugcina umongo osufakwe ngaphakathi. | Umquba uyasiza ukugodla ukuvunda enhlabathini ukuze kuhlale kukhona njalo. |
| retain | verb | to hold something back and not lose it | The company used loyalty programmes to retain its customers. | bamba | verb | ukugcina into ethile ukuthi ingakulahlekeli. | Inkampani yasebenzisa uhlelo lwamaphoyinti okwethembeka kuyo ukuze ibambe amakhasimende ayo angayishiyi. |
| retain | verb | to pay someone beforehand for their services | The chef was so popular that they decided to retain him for their party. | qala ngokukhokha | verb | ukukhokhela umuntu ngaphambi kokuba enze umsebenzi okufanele ukuba akwenzele wona. | Umpheki wayelishaya ngempela ibhodwe futhi edumile kangangokuthi bathatha isinqumo sokumkhokhela lungakafiki usuku lomcimbi wabo. |
| retain | verb | to keep someone or something | The company uses loyalty programmes to retain its customers. | gcina | verb | ukugcina othile noma okuthile | Inkampani isebenzisa izinhlelo zemivuzo ukugcina amakhasimende wayo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| retard | verb | to slow a process | A lack of nutritious food retards the growth of children in poor countries. | libazisa | verb | ukubambezela uhlelo. | Ukungabibikho kokudla okunomsoco kulibazisa ukukhula kwabantwana emazweni ampofu. |
| retrogradation | noun | backward movement or decrease in quality | The striking retrograde in the author's last two works is apparently due to a rare brain disease recently diagnosed with him. | hlehlela emuva | noun | ukuhlehlela emuva noma ukuncipha kwekhwalithi | Ukuhlehlela emuva okumangazayo kwemisebenzi emibili yokugcina yombhali cishe kwabangelwa isifo sengqondo esingavamile esisanda kutholakala kuye. |
| retrograde | adjective | arranged according to the end of words | a retrograde dictionary | hlehlela emuva | adjective | kuhlelwe kuya ngamagama wokugcina | isichazamazwi esihlehlela emuva. |
| retrospection | noun | looking back and thinking about one's own actions, which often leads to new insight | I was too bound up with the problems of the present moment to enjoy the luxury of retrospection. | ukubheka emuva | noun | ukubuyela emuva futhi ucabange ngezenzo zakho, eziholela ekubeni nokuqonda okusha | Ngangixakwe izinkinga zesikhathi samanje angizange ngijabulele ukubuyela emuva. |
| retrospective | adjective, adverb | looking back on past events or situations | Retrospective solutions to problems are the result of an objective look at problem situations in the past. | ukubheka emuva | adjective, adverb | ukubheka emuva ezenzakalweni noma ezimweni zesikhathi esedlule | Izixazulo zokubheka emuva zezinkinga ziwumphumela wokubheka ngokuqonda izimo eziyinkinga zesikhathi esedlule. |
| reveal | verb | to make known which was previously kept secret | The most recent research has revealed that a high-protein diet can be detrimental to certain people. | veza | verb | ukwenza ukuthi into ebiyimfihlo phambilini yaziwe. | Ucwaningo lwakamuva lusanda kuveza ukuthi ukudla okucebe ngamaphrotheni amaningi aphezulu kungabalimaza abanye abantu. |
| reveal | verb | to let information become known | After he had made the allegations he was forced to reveal his sources. | ukuveza | verb | ukwenza ulwazi ukuthi lwaziwe. | Kwathi ngemuva kokuba esenze lezo zinsolo kwaphoqeleka ukuba aveze imithombo yakhe. |
| revenue | noun | the entire amount of income before any deductions are made | This month's revenue is down by 3 percent from last month. | imali | noun | yiyona yonke imali ngaphambi kokuba kubanjwe noma yiziphi izimali ezibanjwayo. | Imali yakule nyanga yehle ngo-3% kweyangenyanga edlule. |
| reverberate | verb | to have a widespread effect | His death reverberated around the world. | ukuduma | verb | ukuzwakala emhlabeni jikelele. | Ukufa kwakhe kwaduma umhlaba wonke. |
| reverberate | verb | have (serious) consequences | The conflict reverberated around the world. | phindaphinda | verb | ukuba nemiphumela (engathi sina) | Impikiswano yaphindaphinda emhlabeni wonke. |
| reverse | verb | to change completely so that it is the opposite of what it was before | The telephone company has reversed the backlog, and all the applicants who apply for telephone lines are now helped within a month. | hlehlisa | verb | ukushintsha ngokuphelele ukuze isimo sibe esiphikisana nalokho ebesiyikho ngaphambilini. | Inkampani yezingcingo isikuhlehlise konke ukulinda indeyinde manje, sikhuluma nje laba abasuke befake izicelo zokufakelwa izingcingo sebesizwa kungakapheli ngisho nenyanga. |
| reverse | adj | opposite to the usual situation | The choir left the hall in reverse order with the archdeacon leaving last. | nyovane | adj | ngokuphikisana nesimo esejwayelekile. | Ikhwaya laphuma ehholo selishaya kancane nyovane kwathi umbhishobhi omkhulu kwaba nguyena ophuma ekugcineni. |
| reverse | adjective | in the opposite order to the usual order | The choir left the hall in reverse order with the archdeacon leaving last. | | | | |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| revise | verb | to change something in order to make it better or more suitable | You can be awarded a pass mark if you substantively revise your essay. | buyekeza | verb | ukushintsha into ethile ukuze ukwazi ukuyenza ukuthi ibe ngcono noma ifaneleke kakhulu. | Ungakwazi ukuthi unikwe iphuzu elenza ukuthi uphumelele uma uzoyibuyekeza kakhulu i-eseyi yakho leyo. |
| revise | verb | to study work that you have already learnt | He thoroughly revised his work for the supplementary examination. | funda futhi | verb | ukutadisha umsebenzi osuvele usuwenzile. | Waphinda wawufunda futhi kabanzi umsebenzi wakhe njengoba wayezobhala ukuchibiyela kokuhlolwa kwakhe nje. |
| revolt | verb | to reject authority, often violently | The oppression of Antiochus caused the Jews under the leadership of the Maccabees to revolt. | ukuhlubuka | verb | ukuchitha labo abasemagunyeni, isikhathi esiningi lokho kwenziwa ngodlame. | Ukucindezelwa kuka-Antiochus kwaholela ekuhlubukeni kwamaJuda ngaphansi kobuholi bukaMaccabees. |
| revolt | noun | a protest against authority. | Martin Luther posted his famous ninety-five theses on the church door at Wittenberg on 31 October 1517, which were the signal for widespread revolt against the church. | ukuvukela | noun | ukungahambisani nabaphethe. | UMartin Luther wabeka imiqingo yakhe edumile engamashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu emanyango wasesivalweni sasesontweni laseWittenberg ngomhla zingama-31 kuMfumfu 1517, kanti lokhu kwakuwuphawu lokuvukela isonto okwase kusabalele yonke indawo. |
| revolt | noun | a protest against authority | On October 31, 1517, Martin Luther nailed his famous ninety-five statements to the church door in Wittenberg, which was a sign of the widespread revolt against the Church. | vukela | noun | ukuvukela abaphathi | Ngomhla ka-31 Okthoba 1517, uMartin Luther wabhobozela izitatimende zakhe ezingamashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu ezidumile emnyango wasesontweni eWittenburg, okwakuwuphawu lokuvukela Isonto okwasabalala kakhulu. |
| revolution | noun | a single complete turn | In the 1990s a high-performance disk drive on your computer rotated at a speed of 90 revolutions per second. | ukushintsha | noun | ukushintsha okukodwa kodwa okushintsha ngokuphelele. | Ngeminyaka yawo 1990 kwakuthi uma kukhulunywa ngediski esebenza kakhulu kwikhompyutha yakho kukhulunywe ngeyayijika ngesivinini sika 90 wokushintsha kwisekhondi ngalinye. |
| revolution | noun | an important change in ways of thinking or doing that affects many people | The industrial revolution was started by technological innovations such as the printing press. | uguquko | noun | ushintsho olubalulekile kwizindlela zokucabanga noma zokwenza noluthinta abantu abaningi. | Ushintsho kwezokusebenza kwaqalwa ngenxa yokungena kwezobuchwepheshe ezifana nokuba khona kwendawo lapho kwase kuzophrintwa khona. |
| revolve | verb | to focus on one thing | The discussion revolved around global warming. | gxila | verb | ukugxila entweni eyodwa. | Ingxoxo yagxila ekukhulumeni ngokushisa komhlaba wonke. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| rhetoric | noun | the art of logical reasoning and the use of persuasion techniques whilst debating | In his well-known work, Rhetoric, Aristotle set out the rules of argument in fine detail. | inkulumo yokukholisa | noun | ubuciko bokubonisana ngokunengqondo nokusetshenziswa kwamasu wokukholisa ngenkathi kunengxoxo-mpikiswano | Emsebenzini wakhe odume kakhulu, iRhetoric, u-Aristotle wabeka imithetho yokuphikisana ngokuningiliziwe. |
| rhetorical | adjective | to which no answer is expected | A rhetorical question requires no answer, but involves the audience or reader in the thought process behind the argument. | akudingi impendulo | adjective | okungadingi impendulo | Umbuzo ongadingi impendulo, kodwa uhlanganisa izethameli noma umfundi enqutshweni yokucabangisisa ngengxoxo. |
| rhetorical | adjective | making use of grandiloquent words and superfluous clichés | The essay was windy and rhetorical in tone. | akudingi impendulo | adjective | ukusebenzisa amagama abukisayo namagama asetshenziswa ngokweqile angadingekile | Indatshana yayinamagama anzima futhi ibhalwe ngendlela engadingi impendulo. |
| rhythm | noun | a repeated pattern of sounds or movements | The doctor listens to the rhythm of my heart beat. | isigqi | noun | iphethini yemisindo noma yeminyakazo. | Udokotela walela isigqi sokushaya kwenhliziyo yakhe. |
| rhythm | noun | a regular pattern of changes | People have always organised events to match the rhythm of the seasons. | isigqi | noun | iphethini eqondile yezinguquko. | Abantu bahlala njalo behlela izigameko ukuze zihambisane nesigqi sesikhathi. |
| rigid | adj | not bending or changing shape | Bacterial cells have rigid cell walls around them. | okuqinile | adj | okungagobi noma okungashintshi umumo noma umfanekiso. | Amaseli amabhaktheriya anezindonga zamaseli eziqinile eziwazungezile. |
| rigid | adj | not willing or able to change | Supervisors should never be too rigid in the advice to students. | gongobala | adj | okungazimesele ukushintsha noma okungeke kukwazi ukushintsha. | Osuphavayza akufanele neze ukuthi bagongobale kakhulu ekwelulekeni abafundi; kufanele ukuthi bakwazi ukuvumela izimo ezithile. |
| rigour | noun | the fact of being careful and paying great attention to detail | Research should be characterised by objectivity and rigour. | iqiniso | noun | iqiniso lokuqaphela kanye nokunaka kakhulu ngemininingwane eminingi. | Ucwaningo uma lwenziwa kufanele ukuthi lungavuni luhlangothi futhi lube yiqiniso. |
| rigour | noun | harsh and difficult conditions | The rigours of the mathematics module caused many students to fail. | ubunzima | noun | izimo ezibucayi noma ezinzima. | ubunzima besifundo sezibalo benza ukuthi abafundi abaningi bangaphumeleli. |
| rigour | noun | thoroughness in making sure something is correct | The rigours of the mathematics module caused many students to fail. | | | | |
| role | noun | the actions and activities assigned to a person or group | Academic literacy lecturers alternate between the roles of teachers and pastors. | indima | noun | imisebenzi kanye nezinto ezenziwayo okunikezwe umuntu othile noma iqembu. | Othisha basenyunivesi abafundisa abafundi badlala indima yokuba ngothisha kany nendima yokuba ngabefundisi. |
| role | noun | the actions and activities assigned to a person or group | The middle class has a critical role to play in helping the economy to grow and create jobs. | indima | noun | izenzo noma imisebenzi enikezwe umuntu noma iqembu | Abasesigabeni esimaphakathi banendima okufanele bayidlale ekusizeni ukuthi umnotho uthuthuke futhi babangele ukuba khona kwemisebenzi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| romance | noun | fascinating, mysterious or imaginative aura, character or mood often associated with something adventurous, imaginary or unreal, or with something from a bygone era | Many readers find in Barbara Cartland's books a romance that is inherent in the space of castles, wealth and romantic love. | ezothando | noun | umuzwa okhangayo, oyindida ocatshangwayo, umlingisi noma isimo ngokuvamile esihlotshaniswa nokuthile kokuzidela, okucatshangwayo noma okungekona okwangempela, noma okuthile kwasenkathini yakudala. | Abafundi abaningi bathola ezothando ezincwadini zikaBarbara Cartland okukhona ezindaweni zezigodlo, ingcebo nothando. |
| romantic | adjective | characterised by an idealised view of reality | Standing in the dusk next to the waterfall is very romantic. | ukuba nothando | adjective | okuboniswa imibono ecatshangelwayo yokuphila kwangempela | Ukuma kusihlwa eceleni kwempophoma kubonisa uthando kakhulu. |
| romanticise | verb | represent in a romantic way | War is often romanticised by people who themselves have never had to survive in a war situation. | ngokwezothando | verb | ukubonisa ngendlela yezothando | Ngokuvamile uthando luboniswa abantu bona ngokwabo abangakaze kudingeke ukuthi basinde esimweni sempi. |
| Romanticism | noun | movement in the visual arts, literature and music that reached a peak in the late 18th and early 19th centuries, characterised by an increased interest in nature and the past, an emphasis on the individual's expression of emotion and imagination, an escape from reality and a revolt against existing conventions and social norms | You might for example define Romanticism as an artistic movement centrally concerned with the relationship between the self and others. | I-Romanticism | noun | utshinto kwezobuciko ezibonakalayo, emibhalweni ngisho nasemculweni olwaba khona ekuqaleni kwekhulu le-18 no-19 leminyaka, olwabonisa ukwanda kakhulu ezithakazelweni zemvelo nesikhathi esedlule, ukugxila ekuboniseni komuntu imizwa nokucatshangwayo, ukubalekela ukuphila kwangempela kanye nokuvukela endleleni izinto ezenziwa ngayo ezikhona kakade nendlela yokuphila | Ngokwesibonelo ungase uchaze i-Romanticisim ngokuthi ushintsho olukhathazeke kakhulu ngobudlelwano phakathi komuntu ngamunye nabanye. |
| route | noun | an established road or path to travel along | The main shipping route to the Mediterranean is through the Suez Canal. | umgudu | noun | yindlela esisunguliwe yokuhamba noma yokufinyelela. | Umgudu omkhulu wokuhamba imikhumbi olwande iMediterranean unqmula emseleni iSuez Canal. |
| route | noun | a certain way of achieving something | The fastest route to success is hard work. | umgudu | noun | yindlela ethile yokuzuza okuthile. | Umgudu oshesha kakhulu oya empumelelweni ukusebenza kanzima. |
| rudimentary | adj | dealing with simple and basic facts or ideas | He had only a rudimentary understanding of medicine. | okuncane nokungatheni | adj | ukubhekana namaqiniso noma nemiqondo enqala esheshayo. | Wayenokuqonda okuncane nje nokungatheni ngokusebenza kwemithi. |
| rudimentary | adj | basic and undeveloped | Prehistoric people used rudimentary tools. | okwasemandulo | adj | okuyisisekelo futhi okungathuthukisiwe. | Abantu bakudala babesebenzisa amathuluzi asemandulo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| sample | noun | manageable part of a larger whole from which the researcher can derive the properties from the whole with the appropriate statistical operations | By means of his sample of thousand matric learners, the researcher will hopefully gather enough information to be able to make valid inferences about the entire matric population. | isempula | noun | ingxenye ephathekayo yokuphelele okukhulu kakhulu umncwaningi angathola kuyo izici esebenzisa izindlela ezifanelekile | Esebenzisa isampula lakhe labafundi abayizinkulungwane abakumatikuletsheni, cishe umncwaningi uzothola ulwazi olwanele ukuze akwazi ukwenza inkombo mayelana nenani labo bonke abafundi abakumatikuletsheni. |
| sanction | noun | permission or approval for an action. | A Catholic cannot get divorced without the sanction of the Catholic church. | ilungelo | noun | imvume noma ukuphasiswa kwesenzo esithile. | Umuntu onguMkhatholika angeke akwazi ukwehlukanisa uma eshadile engalitholile ilungelo elivela ebandleni lamaKhatholika. |
| sanction | noun | a punishment to make people obey laws or customs | The company threatened people who copied CDs with legal sanctions. | isijeziso | noun | unswinyo oluthile olungenza abantu ukuthi bahloniphe umthetho noma amasiko. | Inkampani iye yesabisa labo bantu abakopisha ama-CD ngesijeziso esisemthethweni. |
| sanction | noun | a punishment to make people obey laws or customs | Sanctions against all leagues and associations who did not adhere to basic safety principles were being considered. | isijeziso | noun | isijeziso sokwenza ukuthi abantu bathobele imithetho noma amasiko | Kwakucatshangelwa izijeziso ngokumelene nawo wonke amaqembu nezinhlangano ezingazange zithobele izimiso zokuphepha. |
| sanction | noun | permission or approval for an action | A Catholic cannot get divorced without the sanction of the Catholic church. | imvume | noun | imvume noma ukugunyazwa kwesenzo esithile | UMkatoliki akakwazi ukuba nesihlukaniso ngaphandle kwemvume yeSonto lamaKatolika. |
| sarcasm | noun | caustic mockery, intended to hurt | The following statement testifies to sarcasm: Wow, but you are too clever for words. Half of you fail the test with flying colours. | ukubhuqa | noun | ukwenza inhlekisa, okuhloselwe ukuthi kulimaze | Isitatimende esilandelayo sibonisa ukubhuqa: Hewu, nihlakaniphe kakhulu. Iningi lenu aliphumelelanga esivivinyweni ngamalengiso. |
| sarcastic | adjective | using irony in order to mock, saying the opposite of what is meant | Her sarcastic words were directed to half the class who failed their tests. | bhuqa | adjective | ukusebenzisa ukubhuqa ngendlela eyinhlekisa, ukusho okuphambene nalokho empeleni okuchazayo | Amagama wakhe abhuqayo wayehlosele labo abangazange baphumelele esivivinyweni ekilasini. |
| satellite | noun | a natural body in space, which revolves around a larger body | The moon is one of the earth's satellites. | isathelayithi | noun | yinto ethile esemkhathini, nezungeza umzimba omkhulu osemkhathini. | Inyanga ingenye yamasathelayithi omhlaba. |
| satellite | noun | a country, town or organisation controlled by a larger one | Many East European countries were Russian satellites. | izwe elilawulwa elinye | noun | izwe, idolobha noma inhlangano elawulwa ngenye enkulu kunayo. | Amazwe amaningi aseMpumalanga neYurophu ayelawulwa yizwe laseRashiya. |
| satellite | noun | a machine which has been sent into space and which revolves around a planet. | The weather satellite sent valuable information back to earth. | isathelayithi | noun | umshini othunyelwa phezulu emkhathini bese ulokhu uzungeza ujikeleza umhlaba. | Isathelaythi yesimo sezulu ithumele ulwazi olubalulekile lweza lapha phansi emhlabeni. |
| satellite | noun | a machine which has been sent into space and which revolves around a planet | The weather satellite sends valuable information back to earth. | isathelayithi | noun | umshini othunyelwe emkhathini futhi ozungeza ipulanethi. | Isathelayithi yesimo sezulu ithumela ulwazi olubalulekile emhlabeni. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| satire | noun | the practice of exposing human or social folly, shortcomings or malpractices in a mocking, ironic or sarcastic way | The column provides a platform for the editor to post a weekly satire about his enemies. | ukubhuqa | noun | indlela yokuveza ubuwula kwabantu noma kokuphila, amaphutha noma ukungaziphathi kahle ngendlela eyinhlekisa noma ebhuqayo | Iphephandaba linikeza inkundla yokuthi umbhali athumele okubhuqayo kwamaviki wonke mayelana nezitha zakhe. |
| satirical | adjective, adverb | mocking or challenging | a satirical style | bhuqayo | adjective, adverb | okuyinhlekisa noma okuyinselele | isitayela esibhuqayo |
| satirical | | making use of satire | The satirical style of Shapiro's political cartoons often upsets the politicians because their mistakes are unmasked. | kuyabhuqa | | ukusebenzisa ukubhuqa | Isitayela sokubhuqa sopopayi bezepolitiki sikaShapiro ngokuvamile sithukuthelisa osopolitiki ngoba kuvezwa ngokusobala amaphutha wabo. |
| satirise | verb | to criticise by means of satire | Cartoons generally satirise politicians' mistakes and human weaknesses. | bhuqa | verb | ukugxeka ngokubhuqa | Ngokuvamile opopayi babhuqa amaphutha wosopolitiki nobuthakathaka bomuntu. |
| satirise | verb | to make use of satire | Some sketches in newspapers satirise, among other things, the mistakes of politicians. | bhuqa | verb | ukusebenzisa ukubhuqa | Eminye imidwebo yephephandaba, ibhuqa, phakathi kwezinye izinto amaphutha wosopolitiki. |
| saturate | verb | to fill something or someone completely with something so that nothing more can be added | The market is saturated with cell phone manufacturers. | cinana | verb | ukugcwalisa umuntu noma into ethil ngento ethile ukuze kungabibikho okunye ngaphezulu okwengezwayo. | Imakethe icinene manje ngoba igcwele abakhandi bamaselula. |
| scan | verb | to look quickly at something, e.g. a text, to find relevant information | She scanned through the article to find information on the causes of global warming. | cinga | verb | ukubheka into ethile ngokushesha, isib. kungaba umbhalo, ukuze uthole ulwazi olushaya khona. | Wacinga nje embhalweni ukuze athole mayelana nezimbangela zesimo sokushisa komhlaba ezweni lonkana. |
| scan | verb | to produce an image of a document by making use of a hardware appliance which uses light or another means | The terminologist scans relevant scientific articles to build a corpus of academic words. | skena | verb | ukukhiqiza isithombe sedokhumenti ngokusebenzisa into ethile esamshini osebenzisa ukukhanya noma ezinye izindlela. | Umuntu osebenza ngokwenza amatemu ufika askene imibhalo ethile ukuze akhe umqingo wamagama asetshenziswa ezikhungweni zemfundo ephakeme. |
| scan | verb | to read with the eyes moving swiftly over the page in search of specific words | When you search for a snippet of information, you scan the text without reading every word. | bhekabheka | verb | ukufunda ngokuhambisa ngokushesha amehlo ekhasini ukucinga amagama athile | Lapho ufuna isifinyezo solwazi, uhlaziya ulwazi ngaphandle kokufunda igama ngalinye. |
| scanning | noun | swift eye movement over a page to search for specific words | Scanning is the technique to search for information in a text without reading every word. | ukubhekabheka | noun | ukuhambisa amehlo ngokushesha ekhasini ukucinga amagama athile | Ukubhekabheka kuyindlela yokucinga ulwazi embhalweni ngaphandle kokufunda igama ngalinye. |
| scenario | noun | an outline or synopsis of a play | The screenplay writer has completed three scenarios for three films. | isiqeshana | noun | isifinyezo noma iqoqa lomdlalo. | Umbhali wamafilimu useziphothulile iziqephu ezintathu zamafilimu amathathu. |
| scenario | noun | the description of an event or series of events that may serve as an example | The lecturer gave the students four different scenarios to which they had to apply the framework. | isithombe | noun | ukuchazwa kwento ethile noma kochungechunge lwezigameko okungenzeka zibe yisibonelo. | Uthisha wasenyunivesi wanika abafundi izithombe ezine nokwakufanele ukuthi bona basebenzele phezu kwazo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| schedule | noun | a list of times at which things are planned to occur | They completed the rocket launcher ahead of schedule. | isikhathi | noun | uhla lwezikhathi okuhlelwa ukuthi izinto zenzeke ngaso. | Baphothula ukwethula kwerokhethi singakashayi nokushaya isikhathi leso. |
| schedule | verb | to include something in a schedule | The airline scheduled extra flights over the holiday season. | shedula | verb | ukufaka into ethile kwisheduli. | Inkampani yezindiza yashedula ezinye izindiza ezengeziwe ngesikhathi samaholide kaKhisimusi. |
| schema | noun | an outline of a plan or a theory | This schema serves as an expectation frame for the project. | isikema | noun | isendlalelo sohlelo noma sethiyori. | Lesi sikema sisebenza njengento yohlelo lweprojekthi. |
| scheme | noun | an elaborate and systematic plan of action | Many people who work are members of a pension scheme. | isikimu | noun | uhlelo olubanzi noluyindlela ethile yokwenza okuthile. | Abantu abaningi abasebenzayo bangamalunga beskimu sempesheni. |
| science | noun | knowledge of phenomena and laws that are accepted as valid because they have been acquired through a systematic process of theorising, exact observation, experimentation, counterchecking and argumentation | In the exact sciences, researchers do not tend to make emotional statements. | isayensi | noun | ulwazi lwezenzakalo nemithetho eyamukelwa njengefanelekile ngoba kuye kwabhekabhekwa ngenqubo ehlelekile yokuhlaziya, ukuqaphela ngokuqondile, ukuhlola, ukubhekisisa nokubonisana | Kwezesayensi eziqondile, ngokuvamile abacwaningi abenzi izitatemendi ezingokomzelo. |
| scientific | adjective | based on science | The scientific nature of the conference was evident in the way speakers explained their findings within the framework of their research theory and experimental setup. | okwesayensi | adjective | okusekelwe kusayensi | Uhlobo lwezesayensi lwengqungquthela lwalubonakala endleleni izikhulumi ezachaza ngayo lokho ezikutholile phakathi nohlaka lombono wabo wocwaningo kanye nokwenza ukuhlola. |
| scope | noun | an area in which something operates or has power or control | The police expanded the scope of their investigation. | uhlelo | noun | indawo lapho into ethile isebenzela khona noma inamandla okuyilawula. | Amaphoyisa aseluvele lwenaba uhlelo lophenyo lwawo. |
| scope | noun | framework | The research undertaken by the postgraduate student does not fall within the scope of the Humanities. | izinga | noun | uhlaka | Ucwaningo olwenziwa abafundi abaneziqu zasenyuvesi aluweli phakathi kohlaka Lwezenhlalakahle zabantu. |
| scope | noun | the extent or range which is covered by a book, discussion, etc. | The scope of the research is impressive. | ububanzi | noun | izinga noma ububanzi okusingathwa incwadi, ingxoxo, njjl. | Ububanzi bocwaningo buhlaba umxhwele. |
| score | noun | the number of points you receive for a test or assignment | Students usually remain silent about their score for maths. | isikolo | noun | inani lamaphuzu owathola ekuhlolweni noma esivivinyweni | Ngokuvamile abafundi abathi vu ngamamaki wabo wezibalo. |
| secrete | verb | to produce a liquid substance | A skunk secretes a terrible smelling liquid. | khiqiza | verb | ukukhipha into ethile esaluketshezi. | Iqaqa likhiqiza iphunga elinuka kabi. |
| section | noun | one of several parts or pieces that fit with others | Where is the cleaning products section in this supermarket? | indawo | noun | olunye ucezu kwizingcezu ezikhona ezikwazi ukungena zihambisane nezinye. | Ngabe ikuphi indawo lapho kuhlala khona imikhiqizo yokuhlanza indlu kulesi sitolo? |
| section | verb | to separate something into smaller parts | They sectioned the book into 17 chapters. | ukwehlukanisa ngezigaba | verb | ukwehlukanisa into ethile ibe yizingcezu ezincane kakhulu. | Behlukanisa incwadi yaba izahluko eziyi-17. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| section | noun | separate part of a whole | The five sections of the physics textbook deal with five separate themes. | isigaba | noun | ingxenye ehlukile yokuphelele | Izigaba ezinhlanu zencwadi yesayensi zihlanganisa izihloko ezahlukahlukene ezinhlanu. |
| section | noun | one of several parts or pieces that fit with others | The council of elders manage a section of their lands as a game reserve. | isigaba | noun | okukodwa kwezingxenye eziningi noma izincezu ezenela kwezinye | Umkhandlu wababusayo uphethe isigaba sezindawo zabo njengesiqiwi. |
| sector | noun | a particular aspect of life or activity | There is a general shortage of doctors in the public sector. | umkhakha | noun | uhlelo oluthile lwempilo noma lomsebenzi. | Kunokushoda kakhulu kodokotela emkhakheni womphakathi. |
| secure | adj | free from danger or risk | He felt so secure in his job that he bought a new house. | okuphephile | adj | okungekho ngaphansi kwengozi noma kwengcuphe. | Wazibona ephephe kakhulu emsebenzini wakhe omusha kangangokuthi wabe esethemba umuzi omusha. |
| secure | verb | to obtain or achieve something | That division secured a major building contract. | ukuthola | verb | ukuthola noma ukuzuza okuthile. | Lowo mnyango phela yiwona owathola inkontileka yokwakha. |
| seek | verb | to try to do or find something | He sought to improve his English. | funa | verb | ukuzama ukwenza noma ukuthola into ethile. | Ufuna ukuzama ukwenza ngcono isiNgisi sakhe. |
| segment | noun | a smaller part of something | A segment of the painting was damaged. | ingxenyana | noun | ingxenye encane ethile. | Ingxenyana ethile yesithombe yalimala. |
| segment | verb | to divide something into smaller parts | She segmented the orange so that each child could have a piece. | hlukanisa | verb | ukwehlukanisa into ibe yizingxenye ezincane. | Wehlukanisa iwolintshi ukuze ingane ngayinye ikwazi ukuthola ucezu. |
| select | verb | to choose someone or something carefully | Twenty finalists were selected to compete in the next round. | khetha | verb | ukukhetha umuntu noma into ethile ngokucophelela. | Kwakhetha abangamashumi amabili ukuthi baqhudelane esigabeni esilandelayo. |
| select | adjective | carefully chosen according to certain standards | Dog breeders only use select dogs to maintain pedigreed bloodlines. | khetha | adj | okukhethwe ngokulandela izimiso ezithile. | Abafuyi bezinja basebenzisa kuphela izinja ezikhethekile ukuze bahlale benezinja zohlobo. |
| seminar | noun | meeting of experts and students in a specific field of study for discussion, research or hands-on practice | An entomology seminar will be held over the weekend on the spreading of weeds from Australia. | umhlangano | noun | umhlangano wochwepheshe nabafundi besifundo somkhakha othile, wezingxoxiswano, ucwaningo noma ukuphrakthiza ngokuqondile | Umhlangano wesayensi yezinambuzane uzobanjwa ngempelasonto ezayo mayelana nokwanda kokhula e-Australia. |
| sense | noun | the meaning or purpose of something | A regular reader understands the literal and figurative sense of words. | umqondo | noun | incazelo noma injongo yokuthile | Umfundi ovamile uqonda umqondo ongokoqoba ngisho nongokomfanekiso wamagama. |
| separate | verb | to divide into different parts or groups | The tour guide separated the group into smaller groups. | hlukanisa | verb | ukwehlukanisa kube yizingxenye ezahlukene noma amaqembu ehlukene. | Umbonisa ngezindawo yehlukanisa iqembu laba ngabaqenjana amancane. |
| separately | adverb | divided into different parts or groups | If you read analytically, you separate paragraphs, sentences and even words from each other to examine them separately. | ngokwehlukile | adverb | okuhlukaniswe kwaba izingxenye noma amaqembu ahlukile | Uma ufunda ngokuhlaziya, uhlukanisa izigaba, imisho ngisho namagama ukuze ukuhlolisise ngokwehlukile. |
| sequence | noun | a series of events, numbers or actions that follow in a particular order | Number each paragraph in the margin in order to indicate the correct sequence for the paragraphs. | into elandelanayo | noun | uchungechunge lwezigameko, lwezinombolo noma lwezenzo okuvumela uhlelo oluthile. | Bhala inombolo kwipharagrafu ngayinye ekuqaleni komugqa ukuze ubonise ukulandelana okuhle kwamapharagrafu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| sequence | noun | a series of events, numbers or actions that follow in a particular order | Bibliographical references must be arranged in alphabetical sequence according to authors' surnames. | imvamisa | noun | uchunge lwezenzakalo, izinombolo noma izenzo ezilandelana ngendlela ethile | Izinkombo zohlu lwezincwadi kufanele zihlelwe ngokulandelana kwama-alfabhethi kuya ngezibongo zababhali. |
| series | noun | a group of events or actions, especially happening one after another | The earthquake was followed by a series of smaller aftershocks. | uchungechunge | noun | iqembu lezigameko noma lwezenzo ikakhulukazi kwenzeka ngemuva kwesinye. | Ukuzamazama komhlaba kwalandelwa uchungechunge lokundindiza komhlaba okuncane ngemuva kwalokho. |
| shift | verb | to move from one position, opinion or situation to another | Public opinion has shifted: those who were in favour of the war are now opposing it. | gudluka | verb | ukunyakaza usuka kwenye indawo, umbono noma isimo uye kwesinye. | Umbono womphakathi uthe ukugudluka njengamanje: Labo ababekad befuna ukuthi kube nempi njengamanje sebephikisana nayo. |
| shift | noun | a move from one position, opinion or situation to another. | There has been a shift in voter opinion during the student elections. | ukuthinteka | noun | umnyakazo osuka kwenye indawo uya kwenye indawo noma uya kwenye indawo. | Sekube nokuthinteka embonweni wabavoti ngesikhathi sokhetho lwabafundi. |
| shift | noun | a move from one position, opinion or situation to another | There has been a shift in voter opinion during the student elections. | ushintsho | noun | ukushintsha esikhundleni esithile, umbono noma isimo kuya kokunye | Kube khona ushintsho emibonweni yabavoti phakathi nokhetho lwabafundi. |
| significance | noun | the importance or meaning of something | When World War II broke out, many people did not realise the significance this event would have over the course of history. | ukubaluleka | noun | ukubaluleka kwencazelo yokuthile | Lapho kuqubuka i-World War II, abantu abaningi abazange baqaphele ukubaluleka lesi senzakalo esoba nakho emlandweni. |
| significant | adj | important in effect or meaning | The increase in the petrol price will have a significant effect on food prices. | okukhulu | adj | okubalulekile kwinto okuyiyona noma kumqondo okuwushoyo. | Ukukhula kwamanani kaphethiloli kuzoba nomthelela omkhulu kumanani okudla. |
| significant | adjective | meaningful or important | When World War II broke out, many people did not realise how significant this event would be over the course of history. | babulekile | adjective | kuwusizo noma kubalulekile | Lapho kuqubuka i-World War II, abantu abaningi abazange baqaphele ukubaluleka lesi senzakalo esoba nakho emlandweni. |
| signify | verb | to be a sign of something. | In that particular culture her long hair signifies her status as an unmarried woman. | mela okuthile | verb | ukuba wuphawu lwento ethile. | Kulelo siko langalapho izinwele zakhe ezinde zimele isikhundla sakhe njengomuntu wesifazane ongashadile. |
| signify | verb | to be a sign of something | In that particular culture her long hair signifies her status as an unmarried woman. | khombisa | verb | ukukhombisa okuthile | Kulelo siko izinwele zakho ezinde zikhomba isimo sakhe njengowesifazane ongashadile. |
| similar | adj | like something else but not completely the same | They had similar experiences as students, even though they studied at different universities. | okufanayo | adj | okufana nento ethile kodwa yize kungefani ncamashi. | Babe nezimo ezifanayo njengabafundi, yize bafunda kumanyuvesi ehlukene. |
| similarity | noun | the state of being similar | There is no similarity between the data in your report and that of your colleague. | ukufana | noun | isimo sokufana | Akukho ukufana phakathi kwedatha esembikweni wakho naleyo yalowo osebenza naye. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| simulate | verb | reproduce the behaviour or appearance of something or someone | They used the model to simulate the effects of a hurricane on the area. | lingisa | verb | ukukhiqiza noma ukwenza into eyenziwe ngomunye umuntu noma ukubukeka njengoba omunye umuntu ebukekile. | Basebenzisa imodeli ukulingisa imithelela yenkanyamba endaweni. |
| simulate | verb | to imitate the nature of something | In the play, the students shook a piece of corrugated iron to simulate the sound of thunder. | lingisa | verb | ukulingisa uhlobo lokuthile | Embukiswaneni, abafundi banyakazisa ucezu lukathayela ukulingisa ukuduma kwezulu. |
| simulate | verb | to imitate the nature of something | In the beginner's course in German, the students are all given new German identities and then simulate a whole new biography. | lingisa | verb | ukulingisa uhlobo lokuthile | Esifundweni sabaqala eJalimane, bonke abafundi banikezwa ukuhlonzwa okusha kwesiJalimane bese belingisa umlando wokuphila omusha sha. |
| simulated | adjective | mimicked or imitated | Each time, my roommate is lucky enough to get a certificate from a gullible doctor after a brilliantly simulated stomach ache. | lingisiwe. | adjective | kulingisiwe | Njalo, engihlala naye unenhlanhla yokuthola isitifikiketi kusuka kudokotela okhohliseka kalula ngemva kokuzenza sengathi uphethwe isisu. |
| simulation | noun | continuous role play as part of a teaching or training situation | Nowadays one can buy books with interesting examples of simulations within the school context, the business context, etc. | ukulingiswa | noun | ukudlala indima eqhubekayo njengengxenye yokuba isimo sokufundisa noma sokuqeqesha | Kulezi zinsuku umuntu angathenga incwadi enezibonelo ezithakazelisayo zokulingisa zomongo wesikole, webhizinisi, njjl. |
| simulation | noun | imitation of a process | Experimental results have been analysed with computer simulations. | ukulungiswa | noun | ukulingisa inqubo | Imiphumela yokuhlolwa ihlaziywe ngokulingiswa kwekhompyutha. |
| simultaneous | adj | happening or existing at the same time. | The latest Star Wars movie had simultaneous premieres across the world. | kanyekanye | adj | okwenzeka noma okuphia ngesikhathi esifanayo. | Isithombe se-Star Wars sakamuva sibukiswa emabhoyisikobho kanyekanye emhlabeni wonke jikelele. |
| simultaneous | adjective | happening or existing at the same time | A clearing operation to remove intruder wattle trees and a simultaneous operation to close down the last remnants of the mine will start in early December. | ngesikhathi esifanayo | adjective | okwenzeka noma okukhona ngesikhathi esifanayo | Umsebenzisi wokuhlanza ngokususa izihlahla zikagamthilini ohlaselayo kanye nomsebenzi wokuvala izinsalela zemayini uzoqala ngoDisemba. |
| site | noun | a place where something important happened | Hiroshima is still visited by those wanting to see the site of the first atomic bomb attack. | isayithi | noun | indawo lapho into ebalulekile yenzeke khona. | IHiroshima isavakashelwa njalo yilabo abafisa ukubona isayithi yokuhlasela ngebhomu lokuqala le-othomu. |
| skeleton | noun | the framework of something | She has not even completed the skeleton of her new novel, let alone filled in the details. | uhlaka | noun | ukuma kwento ethile. | Sikhuluma nje akakaqedi ngisho uhlaka lwenoveli yakhe entsha, angiyiphathi-ke eyokufaka imininingwane. |
| sketch | noun | a short description of something | The abstract gives a brief sketch of the theoretical background. | isikeshi | noun | incazelo emfushane yento ethile. | Umqondo lo usinika isiketshi sethiyori yonkana. |
| sketch | verb | outline something briefly and roughly | She sketched her house. | isikeshi | verb | beka into ethile ngamafuphi nangokungahleleki kahle. | Wenza isikeshi sendlu yakhe. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| skill | noun | the ability to do something well or to master something difficult | The international researcher has also mastered the skill of charcoal sketching. | ikhono | noun | ikhono lokwenza kahle okuthile noma lokuba ingcweti yento enzima | Umncwaningi wasemazweni angaphandle uyingcweti yokudweba ngamalahle. |
| skillful | adjective | said of someone who has mastered something and can do it well | The international researcher is also skillful in the art of charcoal sketching. | nekhono | adjective | kubhekisela kumuntu onekhono lokuthile futhi okwazi ukukwenza kahle | Umncwaningi wasemazweni angaphandle uphinde futhi abe ingcweti yobuciko bokudweba ngamalahle. |
| skim | verb | to read something quickly to find the main points | Before I read the book, I skimmed through it looking at the main headings and illustrations. | engula | verb | ukufunda into ngokushesha ukuze uthole amaphuzu abalulekile; ukugijimisa amehlo. | Ngaphambi kokuba ngiyifunde incwadi, ngaqala ngathi ukuyengula ngibheka izihloko ezinkulu kanye nezithombe nemidwebo. |
| skim | verb | to read something quickly to find the main points | The student quickly skims the synopsis of the article to see if it is relevant to her own topic. | bhekabheka | verb | ukufunda okuthile ngokushesha ukuze uthole amaphuzu ayinhloko | Umfundi ubhekabheka ngokushesha amazwibela wesihloko ukubona ukuthi ahlobene yini nesihloko sakhe. |
| skim | verb | page through | Before I read the book, I skimmed through it looking at the main headings and illustrations. | | | | |
| society | noun | group of people with more or less the same interests and values | The values within a society normally influence the thinking of individuals within that society. | umphakathi | noun | iqembu labantu cishe elinezithakazelo noma izimiso ezifanayo | Ngokuvamile izimiso zomphakathi zithonya ukucabanga kwabantu ngabanye emphakathini. |
| solution | noun | the way to solve a problem | The solution to social issues is partly the responsibility of academics. | isisombululo | noun | indlela yokuxazulula inkinga | Isisombululo sezinkinga zezenhlalo ngokweyingxenye siyisibopho sabazemfundo. |
| solvable | adjective | possible to solve | Social problems are only solvable if experts and academics work together. | xazululekayo | adjective | okungaxazululeka | Izinkinga zezenhlalo zingaxazululeka kuphela uma ochwepheshe nabezemfundo besebenzisana. |
| solve | verb | deal with a difficult situation | The end of poverty will largely solve the problem of hunger. | sombulula | verb | indlela yokubhekana nesimo esinzima ukusombulula inkinga. | Ukuphela kobubha kuyofezekisa kakhulu inkinga yokulamba. |
| solve | verb | to find a solution for problem | One of the most important tasks of the researcher is to solve research problems. | xazulula | verb | ukuthola isixazululo senkinga | Eminye yemisebenzi ebaluleke kakhulu yomncwaningi ukuxazulula izinkinga zocwaningo. |
| sophisticated | adj | showing or having a lot of experience of the world or of social situations | The demand for delicacies has risen with the emergence of a sophisticated urban population. | ukuba nolwazi ngezinto eziningi | adj | ukubonisa ukuba nesipiliyoni esiningi ngomhlaba kanye nezinye izimo zenhlalo. | Isidingo zokuthi kube nezibiliboco siphakeme kakhulu njengoba sekunabantu abanolwazi ngezinto eziningi emadolobheni nje. |
| sophisticated | adj | complicated; cleverly designed | Sophisticated software is needed to do this kind of work-flow simulation. | okunkimbinkimbi | adj | okumbaxa ngokuxakayo; okuklanywe ngobuhlakani. | I-software enkimbinkimbi iyadingeka ukwenza lolu hlobo lokulingisa ukuhamba kahle. |
| sophisticated | adjective | complicated or cleverly designed | Sophisticated software is needed for this kind of work-flow simulation. | nkimbinkimbi | adjective | okuyinkimbinkimbi noma okuklanywe ngobuhlakani | Isofthiwe eyinkimbinkimbi iyadingeka kulokhu kulingiswa kwendlela yokusebenza. |
| source | noun | the place from which something comes. | Oranges are a very good source of vitamin C. | umthombo | noun | indawo lapho into ethile iqhamuka khona. | Amawolintshi angumthombo omuhle kakhulu kaVithamini C. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| source | noun | the cause of something | A fractured femur was the source of the pain. | umthombo | noun | imbangela yento ethile. | Ithambo elephukile kwakuyiwona mthombo wobuhlungu. |
| source | noun | a person or document that provides information | Good journalists never reveal their sources. | umthombo | noun | umuntu noma idokhumnti ehlinzeka ngolwazi oluthile. | Intatheli enhle ayilokothi idalule imithombo yayo. |
| source | noun | original text | The thorough student always indicates his sources in a bibliography. | umthombo | noun | umbhalo ongokoqobo | Umfundi owenza kahle njalo ubonisa imithombo yakhe kuhlu lwezincwadi. |
| source | noun | the place from which something comes | Oranges are a very good source of vitamin C. | umthomo | noun | indawo okuthile okuvela kuyo | Amawolintshi awumthombo omuhle kakhulu wevithamini C. |
| spatial | adj | concerning the position, size or shape of something | To be a good architect, you need to have fine spatial awareness. | okuthinta indawo | adj | okumayelana nendawo, nosayizi noma nokuma noma umfanekiso. | Ukuze ube umdweni wamapulani omuhle, kudingeka ukuthi wazi ngezinto ezithinta indawo. |
| speaker | noun | somebody who speaks or reads a paper | Three speakers from our law faculty delivered brilliant papers at an international conference. | isikhulumi | noun | umuntu okhulumayo noma ofunda ingxoxo | Izikhulumi ezintathu zasesikhungweni sethu sezomthetho zethula igxoxo enhle kakhulu engqungqutheleni yamazwe wonke. |
| specific | adj | distinguishing something particular or special or unique | In order to report the case they need the specific time of the incident. | okunembayo | adj | Ukwehlukanisa into ethile ekhethekile noma eyisipesheli noma eyehlukile. | Ukuze bakwazi ukubika ngaleli cala badinga isikhathi esinembayo sokwenzeka kwesigameko. |
| specific | adjective | defined clearly | Students should support their statements with specific facts. | thize | adjective | okuchazwe ngokucacile | Abafundi kufanele basekele izitatimende zabo ngalwazi oluthile. |
| specific | adjective | particular, exact or detailed | In order to report the case they need the specific time of the incident. | | | | |
| specifically | adverb | particular, exact or detailed | I specifically like the author’s style, because it’s simple and self-explanatory. | ngokukhethekile | adverb | okuthize, okunembile noma okungiliziwe | Ngithanda ngokukhethekile isitayela sombhali, ngoba silula futhi siyazichaza. |
| specification | noun | description or detailed expression of something | Only a mathematical specification of the distance between galaxies will make man realise the enormity of the universe. | ukucacisa | noun | incazelo noma ukuchazwa okuningiliziwe kokuthile | Ngukucacisa kwezibalo kwebanga phakathi kwemthala kuphela okuzokwenza ukuthi umuntu aqaphele ubukhulu bembulunga yonke. |
| specification | noun | detailed description | I miss a clear specification of the steps you followed in your research. | ukucacisa | noun | incazelo eningiliziwe | Ngiphuthelwe incazelo ecacile yezinyathelo ozilandelile ocwaningweni lwakho. |
| specified | adjective | that has been stated or set | The specified date does not suit all members. | cacisiwe | adjective | okubonisiwe noma okuveziwe | Usuku olucacisiwe alufaneli wonke amalungu. |
| specify | verb | to state a fact clearly or identify something clearly | The rescue team needed the GPS coordinates to specify the exact location of the plane crash. | nemba | verb | ukusho into njengeqiniso icace bha noma ukuhlonza into ngokucacile. | Ithimba lokutakula lalidinga ama-GPS coordinates ukuze asho ngokunembayo ukuthi indiza yayiwele kuphi ncamashi. |
| specify | verb | to describe in detail | You need to specify more clearly which chemicals you need in the laboratory. | cacisa | verb | ukuchaza ngokuningiliziwe | Kufanele ucacise nakakhulu ukuthi yimaphi amakhemikhali owadingayo elebhu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| spectrum | noun | a range of opinions or beliefs relating to the same subject | People across the political spectrum voted in favour of sanctions against countries that are guilty of the gross violation of human rights. | umkhakha | noun | inqwaba yemicabango noma yezinkolelo mayelana nesihloko esifanayo. | Abantu kuyona yonke imikhakha yezepolitiki abavota beseka unswinyo olubhekiswe kumazwe atholakala enecela ngokuhlukumeza amalungelo abantu. |
| speculate | verb | to buy or sell goods or shares in the hope of making a profit | He has speculated very successfully on the stock market in the past. | qagela | verb | ukuthenga noma ukuthengisa izimpahla noma amasheya ngethemba lokuthi uzokwenza inzuzo. | Lowo uqagele ngempumelelo kwimakethe yezezimali phambilini. |
| speculate | verb | to form an opinion without knowing all the facts | One can only speculate as to whether these circumstances will influence future events. | qagela | verb | ukwenza umbono kodwa ube ungawazi wonke amaqiniso. | Into esingayenza nje ukuthi umuntu angaqagela ukuthi kusengenzeka ukuthi lezi zimo kungenzeka zibe nomthelela kwizigameko zangomuso. |
| sphere | noun | area influenced by a particular person or organisation | The United States’ sphere of influence stretches across the entire globe. | imbulunga | noun | indawo ethonywa ngumuntu noma inhlangano ethile | Ithonya lase-United States lifika embulungweni yonke. |
| sphere | noun | the area influenced by a particular person or organisation | The United States' sphere of influence stretches across the entire globe. | umkhathi | noun | indawo ekukwazi ukuthi umuntu noma inhlangano ethile ikwazi ukuyilawula. | Umkhathi wokuba nomthelela wezwe laseMelika uhamba unqamule njalo umhlaba wonke. |
| spirit | noun | the non-physical part of a human as the seat of emotions | No brain surgeon has ever been able to physically indicate the seat of the human spirit. | umoya | noun | ingxenye engokomoya yomuntu eyindawo yemizwelo | Akekho udokotela wengqondo okwazi ukubonisa ngokuqondile lapho kukhona khona umoya womuntu. |
| spirit | noun | school of thought of a certain time in history | Some students clearly felt the university had imperialist connotations and should change in accordance with the spirit of the times. | umoya | noun | umbono wesikhathi esithile emlandweni | Abanye abafundi bazizwa sengathi inyuvesi yayinemiqondo yomhlaba wonke futhi kufanele ishintshe ngokuvumelana nomoya wokuhambisana nezikhathi. |
| spiritual | adjective | in a way that relates to the spirit or soul | Spiritual preparation is just as important as intellectual commitment. | ngokomoya | adjective | ngendlela ehlobene nobumoya noma umphefumulo | Ukulungiselela okungokomoya kubaluleke njengokuzimisela okungokwengqondo. |
| spiritualise | verb | to take something spiritually | The balanced person maintains the balance between spirit and flesh by not wanting to spiritualise everything that happens. | yenza kube ngokomoya | verb | ukwenza okuthile kube okungokomoya | Umuntu onokulinganisela ugcina isilinganiso phakathi kobumoya nomzimba ngokungenzi ukuthi yonke into eyenzakalayo ibe engokomoya. |
| stable | adj | resistant to change of position or condition | She has a very stable temper and hardly ever becomes upset. | ukuba nomoya ophansi | adj | ukugolozela ushintsho lwendawo noma lwesimo. | Unomoya ophansi kabi lowo futhi akajwayele nje ukucasuka. |
| standard | noun | level of competence or expertise | What is the standard of academic language proficiency that universities expect from first-year students? | isimiso | noun | izinga lokufaneleka noma ubungcweti | Siyini isimiso sokukhuluma kahle ulimi inyuvesi esilindele kubafundi bonyaka wokuqala? |
| standardise | verb | establish a norm | Access tests that determine students’ language and numeracy skills should be standardised, otherwise they are of little value. | yenza kuvame | verb | ukwenza kube into evamile | Ukuhlolwa kokungena okuhlola amakhono wolimi nezibalo wabafundi kufanele kwenziwe into evamile, kungenjalo akuzuzisi neze. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| standardise | verb | raise something to the required level | Universities will have to standardise a minimum entry level through entrance tests. | yenza kuvame | verb | ukwenza okuthile kube into edingekayo | Kuzofanele ukuthi amanyuvesi enze izinga lokungena eliphansi libe okuvamile ngokuhlolwa kokungena. |
| standardised | adjective | which meets certain set standards | Standardised access tests are used overseas to establish first-year access levels at universities. | kwenziwe into evamile | adjective | okuhlangabezana nezimiso ezithile ezimisiwe | Ukuhlolwa kokungena okwenziwe into evamile kusetshenziswa emazweni angaphandle ukuthola amazinga wokungena enyuvesi wonyaka wokuqala. |
| starve | verb | to suffer because of a mental or spiritual need, or to crave something | She was starved of stimulating conversation. | lamba | verb | ukuthikamezeka ngenxa yesidingo somqondo noma sangokomoya noma ukuhalela into ethile. | Walanjiswa nje wangayithola ingxoxo enyakazisa umqondo. |
| starved | verb | to suffer because of a mental or spiritual need, or to crave something | She was starved of stimulating conversation. | | | | |
| state | verb | to say something formally | Please state your relationship to the defendant. | beka | verb | ukusho into ngokusemthethweni. | Sisacela ubeke ukuthi uhlobene kanjani nommangalelwa. |
| state | verb | speak or write something with certainty | The student who states his argument logically, is able to formulate his view unambiguously. | bonisa | verb | khuluma noma bhala okuthile ngokuqiniseka | Umfundi obonisa ingxoxo yakhe ngokunengqondo, uyakwazi ukwakha umbono wakhe ngendlela eqondakalayo. |
| stated | adjective | something that has been said or written with certainty | The listeners were impressed with his clearly stated view on the contentious subject. | bonisiwe | adjective | okuthile okushiwo noma okubhalwe ngokuqiniseka | Abalaleli babehlatshwe umxhwele indlela abonisa ngayo ngokucacile umbono wakhe ngesihloko esiphakamisa impikiswano. |
| statement | noun | something that you say or write that gives information about something | The company issued a formal statement concerning the allegations of fraud. | isitatimende | noun | yinto ethile oyishoyo noma oyibhalayo enika ulwazi mayelana nento ethile. | Inkampani yakhipha isitatimende esisemthethweni mayelana nezinsolo zokukhwabanisa. |
| statement | noun | something that you say or write that gives information about something | Even though you are sure of your statement, you need to substantiate it with facts to persuade your reader or listener. | isitatimende | noun | okuthile okushoyo noma okubhalayo okunikeza ulwazi mayelana nokuthile | Nakuba uqinisekile ngesitatimende sakho, kufanele usifakazele ngamaqiniso ukuze ukholise umfundi noma umlaleli wakho. |
| stationary | adjective | not moving | The bus, having run out of fuel, was stationary. | okumile | adj | okungahambi. | Kwathi lapho ibhasi isiphelelwe wuphethiloli. |
| statistical | adjective | relating to the use of statistical data | The supervisor looks forward to reviewing the statistical processing of the data. | ngokwezibalo | adjective | okuhlobene nokusebenzisa idatha yezibalo | Induna ibheke phambili ekubuyekezeni ukucutshungulwa ngokwezibalo kwedatha. |
| statistics | noun | a collection of information shown in numbers | Official statistics state that two out of every three marriages in South Africa end in divorce. | izibalo | noun | iqoqo lolwazi olubonisWa ngezinombolo. | Izibalo ezisemthethweni zithi imishado emibili kwemithathu eNingizimu Afrika iphela ngedivosi. |
| statistics | noun | method that collects and reproduces data in terms of numbers, figures and graphs | Statistics can be used to determine how many students who enroll at a university eventually obtain a degree. | izibalo | noun | indlela eqoqa ulwazi futhi ekhiqiza kabusha idatha ngokwezinombolo, izibalo namagrafu | Izibalo zingasetshenziswa ukuthola ukuthi bangaki abafundi ababhalisa enyuvesi ukuze ekugcineni bathole isiqu. |
| status | noun | a state at a particular time | Please give me an update on the status of the loan application. | isimo | noun | yisimo ngesikhathi esithile. | Ngisacela ukuthi ungazise ngesimo sakamuva sesicelo semalimboleko. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| status | noun | one’s social, legal or professional rank | He is very proud of the high status he has achieved in the company. | isikhundla | noun | izinga elinikwa umuntu ngokwenhlalo, ngokomthetho noma ngokomsebenzi. | Uziqhenya kakhulu ngesikhundla esiphezulu asizuze enkampanini. |
| stereotype | noun | a fixed idea as to how a certain type of person should be or act | The idea that all Irish drink a lot is an unfair stereotype. | ukusho okungesikhona ngomuntu | noun | umqondo ogxilile ngokuthi umuntu uluhlobo luni lomuntu; imvamisa lo mqondo uyaye ungabi liqiniso. | Umqondo wokuthi bonke abantu base-Ireland baphuze baze balale khona ukusho okungesikhona ngabo. |
| stereotype | noun | fixed image of something or someone | Our mathematics lecturer is the stereotype of a scattered professor. | bopha ngabhande linye | noun | inkolelo engashintshi ngokuthile noma othile | Umfundisi wethu wezibalo ungumuntu ofana noprofesa ogxile embonweni wakhe. |
| stereotype | verb | to make assumptions about people or situations without regard to context | In a multi-cultural society, one must be careful not to stereotype people because they do not think, look or act like yourself. | ukubopha ngabhande linye | verb | ukucabangela abantu noma izimo ngaphandle kokubheka umongo | Emphakathini onamasiko amaningi, umuntu kufanele aqaphele ukuthi angabophi abantu ngabhande linye ngoba abacabangi, ababukeki noma abaziphathi njengawe. |
| stereotyped | adjective | relating to a stereotype | The stereotyped image of the man is that of the selfish and unfaithful chauvinist. | bopha ngabhande linye | adjective | okuhlobene nokubopha ngabhande linye | Isithombe sokubopha ngabhande linye umuntu esokuba nobugovu nokuzibona ungcono kunabanye. |
| stereotyped | adjective | well-worn or overused | People no longer want to hear stereotyped phrases. | bopha ngabhande linye | adjective | okusetshenziswe ngokweqile | Abantu abasafuni ukuzwa ngemishwana esetshenziswe ngokweqile. |
| stereotyping | noun | presentation of something or someone as a stereotype | Note the stereotyping in his categorical statements. | ukubopha ngabhande linye | noun | ukubheka okuthile noma othile ngokubopha ngabhande linye | Qaphela ukubopha ngabhande linye ezitatimendini zakhe zesigaba. |
| stimulate | verb | to make something or someone more active | Job creation is of the utmost importance to stimulate economic growth. | vukuza | verb | ukwenza into ethile noma umuntu othile asebenze kakhulu. | Ukwakhiwa kwemisebenzi kubaluleke kakhulu ekuvukuzeni ukukhula komnotho. |
| stipulate | verb | to state clearly that something must be done and how it must be done as part of an agreement | The contract stipulated that each employee is responsible for his or her own transport. | beka | verb | ukusho kucace ukuthi into ethile kufanele ukuthi yenziwe kanye nokuthi kufanele ukuthi yenziwe kanjani njengengxenye yesivumelwano. | Inkontileka yayibeka ukuthi umsebenzi ngamunye kufanele ukuthi azifunele yena ngokwakhe into yokuhamba. |
| stipulate | verb | to state explicitly | The regulations of the university clearly stipulate that students may not be guilty of misconduct. | chaza | verb | ukuchaza ngokucacile | Imithetho yenyuvesi ichaza ngokucacile ukuthi abafundi bangase bangabi necala lokuziphatha okubi. |
| stipulated | adjective | something that has been specified | According to the stipulated regulations, no student may be guilty of misconduct. | chaziwe | adjective | okuthile okuchaziwe | Kuya ngemithetho echaziwe, akekho umfundi okufanele abe necala lokuziphatha kabi. |
| stipulation | noun | something which has been stipulated | It is a clear stipulation from the university that a student may not be guilty of misconduct. | ukuchaza | noun | okuthile okuchaziwe | Kucaciswe kahle inyuvesi ukuthi umfundi angase angabi necala lokuziphatha kabi. |
| straightforward | noun | not difficult and easy to understand | There are a number of straightforward techniques to analyse the data. | okuqondile | noun | okungekho nzima; okulula ukukuqonda. | Kunezindlela eziningi eziqondile zokuhlaziya imininingo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| strange | adjective | extraordinary | The students don’t understand the lecturer due to his strange pronunciation. | mangazayo | adjective | okungavamile | Abafundi abamqondi umfundisi ngenxa yokuphimisela kwakhe amagama okumangazayo. |
| strategic | noun | done as part of a plan to achieve a specific goal | Management must come up with a strategic plan to save the company from bankruptcy. | okuyicebo | noun | indlela yokwenza into ethile, imvamisa njengohlelo, ukuze kuzuzwe inhloso ethile. | Abaphathi kufanele ukuthi baqhamuke necebo eliyiqhinga ukuhlangula inkampani ukuze ingangeni ogebeni lokuba hlwempu. |
| strategic | adjective | relating to long-term goals and how to achieve them | The strategic reader knows what to do when she encounters difficult words in a text. | hlela | adjective | ngokuhlobene nemigomo yesikhathi eside nendlela yokuthi uzowafinyelela kanjani | Umfundi ohlakaniphile uyakwazi lokho okufanele akwenze lapho ebhekana namagama anzima embhalweni. |
| strategist | noun | a person who is skilled in planning | The effective thinker acts as a true strategist to solve problems and crises. | umhleli | noun | umuntu onekhono lokuhlela | Umuntu ocabanga ngokuphumelelayo uzenza umhleli ofanele ukuxazulula izinkinga nezingqinamba. |
| strategy | noun | an elaborate and systematic plan of action | The strategy for the research involved a case study that employed individual interviews, document analysis and a questionnaire. | icebo | noun | uhlelo olubanzi lokwenza okuthile okuyicebo elibalulekile. | Icebo locwaningo lalifaka phakathi udaba oluthile okwabhekwana nalo olwalumayelana nemibuzo eyayibuzwa abantu, ukuhlaziywa kwamadokhumenti kanye nephepha lemibuzo. |
| strategy | noun | elaborated overall plan to achieve a specific goal | The effective reader’s reading strategy contains a number of techniques that are determined by his or her reading purpose. | uhlelo | noun | uhlelo oluningiliziwe lokufinyelela umgomo othile | Uhlelo lomfundi ophumelelayo lunezindlela ezahlukahlukene ezinqunywa injongo yakhe yokufunda. |
| stratum | noun | a class in society | Workers in the lower strata are always the most vulnerable. | izinga | noun | ikilasi elithile emphakathini. | Abasebenzi abasemazingeni aphansi yibona kanye abahlala bethinteka kakhulu. |
| stress | noun | difficulty that causes worry or emotional tension | He is suffering from examination stress. | ingcindezi | noun | ubunzima obenza ukuthi kube nokuphatheka kabi kwasemoyeni. | Uhlaselwe yingcindezi yezivivinyo. |
| stress | noun | the pressure put on something that may cause it to lose its form or break | The stress on the concrete caused the bridge to crack. | ukusindwa | noun | amandla abekwa kwinto ethile okungenzeka ukuthi ayenze ukuthi ilahlekelwe wukuma kwayo noma idabuke. | Ukusindwa okwakukukhonkolo kwenza ukuthi ibhuloho livele lidabuke. |
| stress | verb | to place special importance on something | The professor stressed the importance of attending all lectures and tutorial sessions. | gcizelela | verb | ukubeka ukubaluleka okukhethekile kwinto ethile. | Usolwazi wagcizelela ukubaluleka kokungaphuthi emakilasini kanye nakwizikhawu zokucobelelana ngolwazi. |
| striking | adjective | noticeable because it is attractive, interesting or unusual | It was a striking scene. | hlaba umxhwele | adjective | okubonakalayo ngoba kuyakhanga, kuyathakazelisa noma akuvamile | Kwakukhanga ngempela. |
| striking | adjective | making a positive or unusual impression | Provincial governments have made striking progress in improving financial management. | hlaba umxhwele | adjective | ukwenza umbono omuhle noma ongavamile | Ohulumeni bezifundazwe benze inqubekela phambili ehlaba umxhwele ekuthuthukiseni ukuphathwa kwezimali. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| structural | adjective, adverb | relating to the structure | A text with structural defects will fail as a text. | ngokwesakhiwo | adjective, adverb | okuhlobene nesakhiwo | Umbhalo ongahlelwanga kahle ngeke uphumelele. |
| structuralism | noun | intellectual approach to language, literature, society, etc., which focuses on relationships between different elements in a conceptual system | According to structuralism, elements of human life can only be understood in terms of their relationship to a universal structure. | i-structuralism | noun | ukubheka ngokuhlakanisa ulimi, umbhalo, ezenhlalo, njjl. okugxile ebudlalwaneni phakathi kwezici ezahlukahlukene ohlelweni lomqondo | Kuya nge-structuralisim, izici zokuphila komuntu zingaqondwa kuphela kuya ngobudlelwano bakhe nokwakhekha kwendawo yonke. |
| structuralist | adjective | according to the theory of structuralism | The structuralist mode of thinking, especially after 1950, began to be strongly reflected in disciplines such as anthropology, philosophy, psychology, literary criticism, economics and architecture. | i-structuralist | adjective | ngokuhlobene nombono we-structuralism | Indlela yokucabanga ye-structuralist, ikakhulukazi ngemva kuka-1950, yaqala ukuboniswa ngokunamandla ezifundweni ezifana nesayensi yokuba khona komuntu, isayensi, yokusebenza kwengqondo, ukugxeka ukubhala, ezomnotho nokwakhekha. |
| structure | noun | the way in which the parts of something are connected or organised | The main headings are an indication of the structure of the report. | uhlaka | noun | indlela izingxenye zento ethile zixhumeke ngakhona noma zihleleke ngakhona. | Izihloko ezinkulu ziyisibonelo zohlaka lombiko. |
| structure | verb | to organise something into a particular pattern | An organisation is typically structured according to its main functions or purposes. | hlela | verb | ukuhlela into ethile ibe yiphethini ethile. | Inhlangano ngokuvamile ihlelwa ngokwemisebenzi yayo noma ngokwezinhloso zayo. |
| structure | verb | to build something systematically | The student structures her assignment into three parts that are closely connected. | isakhiwo | verb | ukwakha okuthile ngendlela ehlelekile | Umfundi wakha isabelo sakhe sibe izingxenye ezintathu ezixhumanayo. |
| structure | noun | arrangement according to a plan or system | Students must pay close attention to the structure within which they build their arguments. | isakhiwo | noun | ukuhleleka kuya ngohlelo noma isistimu | Abafundi kufanele banakisise ukwakheka kwezimpikiswano zabo. |
| structured | adjective | relating to a structure | The student's careful and structured thinking impressed the lecturer. | kwakhiwe | adjective | okuhlobene nesakhiwo | Ukucabanga ngokucophelela nokuhlelekile komfundi kwajabulisa umfundisi. |
| structuring | noun | arrangement according to a plan or system | The logical structuring of ideas in an academic essay is an important requirement. | ukwakha | noun | ukuhlela ngokuvumelana nohlelo noma isistimu | Ukwakhiwa ngokunengqondo kwemibono endatsheni yezemfundo kuyimfuneko ebaluleke kakhulu. |
| style | adj | to make or do something in a particular way | He was wearing an elegantly styled jacket. | okwenziwe kwaba yisitayela | adj | Ukwenza into ethile ngendlela ethile ekhethekile. | Wayegqoke ijakhethi eyayenziwe yaba yisitayela ngendlela enhle. |
| style | verb | a distinctive way of doing or presenting something | She continues to use a journalistic writing style in her essays, instead of an academic style. | indlela | verb | indlela eyehlukile yokwenza into ethile noma yokwethula into ethile. | Usaqhubeka nokusebenzisa indlela yokubhala enobuntatheli phakathi uma ebhala ama-eseyi akhe, esikhundleni sokuba ngabe phela manje usebenzisa indlela yokubhala esetshenziswa yizifundiswa. |
| style | verb | to make or do something in a particular way | He has tried to style the movie as a Fifties comedy. | isitayela | verb | ukwenza into ngendlela ethile | Uzame ukwenza ifilimu njengehlaya lekhulu leminyaka Emihlanu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| subdivide | verb | to divide into parts | The huge group of chemistry students has been divided into several smaller classes. | yehlukanisa futhi | verb | ukwehlukanisa kube yizingxenye. | Iqembu elikhulu labafundi abayi-100 besifundo se-chemistry selehlukaniswe laba amakilasi amancanyana amaningi. |
| subject | noun | main point being talked or written about | The subject of the congress was alcohol abuse. | isihloko | noun | iphuzu eliyinhloko okukhulunywa noma okubhalwa ngalo | Isihloko sengqungquthela sasimayelana nokuphuza ngokweqile. |
| subjectify | verb | to make something into a personal matter | Over-emotional people tend to subjectify other people's words, because they take everything too personally. | yenza kube okomuntu siqu | verb | ukwenza into ethile ibe eyomuntu siqu | Abantu abazwela ngokweqile bavamise ukwenza amagama abanye abantu abe awomuntu siqu, ngoba bazwela ngayo yonke into. |
| subjective | adj | existing in the mind and not created by external conditions | Her belief that everyone is plotting against her is purely subjective. | okomuntu yedwa | adj | okukhona emqondweni futhi okungakhiwe yizimo zangaphandle. | Le nkolelo yakhe yokuthi wonke umuntu umbophela amanqina enyathi yinto yakhe yedwa nje. |
| subjective | adjective | beased on personal opinions or feelings | A judge may never allow his subjective opinions to influence his judgment. | ngokomuntu siqu | adjective | okususelwe emibonweni noma imizwa yomuntu siqu | Umahluleli akufanele avumele ukuthi imibono yakhe yomuntu siqu ithonye ukwahlulela kwakhe. |
| subjectivity | noun | tendency to view a matter solely from a personal point of view | The subjectivity of his essay was a serious impediment. | ngokomuntu siqu | noun | ukubheka udaba ngokombono womuntu siqu kuphela | Ukuba okomuntu siqu kwendatshana yakhe kwaba isithiyo esikhulu kakhulu. |
| submission | noun | the action of providing somebody in authority with a document that they have to consider or judge | The service provides for the electronic submission of tax returns and payments via the Internet. | nikeza | noun | isenzo sokunikeza onegunya idokhumenti okufanele ayicabangele noma ayahlulele | Insizakalo ihlinzeka ngokuthunyelwa kwentela ngogesi futhi nokukhokha nge-Inthanethi. |
| submit | verb | to provide somebody in authority with a document that they have to consider or judge | Students should read through their assignments before submitting them to their lecturers. | thumela | verb | ukunika umuntu osesikhundleni esiphezulu idokhumenti okufanele ukuthi bayibheke noma bayahlulele. | Abafundi kufanele bayifundisise imisebenzi yabo ngaphambi kokuba bayithumele kothisha babo basenyuvesi. |
| submit | verb | to provide somebody in authority with a document that they have to consider or judge | The Security Committee will submit its proposal to Parliament tomorrow. | thumela | verb | ukunikeza othile onegunya idokhumenti okufanele ayicabangele noma ayahlulele | Ikomidi Lokuvikeleka lizothumela isicelo salo ePhalamende kusasa. |
| submitted | adjective | handed over for consideration or assessment | One band chosen from the submitted demos will be invited to perform. | thunyelwe | adjective | kuthunyelwe ukuze kucatshangelwe noma kuhlolwe | Ibhendi yomculo eylodwa ekhethwe phakathi kwama-demo athunyelwe izomenywa ukuthi idlale kusasa. |
| subordinate | adj | of less importance | Many people still believe that women are subordinate to men. | okungaphansi | adj | okubaluleke kancane. | Abantu abaningi basakholelwa ukuthi abantu besifazane bangaphansi kwabantu besilisa. |
| subordinate | noun | a person who is of lesser importance or rank to someone else | Subordinates report to middle-managers, who, in turn, report to managers. | umsebenzi ongaphansi ngesikhundla | noun | umuntu obaluleke kancane kunomunye noma onezinga eliphansi ngokomsebenzi noma ngokwesikhundla. | Abasebenzi abaphansi ngezikhundla babika kubaphathi abaphakathi nendawo, bese kuthi labo baphathi abaphakathi nendawo bona babike kubaphathi. |
| subordinate | verb | lower in rank or importance | She was subordinated because her absenteeism from work was beginning to be a problem. | ukwehliswa esikhundleni | verb | ukuba phansi ngokwezinga noma ngokokubaluleka. | Wehliswa esikhundleni ngoba ukuphutha kwakhe emsebenzini kwase kuqala ukuba yinkinga. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| subordination | noun | the action of treating somebody as less important | The subordination of slaves to their masters was an accepted practice in the 17th century. | ukuphatha kabi | noun | ukuphatha omunye umuntu kube sengathi akabalulekile kakhulu. | Ukuphathwa kabi kwezigqila ngobasi bazo kwakuyinto eyayenziwa neyemukelekile ngeminyakakhulu ye-17. |
| subsequent | adj | following in time or order | The measures were implemented subsequent the hurricane in 2019. | ngemuva | adj | okulandelanayo ngokohlelo. | Izinto lezi zafakwa ngemuva kwesiphepho sangonyaka ka 2005. |
| subsequent | adjective | following in time or order | During his State of the Nation address to Parliament last week and in subsequent interviews, the President made several promises. | landelayo | adjective | okulandelayo ngokwesikhathi noma ukuhleleka | Phakathi Nenkulumo yakhe Yezwe ePhalamende evikini eledlule futhi nezingxoxo ezalandela, Umongameli wenza izithembiso ezimbalwa. |
| subsequently | adverb | following in time or order | Subsequently the focus will be on fire prevention. | ngokulandelayo | adverb | okulandelayo ngokwesikhathi noma ukuhleleka | Ngokulandelayo kuzogxilwa ekugwemeni imililo. |
| subsidy | adjective | a grant paid to an enterprise | The theatre was forced to close when the government withdrew its subsidy. | uxhaso | adj | isibonelelo esihlinzekwa nguhulumeni kwinkampani ethile. | Ithiyetha kwaphoqeleka ukuba ivalwe uma uhulumeni ehoxisa uxhaso lwakhe kuyo. |
| substitute | noun | a person or thing that can take the place of another | Since corn syrup was not freely available in the country it had to be substituted by molasses. | okungena esikhundleni sokunye | noun | umuntu noma into ekwazi ukungena esikhaleni senye into. | Njengoba impuphu yayingatholakali kalula ezweni ngaleso sikhathi kwadingeka ukuthi kungene amabele esikhundleni sayo. |
| substitute | verb | to use or add in place of something of someone else | Since corn syrup was not freely available in the country it had to be substituted by molasses. | esikhundleni | verb | ukusebenzisa noma ukwengeza okuthile esikhundleni sokuthile | Ngenxa yokuthi isiraphu yamabele kade ingatholakali kalula ezweni kwadingeka ukuthi ithathelwe isikhundla utiligi. |
| substitute | noun | someone or something that takes the place of someone or something else | There really is no substitute for thorough research before you decide on a new home. | okuthatha isikhundla | noun | othile noma otkuhile okuthatha indawo yothile noma yokuthile | Akukho okungathatha isikhundla socwaningo oluphelele ngaphambi kokuthi unqume ikhaya elisha. |
| subtitle | noun | second title of a book or article | The writer gave his book a final title, but still needs to formulate the subtitle. | isihlokwana | noun | isihloko sesibili sencwadi noma sombhalo omfushane. | Umbhali wanika incwadi yakhe isihloko sokugcina, kodwa kusadingeka ukuthi enze isihloko sencwadi. |
| subtitle | noun | written words at the bottom of a TV, cinema or computer screen, that repeat what is being said, usually in another language | The dialogue of the film is in French with subtitles in English. | umbhalo ophansi | noun | amagama abhalwe ngezansi kumabonakude, ibhayisikobho, noma esikrinini sekhompuyutha, aphinda lokho okushiwoyo, ngokuvamile ngolunye ulimi. | Ingxoxo yefilimu ingesiFulentshi kanye namagama abhalwe ngezansi ngesiNgisi. |
| subtitle | noun | written words  at the bottom of a TV, cinema or computer screen, that repeat what is being said, usually in another language | The dialogue of the film is in French with subtitles in English. | isihlokwana | noun | amagama abhaliwe ezansi neTV, nebhayisikobho noma neskrini sekhompyutha, kanti aphinda lokho okusuke sekushiwo, imvamisa ngolimi olwehlukile kunalolo olukhulunywayo. | Ingxoxo yefilimu ingolimi lwesiFrentshi bese izihlokwana ziba ngolimi lwesiNgisi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| subtle | adj | not very obvious | Changes in weather patterns have been subtle over the past three months. | okunobuqili | adj | okungacacile kwathi bha; okungelula ukukuqaphela. | Izinguquko kwisimo sezulu bezilokhu zibonisa isimo sezulu esinobuqili kulesi sikhathi esingaphezu kwezinyanga ezintathu ezedlule. |
| subtle | adj | organised in a clever and sophisticated way | His argument for the death penalty was unusually subtle. | nobuhlakani | adj | okuhlelwe ngendlela enobuhlakani futhi nebonisa ukufaka phakathi izinto eziningi. | Inkulumo yakhe ngesigwebo sentambo yayibonisa ubuhlakani ngendlela engejwayelekile. |
| succeed | verb | to get what you want by putting in effort | Hard work is the surest way to succeed. | phumelela | verb | ukuthola lokho okufunayo ngokufaka umfutho. | Ukusebenza kanzima yiyona ndlela enesiqiniseko esikhulu kakhulu sokuphumelela. |
| succeed | verb | to come directly after something else | Those traditions were carried over by the baby boomers to generations that succeeded it. | phumelela | verb | ukuza ngqo ngemuva kwento ethile. | Leyo mikhuba yayenziwa yisizukulwane esasithola kakhulu abantwana yadlulela kwizizukulwane ezilandela sona. |
| succeed | verb | to come directly after something or someone else | The queen was to have been succeeded by her son, but he died two days before his mother. | ngena esikhundleni | verb | ukungena ngokuqondile esikhundleni ngemva kokuthile noma othile | Kwakufanele ukuthi Indlovukazi ilandelwe esikhundleni indodana yayo, kodwa yashona ezinsukwini ezimbili ngaphambi kukamama wayo. |
| succession | noun | a number of things or people following each other in time | The lawyer convinces the magistrate through the systematic succession of statements and examples. | ukulandelana | noun | inani lezinto noma labantu ezilandelanayo ngesikhathi | Ummeli ukholisa imantshi ngokulandelana kwezikhathi okuhlelekile ngezitatimende nezibonelo. |
| successive | adj | following immediately, the one after the other | The soccer team were looking for their third successive win. | okulandelanayo | adj | okulandela ngokushesha, okunye ngemuva kokunye. | Iqembu lebhola likanobhutshuzwayo lase lifuna ukuphumelela umdlalo walo wesithathu kulandelana. |
| successor | adj | a person who follows next in order | The successor inherits the assets and liabilities of the deceased. | ongena esikhundleni | adj | umuntu olandelayo ngokuhlelo olubekiwe. | Lowo ozongena esikhundleni uyodla amafa kanye nezikweletu zomufi. |
| successor | adjective | a person who follows next in order | The question of poverty and what could be done about it was taken up by Archbishop Njongonkulu Ndungane, Desmond Tutu's successor. | olandela esikhundleni | adjective | olandelayo ngokuhleleka | Udaba lobumpofu nalokho okungenziwa mayelana nakho lwayiswa kuMbhishobhi Omkhulu uNjongonkulu Ndungane, owalandela uDesmond Tutu. |
| suffice | verb | to be enough | The evidence should suffice to convince the judge to give him a lighter sentence. | ukulingana | verb | ukwanela. | Ubufakazi bulingene ukuthi bungakwazi ukuthi bungabonisa ijaji ukuthi limnike isigwebo esincane. |
| sufficient | noun | of a quantity that can fulfil a need or requirement | There is now sufficient evidence to say with the UK is one of the countries with the highest incidence of multiple sclerosis. | okwanel | noun | kusho into eyinani elithile elisuke lingakwazi ukufezekisa isidingo esithile. | Njengamanje kunobufakazi obanele bokuthi izwe lase-UK lingelinye lamazwe anezigameko eziningi kakhulu zesifo i-sclerosis. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| sufficient | adjective | enough | There is now sufficient evidence to say with the UK is one of the countries with the highest incidence of multiple sclerosis. | | | | |
| suggestion | noun | something that is indirectly stated or suggested | The art of suggestion is an attribute of poetic texts where the poet indirectly evokes images through subjective or sensory word choice. | ukusikisela | noun | okuthile okubonisiwe noma okusikiselwe | Ubuciko bokusikisela isici semibhalo yenkondlo lapho imbongi ivusa ngokungaqondile izithombe ngokukhetha amagama ngokunengqondo noma ngokungathathi uhlangothi. |
| suggestion | noun | an idea regarding what can be done | Any suggestions or criticism regarding the course will be welcome. | isisikiselo | noun | umbono omayelana nalokho okungenziwa | Noma yiziphi izisikiselo noma ukugxeka mayelana nalokho okungenziwa kwamukelekile. |
| suit | verb | to be acceptable | Good writers use words that suit the context of their writing. | fanela | verb | ukwamukeleka | Ababhali abahle basebenzisa amagama afanela umongo wombhalo wabo. |
| suitable | adjective | right or appropriate for a something | Dr. Slabbert has been appointed as researcher, because his thorough experience makes him the most suitable person for the job. | fanelekile | adjective | kulungele noma kufanelekela okuthile | UDkt. Slabbert ukhethwe njengomncwaningi, ngoba ulwazi lwakhe olunzulu lumenza ukuthi afanelekele umsebenzi. |
| sum | verb | to give a brief summary of something, to sum up | I was not at the lecture so my friend had to sum up what I missed. | qoqa | verb | ukunikezela iqoqa elincane noma elifushane lento ethile, ukufingqa. | Bengingekho ekilasini kufundiswa ngakho-ke umngani wami uyena obekufanele ukuthi angiqoqele konke lokho obekufundwa mina engingakuzwanga. |
| sum up | verb | to give a brief summary of something | I was not at the lecture so my friend had to sum up what I missed. | | | | |
| summarise | verb | to give a summary of something | In order to write a good literature review you first have to summarise your core sources. | fingqa | verb | ukunikeza iqoqa lento ethile. | Ukuze ukwazi ukubhala kahle ukuhlaziya imibhalo kufanele kuqala ufingqe imithombo yakho engumongo. |
| summarise | verb | to give a summary of something | Our lecturer wants us to summarise the contents of three prescribed articles. | finyeza | verb | ukunikeza isifinyezo sokuthile | Umfundisi wethu ufuna ukuthi sifinyeze okuqukethwe kwezihloko ezintathu ezinikeziwe. |
| summary | noun | to give the main points or the gist of something | Stark and Dawes (2009) provide a good summary of the available research. | iqoqa/isifinyezo | noun | ukunikeza amaphuzu abalulekile noma umongo wento ethile. | UStark noDawes (2009) bahlinzeka ngeqoqa/ngesifinyezo esihle socwaningo olukhona olutholakalayo njengamanje. |
| summary | noun | the main points or the gist of a text | Responsible students make summaries after each lecture as part of their examination preparation. | isifinyezo | noun | amaphuzu ayinhloko noma ingqikithi yombhalo | Abafundi abanesibopho benza izifinyezo ngemva kwesifundo ngasinye njengendlela yokulungela izivivinyo zabo. |
| superficial | adj | giving only what is obvious; not thorough, deep or complete | Our study of light waves was only superficial; other researchers will now take the research further. | Okukha phezulu | adj | ukunika lokho kuphela okucacile; okungangeni kujule, kugxile noma kuphelele. | Ucwaningo lwethu mayelana namagagasi amancane lwalukha phezulu nje; abanye abacwaningi sebezosuka-ke manje bathathe ucwaningo baluqhubele phambili. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| superficial | adj | in or connected to the top layer of something | He was in a car accident but luckily only sustained superficial injuries. | okungatheni | adj | okuxhumene nengaphezulu lento ethile. | Waba sengozini yemoto kodwa waba nenhlanhla wasinda ngokuthi athole ukulimala okungatheni. |
| superficial | adj | not thorough or complete | A superficial investigation may not yield all the facts to come to a valid conclusion. | okungagxilile | adj | okungaphelele kahle. | Ucwaningo olungaphelele kahle angeke lukwazi ukuveza wonke amaqiniso ukuze kukwazeke ukuthi umuntu afinyelele esiphethweni esifanele. |
| superficial | adjective | not thorough, deep or complete | Our study of light waves was only superficial and other researchers will now take the research further. | ikha phezulu | adjective | okunganiliziwe, okungajulile noma okungaphelele | Ucwaningo lwethu lwamaza wokukhanya lukhiwe phezulu futhi manje abanye abacwaningi bazoqhubeka nocwaningo. |
| superficial | adjective | only touching the surface of something | The student's superficial answer testifies to a lack of insight, because she reads her prescribed texts only superficially. | ikha phezulu | adjective | ukuthinta kuphela indawo yokuthile | Impendulo ekhiwe phezulu yomfundi ifakazela ukungabi nolwazi, ngoba ufunda kuphela ngokukha phezulu imibhalo yakhe anikezwe yona. |
| superimpose | verb | to combine two systems or ideas so that one influences the other | Latin American culture is a mixture of European tradition superimposed onto native tradition. | ukudibanisa | verb | ukuhlanganisa izindlela ezimbili noma imiqondo emibili ukuze omunye ube namandla okwengamela omunye. | Isiko lesizwe saseLatin America liyingxube yesiko laseYurophu eliditshaniswe kwisiko lesintu. |
| superior | adj | better than someone or something else | Kenyan coffee is superior to all other kinds of coffee. | okungcono | adj | ophezulu kunomunye umuntu othile noma kunento ethile. | Ikhofi lasezweni laseKenya lingcono kakhulu kunazo zonke ezinye izinhlobo zamakhofi ezikhona. |
| superior | noun | a person who is/has more importance or authority than others | The colonel is my superior in the army; I am just a private. | isikhulu | noun | umuntu onokubaluleka okukhulu noma onegunya eliphezulu kakhulu ukunabanye. | Ukholoneli uyisikhulu sami emasotsheni; mina ngiyivukana nje ngokwesikhundla. |
| superior | noun | someone who is more important or has more authority than others | The colonel is my superior in the army. | phakeme | noun | othile obaluleke kakhulu noma onegunya kunabanye | Induna yamasosha yipho ephakeme ebuthweni. |
| supplement | noun | an additional component that enhances the ability of someone or something | The doctor said he should take vitamin supplements. | iselekeleli | noun | yinto ethile yokwengeza ukuze wenze ngcono enye into ethile. | Udokotela wathi kumele asebenzise izelekeleli zamavithamini. |
| supplement | verb | to add to something in order to make it more complete | To supplement their income they sell goods at a local flee market on Saturdays. | chibiyela | verb | ukwengeza into ethile ukuze uyeneze ukuthi ipheleliswe kakhulu. | Ukuze bachibiyele imali yabo, bathengisa izimpahla endalini ngeMigqibelo. |
| supplement | verb | to add to something in order to make it more complete | The questionnaire data were supplemented by interview data in order to provide a fuller and more detailed picture of poverty. | engeza | verb | ukwengeza okuthile ukukwenza kuphelele nakakhulu | Idatha yephephambuzo yengezwa ngedatha yengxoxo ukuze kunikezwe isithombe esigcwele nesiningiliziwe sobumpofu. |
| supplement | noun | an extra part of a newspaper, book, etc. | In my dissertation I only added one supplement at the back, but his contains three supplements. | isithasiselo | noun | ingxenye eyengeziwe yephephandaba, incwadi, njjl. | Ngokuqonda kwami ngafaka kuphela isithasiselo esisodwa ngemuva, kodwa okwakhe kunezithasiselo ezintathu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| support | verb | to show that something is correct or true | The church supports the idea that spiritual belief helps one to cope with life's stressors. | seka | verb | ukubonisa ukuthi into ethile ishaya khona noma iliqiniso. | Ibandla noma isonto leseka umqondo wokuthi ukukholwa ngokukamoya kuyasiza ukuthi umuntu akwazi ukubhekana nezingcindezi zempilo. |
| support | verb | back up with arguments and supply evidence | You should always support your claims with enough facts and reasoning. | sekela | verb | ukusekela ngezimpikiswano nokunikeza ubufakazi | Kufanele njalo usekele okushoyo ngamaqiniso nokubonisana okwanele. |
| support | verb | give weight to an argument | Students should remember to always support their views with clear arguments. | sekela | verb | ukunikeza impikiswano isisindo | Abafundi kufanele bakhumbule njalo ukusekela imibono yabo ngezimpikiswano ezicacile. |
| support | noun | something that carries weight | The support of one's views through well-formulated arguments is an academic convention. | isisekelo | noun | okuthile okunesisindo | Ukusekela umbono wothile ngezimpikiswano ezihlelwe kahle kuyindlela evamile yezemfundo. |
| supportive | adjective | that carries weight | We obtained supportive evidence for this explanation from a investigation of ... | sekelayo | adjective | okunikeza isisindo | Sathola ubufakazi obusekelayo bale ncazelo kusuka kumphenyi we-... |
| suppose | verb | to state a belief that something is true, but without sufficient proof | One might suppose that reality should be held to at all costs. However, it is not necessarily the most useful thing to do. | cabangela | verb | ukusho inkolelo ukuthi into ethile iyiqinisi, kodwa ube ungenabo ubufakazi obanele balokho. | Uyazi into umuntu angazi ayicabangele ezimweni ezifuze lezi ezokuthi into uma iyiqiniso kumele kubanjelelwe kuyona noma sekunjani. Kodwa phela lokho akusiyona into esebenza kakhulu ukuthi umuntu angayenza. |
| suppose | verb | to imagine that something is true so that you can propose a possible result | Suppose that the distance between X and Y are 100 m. | cabanga | verb | ukucabanga into ethile eyiqiniso ukuze ukwazi ukusho lokho okungahle kube wumphumela wayo. | Ake ucabange sengathi ibanga phakathi kuka: X kanye no Y lingamamitha ayi-100. |
| suppose | verb | to imagine that something is true so that you can propose a possible result | The researcher supposes that domestic violence also occurs in well-to-do households. | cabangela | verb | ukucabangela okuthile njengokuyiqiniso ukuze usikisele umphumela ongenzeka | Umncwaningi ucabangela ukuthi udlame lwasekhaya luvela futhi nasemindenini enothile. |
| suppose | verb | to state a belief that something is true, but without sufficient proof | One might suppose that graphical methods would provide an exceptionally useful output. | cabangela | verb | ukukholelwa ukuthi okuthile kuyiqiniso, kodwa ngaphandle kobufakazi obanele | Umuntu angase acabangele ukuthi izindlela ezingokomfanekiso zizonikeza umphumela owusizo kakhulu. |
| supposed | adjective | assumed or believed | Your supposed facts are no more than your personal assumptions. | catshangelwe | adjective | ukucabangela noma ukukholelwa | Amaqiniso wakho acatshangelwayo ayilokho okukholelwayo nje kuphela. |
| supposed | adjective | assumed or believed to be the case, but not necessarily so | We only work with supposed features of motorcyclists and therefore have to wait for more evidence of their real behaviour. | cabangela | adjective | okucatshangela noma okukholelwa ukuthi kunjalo, nakuba kungenjalo | Sisebenza kuphela ngezici ezicatshangelwayo zabashayeli bezithuthuthu futhi ngakho kuzodingeka ukuthi silinde ubufakazi obengeziwe bokuziphatha kwabo kwangempela. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| supposition | noun | an assumption or something you believe | The researcher's supposition that domestic violence also occurs in affluent households, still needs verification. | ukucabangela | noun | ukucabangela okuthile okukholelwayo | Ukucabangela komncwaningi kokuthi udlame lwasekhaya luvela ngisho nasemndenini enothile, kusadingeka ukuthi kuqinisekiswe. |
| suppress | verb | to put an end to something | Russia suppressed the Hungarian revolt in 1849. | qeda | verb | ukwenza into ethile ukuthi ingabe isaqhubeka ifinyelele ekugcineni. | Izwe laseRashiya laqeda izidubedube zasezweni laseHangari ngonyaka ka 1849. |
| suppress | verb | to restrain something or keep it from being known | The photojournalist had to suppress her fear and move into the crowd to get a close-up photograph. | misa | verb | ukubamba into ethile noma ukuyigcina ukuthi ingaziwe. | Intatheli kwadingeka ukuthi ikumise ukwesaba kwayo yasondela yangena esixukwini ukuze ikwazi ukuthatha isithombe esiseduze nesibonakalayo. |
| supreme | adj | the most important or the greatest that something or someone can be | Parliament is supreme and the judiciary is subservient to it. | okukhulu | adj | okubaluleke ukukwedlula konke noma ukubedlula bonke abanye abantu. | Iphalamende yisikhungo esikhulu bese ngaphansi kwaso kuba amajaji nezimantshi. |
| supreme | adj | the greatest in degree | There should be a supreme loyalty in order to give a sacrifice and for a Muslim, that supreme loyalty is his commitment to GOD. | okubanzi | adj | okunwebekile uma kuqhathaniswa. | Kufanele ukuthi kube nokwethembeka okubanzi ukuze ukwazi ukunikela kanti kumuntu oyiSulumane, lokho kwethembeka okubanzi ukuzibophezela kwakhe KUNKULUNKULU. |
| surface | noun | top layer or upper part of something | The surface layer of the atmosphere, which is the lowest layer,<br>directly influences the daily activities of all life on planet Earth. | ingaphezulu | noun | indawo esuke ihleli ngaphezulu kwingxenye yento ethile. | Ingaphezulu lomhlaba emkhathini, nokuyindawo ephansi uma kuya ngokokutakelana kwezindawo yiyona enomthelela kwizinto ezenzeka usuku nosuku kuyona yonke into ephilayo eMhlabeni. |
| surface | noun | top layer or upper part of something | This region is a birding paradise and stretches to the deep valleys and mountains of the east where thermal springs bubble to the surface. | ngaphezulu | noun | indawo noma ingxenye ephezulu yokuthile | Lesi sifundazwe siyipharadesi lezinyoni futhi sinwebekela ezigodini ezijulile nasezintabeni ezingasempulanga lapho iziphethu ezingokwemvelo ziphuphuma khona. |
| surface | noun | the uppermost layer | Students who read only on the surface of their prescribed texts will never achieve the necessary insight into their subject. | idawo | noun | uqimba olungaphezulu | Abafundi abakhela phezulu kuphela imibhalo yabo enikeziwe abasoze baba nolwazi oludingeka esifundweni sabo. |
| surround | verb | to be around something or someone | A child who is surrounded by caring parents and family members should develop emotional stability. | zungeza | verb | ukuzizungeza nokuthile noma nothile | Ingane ezinguzwe abazali abanothando namalungu womndeni kufanele ikhule kahle ngokomzwelo. |
| survey | verb | to look at something carefully from a distance | The team surveyed their surroundings from the ship before deciding to go ashore and explore. | hlola | verb | ukubheka into ngokucophelela uyibuka ukude. | Ithimba elalihlola laqala lahlola izindawo ezilizungezile lisemkhunjini ngaphambi kokuthatha isinqumo sokuba lehle kuwona bese liyobheka. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| survey | verb | to think about the general consequences of a situation | They surveyed the possible consequences that a lack of sleep may have on people. | bheka | verb | ukucabanga ngalokho okungahle kwenzeke kube yimiphumela yesimo. | Babheka lokho okwakungahle kwenzeke kube yimiphumela yokungalali ngokwanele kubantu. |
| survey | verb | to look at a piece of land for geographical or building purposes | The Tshwane Metropolitan Council surveyed the outlying areas of Pretoria and found that they could not build more housing. | klama | verb | ukubuka umhlaba ngezinhloso zokuwusebenza noma zokwakha kuwona. | UMkhandlu Omkhulu waseTshwane waklama izindawo ezendlalekile zasePitoli wabe usuthola ukuthi wawungeke ukwazi ukwakha ezinye izindlu ezengeziwe. |
| survey | noun | an investigation of the opinions, beliefs or attitudes of a group of people | In the student's psychology assignment she used a survey to see how many people listened to classical music. | uphenyo | noun | ucwaningo lwemibono, lwezinkolelo noma lwemiqondo yeqembu labantu. | Kumbhalo wesifundo sesayikholoji umfundi wasebenzisa uphenyo ukubona ukuthi bangaki abantu abalalela umculo opholile wezingasoze zabuna. |
| survey | noun | a map drawn up after surveying a piece of land | The geographical survey shows exactly where the volcanic fault lies. | ibalazwe | noun | imephu esuke idwetshiwe ngemuva kokuklama indawo ethile. | Ibalazwe lezendawo lalibonisa ukuthi yikuphi lapho umlilo wequbula waba khona ncamashi. |
| survey | noun | set of questions asked to a large number of people | Certain statements were put to respondents from all the provinces, and information was gathered in three different ways: through a survey, in-depth interviews and focus group discussions. | uhlolovo | noun | iqoqo lemibuzo ebuzwa abantu abaningi | Abahlanganyeli abavela kuzo zonke izifundazwe banikezwa izitatimende ezithile, futhi ulwazi lwaqoqwa ngezindlela ezintathu: ngohlolovo, ngezingxoxo ezijulile futhi nangezingxoxo zamaqembu zesihloko esithile. |
| survey | verb | to look at a piece of land for geographical or building purposes | The council surveyed the outlying areas of the city and found that there was not enough land available for more housing. | hlola | verb | ukuhlola indawo ethile ngokwezinjongo zendawo noma zokwakha | Umkhandlu wahlola izindawo zedolobha futhi wathola ukuthi yayingekho indawo eyanele yokwakha izindlu ezengeziwe. |
| survive | verb | continue to exist after something unfortunate has happened | Thousands of artifacts survived from the Ming dynasty. | phila okungatheni | verb | ukuqhubeka nokuphila ngisho noma sekwenzeke into embi noma engafanele. | Izinkulungwane zezinto zobuciko namasiko zaphila nje lokho okungatheni ngemuva kokuphatha kweMing. |
| survive | verb | continue to exist | Driven by the need to survive and feed their families, they'll tackle any job. | sinda | verb | ukuqhubeka nokuphila | Beqhutshwa isidingo sokuphila nokondla imindeni, bangenza noma yimuphi umsebenzi. |
| suspend | adj | stop a process or a habit by imposing a freeze on it | The mining company suspended all operations in the area due to the instability caused by the dolomite formations. | misa | adj | ukuyekisa uhlelo obelwenzeka ukuthi luqhubeke noma umkhuba wokumisa into ethile ekade iqhubeka. | Inkampani yezimbiwa ikumise konke ukusebenza kwayo endaweni ngenxa yokuzamazama komhlaba okubangelwe amadwala phansi emgodini. |
| sustain | verb | lengthen or extend in duration or space | It is a challenge for educators to sustain the interest of learners in the classroom. | yenza ilukuluku lokulangazelala | verb | yenza kube kude ngesikhathi noma ngendawo. | Kuseyinselelo kothisha namanje ukwenza abafundi ukuthi bakulangazelele ukuba sekilasini. |
| sustain | verb | to keep alive or make something continue | It is a challenge for educators to sustain the interest of learners in the classroom. | | | | |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| sustainable | adjective | able to continue | The high academic standards maintained until recently at universities will not be sustainable if the admission requirements are further scaled down. | qhubekayo | adjective | okungaqhubeka | Izimiso zezemfundo eziphezulu ezitholiwe kuze kube manje emanyuvesi ngeke ziqhubeke uma izimfuneko zokungena zehliswa nakakhulu. |
| switch | noun | a sudden change | The demand for local beer caused a switch from cultivating grapes to farming hops. | ukushintsha | noun | uguquko oluphuthumayo. | Ukufunwa ubuthaphuthaphu kobhiya wakule ndawo kwenza ukuthi bashintshe abalimi bangabe besagxila kakhulu ekulimeni amagilebhisi kodwa bashintshele kumahophu okwenza utshwala. |
| switch | verb | to change something or some state of mind for another | The deterioration of the roads caused many car owners to switch from sedans to SUVs. | shintsha | verb | ukuyeka into ethile noma isimo somqondo ukuze kungene esinye. | Isimo esibi semigwaqo senza ukuthi abanikazi bezimoto abaningi baziyeke izimoto ezincane bashintshele kwizimoto ezinkulu. |
| switch | verb | change from one thing to another | We need to have more versatile players who are able to switch from one position to another without encountering any problems. | shintsha | verb | shintshela kokuthile | Kufanele sibe nabadlali abahlukile ukuthi sikwazi ukushintshela kwenye idnawo ngaphandle ngokubhekana nezinkinga. |
| syllogism | noun | reasoning process consisting of two premises from which a logical derivation follows | Aristotle's analysis of the syllogism demonstrated how to reason by combining thoughts in trains of deductive reasoning. | i-syllogisim | noun | inqubo yokuqonda enezindawo ezimbili ezilandelwa incazelo enengqondo | Ukuhlaziya kuka-Aristotle kwe-syllogism kwabonisa indlela yokubonisana ngokuhlanganisa imibono ngokubonisana ngokuhlaziya. |
| syllogistic | adjective | a process of logic in which two general statements lead to a more particular statement | The syllogistic theory does not provide satisfactory answers to all questions. | i-syllogistic | adjective | inqubo yokuqonda lapho izitatimende ezimbili ezivamile zihilela esitatimendeni esithile | Umbono wenqubo yokuqonda ayinikeza izimpendulo ezigxulisayo zayo yonke imibuzo. |
| symbol | noun | a concrete sign, or thing, that has a particular meaning | In the novel the rose becomes a symbol for literally dozens of different things. | uphawu | noun | uphawu lwangempela, olusho okuthile | Kunoveli imbali iba uphawu lwezinto eziningi ezahlukahlukene. |
| symbolic | adjective, adverb | as a symbol | Traditionally, the red rose's symbolic meaning is passionate love. | ngokophawu | adjective, adverb | njengophawu | Ngokwesiko, imbali ebomvu imelela uthondo olumangange. |
| symbolise | verb | to represent a more general or an abstract situation or quality | The crucifix symbolises Christianity, while the star of David symbolises Judaism. | ukuba wuphawu lwento | verb | ukumela into ethile ebanzi eyejwayelekil noma emele isimo esithile noma izinga elithile. | Isiphambanso siwuphawu lobuKrestu, kanti inkanyezi kaDavide yona iwuphawu lobuJuda. |
| symbolise | verb | to represent a more general or an abstract situation or quality | The crucifix symbolises Christianity and the star of David Judaism. | fanekisa | verb | ukumelela isimo esivamile noma esingaqondakali noma ikhwalithi | Isiphambano simelela ubuKristu nenkanyezi kaDavid Judaism. |
| symbolise | verb | to be symbolic of something | A red rose symbolises love. | fanekisa | verb | ukufanekisa okuthile | Imbali ebomvu ifanekisa uthando. |
| synchronisation | noun | act of sinchronising | The film technicians are working on the final synchronisation of sound and image in the last episode of the new TV-series. | ukuvumelanisa | noun | isenzo sokuvumelanisa | Ochwepheshe befilimu bazama ukwenza ukuvumelanisa kokugcina komsindo nesithombe kwiziqephu zokugcina zochungechunge olusha lwe-TV. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| synchronise | verb | to make things happen at the same time | The film technicians are now synchronising the image and sound in the last episode of the new series. | vumelanisa | verb | ukwenza izinto zenzeke ngesikhathi esisodwa | Manje ochwepheshe befilimu bavumelanisa umsindo nesithombe kwiziqephu zokugcina zochungechunge olusha. |
| synchronous | adjective | occuring at the same time | The film technicians made sure that the sound and image in the film were synchronous. | ngesikhathi esisodwa | adjective | okwenzeka ngesikhathi esisodwa | Ochwepheshe befilimu baqinisekise ukuthi umsindo nesithombe efilimini kwenzeka ngesikhathi esisodwa. |
| synonym | noun | another word with more or less the same meaning | The word WORK is a synonym for LABOUR. | igama elifanayo | noun | elinye igama elicishe libe nencazelo efanayo | Igama elithi INGANE lifana nelithi UMNTWANA/ |
| synonymous | adjective | closely associated | ERASE is synonymous with DELETE. | okufanayo | adjective | okuhlobene eduze | Igama elithi UBHUTI lifana nelithi UMFOWETHU. |
| synoptic | adjective | a general summary | The book gives a synoptic view of South African art history. | isifinyezo | adjective | isifinyezo esivamile | Incwadi inikeza umbono wesifinyezo womlando wobuciko waseNingizimu Afrika. |
| syntactic | | at the level of the sentence | Academic texts often show syntactic defects, such as sentences without a main verb and incorrect word order after certain conjunctions. | ukuhlelwa kwemisho | | ngokwezinga lomusho | Ngokuvamile imibhalo yezemfundo ibonisa amaphutha womusho, njengemisho engenaso isenzo esiyinhloko kanye nokuhleleka kwegama okungalungile ngemva kwezihlanganiso ezithile. |
| syntax | noun | study of different types of sentences and the word relationships within these sentences | The syntax of African and Western languages differs in many aspects. | ukuhlelwa kwamagama | noun | ucwaningo lwezinhlobo ezahlukahlukene zemisho kanye nobudlelwano bale misho. | Ukuhlelwa kwamagama kwezilimi zase-Afrika nezaseNtshonalanga kwehluke kakhulu. |
| synthesis | noun | a combination of separate ideas from various sources with an indication of how they differ and how they are similar | Students do not realise the importance of a proper synthesis of viewpoints from various sources. | inhlanganiso | noun | ingxubevange yemiqondo eyahlukene evela kwimithombo eyahlukene nebonisa ukuthi leyo miqondo yehlukana kanjani futhi yefana kanjani. | Abafundi abakuqondi ukubaluleka kokuhlangana kahle kwemibono yabo evela kwimithombo eyahlukene lapho bethumela umsebenzi wabo. |
| synthesis | noun | creative merging of unrelated elements into a new whole | Facebook is a synthesis between technological facilitation and the human need for communication. | ukuxuba amagama | noun | ukuhlanganisa izici ezingahlobene zibe igama | I-Facebook iyinhlanganisela phakathi kokusetshenziswa kwezobuchwepheshe kanye nesidingo somuntu sokuxhumana. |
| synthesise | verb | to bring about an artificial composition | In building a theory, the researcher synthesises different facts and ideas into a coherent whole. | xuba | verb | ukwenza isici esingesona esingokoqoba | Embonweni wokwakha, umncwaningi uxuba amaqiniso ahlukahlukene nemibono kube into eyodwa ehambisanayo. |
| system | noun | group of objects or parts that work together according to an ordering principle | Even in the times of the ancient Greeks, accountants used complicated systems to keep accounting records. | uhlelo | noun | iqoqo lezinto noma izingxenye ezisebenzisana ngokuvumelana nesimiso sokuhleleka | Ngisho nasesikhathini samaGreki, izazi zezibalo zasebenzisa izinhlelo eziyinkimbinkimbi ukugcina amarekhodi wezibalo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| systematic | adj | done according to a system or plan | The study involved a systematic analysis of the progress of the music therapy clients. | ngokohlelo oluthile | adj | okwenziwe ngokulandela uhlelo noma icebo elithile. | Ucwaningo lwalufaka phakathi ukuhlaziywa kwenqubekela phambili yohlelo oluthile olumayelana nokwelapha amakilayente ngomculo. |
| systematic | adjective | according to a system or plan | It is important for companies that want to be innovative to undertake regular and systematic analyses of the market. | ngokohlelo | adjective | ngokuvumelana nohlelo | Kubalulekile ukuthi izinkampani ezifuna ukuqamba izinto ezintsha zenze ukuhlaziya okuvamile futhi okuhlelekile kwemakethe. |
| systematic | adjective | methodically executed, according to a plan | It is always refreshing to see such a systematic outline of points of view. | ngokohlelo | adjective | okwenziwe ngokohlelo, noma ngokuvumelana nombono | Kuyajabulisa ukubona uhlelo oluhlelekile lwemibono olufana nalolu. |
| systematically | adverb | according to a system or plan | Susan delivers her presentation systematically so that everyone can follow what she says. | ngokohlelo | adverb | kuya ngohlelo noma umbono | USusan wethula umboniso wakhe ngendlela ehlelekile ukuze wonke umuntu alandele lokhu akushoyo. |
| systematise | verb | to place within a system | The teacher's task will often be to help pupils to systematise knowledge which they already have or evidence which they collect, and to keep the focus clear. | yenza uhlelo | verb | ukwenza uhlelo | Ngokuvamile umsebenzi kathisha kuzoba ukusiza abafundi bahlele ulwazi asebenalo kakade noma ubufakazi ababuqoqayo, futhi benze ukugxila kucace. |
| table | noun | a list of facts or numbers organised in columns and rows | The data was analysed using tables, graphs and discussions. | ithebula | noun | uhla lwamaqiniso noma lwezinombolo ezihlelwe ngokwamakholomu kanye nemigqa. | Imininingo yabe isihlaziywa kusetshenziswa amathebula, amagrafu kanye nezingxoxo. |
| table | noun | list, record or log that summarises figures or other data | The statistical table presents a negative picture in terms of economic growth. | ithebhula | noun | uhlu, irekhodi, noma ilogu efinyeza izibalo noma enye idatha | Ithebula elingokwezibalo limelela isithombe esibi mayelana nentuthuko yezomnotho. |
| taboo | noun | activity, subject or word that people avoid | Committing plagiarism is an academic taboo. | okungakhulunywa ngakho | noun | umsebenzi, isihloko noma igama abantu abaligwemayo | Ukukopela kuyinto okungakhulunywa ngayo kwezemfundo. |
| tabular | adj | organised in the format of a table | The responses of the open-ended questions are presented in tabular format to analyse them more meaningfully. | okuyithebula | adj | okuhlelwe ngendlela ethile eme kwaba sengathi kuyithebula. | Izimpendulo kwimibuzo edinga izimpendulo ezivulelekile zibhalwe zaba yithebula ukuze zihlaziyeke kahle nangendlela enomqondo. |
| tabular | adjective | organised in the format of a table | The lecturer expects her students to organise and present their research in tabular form. | ngokwethebula | adjective | okuhlelwe kuthebula | Umfundisi ulindele ukuthi abafundi bakhe bahlele futhi bethule ucwaningo lwabo ngendlela eyithebula. |
| tabulate | verb | organise lists of facts or numbers in columns and rows | The data the researcher collected were tabulated. | yenza kube yithebula | verb | ukuhlela izinhla zamaqiniso noma zezinombolo zibe ngamakholomu kanye nemigqa. | Imininingo eyaqoqwa umcwaningi yabhalwa yenziwa yaba yithebula. |
| tabulate | verb | to present something in a table | It helps you to think more systematically when you tabulate the facts within the relevant categories. | yenza kube ithebula | verb | ukwethula okuthile ngethebula | Kukusiza ukuthi ucabange ngokuhlelekile lapho ufaka amaqiniso kuthebula phakathi nezigaba ezifanelekile. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| tabulated | adjective | presented as a table | One can illustrate the economic growth as tabulated data so that everyone can get a complete picture. | kufakwe kuthebula | adjective | kwethulwe njengethebula | Umuntu angabonisa intuthuko yezomnotho njengedatha ekuthebula ukuze wonke umuntu abe nomqondo ophelele. |
| tabulation | noun | lists of facts or numbers that are organised in columns and rows | The tabulation of data helps students to think more systematically. | ukufaka kuthebula | noun | uhlu lwamaqiniso noma izinombolo ezihlelwe ngamakholomu nemigqa | Ukwenza ithebula ledatha kusiza abafundi ukuthi bacabange ngokuhlelekile. |
| tangible | adj | clear or definite | The police have tangible proof the suspect committed the robbery. | okuphathekayo | adj | okucacile noma okubambekayo. | Amaphoyisa anobufakazi obuphathekayo bokuthi umsolwa uyena obambe inkunzi. |
| target | noun | a reference point for shooting at | She used bottles as targets to fire shots at. | ithagethi | noun | into ethile esuke ibekiwe ukuz kudutshulwe kuqondiswe kuyo. | Wasebenzisa amabhodlela aba yithagethi yokuthi abubule anembe yona. |
| target | noun | object of an action or attack | The half-marathon is my next target. | phokophela | noun | into ezothathelwa isenzo noma ezohlaselwa | Ngiphokophele umncintiswano webanga elide. |
| task | noun | any piece of work which is undertaken or attempted | The researcher’s task was to analyse the interview data that was collected. | umsebenzi | noun | kungaba yinoma yimuphi umsebenzi okusuke kuhloswe ukuthi wenziwe noma ozanywayo. | Umsebenzi womcwaningi kwakuwukuhlaziya imininingo yemibuzo eyaqoqwayo. |
| tautological | adjective | making use of tautology | The phrase TO REPEAT AGAIN is tautological, because REPEAT already means to do something again. | ngokuphindaphinda yo | adjective | ukusebenzisa ukuphindaphinda okungasho lutho | Ukuthi UKUPHINDA FUTHI kungukuphindaphinda okungasho lutho, ngoba UKUPHINDA ngokwakho kusho ukwenza futhi okuthile. |
| tautology | noun | phrase in which the same thing is said twice in different words | Bombastic speakers often use tautology to emphasise their statements. | ukuphindaphinda okungasho lutho | noun | umusho osho into efanayo kabili ngamagama ahlukile | Izikhulumi ezisebenzisa amagama anzima ngokuvamile zisebenzisa ukuphindaphinda ukuze zigcizelele izitatimende zazo. |
| technical | noun | of or relating to aptitude in a practical skill | She must consult a language specific dictionary to understand the technical terms used in the text. | okulukhunyana | noun | okuqondene nokusetshenziswa komqondo kwikhono elibambekayo. | Kufanele ukuthi asebenzise isichazamazwi esiqondene nolimi ukuze aqonde amatemu alukhunyana asetshenziswe embhalweni. |
| technical | noun | of or relating to a practical skill | She must consult a specialist dictionary to understand the technical terms used in the text. | ubuchwepheshe | noun | ikhono noma okuhlobene nekhono lobuchwepheshe | Kufanele abheke isichazamazwi sobuchwepheshe ukuze aqonde wonke amagama wobuchwepheshe asetshenziswe embhalweni. |
| technical | adjective | relating to machines or exact details, rules or techniques | The technical possibilities of modern means of communication are endless. | ubuchwepheshe | adjective | okuhlobene nemishini noma imininingwane enembile, imithetho noma izindlela | Lokho okungenziwa ubuchwepheshe bezokuxhumana kwesimanje kukhulu kakhulu. |
| technique | noun | a practical skill or ability. | The tennis champion’s technique is generally admired. | icebo | noun | ikhono elibambekayo noma ukukwazi ukwenza into ethile. | Icebo likashampeni ebholeni lomphebezo liyancomeka. |
| technique | noun | a special method for doing something, usually involving skill. | A new technique has been developed for purifying water. | iqhinga | noun | indlela ekhethekil yokwenza into ethile, imvamisa kuba yinto efaka phakathi ikhono. | Kuneqhinga elisha elisunguliwe lokuhlanza amanzi. |
| technique | noun | a practical skill | The tennis champion’s technique is admired. | ikhono | noun | ikhono | Ikhono leqhawe lethenisi liyamangaza ngempela. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| technique | noun | a special method for doing something, usually involving skill | A new technique has been developed for purifying water. | indlela | noun | indlela ekhethekile yokwenza okuthile, ngokuvamile okusebenzisa ikhono | Kusungulwe indlela entsha yokuhlanza amanzi. |
| technique | noun | a way of performing a certain task, especially used in technology, science and sport | Animation is a technique of filming successive drawings. | indlela | noun | indlela yokwenza umsebenzi othile, ikakhulukazi esetshenziswe kwezobuchwepheshe, isayensi, nemidlalo | Ukugqwayiza kuyindlela yokwenza ifilimu yemidwebo elandelanayo. |
| technocracy | | autocracy of technology and technical expertise | The higher ranks of the civil service, mainly trained in law, were steeped in a tradition of technocracy and loyalty to any government that guaranteed efficient administration. | ubuchwepheshe | | ikhono nobungcweti bobuchwepheshe | Abasebenzi bakahulumeni abanezikhundla, ngokuvamile abonolwazi lomthetho, bababengene shí esikweni lobuchwephese nokwethembeka kunoma yimuphi uhulumeni oqinisekisa ukuphathwa ngendlela efanele. |
| technocratic | | relating to the control of society by technical experts | Viewed in perspective, the planning enthusiasm of the 1930s and 1940s represented the fusion of still vital forces of optimism and social idealism with the scientific and technocratic spirit of the twentieth century. | ubuchwepheshe | | okuhlobene nokulawulwa komphakathi izingcweti zobuchwepheshe | Uma sibona ngombono othile, umndlandla wokuhlela wangawo-1930 nawo-1940 wamelela ukuhlanganiswa kwamandla womuntu wemibono wethemba nezifiso zenhlalo ngomoya wesayensi nobuchwepheshe bekhulu lamashumi amabili. |
| technological | adjective | relating to technology | In the medical field, technological inventions thrive thanks to the science of nanotechnology. | ngobuchwepheshe | adjective | okuhlobene nobuchwepheshe | Emkhakheni wezokwelashwa, izinto eziqanjwayo zobuchwepheshe zibonga isayensi esebenza nge-nanomete. |
| technology | noun | the scientific study and use of applied sciences, such as engineering. | Nuclear technology has played a major role in modern warfare history. | ubuchwepheshe | noun | ucwaningo lwezesayensi kanye nokusebenzisa isayensi ethile, efana nezobunjiniyela kanje. | Ucucwepheshe benuzi budlale indima enkulu kakhulu emlandweni wezinto zokulwa zesimanje. |
| technology | noun | machinery and equipment | The most successful factories use the latest technology. | itheknoloji | noun | umshini kanye nezinto zokusebenza kulolu lwazi. | Amafekthri aphumelela kakhulu asebenzisa itheknoloji yesimanjemanje. |
| technology | noun | the scientific study and use of applied sciences, such as engineering | Nuclear technology has played a major role in modern warfare history. | ubuchwepheshe | noun | ucwaningo lwesayensi nokusetshenziswa kwesayensi engokoqobo, njengobunjiniyela | Isayensi yenuzi idlala indima enkulu kakhulu emlandweni wezempi zesimanje. |
| technology | noun | all methods of providing instruments for human existence and comfort | Thanks to technology, we can fly from South Africa to Europe within ten hours and make transatlantic calls. | ubuchwepheshe | noun | zonke izindlela ezihlinzeka ngezinto zokusetshenziswa zokuba khona komuntu nokunethezeka. | Manje ngenxa yobuchwepheshe, siyakwazi ukundiza kusuka eNingizimu Afrika kuya eYurophu phakathi namahora ayishumi futhi senze izingcingo ngaphesheya kwe-Atlantic. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| teleological | adjective | that is explained in terms of its end or purpose | The teleological point of view is sometimes called the theory of final causes and consequences. | ngezindlela ezinenjongo | adjective | okuchazwa ngokwenjongo yakho | Umbono wezindlela ezinenjongo ngezinye izikhathi ubizwa ngokuthi umbono wezimbangela zokugcina nemiphumela. |
| teleology | noun | the theory that events can only be explained in terms of their end or purpose | In teleological thinking, you would describe a chair by saying what it is used for, rather than what it looks like or is made of. | i-teleology | noun | umbono wokuthi izenzakalo zingachazwa kuphela kuya ngesiphetho noma injongo yazo | Kulo mbono, ungachaza isitulo ngokusho lokho esisetshenziselwa kona, esikhundleni sendlela esibukeka noma esenzwe ngayo. |
| temporariness | noun | state of not being permanent or lasting | It is not only the extreme temporariness of their engagement which distinguishes casual workers from other temporary workers, but also their employment status. | okwesikhashana | noun | isimo sokuba okwesikhashana noma okuphelayo | Akukhona nje kuphela ukuba okwesikhashana kakhulu kokuhilela kwabo okuhlukanisa labo ababambe itoho kulabo bomsebenzi wesikhashana, kodwa futhi isimo somsebenzi wabo. |
| temporary | adj | not permanent or lasting | The temporary shutdown of the plant was caused by an explosion. | okwesikhashana | adj | okungesikhona okonomphelo; okungahlali isikhathi eside. | Ukuvalwa kwesikhashana kwendawo yokusebenzela kwabangelwa ukuqhuma okwenzeka ngaphakathi. |
| temporary | adjective | not permanent | The lecturer is appointed in a temporary position. | okwesikhashana | adjective | okuphelayo | Umfundisi uqashelwe umsebenzi wesikhashana. |
| tentative | adj | not definite or certain. | In the conclusion she offers only tentative solutions to the problem | okungaphelele | adj | okungaqinisekisiwe. | Esiphethweni uhlinzeka ngezisombululo ezingaphelele kwinkinga. |
| tentative | adj | hesitant or cautious | The first tentative steps towards transformation were taken in 1998. | okungaqinile | adj | okunokungabaza noma okunokwesabela. | Izinyatheo zokuqala ezingaqinile zokuza noguquko zathathwa ngonyaka ka 1998. |
| tentative | adjective | not definite or certain | In the conclusion she offers only tentative solutions to the problem. | okwesikhashana | adjective | okungekona okwaphakade noma unomphela | Ekugcineni wanikeza izixazululo zenkinga zesikhashana kuphela. |
| terminate | verb | to make something end | The contract was terminated when the supplier could not manage to deliver the goods and service as agreed. | nqamula | verb | ukwenza into ukuthi iphele noma ifike esiphetheweni noma ekugcineni. | Isivumelwano sanqanyulwa uma umhlinzeki wayengasakwazi ukuletha izimpahla kanye nezinsizakalo njengalokhu kwakuvunyelwene. |
| terminology | noun | the technical words or expressions used in a particular subject | Doctors make use of an extensive medical terminology. | amatemu | noun | amagama anobuchule obuthile noma imisho enobuchule obuthile esetshenziswa kwisifundo esithile. | Odokotela basebenzisa amatemu amakhulu awulimi lwezokwelashwa. |
| text | verb | to send an SMS or text message | She texted me that she is on her way. | thumela umqhafazo | verb | ukuthumela umqhafazo (i-SMS) noma umyalezo omfushane ngeselula. | Wangithumelela umqhafazo owawuthi uvele usendleleni useyeza. |
| text | noun | the main body of printed or written work | The first edition of the text was published in 1887. | umbhalo | noun | umzimba omkhulu womsebenzi ophrintiwe noma obhaliwe. | Ushicilelo lokuqala lwalo mbhalo lwakhishwa ngonyaka ka 1887. |
| text | noun | a book or piece of writing, usually for the purpose of learning | The professor’s text is regarded to be the best in his field. | umbhalo | noun | incwadi noma umbhalo nje, isikhathi esiningi onenhloso yokufunda. | Umbhalo kasolwazi uthathwa ngokuthi ungongcono kakhulu endimeni yakhe. |
| text | noun | tightly woven content in which everything is interconnected | A situation is also regarded as a text that one interprets. | umbhalo | noun | okuqukethwe okubumbene lapho yonke into inhlangana | Isimo siphinde futhi sibe umbhalo umuntu awuchazayo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| textual | adjective | relating to a text | If you take a critical stance on one issue or another, you should always be able to provide textual evidence to support your statements. | ngokombhalo | adjective | okuhlobene nombhalo | Uma uthatha ukuma okubucayi ngodaba oluthile noma ngolunye, kufanele njalo unikeze ubufakazi obungokombhalo ukusekela izitatimende zakho. |
| texture | noun | the structure of a piece of writing, music or art | Students are taught to appreciate the rich texture of Shakespearean English. | ukubhaleka | noun | ukuma kohlaka lombhalo, lomculo noma lomdwebo. | Abafundi bafundiswa ukukwazi ukuncoma ukubhaleka okucebile kwesiNgisi sangezikhathi zikaShakespeare |
| texture | noun | the way in which the different parts of a work of art, music or writing are put together to produce a final effect | Students are taught to appreciate the rich texture of Shakespearean English. | | | | |
| thankful | adjective | appreciative | I am thankful for my good health. | ukubonga | adjective | ukwazisa | Ngibonga kakhulu ngempilo yami enhle. |
| thematic | | according to a theme | The music concentrates on three characters and the thematic contrasts they suggest. | ngokwesihloko | | ngokuvumelana nesihloko | Umculo ugxile kubalingisi abathathu nomehluko wesihloko ewusikiselayo. |
| thematise | verb | to place the topic of a text within context | Civil society is a necessarily diverse sphere of social life, but it is possible to thematise it around dominant and subordinate forms of social life. | veza njengesihloko | verb | ukubeka isihloko sombhalo phakathi nomongo | Ukubambisana komphakathi kuyimbulunga ehlukile yokuphila komphakathi, kodwa kungenzeka kube isihloko sezindlela zokuphila ezivelele nezingaphansi. |
| theme | noun | the subject matter of a conversation or discussion | The main theme of the conference is multilingualism in higher education. | ingqikithi | noun | yinto ethile okukhulunywa ngayo noma okuxoxwa ngayo. | Ingqikithi enkulu yale ngqungquthela ukusetshenziswa kwezilimi eziningi ezikhungweni zemfundo ephakeme. |
| theme | noun | subject within context | There are many continuing themes in this novel, but in my opinion the main theme is that of contentment. | isihloko | noun | isihloko esingaphakathi nomongo | Kukhona izihloko eziningi eziqhubekayo kule noveli, kodwa ngokombono wami isihloko esiyinhloko esokwaneliseka. |
| theoretical | adjective | according to theory, excluding practice | Theoretical ideas are tested in practice by the researcher to see if they are practically achievable. | ngokomcabango | adjective | ngokuya ngombono, ngaphandle kokwenza ngokoqobo | Imibono engokomcabango ihlolwa ngokuqondile ngumncwaningi ukubona ukuthi ingasebenza yini. |
| theorise | verb | to think and talk about ideas and hypotheses | Instead of theorising, the meeting should now come to a decision on how the problem should be addressed. | ukwenza umbono | verb | ukucabanga nokukhuluma ngemibono nezihloko | Esikhundleni sokwenza kube ngumbono, manje umhlangano kufanele wenze isinqumo ngendlela inkinga okufanele isingathwe ngayo. |
| theorising | noun | process of thinking and talking about ideas and hypotheses, or reasoning according to a theory | Enough theorising has taken place on this matter; it is now time to take action. | ukwenza umbono | noun | inqubo yokucabanga nokuxoxa ngemibono nezihloko, noma ukucabanga kuya ngombono | Ukwenza umbono owanele kwenziwe kulolu daba, manje sekuyisikhathi sokuthatha isinyathelo. |
| theory | noun | a formal set of ideas, which attempts to explain why something happens or exists | A new theory on the origin of the universe has been developed. | ithiyori | noun | isethi yemicabango ezama ukuchaza ukuthi kungani into ethile yenzeka noma ikhona iphila. | Sekusungulwe ithiyori entsha ngokusunguleka komhlaba. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| theory | noun | an opinion or idea, not necessarily based on reasoning | There are many different theories on how to raise children. | ithiyori | noun | umqondo ongasuselwe ekucabangeni okuthile. | Kumathiyori amaningi kakhulu ehlukene ngokuthi ungabakhulisa kanjani abantwana. |
| theory | noun | the principle on which a subject is based | Medical students have to study much theory before they can participate in practical training. | ithiyori | noun | umgomo isifundo esisuselwe kuwo. | Abafundi abafundela ubudokotela kufanele baqale benze ithiyori ngaphambi kokuba bayofunda ngokwenza. |
| theory | noun | ordered set of ideas and hypotheses that seek to explain an aspect of reality | The movie is based on the theory that humans can move faster than the speed of light. | umbono | noun | amaqoqo wemibono nezihloko ezifuna ukuchaza ingxenye ethile yokuphila | Ifilimu isuselwe embonweni wokuthi abantu bangahamba ngokushesha okudlula ijubane lokukhanya. |
| thesaurus | noun | dictionary that groups words according to concepts and helps users to find the right word for a particular context | Avoid repetitive use of the same word in your writing by looking up synonyms in a thesaurus. | ithesorasi | noun | isichazamazwi esiqoqa amagama kuya ngemibono futhi esiza abasebenzisi ukuthi bathole igama elifanele lomongo othile | Gwema ukusebenzisa ngokuphindaphindiwe igama elifanayo embhalweni wakho ngokubheka amagama afanayo kuthesorasi. |
| thesis | noun | statement or opinion that is discussed in a logical way and supported by evidence | The main thesis of his essay is that illegal drug use is detrimental because it encourages gang violence. | i-thesis | noun | istatimende noma umbono owesekelwe ubufakazi bese sikhulunywa ngendlela ephusile. | I-thesis enkulu ye-eseyi yakhe ukuthi ukusebenzisa izidakamizwa akulungile ngoba kukhuthaza udlame lwemigulukudu. |
| thesis | noun | extended piece of writing completed by a university student, based on their own research | She wrote her doctoral thesis on the effects of drought on the economy of Ghana. | i-thesis | noun | umbhalo owengeziwe owenziwa ngumfundi wasenyunivesi, osuke ususelwe ocwaningweni olusuke lwenziwe nguyena kanye lowo mfundi siqu sakhe. | Wabhala i-thesis yakhe ukuze athole iziqu zobudokotela kanti yayimayelana nemithelela yesomiso kumnotho wasezweni laseGhana. |
| thesis | noun | original and independent research submitted to obtain a doctorate | Her brilliant thesis is the product of years of research. | umbhalo wokuthola iziqu zasenyuvesi | noun | ucwaningo lwangempela futhi ozenzela lona oluthunyelwa ukuze uthole isiqu sasenyuvesi | Umbhalo wakho wokuthola isiqu sasenyuvesi omuhle kakhulu wawumsebenzi weminyaka yocwaningo. |
| thesis | noun | a statement that has to be defended academically by an antithesis | Stephen Hawking replaced his thesis on the fact that matter is destroyed when it lands in a black hole, after thirty years with a startling antithesis. | umbhalo wokuthola iziqu zasenyuvesi | noun | isitatimende okufanele simelelwe ngokwezemfundo ngombhalo wokuthola iziqu zasenyuvesi. | UStephen Hawking washintsha umbhalo wakhe wokuthola iziqu zasenyuvesi mayelana nokuthi amandla abangelwayo ayonakala lapho engena emgodini omnyama, ngemva kweminyaka engamashumi amathathu wokuphikisana okumangazayo. |
| thesis | noun | research paper that is submitted for a postgraduate qualification and testifies to scientific research | Her thesis is about parents' choice to have their children taught in English. | umbhalo wokuthola iziqu zasenyuvesi | noun | umbhalo wocwaningo othunyelwayo ukuze kutholwe isiqu sasenyuvesi futhi uvumelana nocwaningo lwezesayensi | Umbhalo wakhe umayelana nesinqumo sabazali sokuthi izingane zabo zifundiswe ngesiNgisi. |
| thorough | adjective | with great attention to detail and completeness | A thorough investigation is needed to understand the complexity of the crisis. | ngokuphelele | adj | ngokucophelela okukhulu imininingwane kanye nokuphelela. | Kudingeka ukuthi kwenziwe uphenyo oluphelele kwizimbangela zalolu bhubhane. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| thoughtful | adjective | thinking and behaving in a kind way | Thoughtful people distinguish themselves from uncivilised people. | cabangelayo | adjective | ukucabanga nokuziphatha ngendlela enomusa | Abantu abacabangelayo bazihlukanisa kulabo abangaphucukile. |
| timeless | adj | not affected by the passing of time | The building has a classical and timeless beauty. | ngokungenasikhathi | adj | okungathikamezwa wukudlula kwesikhathi. | Lesi sakhiwo sinobuhle bendalo futhi obungenasikhathi. |
| timeliness | noun | the phenomenon of being on time | The so-called timeliness of the new legislation is being questioned, as the consensus is that it is too late to make any difference. | ukugcina isikhathi | noun | isimo sokufika isikhathi | Ukufika ngesikhathi komthetho-sisekelo kuyasolisa, ngoba isivumelwano siwukuthi sekwephuzile kakhulu ukwenza umehluko. |
| timely | adj | happening at exactly the right time | Social workers aim to achieve a permanent living situation for orphans in a timely manner. | ngesikhathi | adj | okwenzeka ngesikhathi esikahle impela. | Osonhlalakahle bahlose ukuthola indawo yokuhlala izintandane kusenesikhathi. |
| timely | adjective | happening at exactly the right time | Being able to see how books are valued and enjoyed was a timely reminder of the importance of books in the educational process. | ngesikhathi | adjective | okwenzeka ngesikhathi esifanele | Ukubona indlela izincwadi eziyigugu nezijatshulelwa ngayo kwakuyisikhumbuzo esifike ngesikhathi sokubaluleka kwezincwadi enqutshweni yezemfundo. |
| timely | adjective | being done at the right time | Dr. Wright is always well prepared for his lectures, because of his timely planning. | ngesikhathi | adjective | ukwenzeka ngesikhathi | UDkt. Wright uhlale njalo elungele izifundo zakhe, ngenxa yokuhlela kwakho ngesikhathi. |
| topic | adj | subject that is talked or written about | Students are allowed to choose a specific topic within the broad domain of poverty in Africa. | isihloko | adj | into okuyiyona okusuke kufanele ukuthi kukhulunywe noma kuxoxwe ngayo. | Abafundi bavumelekile ukukhetha isihloko esithile noma ngabe yisiphi esikhuluma ngendlela lapha e-Afrika. |
| trace | noun | an indication that something has been present | Archaeologists have found traces of a prehistoric civilisation near Cape Town. | insalela | noun | isiboniso ukuthi kukhona into ethile eke yaba khona. | Abafunda kabanzi ngezinto zakudala basanda kuthola izinsalela zangaphambi komlando zempucuzeko eduzane kwaseKapa. |
| trace | verb | to find or discover something or someone after searching carefully | After three years he finally managed to trace his biological parents. | landelela | verb | ukuthola into ethile noma umuntu othile ngemuva kokumbheka ngokucophelela. | Ngemuva kweminyaka emithathu yonke, waze wagcina esephumelele ukuthola abazali bakhe begazi. |
| trace | verb | to describe a process or the development of something | The history book traces the events that led to the Vietnam War. | landelala | verb | ukuchaza uhlelo noma ukuthuthuka kwento ethile. | Le ncwadi yomlando ilandelela izehlakalo ezaholela ekutheni kube nempi yaseVietnam war. |
| tradition | noun | academic or scholarly paradigm | The sociologists at the University work mostly within a Marxist tradition. | isiko | noun | umunxa wokufunda. | Abafunde bagogoda kwi-sociology eNyunivesi basebenza ikakhulukazi ngaphansi kwesiko likaMarx. |
| tradition | noun | a specific practice of long standing | The US has a tradition of federal government. | isiko | noun | inqubo ethile esime isikhathi eside. | IMelika inesiko lokuba nohulumeni ongumaziphathe. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| trait | noun | a particular characteristic or feature | Honesty would be an example of a central trait, whereas particular likes or dislikes may be secondary traits which are characteristics seen only in certain circumstances. | isici | noun | uhlobo lwesisici esithile. | Ukwethembeka kungaba yisibonelo sesici esiphakathi nendawo, bese kuthi izinto ezifana nokuthanda kanye nokungathandi kungaba yizici zesibili ezibonwa kuphela ezimweni ezithile kuphela. |
| transfer | noun | the act of movement from one place to another | An integrated circuit is responsible for the transfer of data from the computer to the printer. | ukwedlulisa | noun | isenzo sokuhamba usuka kwenye indawo uya kwenye indawo. | I-circuit engaphakathi inomsebenzi wokwedlulisa idatha iyisusa kwikhompyutha iyisa kwiphrinta. |
| transfer | verb | to move something or someone from one place to another | Through internet banking funds can easily be transferred from one account to another. | dlulisa | verb | ukuhambisa into ethile noma umuntu othile umsusa endaweni ethile umusa kwenye indawo. | Ngokusebenzisa ukubhenka nge-inthanethi izimali zidluliseka kalula zisuka kwi-akhawunti enye ziya kwenye i-akhawunti. |
| transform | verb | to change or alter in form, appearance or nature | Energy cannot be destroyed or created. It can only be transformed, for example from latent to kinetic. | guqula | verb | uUkushintsha into ethile, ukubukeka kwayo, ukuma kwayo noma imvelo yayo. | Amandla kagesi angeke abulawa noma akhiwa. Angashintshwa kuphela, isibonelo asuke kulawo esiwazi ngokuthi a-latent aye kulawo okuthiwa a-kinetic. |
| transform | verb | to change or alter the form, appearance or nature of something | Energy cannot be destroyed or created, but can be transformed, for example, from latent to kinetic. | shintsha | verb | ukushintsha ukuguqula uhlobo, ukubukeka noma isimo sokuthile | Amandla awakwazi ukonakaliswa noma ukudalwa, kodwa angaguqulwa, ngokwesibonelo kusuka ekubeni amandla angasebenzi ekubeni isilinganiso sokunyakaza. |
| transgress | verb | to go beyond the limits | If you transgress, go back to the beginning of your intent and start again. | dlula umthetho | verb | ukwedlula imikhawulo | Uma udlula umthetho, buyela ekuqaleni kwenjongo yakho bese uqala futhi. |
| transgression | noun | something that goes beyond the limits | The students' irresponsible behaviour is a transgression of the hostel regulations. | ukweqa umthetho | noun | okuthile okwedlula imikhawulo | Ukuziphatha kabi kwabafundi kungukweqa imithetho yezimiso zasehostela. |
| transition | noun | the process or period of changing from one condition to another | Initiation rites mark the transition from childhood to adulthood in many African cultures. | ukwedlula | noun | isikhathi sokushintsha esimweni esisodwa uya kwesinye isimo. | Ukuyosokwa kusuke kuyisikhathi esisho ukwedlula ebunganeni komuntu wesilisa eya ekubeni umuntu omdala ngowamasiko amaningi ase-Afrika. |
| transparent | adj | clear and easy to understand | Assessment practices should be transparent to the point of enabling students to work out the exact requirements of specific tasks. | okusobala | adj | okuqondakala kalula; okulula ukukubona uma kuliqiniso, kuhamba ngendlela, kushaya khona, kungavuni luhlangothi, njll. | Izindlela zokuhlola kufanele ukuthi zibe sobala ngendlela yokuthi zikwazi ukwenza abafundi ukuthi bazi ukuthi yiziphi izinto ezidingeka kwimisebenzi ethile. |
| triangulate | verb | to indicate that two or more methods are used in a study in order to check the results | In qualitative research, multiple sources are used to triangulate data to enhance understanding. | hlanganisa | verb | ukubonisa ukuthi izindlela ezimbili noma ngaphezulu zisetshenzisiwe ocwaningweni ukuze kubhekwe imiphumela. | Ocwaningweni lapho kusuke kuphenywa ngento ethile khona kuyaye kusetshenziswe imithombo eminingi ukuhlanganisa idatha ukuze kube lula ukuqonda. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| type | noun | a category of people or things having similar characteristics | The type of essay you are going to write depends a lot on your goal – whether you want to inform, persuade or entertain the reader. | uhlobo | noun | isigaba sabantu noma izinto ezinezici ezifanayo | Uhlobo lwendatshana ozolibhala luncike kakhulu emgomweni wakho – kungaba ukuthi ufuna ukwazisa, ukukholisa noma ukujabulisa umfundi. |
| typical | adj | having the usual or standard characteristics of a group | A typical middle class family consists of four members. | okufanele | adj | ukuba nezinga noma izici ezejwayeleke kwiqembu elithile. | Umndeni okufanele ukuba odla kahle uba namalungu omndeni amane. |
| typical | adjective | having the distinctive quality of a specific type of person, thing or situation | Power outages are typical of the current economic climate. | jwayelekile | adjective | ukuba nemfanelo ehlukile yohlobo lomuntu, into noma isimo | Ukucima kukagesi kujwayelekile ngenxa yesimo sezomnotho samanje. |
| typical | adjective | having distinctive qualities of something or someone | It is typical of parents to want to protect children. | jwayelekile | adjective | ukuba namakhono ahlukile wokuthile noma wothile | Kujwayelekile ngabazali ukuthi bafune ukuvikela izingane zabo. |
| typographic | adjective | regarding the style, layout and appearance of printed text | He forgot to use proper typographic quotation marks, the double sixes and nines. | ukuthayipha | adjective | mayelana nesitayela, ukwakheka nokubukeka kombhalo ophrintiwe. | Wakhohlwa ukusebenzisa izimpawu zokuphawula zokuthayipha ezifanele, ukudideka nokungakholwa. |
| typography | noun | appearance, layout and design of a printed text | The typography of the magazine has changed – now and then it breaks from two columns to three on the page, and there is a spot of blue on the cover. | uhlobo lokunyathelisa | noun | ukubukeka, ukwakheka nomklamo wombhalo ophrintiwe | Ukunyathelisa kukamagazini kushintshile – kuyashintsha ekubeni amakholomu amabili kube amathathu ekhasini, futhi kukhona ichashazi eliluhlaza okwesibhakabhaka ekhaveni. |
| ultimate | adj | the best or worst of its kind | The ultimate test of man's conscience may be his willingness to sacrifice something today for future generations. | okukhulu | adj | okungcono noma okubi kunakho konke okukhona. | Isivivinyo esikhulu kunembeza womuntu kungenzeka kube ukufisa kwakhe ukuthi kube khona into ayidedelayo namhlanje anikele ngayo ukuze kusizakale isizukulwane sangomuso. |
| ultimate | adj | the last or final in a series or process | The ultimate goal was to develop a theory that explains the relationship found amongst the various themes in the poems. | kokugcina | adj | okokugcina noma okokuphetha kuchungechunge noma kuhlelo oluthile. | Inhloso yokugcina kwakuwukuthuthukisa ithiyori echaza ubudlelwano obutholakala phakathi kwezingqikithi ezahlukene kwizinkondlo. |
| ultimate | adjective | the best or worst of its kind | A South African man received the ultimate in Valentine's Day gifts — a new heart. | okudlula konke | adjective | okungcono noma okubi kohlobo lwakho | Owesilisa waseNingizimu Africa wathola isipho esizidlula zonke se-Valentine's Day – inhliziyo entsha. |
| underlie | verb | to form the basis or cause of an action, theory or argument | Students learn to appreciate the complex process of drafting and redrafting which underlies successful writing. | okumele | verb | okuyikhona okuyisisusa noma okuyimbangela yokwenza okuthile, okungaba yithiyori noma ingxoxo. | Abafundi bafunda ukukwazi ukubona uhlelo olufaka izinto eziningi eziwukubhala kanye nokuphinda kubhalwe futhi nokuyikhona okumele ukubhala ngempumelelo. |
| underlie | verb | to form the basis or cause of an action, theory or argument | Modern linguistic theory has uncovered a rich network of organising principles which underlie human linguistic ability. | isisekelo | verb | okubangela isisekelo noma imbangela yesinyathelo, umbono noma impikiswano | Umbono wolimi lwesimanje uye wathole inethiwekhi enothile yokuhlela izimiso eziyisisekelo sekhono lezilimi labantu. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| understand | verb | to perceive, interpret or view something in a particular way | I understand the universal message of the text. | qonda | verb | ukuqonda, ukuchaza noma ukubuka okuthile ngendlela ethile | Ngiyawuqonda umyalezo ophelele wombhalo. |
| understand | verb | to perceive, interpret or view something in a particular way | Try to understand the folly of your actions. | ukuqonda | verb | ukuqonda, ukuchaza noma ukubuka okuthile ngendlela ethile | Zama ukuqonda ubuwula bezenzo zakho. |
| understand | verb | to perceive, interpret or view something in a particular way | Readers without strategies can easily misunderstand a writer's intent. | ukuqonda | verb | ukuqonda, ukuchaza noma ukubuka okuthile ngendlela ethile | Abafundi abangenawo amacebiso bangase bangaqondi kahle kalula nje injongo yombhali. |
| understanding | noun | ability to comprehend | I have a lot of understanding of my friend's problems, because I also experience them in my own life. | ukuqonda | noun | ikhono lokuqonda | Ngiziqonda kakhulu izinkinga zomngane wami, ngoba nami ngibhekana nazo ekuphileni kwami. |
| understanding | adjective | able to comprehend or understand something | Dr. Smit's understanding attitude puts students at ease when they do an oral. | ukuqonda | adjective | ukuqonda okuthile | Isimo sokuqonda sikaDkt. Smit senza abafundi bakhululeke lapho benza ukuhlolwa ngomlomo. |
| undoubtedly | adjective | without any doubt | The result was undoubtedly impressive. | ngaphandle kokungabaza | adjective | ngaphandle kokungabaza | Umphumela wawuhlaba umxhwele ngaphandle kokungabaza. |
| uniform | adj | the same at all times and across all objects | The Constitutional Court does not follow a uniform approach when it comes to different socio-economic rights. | okufanayo | adj | okufanayo ngaso sonke isikhathi futhi kuzona zonke izinto ezithintekayo. | Inkantolo Yomthethosisekelo ayilandeli indlela efanayo uma kuziwa ngakumalungelo ezinhlalo kanye nawezomnotho ehlukene. |
| uniform | adjective | staying the same | Uniform criteria for determining student fees should apply at all universities. | fanayo | adjective | okufanayo | Isigaba esifanayo sokunquma izinkokhelo zabafundi sisebenza kuwo wonke amanyuvesi. |
| uniform | adjective | the same everywhere and at all times | The key idea is that informational structures are used to encode a variety of linguistic information in a uniform manner. | okufanayo | adjective | okufanayo kuyo yonke indawo futhi ngazo zonke izikhathi | Umbono oyinhloko ukuthi ukwakhekha okungekho emthethweni kusetshenziswa ukuchaza uhlobo lolwazi lwezelimi ngendlela efanayo. |
| uniformity | noun | the sate of being the same | There must be uniformity at all universities about the criteria for determining student fees. | ukufana | noun | isimo sokufana | Kufanele kube khona ukufana kuwo wonke amanyuvesi mayelana nesigaba sokunquma izinkokhelo zabafundi. |
| unique | adjective | being the only one of its kind | Each person's writing style is unique. | ngqayizivele | adjective | okuyikho kuphela | Isitayela sokubhala somuntu ngamunye siyingqayizivele. |
| universal | adj | done by involving people or things across the world | The International Labour Organisation launched a universal HIV-prevention campaign. | komhlaba wonke | adj | okwenziwa okufaka abantu noma izinto emhlabeni jikelele. | Inhlangano Yabasebenzi Yomhlaba Wonke yethule umkhankaso womhlaba wonke wokuvikelwa kwesandulelangculazi emaposini emhlabeni jikelele ngonyaka ka 2009. |
| universal | adj | true at all times and all places across the world | The idea of universal moral principles is questioned by Realists. | komhlaba wonke | adj | okuliqiniso ngazo zonke izikhathi futhi kuzona zonke izindawo ezweni. | Umqondo wemigomo yokwenza okufanele emhlabeni wonke bayawungabaza labo abakhuluma ngabakubonayo. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| universal | adjective | true at all times and all places across the world | He spoke about universal human concerns, and articulated the aspirations of ordinary people towards peace and a better life. | ndawo yonke | adjective | okuyiqiniso ngaso sonke isikhathi nasembulungeni yonke | Wakhuluma ngezinkinga zabantu embulungeni yonke, futhi wachaza izifiso zabantu abavamile zokuthula nokuphila okungcono. |
| universal | adjective | applicable to all people, things or places | The thematic power of the tragic hero is universal. | ndawo yonke | adjective | kusebenza kubo bonke abantu, izinto noma izindawo | Amandla wesihloko weqhawe lenhlekelele asendaweni yonke. |
| universe | noun | all existing matter, places and time | The universe consists mainly of open space | imbulunga | noun | okwenzeka embulungeni yonke, izindawo nesikhathi | Imbulunga iqukethe izikhala ezivulekile. |
| untimeliness | noun | the fact or quality of happening at an inconvenient time | The untimeliness of his visits irritates me, because he always comes after midnight when I want to sleep. | ngesikhathi esingafanele | noun | iqiniso noma ikhwalithi eyenzeka ngesikhathi esingafanele | Ukuvakasha kwakhe ngesikhathi esingafanele kuyangidina, ngoba njalo ufika ebusuku kakhulu lapho sengifuna ukulala. |
| untimely | adjective | not occurring at a suitable time | His untimely death shocked everyone. | ngaphambi kwesikhathi | adjective | okwenzeka ngesikhathi esingafanele | Ukushona kwakhe ngaphambi kwesikhathi kwamangaza wonke umuntu. |
| usage | noun | the way in which something is used, especially words in a language | The usage examples in any glossary should help students to understand the meanings of the terms. | ukusebenza | noun | indlela into ethile esetshenziswe ngayo, ikakhulukazi amazwi olimini. | Izibonelo zokusebenza kwegama kunoma iyiphi iglosari kumele kusize abafundi ukuthi baqonde lokho okushiwo yigama lelo. |
| usage | noun | the way in which something is used | The University has investigated the usage of lecture halls and is considering more effective arrangements regarding the scheduling of lectures. | ukusetshenziswa | noun | indlela yokusetshenziswa kokuthile | INyuvesi iphenye ukusetshenziswa kwamahholo wokufundisa futhi icabangela amalungiselelo asebenza nakakhulu mayelana nokuhlela ukufundisa. |
| use | verb | apply something | He uses the right rhetorical methods to convince his audience. | ukusebenzisa | verb | ukusebenzisa okuthile | Usebenzisa izindlela ezifanele ezingadingi impendulo ukukholisa izethameli zakhe. |
| useful | adjective | which can be used for a practical purpose | It takes a bit of practice, but this is a useful technique to master. | kuwusizo | adjective | okungase kusetshenziselwe injongo esebenzayo | Kudinga ukuphrakthiza okuthile, kodwa lena indlela okuwusizo ukuyifunda. |
| utilisation | noun | practical, effective use | His utilisation of rhetorical techniques is particularly convincing. | ukusetshenziswa | noun | ukusebenzisa ngokuqondile, okusebenzayo | Ukusebenzisa kwakhe izindlela ezingadingi kuyakholisa ngempela. |
| utilisation | noun | something that is used, normally for a practical purpose | Some students' efficient utilisation of the library's facilities shows that they regard it as useful. | ukusetshenziswa | noun | okuthile okusetshenzisiwe, ngokuvamile ngokwenjongo yangempela | Ukusebenzisa ngokuphumelelayo kwabanye abafundi izikhungo zomtapo wezincwadi kubonisa ukuthi bazibheka njengeziwusizo. |
| utilise | verb | to use something, normally for a practical purpose | She utilised children's dreams as an anthropological research tool. | sebenzisa | verb | ukusebenzisa into ethile ngokuvamile, ngokwenhloso ebambekayo. | Wasebenzisa amaphupho abantwana njengethuluzi lokwenza ucwaningo ngendlela yokuziphatha kwabantu. |
| utilise | verb | to use something for a practical purpose | He utilises the right rhetorical methods to convince his audience. | sebenzisa | verb | ukusebenzisa okuthile ngokwenjongo engokoqobo | Usebenzisa izindlela zokubuza imibuzo engadingi impendulo ukuze akholise izethameli zakhe. |
| utilise | verb | to use something for a practical purpose | Many students utilise the library's facilities to their advantage every day. | sebenzisa | verb | ukusebenzisa okuthile ngokwenjongo engokoqobo | Abafundi abaningi basebenzisa ngokuzuzisayo izikhungo zomtapo wezincwadi nsuku zonke. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| utilise | verb | to use something for a practical purpose | Teachers utilise technology to their advantage. | ukusebenzisa | verb | ukusebenzisa okuthile ngokwenjongo engokoqobo | Othisha basebenzisa ubuchwepheshe ngokuzuzisayo. |
| utter | adj | complete; total; absolute | We felt that the conference was an utter waste of money. | impela | adj | okuphelele; okungashodi; nje. | Sabona nje impela ukuthi leya ngqungquthela yayikuwumosha imali nje. |
| utter | adjective | absolute, complete, total | The republicans now show their utter contempt for democracy. | phelele | adjective | okuphelele noma ukuphelelisa | Manje abasekeli babonisa ukungasekeli kwabo intando yeningi. |
| valid | adj | having the expected characteristics; being true or accurate | She has a valid reason to support her decision to refuse the student examination entry. | okuzwakalayo | adj | ukuba nezici ezilindelwe nezilindelekile; ukuba yiqiniso noma ukunemba. | Wayenesizathu esizwakalayo sokwenqaba kwakhe ukuvumela umfundi ukuthi angene azobhala ukuhlolwa kwakhe. |
| valid | adj | having legal force or authority | The contract signed by all parties is legally valid. | okusebenzayo | adj | ukuba namandla noma negunya ngokomthetho. | Isivumelwano esisayinwe yizona zonke izinhlaka ezithintekayo sathathwa ngokuthi singesisebenzayo ngokusemthethweni. |
| valid | adjective | to be operative or in effect | This law is no longer valid because it does not apply to our modern society. | vumelekile | adjective | fanelekayo | Umthetho awusafaneleki ngoba awusebenzi emphakathini wethu wesimanje. |
| valid | adjective | true or accurate | She has a valid reason why she could not write the exam. | fanelekayo | adjective | okuyiqiniso noma okunembile | Wayenesizathu esifanelekayo sokuthi kungani angabhalanga isivivinyo sakhe. |
| valid | adjective | having a sound logical basis | I think these are still valid arguments. | fanelekayo | adjective | ukuba nesisekelo esinomqondo ozwakalayo | Ngicabanga ukuthi lezi kuseyizimpikiswano ezifanelekayo. |
| validate | verb | to prove that something is true or accurate | The model was validated against two sets of empirical data. | qinisekisa | verb | ukuletha ubufakazi bokuthi into ethile iliqiniso noma iyanemba. | Leyo modeli yaqinisekiswa ngokuqhathaniswa nemininingo emibili. |
| validate | verb | to confirm the power or value of something | Before the method used in the study can be described as safe, researchers have to validate it and make sure it has no negative consequences. | qinisekisa | verb | ukuqinisekisa amandla noma inani lokuthile | Ngaphambi kokuthi indlela esetshenziswe ocwaningweni ichazwe njengephephile, abacwaningi kufanele bayiqinisekise futhi baqinisekise ukuthi ayinayo imiphumela emibi. |
| validated | adjective | proved to be true or accurate | The validated statistics in her article convinced experts of her theory. | qinisekisiwe | adjective | okufakazelwe njengokuyiqiniso noma okunembile | Izibalo eziqininisekisiwe esihlokweni sakhe sakholisa izazi ngombono wakhe. |
| validation | noun | the action of checking or proving that something is valid or accurate | In the use of computers for statistical analysis, the greatest difficulty relates to data input and validation. | ukuqinsiekisa | noun | isenzo sokuhlola noma ukufakazela ukuthi okuthile kufanelekile noma kunembile | Ekusetshenzisweni kwamakhompyutha ukuhlayiza izibalo, ubunzima obukhulu kuhlobene nokufaka idatha nokuqinisekisa. |
| validity | noun | legal force or authority | I question the validity of this test because it does not really test what it claims to test. | ukuba semthethweni | noun | ukuphoqwa ngenkani noma ngokomthetho | Ngisola ukuba semthethweni kwalokhu kuhlolwa ngoba akuhloli empeleni lokho okubonisa ukuthi kuyakuhlola. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| validity | noun | logical reliability | The validity of her argument is questioned by her colleagues. | ukufaneleka | noun | ukwethembeka okunengqondo | Ukwethembeka kwengxoxo yakhe kusolwa ngasebenza nabo. |
| value | noun | how much something is worth | The estimated value of the ring is R20 000. | inani | noun | ukusho ukuthi into ethile iyimalini. | Inani elilinganiselwe lemali ezotholakala lingu-R20 000. |
| value | noun | the usefulness or importance of something | The value of the project will be to increase our understanding of the conditions for social and political stability and instability in the contemporary world. | inani | noun | ukuba wusizo noma ukubaluleka kokuthile | Inani lephrojekthi lizoba ukukhulisa ukuqonda kwethu kwezimo kokuzinza kwezomphakathi nezepolitiki kanye nokungazinzi kwezwe lanamuhla. |
| value | verb | to attach importance to something | In a country with so much crime and fraud, honesty is increasingly valued. | inani | verb | ukunamathisela ukubaluleka kokuthile | Ezweni elinobugebengu nokukhwabanisa obudlangile, ukwethembeka kwaziswa nakakhulu. |
| value system | noun | set of values | Even if the two sides in an argument have the same value system and the same goal in mind, there can still be a heated argument if their perceptions of the same situation differ. | izimiso zezindinganiso zokuziphatha | noun | izimiso | Nakuba izingxenye ezimbili empikiswaneni zinezimiso zezindinganiso zokuziphatha ezifanayo kanye nomgomo ofanayo, kungase kuphakame impikiswano uma imibono yabo yesimo esifanayo yehluka. |
| variation | noun | differences between things that are similar | Meaningful variation in teaching tasks should alleviate the boredom that lecturers sometimes experience in teaching their subject. | ukwehluka | noun | umehluko phakathi kwezinto ezifanayo | Ukwehluka okuwusizo emsebenzini yokufundisa kufanele inciphise ukuba isidina ngokuvamile abafundisi ababhekana nakho lapho befundisa ngesifundo sabo. |
| vein | noun | a particular style or mood of writing or speaking | The author’s new book is written in the same humorous vein as her previous books. | indlela | noun | indlela ethile yokubhala noma isitayela esithile sokubhala noma sokukhuluma. | Incwadi entsha yombhali ibhalwe ngendlela ehlekisa ngokufanayo nezincwadi zakhe zaphambilini. |
| version | noun | translated or adapted | That particular isiZulu version of the Bible is considered to be a good translation. | isihumusho | noun | okuhunyushiwe noma okwamukelwe. | Leso sihumusho seBhayibheli lesisiZulu sithathwa ngokuthi siyisihumusho esihle. |
| version | noun | form of something that differs slightly from other forms of the same thing | That particular version of the Bible is considered to be a good translation. | inququlo | noun | uhlobo lokuthile okwehluke kancane kwezinye izinhlobo zento efanayo | Leyo nguqulo yeBhayibheli ibhekwa njengokuhumusha okuhle kakhulu. |
| view | noun | a personal opinion about something | You must provide convincing reasons in support of your view to increase the persuasive power of your argument. | umbono | noun | umbono oqondene nomuntu othile mayelana nento ethile. | Kufanele ukuthi uhlinzeke ngezizathu zokweseka umbono wakho ukwandisa ukunxenxa kwenkulumo yakho. |
| view | verb | to regard something in a certain way | How do you view this problem? | umbono | verb | ukubheka okuthile ngendlela ethile | Uyibheka kanjani le nkinga? |
| view | noun | the ability to see something from a certain perspective | Explain to me your view of this matter, because your point of view is important to me. | umbono | noun | ikhono lokubheka okuthile ngokombono owehlukile | Ngichazele ngombono wakho ngalolu daba ngoba umbono wakho ubalulekile kimi. |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| violation | noun | the action of violating or infringing upon something | The students' irresponsible behaviour is a violation of the hostel regulations. | ukwephulwa | noun | isenzo sokwephula noma ukwephula umthetho wokuthile | Ukuziphatha kabi kwabafundi kungukwephulwa kwemithetho yasehostela. |
| virtual | adj | having the essence or effect of something | She knew so little about him that her family said that she had married a virtual stranger. | sanhlobo | adj | ukuba nokuqonda okuthile. | Wayazi okuncane kakhulu ngaye kangangokuthi umndeni wakhe waze wathi wayeshade nomuntu angamazi sanhlobo. |
| virtual | adjective | with the essence of, so to speak | She was a virtual prisoner inside her own home. | ngokwengqondo | adjective | ngokomqondo | Wayeyisiboshwa engqondweni yakhe phakathi ekhaya lakhe. |
| virtual | adj | created by means of computers, especially over a network | All his artworks can be seen in a virtual gallery. | okwenziwe ngekhompyutha | adj | okwakhiwe ngohlelo lwekhompyutha kodwa isikhathi esiningi okuqondene nenethiwekhi. | Yonke imisebenzi yakhe yobuciko iyabonakala kwisithangami esenziwe ngekhompyutha. |
| virtually | adv | almost, very nearly | Vast amounts of money are spent every year by virtually every nation to defend itself. | cishe | adv | phose, ngokusondelene kakhulu. | Kusetshenziswa izimali eziningi kakhulu unyaka nonyaka cishe yizona zonke izizwe ukuze zizivikele. |
| virtually | adverb | almost, very nearly | The enormous engineering project is being carried out with virtually no disruption to the traffic flow through the city. | ngokuseduze | adverb | cishe, ngokuseduze | Iphrojekthi enkulu kakhulu yobunjiniyela iyaqhubeka cishe ngaphandle kweziphazamiso endleleni yokuhamba kwezimoto edolobheni lonkana. |
| visibly | adjective | clearly visible | He was visibly uncomfortable. | ngokubonakalayo | adjective | okubonakala kahle | Kwakubonakala ukuthi wayengakhululekile. |
| visual | noun | a picture, such as a photograph, map, sketch or painting | Together, the text and the visuals must convey the essential information. | okubonwayo | noun | Yinto ethile emelwe yisithombe, okungaba yisithombe esishuthwayo, ibalazwe (imephu), isikeshi, umdwebo. | Ngokuhlanganyela, lokho okubhaliwe kanye nalokho okubonwayo kufanele ukuthi kudlulise ulwazi olubalulekile. |
| vital | adj | essential or necessary for something to exist or succeed | Reading is of vital importance in second-language learning. | osekumqoka | adj | okubalulekile noma okudingekayo ukuze into ethile ibe khona iphumelele. | Ukufunda kuyinto esemqoka kakhulu ekufundeni ngolimi lwesibili, okungesilona olwebele. |
| vocabulary | noun | the words used in a language | English has an extensive vocabulary. | amagama olimi | noun | amagama asetshenziswa olimini. | IsiNgisi sinamagama olimi amaningi kakhulu. |
| vocabulary | noun | the words known to a person or used in a particular book, subject, etc. | A new vocabulary has emerged to describe the development of computer technology. | igama elichazayo | noun | amagama aziwa ngumuntu noma asetshenziswe encwadini ethile, esifundweni esithile, njll. | Kunegama elisha elichazayo eselivelile ukuchaza ukuthuthuka kwetheknoloji yamakhompyutha. |
| volatility | noun | state or quality of being volatile, unstable | investing directly in smaller companies can be risky because of their volatility | ukungazinzi | noun | isimo noma ikhwalithi yokushintsha, ukungazinzi | ukutshala imali ngokuqondile ezinkampanini ezincane kungase kube ingozi ngenxa yokungazinzi kwazo. |
| volume | noun | a book or one of a set of books | The encyclopaedia set consists of fifteen volumes. | umthamo | noun | kungaba incwadi noma isethi eyodwa yezincwadi. | Le ncwadi eyisichazamazwi inemithamo eyishumi nanhlanu. |
| withdraw | verb | to take back a remark, statement, accusation, promise, etc. | The political party withdrew their accusation that the election was unfair. | hoxisa | verb | ukubuyisela emuva ukuphawula, isitatimende, ukusola, isethembiso, njll. | Iqembu lepolitiki lakuhoxisa ukukhomba kwalo ngomunwe ukhetho ngokuthi lithi lwaluvuna uhlangothi oluthile. |

